# Agape

*ISambulo Sesimilo sikaBaba soThando*

Yincwadi engiyinikela kubadala,
nabafowethu abaligugu kakhulu endleleni encane: O-Craig Jacobson, Eddie Perez, Craig Jones,
Colin Nicolson, no-Gavin Devlin.

Ngiletha nokubonga ngendlela ekhethekileyo Nkosikazi uLorelle,
kuDanutasn Brown, Tony no-Anna Pace,
Gary Hullquist, kanye noFrank Klin.

Ihumushwe nguTommy Makhura, Mpuseng Nkhatho, noNkosinathi Mazibuko,

For more information:
fatheroflove.info
adrian@life-matters.org

Maranatha Media
December 2017

# Okuqhukethwe

IZwi Langaphambili ....................5
1. ISambulo sikaBaba ....................8
2. UFunda kanjani? ....................14
3. Ukufa kwesiphambano ....................23
4. INdodana Yami Ethandekayo ....................32
5. Ubothanda Izitha Zakho ....................37
6. Umlilo Ovela Ezulwini ....................44
7. Ningaziqinisi iZinhliziyo Zenu ....................53
8. Kungani kwayalezwa ukuba izoni zikhandwe Ngamatshe? ....................65
9. Umthetho nje ngesibuko ....................76
10. Ukufakwa kokwesaba kukaNkulunkulu ....................87
11. Intukuthelo kaJehovah ....................95
12. Ukuphindisela inkemba endaweni yayo ....................104
13. UMqhele Wameva ....................119
14. Amandla Wokufa ....................131
15. Umyalo KaYise ....................142
16. ISicebi no Lazaru Esibukweni ....................155
17. Izingelosi Ezishayayo ....................168
18. Imisho Esobala ....................185
19. Yalinyazwa Ngenxa yezono Zethu ....................194
20. Inyoka Idazululwa Yisiphambano ....................210
21. Isivumelwane esingunaphakade nokubulawa komuntu omdala ....................236
22. UMose indoda emnene kunabo bonke ....................253
23. U-Eliya Namaphethelo Wokugcina ....................272
24. U-Abrahama Nesinengiso Senchithakalo ....................289

# IZwi Langaphambili

Kuyiqiniso elifakazelwa lucwaningo olukhulu ukuthi izingane zithatha ufuzo ebazalini bazo. Ngokubuka, nangokuxoxisana kujwayelekile ukuthi izici zesimilo zikayihlo nonyoko, kungakhathalekile ukuba zinhle noma zimbi mhlawumbi zizovela ezinganeni. Kungumthetho wofuzo.

Umhlaba ugcwele udlame nobudlova nanoma ubiza ukuthi izinga lezokuvikeleka kwande. UMoya wodlame ngesikhathi umuntu ezizwa engaphephile ulethela ekutheni abantu bazilungisise noma bezibize ngabalungile nalapho sebebiza ukuvhidlizwa kwempilo yomunye umuntu.

Ngaphakathi kwethu sonke kukhona ukulangazelela ukuthula nesiqiniseko sokwamukeleka nokuthandwa. Ingabe uluntu lungasondela kanjani kulokhu? Ngentuthuko kweze-technology esinayo, izwe ligijima ngokujulileyo ngesivinini esikhulu ebugovuni nasodlameni.

Impilo kaKrestu owayehamba emhlabeni iminyaka engu-2000 edlule isivezela isibonelo sothando olungazifuneli okwalo lwe-agape, esilethe ukuthula kwizinkulungwane ezingena kubalwa. Ebantwini abaningi, lesibonelo esihle sokuphila sicindezelwe phansi kwabanye sesize sabhidlizwa yizindaba ezilotshwe emapheshenі weBhayibheli ezinika imininingwane yokuxhumana kukaNkulunkulu noluntu ngokomlando odlule.

Ngesinye isikhathi uNkulunkulu uvela engumuntu ogcwele udlame nolayela ukubulalwa kwamasosha ayizitha, aze elayele nokubulawa ngisho nokwezingane. IBhayibheli liveza ngamathuba amaningi ngendlela ethusayo ukuthi ugcwele intukuthelo nodlame. Nangaphezu kwalokhu kubantu abaningi ukufa kwesiphambano kungcoliswe ngomcabango othi uNkulunkulu ubiza ukuthi bonke abeqa umthetho wakhe bamele ukufa.

Lemibono ngoNkulunkulu ivamile ezinkolweni eziningi ezisemhlabeni ngisho nakwabangakholelwa kuNkulunkulu nhlobo, abathe ukwanda kwamuva nje ngenxa yeRevolution yase-France. Okwakulungisilelwe indlela kukubulawa kwezigidi nezigidi zabantu ngaphambilini.

Kulabo abanentshisekelo ezwini likaNkulunkulu, umahluko okhona phakathi kukaNkulunkulu eBhayibhelini nempilo ekaKristu seyithe yaletha ekuthini ezinye zezinto azishilo uKristu zingaxazululeki noma kubenzima ukuzixazulula. Kepha ngesinye isikhathi esibaluleke kakhulu ekhuluma nomunye wabalandeli bakhe uJesu wathi, "uma ubone mina, umbonile uBaba."

Ingabe lokhu kwenzeka kanjani na? Nangempela uNkulunkulu ugcwele ngomusa nesihe njengalokhu kuvezwe empilweni kaJesu? Engqikithini yomthetho sithola umyalo othi "ungabulali." Ingabe nalokhu kuveza isimilo sikaNkulunkulu? Noma sizothi eminye imithetho ilungele ezinye izidalwa kodwa kube nemimye emele abaphathi nababusi, njengoNkulunkulu? Ingabe lokhu kungaba namuphi umphumela kubaholi abalandela lesisibonelo sobuholi? Ingabe nabo bengaziphatha ngendlela efanayo uma bezithola benamandla?

Kulencwadi sithola umphumela wocwaningo olwenziwa isikhathi esingangeminyaka engu-16 esibuka izimpendulo kweminye yalemibuzo. Uhambo lwaqala ngicabanga ngokuzalwa kwendodana yami yokuqala. Ngicabangisisa ngomzuzu ngangimgone ezandleni zami, nothando engazizwa nginalo ngaye. Ukunambitha lemizwa yobuNkulunkulu kwangenza ekuhlanganeni noNkulunkulu nokuqonda ukuthi imizwa nendlela engangizizwa ngayo kwakungukubonakaliswa kothando lukaNkulunkulu ngeNdodana yakhe, ekugcineni uthando analo ngabantwana bakhe bonke abazalwa emhlabeni.

Loluhambo selwaba lude kanti ngesinye isikhathi lubuye lukhathaze. Sekube namathuba ambalwa lapho iBhayibheli lingaxazululi impikiswano ezazivela zibekwa phambi kwami.

Lana ngizokwabelana nawe umphumela wocwaningo lwami. Ngalolucwaningo sengize ngahamba emazweni amaningi ukuhlangana nabanye abenza ucwaningo ngemibuzo efanayo, kanti sekube yisibusiso esikhulu kithi sonke.

Ngiyafakaza kuwe ukuthi nangempela uNkulunkulu uluthando. Akasuye umuntu onodlame. Akasisabisi ngokuthi uzokushisa zonke izingane zakhe ezingamlaleli esihogweni kuze kufike ephakadeni njengalokhu kuyinkolo yizinkulungwane zabantu.

Ngiyaqaphela ukuthi iningi alikakholwa, kodwa ngiyakunxusa ukuthi uthathe loluhambo uzibonele, uzitholele iqiniso elithi nangempela uNkulunkulu uluthando.

# 1. ISambulo sikaBaba

*UNkulunkulu uluthando* ngamazwi alotshwa ngumphostile uJohane emva kokuhlangana noJesu ngesikhathi besebenza ndawonye lapha emhlabeni. 1 John 4:16. Njengoba wayehlezi entabeni emlalele efundisa, embona evula izimpumputhe amehlo, ekhuza labo ababengenzi ngokulunga enezinyembezi emehlweni akhe, uJohane waqonda umsebenzi okaJesu owangempela.

> Akakho okewabona uNkulunkulu (nangasiphi isikhathi); iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalisile. Johane 1:18

Isithombe sikaNkulunkulu esasivezwe nguJesu sasihluke kakhulu kunalokho okwakusezingqondweni zabantu. Abafundi bakaJesu besadlula indoda eyayimpumputhe bambuza umbuzo:

> …Nkosi, ngubani owonayo, lona noma abazali bakhe, aze ezalwe eyimpumputhe na? NgokukaJohane 9:2

Umbuzo wabo uveza into yokuthi abantu babeqonda uNkulunkulu njengomashiqela okhohlakele ozwisa ubuhlungu bonke abangamlaleliyo. Ukuvuka nokuwa kwenhlanganisela yamazwe abuswa ngamakhosi kwaze kwafika uJesu kwakukhandwa emuva kokuchitheka kwegazi eliningi nokubusa ngobudlova. Lokhu kwakutshengisa indlela abantu babeqonda isimilo sikaNkulunkulu ngayo, ukuba ungumuntu ongenasihawu nonenhliziyo yokuphindisa.

Kwakunofakazi ababezwakalisa nokubonakalisa umyalezo ohlukile. Ubuhle bemvelo, ukuhlotshiswa kwezimbali nephunga lazo elimnandi, umculo wezinyoni osemoyeni omnandi ezindlebeni, nezihlahla zobukhosi eziluhlaza konke kwakufakaza ngeqiniso loMdali noBaba onothando. Uthando lwabazali olushisekayo noluzinikele ezinganeni zabo, ubuhlobo obuseduze bomuntu nomkakhe konke kwakukhuluma ngenhliziyo ethambileyo kaMdali.

Iminyaka engu-1500 edlule uMose ezama ukuqonda uMenzi wakhe wacela ukuba uNkulunkulu eveze inkazimulo yakhe.

> UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, **wamemezela igama likaJehovah.** (6) UJehovah wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi:

> "(Ngi)nguJehova! (Ngi)nguJehova! uNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso. Eksodusi 34:5-6

Nanoma kukhona lofakazi nolungaphezu kwalolu, umbono owawukhona ubusithi uNkulunkulu wayenolunya futhi wayebhekelele ukujezisa bonke ababenecala.

Kungani lombono uye wavama? Yingoba uSathane wayephonse ukungabaza othandweni lukaNkulunkulu kwasekuqaleni.

> Inyoka yathi kowesifazane: "Aniyikufa nokufa; (5) kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengonkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi." Genesise 3:4-5

USathane wakwazi ukwanelisa u-Adamu no-Eve ukuba uNkulunkulu wayengabanikanga okwakubalungele ngayo yonke inhliziyo yakhe. Wabanelisa ukuthi uNkulunkulu akanakuthembeka ngokubatshela ukuthi abazukufa nakufa uma bedla, wavula indlela eyokuthi isixwayiso sikaNkulunkulu, esasinikezwe ngothando siguqulwe sizwakale kwangathi ngenye into ehluke kakhulu.

> Kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa. Genesise 2:17

Uma ukudla kulomuthi kwakungeke kubabulale o-Adamu no-Eve, pho yini okwakuzobabulala? Sinye vo! isiphetho kanti singesokuthi nguNkulunkulu nguyena owayezobabulala, kanti uma u-Adamu ezwa izwi likaNkulunkulu ensimini sibona umphumela walendlela yokucabanga.

> Wathi ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze; ngalokho ngacasha. Genesise 3:10

Kungani wayenokwesaba u-Adamu? Kungoba wayesaba ukufa, nokuthi uNkulunkulu wayezokubabulala ngenxa yokungalaleli kwabo. Nansi into eyayizobagcina beyizigqila zikaSathane, umbono othi uNkulunkulu wayezobabulala. Kodwa uNkulunkulu wayefisa ukuthi:

> …abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshelwe ebugqileni. KumaHeberu 2:15

USathane wenza isiphakamiso ebazalini bethu bakuqala sokuthi uNkulunkulu wayengumbulali wabanqunywayo, bonke abeqa umthetho wakhe, nokuthi uNkulunkulu wayeqamba amanga uma esithi uma bedla babezofa. Kodwa lezi yizici zemvelo kaSathane uqobo lwakhe. Ngesikhathi uJesu ekhuluma nabaFarasi wachaza lezici zemvelo ngalokhu ababekwenza.

> Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. Yena wayengumbulali kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukhuluma okungokwakhe, lokhu engumqambimanga noyise wawo. Johane 8:44

Ngalezi zinkohliso uSathane ugqilazisa umhlaba wonke; uhlanekezile iqiniso lesimilo sikaNkulunkulu ukuze ewugcine ukude naye. INdodana kaNkulunkulu ivele yaqhamuka ezulwini ukuze yambule isimilo seqiniso sikaYihlo; yeza ukuba izoxosha ifu elimnyama lokungaqondi, nokubonakalisa ukuba uBaba unjani ngempela. Ngesikhathi omunye wabafundi enza isicelo, "Nkosi sikhombise uYihlo," uJesu waphendula ngalendlela:

> Isikhathi esingaka nginani, awukangazi Filiphu na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: 'Sikhombise uYihlo,' na? Johane 14:8-9

Uma wayechasisa ukuthunywa kwakhe emhlabeni, uJesu wathi:

> UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo. Luka 4:18.

Uma sisebenzisa umcabango ohlambulukile singabona ubuso bomfelokazi waseNayine ngesikhathi uJesu emisa isixuku sabantu abaya emcwabeni, wavusa indodana yalomama. Izinhliziyo zethu ziyathinteka uma sibuka indaba kaJariyasi nentokozo eyathatha indawo yobuhlungu bakhe obukhulu ngesikhathi uJesu evusa indodakazi yakhe. UJesu wayezodlula emizaneni, akakho noyedwa umuntu owayezosala esabanjwe yizifo. Wayezopha izinkulungwane zabantu ukudla entabeni ngenxa yozwelo ayenalo ngabo, ebatshela ngendlela uBaba abathanda ngayo.

Ubukhona bakhe babunxusela ngakuye ngangokuthi omama babezoletha kuye izingane zabo ukuze ezibusise. Ngazo zonke izenzo zakhe isimilo nenkazimulo kaBaba yambulwa. Ngalo lonke ilizwi alisho, ubuhalalazi bobumnyama obabubophe izwe ebugqileni babuzoxoshwa ngokukhanya kwenkazimulo yakhe. UJesu akasebenzisanga amandla wokudala izinto ngokucabanga ngokuhle kuphela (positive thinking) noma ukuthoshwa noma umdudo; wayezokhuluma iqiniso ngothando, engena kwesaba lokuveza amanga nokungakholwa. Kusenjalo ekhuza ababephambuka kwakukhona izinyembezi ephimbweni lakhe. Wayephilela abanye kuphela kanti wonke umphefumulo wawubaluleke kakhulu emehlweni akhe.

Isimilo sikaKrestu esemhlabeni sisivezela isimilo sikaNkulunkulu. UKrestu wathi wayengenze lutho ngokwakhe. NgoKristu uNkulunkulu wayebuyisela izwe kuyena. 2 Korinte 5:19. Isimilo sikaYise sonke sasivezwa kuyo iNdodana yakhe. UJesu esesemhlabeni wavezela uluntu umfanekiso kaYise oqotho.

> Ngokuba angikhulumanga ngokwami, kodwa uBaba ongithumileyo nguye onginike umyalo wokuba ngizakuthini ngikhulumeni. (50) Ngiyazi ukuthi umyalo wakhe ungukuphila okuphakade. Ngakho-ke lokho engikukhulumayo ngikukhuluma njengalokho uBaba angitshela khona." Johane 12:49-50 (NKJV)

Ngesikhathi esemkhulekweni, uJesu washo lawamazwi ekhuluma noYise:

> Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Kristu omthumileyo. (4) **Ngikukhazimulisile emhlabeni;** ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze. (5) Manje-ke ngikhazimulise wena Baba, ngawe uqobo, ngenkazimulo ebenginayo ngikuwe, izwe lingakabikho. (6) **"Ngibonalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni;** babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho. Johane 17:3-6

UJesu usitshela ukuba umkhazimulisile uYise emhlabeni. Inkazimulo kaBaba iyisimilo sakhe, kanti yilokhu asivezele khona emsebenzini wakhe wasemhlabeni. Uphinda etshele uBaba ukuthi ubonakalisile igama noma isimilo sikaYise kubafundi ababenaye. Yingakho uJesu wayengasho ngesibindi kuFilipi ukuthi uma embonile yena wayebone uYise. Kwakungadingeki ukuthi aze ebone konke ukusebenza kukaJesu noluntu kumlando wonke ukuze eqonde ukuthi uBaba unjani ngempela. Cishe

ngeminyaka engaphezu kwemithathu uJesu wayeseveze isibonakalo esigcwele nesipheleleyo sikaYise.

Isambulo esingaphezu kunazo zonke zalesi simile sothando sibonakale esiphambanweni.

> Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokhu ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo. (10) Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo yezono zethu. (11) Bathandekayo, uma uNkulunkulu wasithanda kanjalo, nathi simelwe ukuthandana [ngendlela efanayo]. 1 Johane 4:9-11

Uma uJesu wayezinikele ezilingweni zikaSathane wayezolahlwa unomphela, kanti noluntu lonke lalizokulahlwa njengomphumela. UBaba wethu osezulwini akasibolekanga iNdodana yakhe kepha *wasinika* yona. Kwakunengozi yokuthi konke kwakungalahleka, kodwa uBaba ngenxa yothando lwakhe ngalomhlaba wayezimisele ukuba enikele ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukwenzela asisindise sonke.

> Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na? AmaRoma 8:32

Lengozi iyabonakala emthandazweni kaJesu kuYise ngesikhathi esensimini. Kwakunento eyayinqenisa eyokuba akazukumelana nesilingo; kodwa kusenjalo wathembela entandweni kaYise kungakhathazeki ukuthi kwakuzobizani.

> Waqhubekela ingcosana, wawa ngobuso bakhe, wakhuleka wathi: "Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lesi sitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena. Mathewu 26:39

Singakuqonda kanjani ukedepha kwaloluthando? Ngamaphi amagama esingawasebenzisa ukuchaza lesi simanga sothando lukaNkulunkulu? U-Adamu wayengazimiselana futhi engalungelanga ukunikela ngalokhu okwakuyigugu kuye, kodwa uBaba wayekulungele lokhu. Akayigodlanga eyakhe iNdodana.

Ngokuthula uJesu wayithatha imivimbo, ukuklološa nokuhleka usulu kwesixuku esasijabulela izinhlupheko zakhe. Ngokuthembeka wazama ukuzithwalela isiphambano sakhe kodwa isisindo saso sasisikhulu. Wacela uJohane ukuba anakekele unina esasekhona esiphambanweni, wacela nokuba uYise ebaxolele ababembethela.

Umhlaba wonke wawungazange wabona uthando olumangalisa kangaka. Isimilo sikaYise sabengezela ngokukhanya okukhulu ebusweni beNdodana. Nangempela uBaba uyazithanda izitha zakhe aphinde exolele bonke abazama ukumchitha nokumbhubhisa. Konke lokhu kwakubonakaliswa esimilweni seNdodana kaNkulunkulu. INdodana kaNkulunkulu yasebenzisa ukufa ukuveza umbulali ayenguye uSathane, wambula nemisebenzi yenyoka. Esiphambanweni umbulali nobulalwayo babonakaliswa ngokugcwele bobabili. UMoya owawuqhuba uKayini ukuba ebulale umfowabo u-Abel wayambulwa ekukhanyeni okuphakeme esiphambanweni, iZulu lonke labona indlela uSathane engimbulali nomqambi wamanga ibanga lokuqala. Ithonya kanye nomthelela wakhe wawa ezulwini njengombani, akufunyanwanga indawo yakhe ezulwini ezinhliziyweni zezingelosi.

Ekuqaleni loluhambo, sifisa ukuba sithole izibuko ezilungile zokufunda izindaba eziseBhayibhelini. Ekukhanyeni okuvela esiphambanweni saseKalivari izici zemvelo zikaNkulunkulu ezazisigcwalisa ngokwesaba eTestementeni elidala zivela zizinhle futhi zingezikhangayo. Umusa, ubumnene, nothando lomzali kubonakala kuhlangana nobungcwele, ukwahlulela ngokulunga kanye namandla. Ngezibuko zeTestemente elisha singaqala ukubona iqiniso kwizenzo zokwahlulela esizibona eTestementeni elidala. Lena yinjongo nenhloso yalencwadi – ukubonakalisa ukuthi impilo kaJesu esemhlabeni ayiguquki izolo namhlanje kuze kufike ephakadeni, nokuthi lena yindlela uBaba wethu ayiyo.

## 2. UFunda kanjani?

UJesu wayenguthisha owayemangalisa kunabo bonke. Ngesikhathi abantu ababethunywe ukuba bebambe uKrestu ngabaholi bebandla kwakumele bechaze ukuthi kungani bengazanga naye, konke ababengakusho yilokhu:

> …Akuzanga kwakhuluma muntu njengalomuntu. Johane 7:46

Ngaphandle kokuthi sibheke leliqiniso, iTestemente elisha lisitshela ukuthi iningi labantu alikwazanga ukumqonda.

Ngesikhathi ekhuluma namaJuda ngokufa novuko lwakhe wathi, "Chithani lelithempile, ngobuya ngilivuse ngezinsuku ezintathu." Babecabanga ukuthi wayekhuluma ngethempile elibonwayo elalimi khona eJerusalema, kepha wayekhuluma ngethempile elingumzimba wakhe. UJesu watshela uNikodima ukuba kwakumele ezalwe kabusha; uNikodemu wacabanga ukuthi uJesu wayekhuluma ngokuzalwa kwenyama kodwa uJesu wayekhuluma ngokuzalwa ngokomoya. Ngesikhathi enikeza umama amanza okuphila emthonjeni, yena wayecabanga ukuthi uJesu ukhuluma ngamanzi aphathekayo kodwa wayekhuluma ngamanzi omoya. Nangaphezu kwalokhu, uJesu waxwayisa abafundi bakhe ngemvubelo yabaFarasi; kodwa bona bacabanga ukuthi wayekhuluma ngesinkwa esiphathekayo. UJesu wayesithi kubo:

> Aniqondi ngani ukuthi bengingakhulumi kini ngesinkwa na? Kepha xwayani imvubelo yabaFarisi nabaSadusi. Mathewu 16:11

Ngesikhathi wayefuza izigidi zabantu ngokudla, waqala ukufundisa ngenchazelo yalesi simanga ayesenzile. Wabachazela ukuthi isinkwa kwakuyisifanekiselo sokuphila kwakhe, umhlaba okwakumele kukubuke kuzindle ngakho. Wabatshela ukuthi:

> Odla inyama yami, aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade; mina ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela. Johane 6:54

Lamazwi amangalisa bonke ababemlalele. Bakhononda ngokuthi, "lamazwi alikhuni, ngubani ongawezwa na?" Abaningi balabo ababenentshisakalo ngomsebenzi wakhe baphenduka abasamlandelanga.

Wayekhona ezweni, izwe lavela ngaye; kepha izwe alimazanga. (11) Weza kokwakhe, abakhe abamamukelanga. Johane 1:10-11

Zonke lezi zinto kwaba ukugcwaliseka kwesiprofetho sika-Isaya:

Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo; ingalo kaJehova yambulelwa bani na? (2) Ngokuba yakhula njengehlumela phambi kwakhe, nanjengempande emhlabathini owomileyo; yayingenasimo nabuhle ukuba siyibuke, yayingabukeki ukuba siyifune. (3) **Yayideleliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula**; yeyiswa injengosithezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga nto yalutho. U-Isaya 53:1-3

Indlela yemvelo ewile yokuphendula eNdodaneni kaNkulunkulu ingukumenqaba nokumshiya kanye nezimfundiso zakhe.

Umuntu wemvelo kakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu, ngokuba kungubuwula kuye; angekuqonde, ngokuba kubonisiswa ngokomoya. 1 Kwabasekorinte 2:14

Uma indoda enemvelo ewile ifunda iZwi likaNkulunkulu ayiliqondi. IBhayibheli lisitshela ukuthi:

"Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami," usho uJehova. (9) "Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. U-Isaya 55:8-9

Ngaphandle kokuthi sizalwe kabusha nguMoya kaNkulunkulu, size ngokuzithoba eBhayibhelini, sicela ukuqondiswa, asingeqondi iZwi likaNkulunkulu uma lithi.

Uma umuntu ethi wazi utho, kakazi njengokuba kufanele ukuba azi; 1 Kwabasekorinte 8:2

Ngakho-ke, bazalwane bami abathandekayo. Yilowo nalowo muntu makasheshe ukuzwa, aphuze ukukhuluma, aphuze ukuthukuthela; Jakobe 1:19

Obuyisa izwi aphendule engakezwa, kungubuwula nehlazo kuye. Izaga 18:13

Kulula kakhulu ukunikela ngempendulo ngaphambi kokuba sizwe okushiwo. Bheka nasi isibonelo:

> Wathi kubo: "Mhla nginithuma ningenasikhwama, nayika, nazicathulo, naswela utho na?" Bathi: "Lutho." (36) Wayesethi kubo: "Kepha manje onesikhwama kasithathe, neyika futhi; oswelayo akathengise ngengubo yakhe, athenge inkemba. Luka 22:35-36

Maduze nje kubonakala sengathi uguqula umqondo wakhe?

> UJesu wayesethi kuye: "Buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayakubhubha ngenkemba. Mathewu 26:52

Ingabe uJesu wabatshela yini abafundi bakhe ukuthi bezithengele inkemba? kanti uma uPetro eyisebenzisa uyakhuzwa? Ingabe uPetro wayisebenzisa ngesikhathi esasingesihle? Uma kunjalo, ingabe uJesu wayemtshele ukuba eyisebenzise nini, nokuthi angayisebnzisa nini futhi? Amazwi athi, "bonke abathatha inkemba bayakubhubha ngenkemba," akholwa yizwe lonke. Uma lokhu kungenelanga sizothi ukuletha nail elinye iphuzu:

> namukele futhi isigqoko sensindiso, nenkemba kaMoya eyizwi likaNkulunkulu, Efesu 6:17

> Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nemizindlo yenhliziyo; KumaHeberu 4:12

> futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo. ISambulo 1:16

IBhayibheli likhuluma *ngenkemba* njengezwi likaNkulunkulu. Sazi njani ukuthi kwamele siliqonde ngalendlela noma ukuthi likhuluma ngenkemba yangempela? Masinake isibonelo somlilo.

> U-Eliya waphendula, wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo ezulwini, ukuqede wena

> namashumi ayisihlanu akho." Wehla-ke umlilo ezulwini, wayiqeda yona namashumi ayisihlanu ayo. 2 AmaKhosi 1:10

> Kwathi sezizakuphelela izinsuku zokwenyuswa kwakhe, wabhekisa ubuso bakhe ukuya eJerusalema. (52) Wathuma izithunywa phambi kwakhe; zahamba, zangena emzini wamaSamariya ukuba zimlungisele. (53) Kepha awamamukelanga, ngokuba ubuso bakhe babubheke eJerusalema. (54) Kuthe abafundi bakhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, bathi: "Nkosi, uyathanda ukuba sibize umlilo wehle ezulwini na, uwaqede, njengokwenza kuka-Eliya?" (55) Kepha waguquka, wabakhuza wathi: "Anazi ukuthi ningabomoya muni. (56) Ngokuba iNdodana yomuntu ayizanga ukubhubhisa imiphefumulo yabantu kodwa ukuyisindisa;" base beya komunye umuzi. Luka 9:51-56

Ingabe njengoba ekhuza abafundi bakhe ingabe no-Eliya uyamkhuza naye? Noma singasho ukuthi babengazi isikhathi esifanele esokubiza umlilo ovela eZulwini? Futhi amazwi kaJesu ajwayelekile emhlabeni. Uthi akazelanga ukuchitha izimpilo zabantu kodwa ukuba ezisindise. Ingabe lokhu kuyiqiniso kuphela uma sibheka ngesikhathi esaselapha emhlabeni? Nokuthi emuva kwalokhu wayesengazichitha izimpilo zabantu?

Lena ngeminye yemibuzo ebakhona uma sifunda iBhayibheli. Sizithola sinombuzo obaluleke kakhulu uJesu awubuza isazi umthetho esasimhlaba ngemibuzo.

> Wathi kuso: "Kulotshweni emthethweni? Ufunda kanjani?" Luka 10:26

UJesu akagcinanga ngokubuza lesazi umthetho ukuthi sasifunda *ini* kodwa nokuthi sasiwufunda *kanjani*? Usebenzisa ziphi izibuko nezimiso uma ulifunda izwi likaNkulunkulu? Lona ungumbuzo obaluleke kakhulu okumele siwuphendule uma sizokwazi ukwenza iBhayibheli lingaziphikisi kodwa livumelane kamnandi.

Lona ngumbuzo enye yamadoda ahola enye yezimvuselelo ezaba zinkulu kwelaseMelika ngasenyakatho ngenkulunyaka 19 yaba nawo. Esakhula uWilliam Miller wayelahlekelwe yithemba emiBhalweni engcwele, wenza isiphetho sokuthi ligcwele ngokuziphikisa. Kodwa emuva kokuthi ebone ukunqotshwa kweBritain yiMelika okwakumangachazeki, ngesikhathi

kwakubhekelelwe ukuthi iBritain yayizonqoba, waqonda ukuthi kwamele kubenesandla esasifihlekile esasibenza phakathi kwezizwe. Waqala waphindela eBhayibhelini ngelinye iliso. Kwakuzobiza ukuzithoba okukhulu kuye ukwenza lokhu, ngoba wayeke wahlekisa ngamaKrestu amaningi ngokuziphikisa kweBhayibheli. Ngesikhathi evuselela intshisakalo yakhe ngeBhayibheli, naye wazithola ehlangana nemibuzo ayeyibuza abanye.

> "Ngemuva kokuthi ephike inkolo yakhe yakuqala, iDeism (ukungakholelwa kwiziprofetho nesambulo sizwi likaJehova) wabuzwa umbuzo ngumngane wakhe uma besakhuluma ngethemba lokuphila okunaphakade ngenxa yemisebenzi emihle ekaKrestu kanye nokunxusela kwakhe. Umbuzo wawusithi 'wazi kanjani ukuba umsindisi onje ukhona?' Yena waphendula ngokuthi, "uveziwe eBhayibhelini." – impendulo eyabuya kuye igcwele ngamaphuzu ayewasebenzisa kwabanye naye, ngokuziphikisa kwalo iBhayibheli kanye nokugcwala inkungu kwalo "wazi kanjani ukuthi iBhayibheli liqinisile?" Umnumzane uMiller wezwa ukuhlaba okuphelele kwalawa mazwi. Ekuqaleni wayedidekile; kodwa ekugcineni wabona ukuthi uma iBhayibheli liyisambulo esivela kuNkulunkulu, kwamele lingaziphikisi kodwa libe nokuvumelana, kwamele linikezwe abantu ukuba libayale; kanti uma kunjalo kwamele lilotshwe ngendlela umuntu angaliqonda ngayo. Ngakho wayesithi, "nginike isikhathi, ngizoxazulula konke okubukeka sengathi kuyaphikisana ngize ngineliseke, uma kungenjalo ngizohlala ngingakholwa." Wayesezinikela ekufundeni kweBhayibheli ngomthandazo. Wabeka eceleni zonke izincwadi ezihlaziya iBhayibheli, wazisiza esebenzisa iMarginal (umphetho weBhayibheli) kanye neConcodance (noma ukuqoqelwa ndawonye kwamazwi afanayo encwadini bese kukhonjwe lapho engatholakala khona kuyo). Waqonda ukuthi kwakuzomele ehlukanise phakathi kweBhayibheli nezichachiselo ezijwayelekile zabantu. IBhayibheli lalilidala kunazo zonke lezi zichachiselo; kanti walibeka endaweni yalo. Wabona ukuthi lalifanele ukuba liqondise zonke izichachiselo nokumusha; kanti ekwenzeni lokhu ukukhanya kwalo okucwebile kwakuzokhanya ngaphandle kwenkungu yezinkolo zabadala. Wazimisela ukubekela eceleni yonke imibono yabantu, eyamukele njengomntwana omncane inchazelo yeBhayibheli esobala nelula ngokwemvelo." Sylvester Bliss, *Memoirs of William Miller* (1853) p 68.

Nakhu akwenza. Ngesikhathi esingangeminyaka emibili walifunda iBhayibheli kusukela kukhava kuye kwenye.

> "Ngazimisela ukubeka eceleni yonke imicabango enganginayo, ngiqhathanise uMbhalo ngomunye uMbhalo ngokuzimisela, ngifunde ngendlela ehlelekileyo ngesikhathi esithile. Ngaqala ngo-Genesise, ngafunda ivesi ngalinye, ngingalidluli ivesi ngize ngineliseke ukuthi inchazelo yalo ngiyayiqonda futhi ngingashiyi kuziphikisa kulo. Lapho ngithola into efiphele, ngangizoqhathanisa nezinye izindimana; kanti ngokusizwa ngu-Cruden, ngabheka yonke imiBhalo lapho kwakutholakala khona indawo efiphele. Bese, ngokuvumela lonke igama libe nendawo nesisindo salo esihlokweni esibukiwe, ubunzima babuzovele buphele. Ngalendlela ngazinikela ekufundeni kweBhayibheli, kanti emva kokulifunda isikhathi esingangeminyaka emibili, nganeliseka ukuthi liyazichaza ngokwalo. Sylvester Bliss, *Memoirs of William Miller* (1853) p 69.

Ngalesi sikhathi wasombulula uhlelo lwemithetho lokuletha ukuvumelana phakathi kwezinto ezazibonakala ziphikisana ake wabhekana nazo. Nasi isiqoqo semithetho ayeyisebenzisa:

1. Igama negama lifanele ukuba nesisindo salo esihlokweni esivezwa yiBhayibheli.
2. Yonke imibhalo iyadingeka, kanti ingaqondeka ngokufundisisa okukhuthele.
3. Ayikho into eveziwe emibhalweni ezofihleka noma icashele labo abacela ngokholo, bengangabazi.
4. Ukuqonda imfundiso, hlangansisa yonke imibhalo ndawonye ekhuluma ngesihloko ongathanda ukufunda ngaso; bese uvumele lonke igama lithole isisindo nomsebenzi walo; uma uthola imfundiso ngaphandle kokuphikisana, suneqiniso, awukwazi ukuphambuka.
5. IMibhalo mayizichaze yona, ngoba phela ingumthetho vele. Uma ngizoncika kuthishela engicacisele, bese eqagele, noma efise ukwenza ukuthi imibhalo ivumelane nesivumo sokholo lwakhe, noma ecabange ukuba yena uhlakaniphile, lokho kuchaza khona ukuthi ukuqagela kwakhe, izifiso zakhe noma ukuhlakanipha kwakhe nesivumo sokholo lwakhe, kuphenduka umthetho wami, akusasilo iBhayibheli.
6. Uma igama lenza umqondo ngokuma kwalo, lingena kuphikisana kanye nodlame emithethweni esobala yemvelo, kwamele

liqondwe njengalokhu libhaliwe; uma kungenjalo kwamele liqondwe njengesilinganiso.

7. Umthetho obaluleke ngaphezu kwayo yonke eminye ngothi, kwamele ube nokholo. Kwamele kube lukholo oluzimisele ukunikela, uma luvivinywa luvumele ukunikela nangento eligugu kunazo zonke emhlabeni, izwe nazo zonke izifiso zalo, imisebenzi, izihlobo, ikhaya, ukunethezeka neziqu zomhlaba. Uma enye yalezi zinto ingasinqabela ukuba sikholwe nanoma yiphi inxenye yezwi likaNkulunkulu, lokho kuzoshokhona ukuthi inkolo yethu iyize. Futhi angeke sakholwa uma enye yalezi zinto ibusa ezinhliziyweni zethu. Kwamele sikholwe ukuthi uNkulunkulu angeke alilahle izwi lakhe; kanti nathi singaqina isibindi ukuthi Yena onaka amagwababa nxa ewa, obuye abe nguye obala izinwele izise makhanda ethu, uzolondoloza ukushiqelwa kwezwi lakhe, alivikele aqinisekise ukuthi labo abamethemba ngeqiniso uNkulunkulu, abafaka ithemba labo ezwini lakhe bangadukiswa eqinisweni.

Lezindlela zokuchachisela iBhayibheli zaveza amathuluzi wokwandisa umyalezo owaletha enye yezimvuselelo ezinkulu ezike zabonwa emhlabeni.

Siyaqaphela ukuthi ukuze siqonde imfundiso ethile sidinga ukuba sithathe yonke imibhalo ekhuluma ngaleso sifundo sizihlanganise ngaphambi kokuthi senze isiphetho. Lonke igama kwamele libe nendawo nesisindo salo. Ebantwini abaningi lokhu akukholula ngoba sithanda ukuthola izimpendulo ngokushehsa, kodwa ukuhlolisisa yonke imibhalo ekhuluma ngendaba eyodwa kuthatha imizamo nokuzijwayeza. Masenza isibonela igama lesiGerike elithi *monogenes* elichaza *ukuzalwa* okukhulunywa ngakho ku Johane 3:16. Abantu abaningi bacabnga ukuthi legama lichaza into engafani nalutho nje, kodwa ingabe lithini iBhayibheli?

| | |
|---|---|
| …bheka wa ephunyiswa umuntu ofileyo, indodana **eyodwa** kanina, Luka 7:12 | Ingane ezelwe yodwa |
| Ngokuba yayindodakazi **eyodwa** kuphela indodakazi eyishumi nambili ubudala, yalala isifa. Luka 8:42 | Ingane ezelwe yodwa |
| Futhi bheka, umuntu ephakathi kwesixuku wamemeza wathi: 'Nkosi, ngiyakunxusa, bheka indodana yami, ngokuba ungowami nje **vo** | Ingane ezelwe yodwa |

| | |
|---|---|
| **komntwana ayenaye**. Luka 9:38 | |
| ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, (sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo **njengeyozelwe yedwa** kuYise,) egcwele umusa neqiniso.<br>Johane 1:14 | Ingane ezelwe yodwa |
| Akakho noyedwa owakhe wabona uNkulunkulu noma nini; iNdodana **ezelwe yodwa,** esesifubeni sikaBaba, nguyena ombonakalisile. Johane 1:18 | ingane ezelwe yodwa |
| Ngoba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe **ezelwe yodwa**, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Johane 3:16 | Ingane ezelwe yodwa |
| Lowo okholwa kuyo akalahlwa: kodwa ongakholwa ulahlwe kakade ngoba angakholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu **ezelwe yodwa**. Johane 3:18 | Ingane ezelwe yodwa |
| Ngokholo u-Abrahama, ngesikhathi elingwa, wanikela ngo-Isaka, yebo yena owayeyamukele izithembiso, wanikela ngendodana yakhe **ezelwe yodwa**. KumaHeberu 11:17 | Ingane ezelwe yodwa ngunkosikazi wakhe wangempela. |
| Kulokhu kwabonakaliswa uthando lukaNkulunkulu kithi, ngoba uNkulunkulu wathumela iNdodana yakhe **ezelwe yodwa** ezweni, ukuze siphile ngayo. 1 Johane 4:9 | Ingane ezelwe yodwa |

Ethestementeni elisha bahlanu kuphela abantu okuthiwa bazelwe bebodwa. Amavesi amahlanu akhuluma ngoJesu njengeNdodana kaNkulunkulu. Linye ivesi elikhuluma ngo-Isaka kanti elinye likhuluma ngengane eyazalwa yodwa eyaphiliswa nguJesu. Kwamanye amavesi akhuluma ngezinye izingane lapho kusetshenziswa leligama, kusobala ukuthi lichaza ingane ezelwe yodwa. Mayelana no-Isaka, siyazi ukuthi wayengasondodana ka-Abrahama yedwa, kodwa wayenguyena owazalwa kubo ngokwesithembiso ku-Abrahama beno-Sara. Uma sesihlanganisa

wonke lamavesi, siyabona ukuthi leligama uma likhuluma ngoJesu kwamele lisho into efanayo, umntwana ozelwe yedwa nguBaba.

Ukongeza kulokhu, ngumthetho owesithupha ochazwe ngaphezulu othi kwamele sithathe ivesi njengalokhu lisho, ngaphandle kokuba ukwenza njalo kumelane nemithetho esobala yemvelo. Akuyiphikisi imiBhalo ukuqonda ukuthi uJesu uyiNdodana ezelwe yodwa nguBaba. Ngakho ngalendlela sithola inchazelo yegama elithi ozelwe yedwa (*monogenes)* ngahandle kokuthi siphume eBhayibhelini ukuze sithole lenchazelo. IBhayibheli liyazichaza lizitolike ngokwalo.

Emizamweni yethu yokuletha ukubuyisana phakathi kwempilo kaJesu nezindaba ezinobudlova esifunda ngazo eTestementeni elidala kuzodingeka ukuthi sisebenzise lemithetho ngokukhulu okuqaphela. Uma singakwazi ukuthola okuchazwa yiBhayibheli ngempela; ukuthi "uJesu uminjalo izolo, namuhla ingunaphakade." KumaHeberu 13:8, kuzobiza ukuthi sizimisele: Ngakho-ke, uma engaguquki, lokhu kuchaza ukuthi ngesikhathi efeza umsebenzi wakhe lapha emhlabeni, wayeyisambulo esiphelele sikaYise.

## 3. Ukufa kwesiphambano

Umsebenzi weNdodana kaNkulunkulu emhlabeni kwakungukuveza isimilo sikaBaba. Indlela okumnandi ngayo ukufunda ngoMsindisi omnene nonothando esusa imithwalo, elapha izifo, ethinta izinhliziyo zabantu abesilisa, abesifazane kanye nezingane. Omama babelangazelela kangaka ukuletha izingane zabo kuye ukuba ezithinte ezibusise. Umhlaba wawungazange walubona loluhlobo lothando olukhathalayo noluzidelayo. Ngokudlula kwehora linye ngalinye, isithombe sikaBaba sasiphindiselwa ebuhleni baso bakuqala. Ebantwini abaningi ubuso bakuqala abakubona babungobukaJesu, ebavula amehlo, abanye izwi lokuqala abalizwa lingeleNdodana kaNkulunkulu elimnandi, eligcwele umusa neqiniso.

Isithombe esihle nesithathekisayo uJesu asidwebela sona sifana ngokuphelele namazwi akhulunywa kuMose cishe iminyaka engu-1500 edlule.

> Simakade wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaSimakade. (6) USimakade wadlula phambi kwakhe wathi, "USimakade! USimakade, uNkulunkulu onesihe nomusa ophuza ukuthukuthela novame ubumnene nokwethembeka… Eksodusi 34:5-6

Kepha impilo kaJesu yayibhalwe kwibodi elalinendwe ngegazi. UJesu esaneminyaka engu-12, eme ethempileni ebona iwundlu lihlatshwa, waqonda ukuba lesiyisiphelo sakhe naye. Ngesikhathi uMbhaphathizi emveza ezweni, wamveza ngalawa mazwi athi "… iwundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe." Johane 1:29. Inkokhelo yesono kwakumele ikhokhelwe, nokwahlulelwa ngokulunga kuneliseke njengokusho koMbhalo.

> balungisisiwe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu, (25) ammisileyo uNkulunkulu abe yinhlawulo ngokukholwa egazini lakhe, kubonakaliswe ukulunga kwakhe ngokuyekelwa kwezono ezenziwe ngaphambili (26) ekubekezeleni kukaNkulunkulu, ukuba kubonakaliswe ukulunga kwakhe esikhathini samanje, ukuze yena abe ngolungileyo, abe ngumlungisisi walowo okholwa nguJesu. AmaRoma 3:24-26

Ingabe uNkulunkulu wayebize isiphambano? Ingabe lokhu kwakuyiso isijeziso somuntu oweqa umthetho? Lemibuzo ibaluleke kakhulu. Uma

ulaka lukaNkulunkulu lwaneliseka ngokufa kweNdodana yakhe, kanti abe yena enguye omise lokufa, lokhu kudala inking ngesithombe esihle esilotshwe nguJesu ngoYise, ukuthi wayebiza ukubulawa kwengane engenacala. Amazwi akaJesu athi, "kuphelile," wayengazukuveza isithombe esihle sikaBaba omangalisayo, kodwa kuhlale njalo kunenkolo ethi uNkulunkulu nguyena awayefuna ukufa ukuba enelise ulaka lwakhe ngenxa yesono. Lokhu kwakuzomenza umqalisi wokufa nowasusa noma owasungulula ukuphindisela ngodlame.

Umprofethi u-Isaya wakhuluma ngesiphambano sikaKrestu iminyaka engu-700 ngaphambilini, waveza indlela yemvelo yokuqonda isiphambano.

> Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo; ingalo kaJehova yambulelwa bani na? (2) Ngokuba yakhula njengehlumela phambi kwakhe, nanjengempande emhlabathini owomileyo; yayingenasimo nabuhle ukuba siyibuke, yayingabukeki ukuba siyifune. (3) **Yayideleliwe, yashiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula; yeyiswa injengosithezelwa ubuso ngabantu, asiyishayanga nto yalutho. (4) Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, <u>kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.</u>** (5) Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina. U-Isaya 53:1-5

Ngesikhathi uKrestu eza ukuzosisindisa, indlela esaphendula ngayo kuye kwaba ngukumenqaba. Weza ukuzosinika ukuphila okuphakade, kepha indlela yemvelo yomuntu yokuphendula kulokhu kungukudelela lesisipho.

> Ukuphila kwakukuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu; (5) ukukhanya kukhanya ebumnyameni, kepha ubumnyama abukwamukelanga. Johane 1:4-5

INdodana kaNkulunkulu yayithwele izono zethu phezu kwayo, kepha thina kulokhu saphendula ngokuthi yayijeziswa nguNkulunkulu. Amagama athi ukujeziswa nokushaywa achaza ukuvithiza nokubulala ngodlame. Kodwa kwakungasoNkulunkulu owavithiza wabulala iNdodana yakhe ngodlame esiphambanweni; lokhu yikho okukholwa ngumuntu, kepha akusilo iqiniso. Manje ingabe kuyini okwabangela ukufa kweNdodana esiphambanweni?

Umfanekiso siwulotshelwe kwasekuqaleni ngesikhathi u-Adamu ebuzwa uma ukuthi ingabe udlile yini emuthini wokwazi okuhle nokubi.

> Kepha uJehova uNkulunkulu wambiza u-Adamu, wathi kuye: "Uphi na?" (10) Wathi: "Ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba ze; ngalokho ngacasha." (11) Khona wathi: "Ngubani owakutshela ukuthi uhamba ze na? Udlile kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na?" (12) U-Adamu wathi: "Owesifazane, owangipha yena ukuba abe nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla." Genesise 3:9-12

U-Adamu akacelanga ntethelelo nokuthi enzelwe umusa. Isono samenza waba yimpumputhe ngalendlela yokuthi akacabanganga ngisho nokucela. Kunokuthi eyamukele ukuthi unecala nokucela ukwenzelwa umusa wabeka icala kuNkulunkulu owadala u-Eva, okunguye owamlingayo. Wacabanga ukuthi uNkulunkulu ulikhuni kanti uvele ethanda ukujezisa ngokwemvelo yakhe. Kanjalo-ke isimilo sikaNkulunkulu seqiniso sasifihlekile kuye ngenxa yalawa manga. Sibona izimiso ezifanayo sisebenza endabeni ka-Kayini.

> Khona wathi uKayini kuJehova: Isono sami sikhulu kunokuba ngingasithethelelwa; Genesise 4:13 (Ehumushwe nguWycliffe, ungabheka neka Luther eyango-1912)

UKayini wanqaba ukuphenduka ngoba ekholwa ukuthi uNkulunkulu wayengeke emthethelele. Nanga amandla esono phezu koluntu; kungukukholwa ukuthi uNkulunkulu akanakuzithethelela izono zethu. Ngisho nendodana yolahleko ayiceli ntethelelo kodwa ikhetha ukuthi iziphindisele esimeni sayo ngokwenza imisebenzi.

> Ngiyakusuka, ngiye kubaba, ngithi: Baba, ngonile kulo izulu naphambi kwakho; (19) angisafanele ukuthiwa indodana yakho; ngenze ngibe njengomunye wabaqashwa bakho.' Luka 15:18-19

Yinye kuphela indlela yokuphenduka, ingukuthi sinikezwe uMoya kaKrestu njengesipho; loMoya usinika amandla ukuba selule izandla zethu sicele siphinde samukeliswe intethelelo.

> UNkulunkulu wawobaba wamvusa uJesu enambulala nina ngokumphanyeka emthini; (31) lowo uNkulunkulu wamphakamisa

> ngesokunene sakhe abe yiNkosi noMsindisi **ukuba anike u-Israyeli ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono.** Izenzo 5:30-31

Ngesikhathi u-Adamu esona, waba nenzondo kuNkulunkulu. Enhliziyweni yakhe wayenobutha naye, ngoba sifunda lokhu:

> Ngokuba ingqondo yenyama ingukufa, kepha ingqondo eholwa nguMoya ingukuphila nokuthula. (7) **Ngokuba ingqondo yenyama ingubutha kuNkulunkulu;** ngokuba ayuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi ayikwazi ukukwenza lokho; KwabaseRoma 8:6-7 (NIV)

Ukuze uNkulunkulu ekwazi ukunikeza u-Adamu ikhono lokuphenduka, nelokucela intethelelo, wathumela uMoya weNdodana yakhe enhliziyeni ka-Adamu, ukwenzela ukuthi ekhale ethi "Aba Baba." NguMoya kaJesu uku-Adamu kuphela owawungamnika umusa nokuthi enze lesisikhalo.

> Kanti ngoba ningamadodana, uNkulunkulu uthumile uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu omemeza ethi: "Aba, Baba!" KwabaseGalathiya 4:6

Ngokuza ku-Adamu ngesikhathi engavumi lutho, uKrestu kwakumele ebekezelele ubutha obabusenhliziyweni ka-Adamu ukwenzela amuphe umusa. Lenzondo yiyona egwaza inhliziyo kaKrestu iphinde ibangele ubuhlungu obukhulu.

> Wathi: "Nempela bangabantu bami, abantwana abangakhohlisi," waba ngumsindisi wabo. (9) Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye, **ingelosi yobuso bakhe yabasindisa; ngothando lwakhe nangokuhawukela kwakhe wabahlenga, wabanqukula, wabathwala zonke izinsuku zakuqala.** U-Isaya 63:8-9

Nansi into enza uKrestu abeyiwundlu elahlatshwa selokhu kwasekelwa umhlaba. ISambulo 13:8. Ukwenzela enike uluntu isifiso nentando yokucela umusa nentethelelo, uJesu kwamele ezwe umunyu nobuhlungu bokunqatshwa nokuzondwa ngabantu. Udeleliwe, washiywa ngabantu, umuntu wobuhlungu owazi ukugula. Ngaso sonke isikhathi uma abantu benqaba ukunxusa kukaKrestu enhliziyweni, lokhu kwenqaba kuyamgwaza kufika ekujuleni kothando lwakhe ngemiphefumulo yabo. Konke ukubonakaliswa kobubi obuhleli enhliziyweni zabantu kubangela usizi olukhulu kuKrestu, kanti uzwa ubuhlungu obungachazeki; ubuhlungu

bomuntu olinyazwayo kanye nobomuntu owenza lobubi. Uma sibheka ngaleli iso, ngempela uKrestu udeleliwe, washiywa ngabantu ngisho nangezinsuku u-Isaya wayebhala lawamazwi iminyaka engu-700 engekaveli emhlabeni uKrestu. Ngakho-ke namhlanje uthwale ubuhlungu obufanayo emahlombe akhe njengesiphambano ukwenzela ukuthi enike uluntu isikhathi sokuphenduka ezindleleni zalo ezimbi, lifunde iqiniso ngoBaba.

Ngoba uluntu lwaluzimisele ukungakholwa ukuthi uNkulunkulu angaxolela, uKrestu kwakumele emelane nalokhu ukuze ehlenge uluntu. Ukwenzela ethathe indawo yethu kwakumele efe njengabantu babefa. Lokhu kufa yilokhu izoni zikholelwa ukuthi uNkulunkulu akanakuzithethelela. Amanga athi uNkulunkulu akathetheleli anikeza uSathane amandla wokufa. Ngakho uKrestu kwakumele emehlule ekufeni uSathane.

> Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze **ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane,** KumaHeberu 2:14

Ukufa kwesiphambano kuyinto eyayifunwa yisono – hhayi uNkulunkulu. Uma umuntu eqa umngcele enze isono, kuba ngokungenzeki ukuthi lomuntu ephenduke, ngoba konke ukubonakala komusa kuyashabalala, kanti umphumela owodwa voh osele, ukufa! Uma umuntu ebheka umthetho ophelele kaNkulunkulu njengesibuko, azithole efisa ukubeka ukufa njengento edingwa nguNkulunkulu, uzibona yena kanti lokho kuyambulala.

> Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, **lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni**; Jakobe 1:23 (NKJV)

> Ngokuba ngokwahlulela enahlulela ngakho nani niyakwahlulelwa ngakho, nangaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso. NgokukaMathewu 7:2

Ngesikhathi u-Adama ekhetha ukuthatha isithelo somuthi, wakhetha ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wayengamufiseli okuhle kodwa. Wakhetha ukukholwa amazwi wenyoka, ukuthi uNkulunkulu wayengumqambi wamandla ozifunela okwakhe yedwa. Lemicango, yephindela phezu kwakhe yamahlulela njengalokhu ayecabanga uma seyibekwa esibukweni

esingumthetho ophelele. Imicabango yakhe ngoNkulunkulu eyayingamanga yenza isandla sakhe esasingeluleka futhi siphinde siluleke ukwamukela umusa, kodwa lesi sandla sashwabana ngokuphelele. Kwakungenakwenzeka ukuthi ebuye ephunduke kulesi simo. Ukufa sekumele kube ngumphumela, ngokuba lesi yisigwebo asinqumile.

Ukuze avezele izwe lezi zimiso, uKristu weza ukwenzela asivezele isiphambano nokuthi sibone imvelo yangempela yesono. UJesu wakhuluma amazwi endoda esindwa yisono:

> Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: "Eli, Eli, lama sabaktani?" okungukuthi: "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?" NgokukaMathewu 27:46

UNkulunkulu akayishiyanga nakancane iNdodana yakhe. Kodwa ngenxa yokuthi wayetshate izono zethu phezu kwakhe, wafa njengomuntu ongena kuthethelelwa ngoba yiyo intando yomuntu – umuntu othi ngesikhathi izono zakhe zilethwa eduze kangaka naye, acabange ukuthi akakwazi ukuba engathethelelwa, noma ongekabi nesiqiniseko sokuthethelelwa. Umuntu onjalo uzozizwa engodeliwe nguNkulunkulu. Kulamazwi kaKristu sibona isiqalekiso sesona esasiphezu kwakhe, isiqalekiso esaphumiselwa nguKayini.

> Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba, ngicashe ebusweni bakho; ngiyakuba **ngumhambuma** nozulane emhlabeni… UGenesise 4:14

Igama elithi mhambuma lingachaza ukubhadazela nokuzanyazanyiswa. UKristu uyatshengisa ukuthi nesiqalekiso sesono sikaKayini. Wezwa sengathi ubuso bukaNkulunkulu babusithelehe wachuga ngaphansi kokuzisola nokwesaba. Imbhalo isivezela ukuthi yini efihla ubuso bukaBaba.

> Ngokuba ngichashwa ngenhlamba ngenxa yakho; ihlazo lisibekele ubuso bami. AmaHubo 69:7

> Kepha ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu, nezono zenu zibusithile ubuso bakhe kini ukuba angezwa. U-Isaya 59:2

Esindwa yizono uKristu wakhala:

> Ngokuba izinhlupheko ezingenakubalwa zingihaqile, **iziphambeko zami zingificile, angikwazi nokubona**; ziningi kunezinwele zekhanda lami; inhliziyo yami ingishiyile. AmaHubo 40:12 (NIV)

Maqondana naBaba sifunda ukuthi:

> Ngokuba akadelelanga, akanengwanga yinhlupheko yohluphekayo; akamfihlelanga ubuso bakhe, kepha nalapha ekhala kuye, wezwa. AmaHubo 22:24

Ihlazo lezono zethu lamboza ubuso bukaJesu, ngangokuthi akazange wakwazi ukubona ubuso bukaYise. Wabhekana nokufa njengalokhu sonke isoni sizobhekana nakho ekupheleni kwempikiswano enkulu. UKristu wezwa amalangabe omlilo phezu komphefumulo wakhe.

> Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela. (6) Ekuhluphekeni kwami ngambiza uJehova, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa izwi lami esethempelini lakhe; ukukhala kwami phambi kwakhe kwangena ezindlebeni zakhe. (7) Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; izisekelo zezintaba zathuthumela, zagubhuzela ngokuba ethukuthele. (8) Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo emlonyeni wakhe; amalahle avutha kuye. AmaHubo 18:5-8

UKristu wahlupheka ukufa kwababi. Umlilo wavela ngaphakathi kwakhe wamudla. Izono zethu phezu kukaKristu zamenza wahlupheke njengalokhu uSathane nabo bonke ababi basezohlupheka ekugcineni.

> Ngobuningi bobubi bakho ekuthengeni kwakho okungalungile ungcolisile izindlu zakho ezingcwele; ngakho-ke ngizophumisa umlilo phakathi kwakho, uzokuqeda… uHezekeli 28:18

Njengomuntu othathe indawo yethu, ithempile kaKristu engumzimba wakhe wangcoliswa ngobuningi bobubi bethu. Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu. Ukufa okubuhlungu okuzofiwa nguSathane, uKristu sekunambithile esiphambanweni. Inhliziyo kaKristu yabhamuka ngenxa yomlilo owaqhamuka ngaphakathi kuye, kwavela amanzi negazi. UKristu wafa emlilweni wesihogo esiphilayo kanti lena yindlela ababi abazofa ngayo. Ngithatha isikhathi ukucabanga kancane ngokumangala okukhulu ukuthi njengalokhu uBaba engayishiyanga iNdodana yakhe kodwa ehlupheke nayo ekufeni kwayo

kwesiphambano nakanjalo uYise benoMsindisi bazoba bekhona lapho ngesikhathi abakhohlakele bezohlushwa, bazohlushwa ndawonye nabo kulawo malangabi omlilo wesihogo. IBhayibheli lisitshela ukuthi:

> Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye… U-Isaya 63:9

Akekho ubaba ungathokozela ukulahlekelwa yingane, kulusizi kuye. Kanjalo-ke uYise kanye neNdodana bazophinde bezwe izinhlungu zesiphambano ndawonye nabakhohlakele ekufeni kwabo. Njengoba abangcwele beme endongeni zeZion bebona izithandwa zabo kulowo mlilo, uMsindisi kuzomele ebathwale nakulesi siphambano kanti kuzothatha iminyaka eyinkulungwane ukubalungiselela lesigameko. NjengoMariya nabafundi ngesikhathi bebheke iNdodana kaNkulunkulu ilenga esiphambanweni bakhala ngosizi, kanjalo nabangcwele bazogwazwa kukubhubha kwezihlobo zabo ezithandekayo ezanqaba ukwamukela umusa kaNkulunkulu. Kungalesi sikhathi lapho sitshelwa khona ukuthi khona uNkulunkulu uzosula zonke izinyembezi emehlweni ethu.

> [uNkulunkulu abe nabo] azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile.” ISambulo 21:4

Lokhu kwenzeka emva kokubhubha kwabakhohlakele kuSambulo 20:

> Nolwandle lwakhipha abafileyo ababekulo, nokufa neHayidese kwakhipha abafileyo ababekukho, bahlulelwa yilowo nalowo njengokwemisebenzi yakhe. (14) Ukufa neHayidese kwaphonswa echibini lomlilo. Lokhu kungukufa kwesibili. (15) Uma ekhona ongafunyaniswanga elotshiwe encwadini yokuphila, waphonswa echibini lomlilo. ISambulo 20:13-15

Njengalokhu uKristu wavuka ethuneni lokuhlushwa kwakhe iminyaka engu-2000 edlule, kanjalo uzokuvuswa osizini lwakhe lokulahlekelwa yizigidi nezigidi zabantwana abamkhafulela, bamdelela, banqaba ukwamukela umusa nothando lwakhe. Kanti njengalokhu uKristu wavuswa yisibusiso sikaBaba, nathi sizovuswa kanye naye ukungena ezweni elisha sekungasena sizi nakancane.

Masiphindeleni ekuhluphekeni kukaKristu esiphambanweni ukubheka okunye. Siyabona ukuthi nanoma kwakusele kancane ukuthi adele konke,

ngesikhathi ezizwa ehlezi yedwa, eshiyiwe, ngokholo uKristu wacela uBaba ukuthi ethethelele labo ababembulala.

> Kepha uJesu wathi: "Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo... Luka 23:34

*Ukufa kwesiphambano kwambula amanga kaSathane athi uNkulunkulu akakwazi ukusixolela.* Siyabona ukuthi uNkulunkulu wanikela ngeNdodana yakhe endleleni yethu yokwahlulela ewile. Wavumela ukuthi efe engena themba, ukwenzela ukuthi uma sibona ukuthi uvukile ethuneni, sizokhetha ukukholwa ukuthi singathethelelwa izono zethu, samukeliswe ithemba elibusisiwe lokuphila kokuhlanzeka. UMoya weNdodana ungena ezinhliziyweni zethu uphakamise izandla zethu ezishwabene ngokomoya ukuthi zithathe zamukeliswe umusa ovela kuNkulunkulu.

Kuyamangalisa ukwazi ukuthi akabizanga ukufa. Akami ebhekane nesoni njengejaji elibiza isigwebo sokufa. UBaba ngomusa wakhe wavumela ukuba iNdodana yakhe isivezele isiphetho salabo abanqaba ukukholwa umusa kaNkulunkulu. Akazanga wayibulala iNdodana yakhe ukuze enelise ulaka lwakhe, kodwa wayinikela olakeni lwethu ukwenzela ukuthi ngalokhu kufa sibone uthando lukaNkulunkulu.

Isixwayiso esanikezwa u-Adamu nguNkulunkulu ensimini sokuthi ngosuku ayezokudla umuthi wokwazi wayezokufa, wayengamsabisi noma emsongela ukuthi wayezombulala. Kwakuyisixwayiso salokhu okwakuzowela phezu komuntu ngenxa yokukholwa kwakhe ukuthi uNkulunkulu uzicabangela yena yedwa futhi akana kuxolela. Kuyiqiniso elihle futhi ukuthi uKrestu kuphela owayenolwazwi lokujula nokudepha nobubanzi bothando lukaNkulunkulu, wayekwazi ukuthi kwakusengenzeka ukucela intethelelo nomusa kuNkulunkulu. Mathewu 11:27. Ngakho-ke kuyakhanya ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yiyona efinyelela ezinhliziyweni zabantu ibanike isibindi sokukholwa ukuthi bengaxolelwa.

Isambulo sesiphambano siyisimanga. Masingasaqhubeki sibheka uKrestu njengomuntu "oshaywe nguNkulunkulu wajeziswa" kodwa njengomuntu "odelelwe ngabantu wanqantshwa" – obonakale eshaywa wajeziswa ngenxa yokungaqonda isimilo sikaNkulunkulu. UNkulunkulu akazange wahlosa wafisa ukuthi ukufa kube yisijeziso sesono; kodwa ukufa kungumphumela ohlezi uzovela uma sikholwa ukuthi uNkulunkulu akana kuxolela.

# 4. INdodana Yami Ethandekayo

Kwakunokuthula okwesikhashana besabambene. Ukujula kwemizwa kukukhulu, kodwa bobabili bayazi ukuthi sekufike isikhathi. Ukusukela ephakadeni uYise beneNdodana babehlezi njalo bexoxisana ndawonye, kanti manje sekufike isikhathi lapho khona lokhu kuxhumana kwakuzo phuka. INdodana kaNkulunkulu ithatha inkonzo yokubuyiselana kwamadodana namadodakazi akhe kanye noNkulunkulu. UYise neNdodana babeqonda izindleko ezikhona, kodwa uthando lubaqhubela phambili.

Bephenduka kulokhu uYise wanga iNdodana yakhe; wayengamnikela kanjani esiphethweni esinje na? Umhlaba ungekasekelwa, uYise ubekewalwisana namathuba okuhlulwa nokuhluleka kwalomsebenzi omkhulu, nengozi yokulahlekelwa yiNdodana yakhe emandleni esono. Uzwelo olukhulu lukaYise olwalukuyo iNdodana njengefa lubonakaliswa kwisicelo asenza kuYise ukuba eze ukuzosisindisa. Ingabe uYise wayezovumela ukuba iNdodana ikwenze lokhu? Wayezomvumela ukuba athathe lengozi?

Ukujula kothando lukaNkulunkulu kithina kubonakala ngothando lwakhe eNdodaneni yakhe kanye nengozi ayelungele ukuba abhekane nayo ukuze sisindiswe thina. Sithola isithombe sothando lukaBaba ngesikhathi ekhuluma embhabhathizweni weNdodana yakhe.

> Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: "Lo uyiNdodana yami ethandekayo ontokozo yami ikuye. Mathewu 3:17 (Tyndale)

UYise uyathokoza ngeNdodana yakhe. Ayikho into eligugu empilweni kaYise edlula iNdodana yakhe. Uma iNdodana kaNkulunkulu ikhuluma ngokuzalwa kwayo ezulwini ithi:

> Zingakasekelwa izintaba, namagquma engakabikho, ngazalwa, (26) engakawenzi umhlaba namasimu, nokuqala kothuli lwezwe. (27) Ekulungiseni kwakhe izulu ngangikhona, nasekudwebeni kwakhe umkhathi ebusweni botwa. (28) Lapho enza ukuba isibhakabhaka phezulu siqine, nemithombo yotwa iphuphume ngamandla, (29) lapho emisela ulwandle umncele, ukuze amanzi angeqi izwi lakhe, nalapho emisa izisekelo zomhlaba, (30) khona nganginaye ngiyingcweti

> yomsebenzi, ngiyintokozo yakhe imihla ngemihla, ngijabula phambi kwakhe isikhathi sonke, IZaga 8:25-30

Sibona isithombe sesandla esimnene sikaYise phezu kwehlombe leNdodana yakhe bexoxisana ekudaleni komhlaba. UNkulunkulu wadala zonke izinto ngayo iNdodana yakhe, futhi kwakuyintokozo kuYise ukubona iNdodana isebenzisa amandla nokuhlakanipha ayemnike khona ukwenza lokhu.

> UNkulunkulu esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, (2) ekugcineni kwale mihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise ibe yindlalifa yakho konke, adala ngayo futhi izwe. (3) Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo… KumaHeberu 1:1-3a

> UYise uyayithanda iNdodana, wanikela konke esandleni sayo. Johane 3:35

Ubudlelwano buka Yise neNdodana babusondelane ngangokuthi uKrestu wayengathi:

> Konke ngikunikelwe nguBaba; akakho owazi iNdodana, kuphela uYise; akakho futhi owazi uYise, kuphela iNdodana nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena. Mathewu 11:27

> njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; Johane 10:15

> Ngokuba uYise uyayithanda iNdodana, uyikhombisa konke akwenzayo yena; woyikhombisa imisebenzi emikhulu kunalena ukuba nimangale. Johane 5:20

Njengalokhu uJuda wakhuluma kuJosefa maqondana nothando lukayise ngoBejamin, kanjalo nathi siyabona ukuthi ukuphila kukaYise osezulwini kugoqelelwe ekuphileni kweNdodana (uKrestu) Genesise 44:30. Njengokwazi kwawo wonke umzali onothando, akukho ongeke wakwenzela ingane yakho ukuyibonisa uthando lwakho noma ukuyivikela nokuyenzela okuhle. Yilolu uthando lukaYise eNdodaneni yakhe. Uma sesinalokhu kuqonda sesingacabanga ngalesi siqaphuno esibaluleke kakhulu embhalweni:

> Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Johane 3:16

Igama elithi "kangaka" lisitshela ngothando olungasoze lwaqondwa ngokugcwala kwalo. Njengoba uYise wayelalele ukunxusa kweNdodana yakhe ukuba ize ukuzosisindisa, uYise wayehlelwa ngubumnyama obesabekayo okungekho sidalwa esasingakuqonda ngokugcwele ngempela. Ngemva komzabalazo omkhulu, uYise ngenxa yothando lwakhe eNdodaneni nakithi wavumela isicelo seNdodana ukuba isindise uluntu. Uthando olumangalisa kangaka, olungena kuqondwa, oluyisimanga loluthando – nakhu esizozindla ngakho iphakade lonke.

Njengoba besesishilo ngaphambilini, izinhlupheko zikaKrestu aziphelanga noma zaqala ngokuba kwakhe lapha emhlabeni. Isona siqala nje ukuvela, uMsindisi wabakhona naye. Kwakungumoya kaJesu owawugcine ababili ensimini yase-Edeni bephila. Ngesikhathi bedla isithelo njengokunxusa kukaSathane ephakathi kwenyoka, uKrestu wapitsheka enqatshwa, yena kanye noYise. Ngemva kwakho konke ababekunikiwe, ukuswela ukubonga kwabo kwadalela ukuba ukrestu ezwe ubuhlungu obukhulu njengalokhu wonke umzali esazi uma ingane zabo zibaphendukela. Noma kusenjalo uKrestu akabashiyanga. Yayiyodwa vo! Indlela eyokuthi beqhubeke bethola impilo, yayingeyokuthi ehlale nabo ngoMoya Wakhe, aqhubeke ebanikeza ukuphila nanoma behamba hamba phezu komthetho kaYise nesimilo sakhe.

Ngaso sonke isikhathi uma u-Israyeli wayeyenze isono kwakumele beze newundlu njengomnikelo.

> "'Uma kona umuntukazana, enza kungengamabomu noma yikuphi kuyo imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, aze abe necala, (28) uma aziswa isono sakhe one ngaso, woletha umnikelo wakhe wembuzi, insikazi engenasici, ngesono sakhe one ngaso. (29) Uyakubeka isandla sakhe enhloko yomnikelo wesono, awuhlabe umnikelo wesono endaweni yomnikelo wokushiswa… (31) Onke amanoni awo uyakuwasusa, njengalokhu amanoni esuswa emhlatshelweni weminikelo yokuthula, umpristi awashise e-altare abe yiphunga elimnandi kuJehova, umpristi amenzele ukubuyisana, aze athethelelwe. (32) 'Uma eletha iwundlu libe ngumnikelo wakhe wesono, woletha insikazi engenasici. (33) Uyakubeka isandla sakhe enhloko

> yomnikelo wesono, awuhlabe, ube ngumnikelo wesono endaweni lapho behlabela khona umnikelo wokushiswa. Levitikusi 4:27-29, 31-33 (NKJV)

Lendlela yokwenza itshengisa iqiniso elibuhlungu elokuthi sonke isono siletha ukuhlupheka eNdodaneni kaNkulunkulu. Kusekala ngesono sokuqala kuze kube namhlanje, uKrestu uzwa ubuhlungu bokunqatshwa nokudelelwa, nobuhlungu obujulile balokhu abantwana bakhe abalahlekileyo abakwenza omunye komunye emhlabeni. Sonke isono senza ukuba ebethelwe kabusha, abekwe ihlazo futhi. KumaHeberu 6:6. Lelizinga lokuhlushwa kungaphezu kokuqonda kwethu; sicishe sihluleke ukuqonda ukuthi izinhlupheko zikaKrestu azibanga ngamahola angu-48, aqala ngokubanjwa kwakhe agcine ngesiphambano, noma ukuthi kwaba yisikhathi esingangeminyaka engu-33 ephila emhlabeni, kodwa sigoqelela yonke iminyaka engu-6000 yokunqatshwa nokuhlupheka. Uma bekungenzeka ukuthi siqonde konke lokhu kuhlupheka ngesikhathi kufika enhliziyweni kaYise, besizoqonda ngempela ukuba uYise akahlukumezekanga kancane kuneNdodana, ngoba wonke umzali uyahlukumezeka uma ingane yakhe isezinhlungwini.

> … uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye, engababaleli iziphambeko zabo, ebeka kithi izwi lokubuyisana. 2 Kwabasekorinte 5:19 (NKJV)

Singakwazi yini ukuba sibone nakancane izinhlupheko zikaYise ngesikhathi ebheke indlela izwe elaliphathe iNdodana yakhe ngayo? Singakucabanga yini ukudabuka kwenhliziyo kaBaba ngesikhathi iNdodana imcela ukuba:

> …"Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lesi sitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena." Mathewu 26:39

Kungenzeka ukuba sithole induduzo ngokwazi ukuthi izinhlupheko zikaKrestu zenzeka iminyaka engu-2000 edlule, kodwa khona manje uKrestu uzwa izinhlungu zezingane zonke uSathane azithumbile ukuzisebenzisa ngokocansi; izinhlungu zabo bonke abangena makhaya nezingane ezilambayo, okwenzeka ngenxa yobugovu bomuntu; izinhlungu zawo wonke umuntu ohlukumezeka ekhaya lakhe lanye nodlwengulwayo; izinhlungu zezigidi zabantu ezihanqwe yizidakamizwa notshwala; izinhlungu zezinkulungwane zabantu abafisa ukuthatha izimpilo zabo

usuku nosuku – Ukrestu ukuzwa konke, noYise futhi kanjalo. Lezi zinhlungu azigcini ngokuba ezalabo okwenzeka kubo lobubi kodwa nezinhlungu zalabo abenza lokhu kukhohlakala. UMoya kaKrestu ufisa ukusindisa abacindezela abanye ngokubakhomba izono zabo. Ukuzisola abakuzwayo akuzanga ngoba ebalahla noma ebagweba kodwa ukuba ebasindise ukuba bengaziqinisi izinhliziyo zabo, ekugcineni belahlekelwe yimiphefumulo yabo. Ukuzisola okufikayo kuza ukuze kusindiswe, hhayi ukulahla. Uma umuntu exosha loluvalo nokuzisola ngotshwala nangezidakamizwa nanoma yini engasetshenziswa ukwenza ukuthi ingqondo ingacabangi ngalokhu okuqhubekayo, kanjalo uKrestu usuka edelelwa, enqatshwa, ethuliswa. Lokhu kwenzeka ebantwini abazinkulungwane mihla namalanga, bephendula othandweni olwazidela esiphambanweni, isibonakalo esihle nesikhazimula kakhulu kunokuthi singabhekwa.

Ngalesi sikhathi, nathi sesingalingeka ukuthi sisho njengabaFarasi ukuthi:

> "…Wena odiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni." (41) Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa kanye nababhali namalunga, bathi: (42) "Wasindisa abanye, angezisindise yena; uma eyinkosi yakwa-Israyeli, akehle manje esiphambanweni, sizokholwa nguye. Mathewu 27:40-42 (NKJV)

Sibona indlela yeqiniso okumele siphendule ngayo empilweni kaMariya uMagdala. Waqonda izinhlupheko uKrestu ayezodlula kuzo ngenxa yakhe, wakholwa ukuthi ngenxa yesenzo sakhe naye wayezothethelelwa. Ukubonga kwakhe kwageleza ngokuchichima kwamafutha anephunga elimnandi ayevele ebhokisini elalenzelwe iNkosi.

Kusenjalo umbuzo kwamele ubuzwe: Uma uNkulunkulu enamandla wonke, kungani evumela ukuba yena kanye neNdodana yakhe bezwe ubuhlungu obungaka? Okwesibili, kungani engavele engenelele emise konke lokhu kuhlukunyezwa nokuhlupheka? Esahlukweni esilandelayo sizophendula lemibuzo. Okwamanje bheka iwundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe, ubheke ngokumangala uthando nokubekezela kukaYise osezulwini ukumela lokhu kuhlukumezeka okweminyaka engu-6000 edlule. Nembala, uNkulunkulu walithanda izwe kangaka uze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa.

## 5. Ubothanda Izitha Zakho

Ngesikhathi uJohane umbhaphathizi eveza uJesu njengoMesiya, ithemba lika-Israyeli lokuba yisizwe esikhulu lavuseleleka. Amagama abantu abanje ngoJudas Maccabees athula ijoko lombuso wamaSelesude wafika ezingqondweni zesizwe samaJuda ngesikhathi becabanga ngenhlupheko yabo ngaphansi kwejoko nesandla sensimbi samaRoma. Izixuku zabantu zisacala ukubuthana kulomfundisi owayesemusha, zibona ukusebenza kwamandla akhe ngokuphulukisa ababegula, kwakhula ukulindela okukhulu esizweni sonke.

> UJesu walihamba lonke laseGalile efundisa emasinagogeni abo, eshumayela ivangeli lombuso, ephulukisa abantu ezifweni zonke nasebuthakathakeni bonke. (24) Udumo lwakhe lwezwakala ezweni lonke laseSiriya; baletha kuye bonke abagulayo abaphethwe yizifo ngezifo nobuhlungu, nabakhwelwe ngamademoni, nabanesithuthwane, nabafe uhlangothi, wabaphulukisa. (25) Izixuku eziningi zamlandela zivela eGalile, naseDekapholi, naseJerusalema, naseJudiya, nangaphesheya kweJordani. Mathewu 4:23-25 (NKJV)

Ngemva kokuthi agcobe abafundi abayishumi nambili, uJesu waya nabo ngasolwandle. Izixuku zabantu zaqala ukubuthana, abanye beze ukulalela kanti abanye beze ukuzosinda ezifeni zabo. Beqhubeka ngokukhula abantu, uJesu wabaholela ngasentabeni lapho aqala khona ukukhuluma. Izibusiso ezazigeleza ziphuma emlonyeni wakhe zazingazange zazwakala kuluntu. Waqala intshumayelo yakhe ngamazwi anjengalawa:

Babusisiwe abamnene, babusisiwe abanesihawu, babusisiwe futhi abalamulayo. Mathewu 5:5, 7, 9. Kunokuthi adumise amadoda ayenamandla amakhulu, nasebenzela iqiniso ngobuhlakani, wakhuluma izibusiso kulabo ababezingelwa ngenxa yokulunga nalobo ababethukwa bekhulunywa kabi ngenxa yegama lakhe. Mathewu 5:10, 11. Akazange aphumisele amagama womholi wamasosha onesifiso sokuziphindisela, kodwa ngobumnene, nobubele nothando lukaYise ayefisa ukuba kubonakale kubo bonke abalandeli nabafundi bakhe.

Lamazwi ayekhulunywa nguJesu akagcinanga ngokukhulunywa kuphela kodwa wayephila ngawo ngakho konke ayekwenza esemhlabeni. Uzwelo lwakhe, umusa, nokubekezela kwakhe kwakuhlezi kuvela njalo. Ngesikhathi eshaywa ebulawa ekuvaleni komsebenzi wakhe emhlabeni

akubonakalanga ukulwa nokuziphindisela. Akufundisa ngalolusuku kwaveza ukuthi wayengubani nokuthi wayemele uYise, waveza ukuthi uNkulunkulu wayenjani. Kubalulekile ukuthi siqonde ukuthi uJesu wayengasiceli ukuba senze into ayengayenzi ngakwakhe, siqonde ukuthi akusikho ukuthi ngoba yena evela phezulu unemithetho ehluke kuneyethu. Cha. Kungenxa yokuthi wayevela phezulu futhi unguNkulunkulu vele yingakho wakhuluma nathi ngendlela akhuluma ngayo entabeni.

Amazwi kaJesu ahlaba ajule ekuziqhenyeni kwesiwe samaJuda, kanti ngoba lamazwi akhulunywa kumuntu wonke ezweni lonke, ahlaba ajule ekuziqhenyeni nasekuziphakamiseni koluntu lonke. Sizithola sesibona vele ukuthi kungukulunga kukaNkulunkulu uma kubonwa ngumuntu oyisoni okudala inguquko kuyena, kuphinde kumvezele inchazelo yamazwi wokuvula wentshumayelo kaJesu esentabeni – babusisiwe abampofu emoyeni; babusisiwe abakhala ngenxa yobuze, ukuziqhenya nokuziphakamisa kwabo.

Iqhubeka ikhuluma, iNdodana kaNkulunkulu ihlaba ngokujula nangaphezulu enkingeni yoluntu:

> Nizwile ukuthi kwathiwa kwabasendulo: 'Ungabulali, yilowo nalowo obulalayo uyakuba necala lokwahlulelwa.' (22) Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo othukuthelela umfowabo kungenasizathu uyakuba necala lokwahlulelwa; noshoyo kumfowabo ukuthi 'silima', uyakuba necala emphakathini, noshoyo ukuthi: 'Siwula' uyakuba necala lokulhlwa **esihogweni somlilo**. Mathewu 5:21-22 (RV)

UJesu ukhulisa amazwi ayenikezwe uMose iminyaka engamakhulu edlulile. Akasusi ichashazana noma-ke inqi kuwo umthetho, uma kukhona akwenzayo yikukhulisa umthetho awenze umenyezele ngokukhanya.

> Ungazondi umfowenu enhliziyweni yakho; ungamkhuza nokumkhuza umakhelwane wakho, kepha ungabi nasono ngaye. (18) Ungaphindisi, ungabi namagqubu nabantwana babantu bakho, kepha wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena; nginguJehova. Levitikusi 19:17-18 (RV)

Ngubani na ongazange wathukuthela omunye umuntu ongamphathanga kahle? Ngubani ungazanga wacabanga ngendlela angaziphindisela nalabo

abamthathela phansi nabamhlambalazayo? Ngubani okewakwazi ukugwema ukubanegqubu nomunye umuntu nangasiphi isikhathi? NoJohane uphinde wakhulisa amazwi kaJesu ngesikhathi ebhala lamazwi athi:

> Lowo ozonda umfowabo ungumbulali; niyazi ukuthi akukho mbulali onokuphila okuphakade okuhlezi kuye. 1 Johane 3:15 (NKJV)

Ngumbuso onjani na lona uJesu akhuluma ngawo? Ukuba nenzondo komunye umuntu kuchaza ukuthi ungumbulali omele wukufa? Kanti vele siyini "isihogo somlilo?" noma isihogo ngokwaso ngokukaMathewu 5:22 uJesu akhuluma ngakho mayelana nalokhu? Buza uKayine ekhala esezinhlungwini – isono sami sikhulu kunokuthi singathethelelwa! – Genesise 4:13 (Wycliffe). Buza uJesu elenga emthini, ethwele icala lenzondo, ubugovu nokuziphindisela koluntu lonke; mbuze "ngesihogo somlilo" esiza kulabo abaphila ngalendlela.

Ingabe kukhona umuntu osondelene nawe okuzwise ubuhlungu? Wathukuthela ngenxa yabo? Ingabe sukewahlupheka uzama ukungasacabanga ngendlela abakuzwise ubuhlungu ngayo, nangendlela okumele bejeziswe ngayo? Ingabe lokhu akusiso isihogo? Ingabe imicabango efana nalena akuzwakali sengathi ivutha ngaphakathi ezinhliziyweni zethu? Ingabe izinhliziyo zethu zoiphendula kanjani emicabangweni esibanayo zokufisa sengathi omunye muntu wayefile? Ingabe umoya kaJesu uzwa kanjani uma thina sicabanga ngalendlela, umoya kaJesu osondele kunalabo abaselamayo? Mhlawumbe siyazi ukuthi ukubafisela ukufa akulunganga, mhlawiumbe thina sibafisela ukungaphinde sibabone futhi. Kodwa ingabe lokhu akusiyo into efanayo yini? Ingabe uJesu uhlupheka kangakanani kulomlilowesihogo uma sivumela ukubuswa nokuphathwa yimicabango enjena?

Amazwi kaJesu ahlasela indlela ejwayelekileyo esiphila ngayo njengabantu. Ubizo oluthi sibemnene, sizithobe siphinde sibenokubekezela uma sihlukunyezwa lubiza okungaphezu kwamandla ethu, kanti lena yinhloso vele. Njengokusho kukaJesu:

> Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa; kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni ukuba ziphenduke. Maku 2:17

UJesu uqhubeka ehlaba ngokujula ngalenkulumo yasesikhosini, ukuba elungesele izinhliziyo zabantu ukuba zamukele umusa ovela kuye. Ngomuca owodwa nje waveza ubugovu obukuye wonke umuntu wesilisa:

> Nizwile kwathiwa: "Ungaphingi." (28) Kepha mina ngithi kini: "Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe. Mathewu 5:27-28

Wonke umuntu oweslisa okhuluma iqiniso uyazi ukuthi lamazwi akhuluma ngengqikithi yenkinga anayo nembeka icala vele. UKrestu uveza inking ingu-*mina* nokuthi inhliziyo yomuntu idinga ukuba iguqulwe. UNkulunkulu unesifiso sokutshala imbewu entsha kumuntu, indlela entsha angenayo ngokwakhe futhi angekwazi ukuba nayo ngokwakhe. UNkulunkulu usinika ukukholwa kukaKrestu, "umbuso kaNkulunkulu ungaphakathi kini," kanti uma umuntu ake wawamukela "okwakuqala kudlulile, bheka sekuvele ezintsha." Impilo nezenzo zomuntu okholwayo kungukubonakalisa kwalembewu, eletha izibusiso zayo zivela ngaphakathi zichichime ziwele nalabo abayizungezile, kungakhathazekanga ukuthi uvele ebuholini nasemasikweni anjani. Izwe licabanga ukuthi uNkulunkulu wayezosebenza ingaphandle kuqala bese esebenze ingaphakathi. Umuntu ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzoguqula izwe kuqala, ehlule abenza okubi kanjalo emisa isizwe esilungile nesifanele. Kodwa icebo lokuqala ngokusebenza ingaphandle bese kusetshenzwe ingaphakathi hlezi lihluleka, kanti lizokwehluleka njalo. Siphinda futhi, okubizwa nguJesu akwenzeki ebantwini, kodwa kuNkulunkulu nomusa wakhe okuKrestu kungenzeka konke.

Uma kwakungabakhona umuntu okholwa ngenhliziyo yakhe ukuthi akazange wenza okubi, amazwi alandelayo avela kuJesu achitha yonke imicabango enjalo, ngaphandle uma samukela ukuthi siyizoni, futhi sivuma isiphambano nokuthi singenxa yethu.

> Nizwile ukuthi kwake kwathiwa, 'iso ngeso, izinyo ngezinyo; (39) Kepha mina ngithi kini, ningamelani nokubi; kepha ozothi ekushaye esihlathini esokunene, mphendulele nesinye. (40) Futhi uma umuntu ethanda ukukubophisa ngokomthetho, ethathe ijazi lakho elingenamikhono umnike nesembatho sakho. (41) Nokuphexela ukuba uhambe imayela elilodwa naye, hamba naye amabili. (42) Okucela into ethile mnike, noboleka into ethile ungaphenduki kuye. (43) Nizwile ukuthi kwathiwa, ubothanda umakhelwane wakho, uzonde izitha

> zakho; (44) kepha mina ngithi kini, thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo, nenze okuhle kwabanizondayo, nibathandazele nabanganiphathi kahle, nabanizingelayo. (45) Ukuze nibe ngabantwana bakaYihlo osezulwini; ngokuba wenza ilanga lakhe livele kwabenza okubi nabenza okuhle, kanti nemvula yakhe uyithumela kwabenza okubu nabenza okuhle. (46) Ngokuba uma nithanda abanithandayo kuphela, ninamvuzoni na? Ingabe abathelisi abenzi njalo? (47) Kanti uma nibingelela abafowenu bodwa, yini enenza niba ngaphezu kwabanye? Ingabe abezizwe abenzi njalo na? (48) Ngakho-ke yibani ngabaphelele, njengalokhu uYihlo osezulwini ephelele. Mathewu 5:38-48

Wake wathola umuntu ekusukela ekugxumela ekushaya ungamenzanga lutho? Uthi uJesu mnike esinye isihlathi. Izinti ezibizwa lana zingaphezu kwamandla woluntu ukuba ungazenza, kodwa yizo uJesu aziveza njengezinto okumele sikwazi ukuzenza ukwenzela singene embusweni wakhe. Kungenzeka kanjani ukuthi sithande izitha zethu? Sithande nalabo abafuna ukusibulala? Sithande nalabo abafisa ukusenza kabi nalabo abafuna ukusizwisa ubuhlungu njalo? UJesu usicela ukuthi sibathande? Sithi sikwenzelani lokhu na?

"Njengalokhu uYihlo osezulwini ephelele."

Ingabe ukutholile lokho? Uma umnene, unomusa, unokubekezela uzithanda nezitha zakho, lokhu kuchaza ukuthi uyingane kaYise osezulwini. Ingabe lokhu kuchaza ukuthini na? Kuchaza ukuthi lena yindlela uYise ayiyo! Uma yena enza ukuthi ilanga livele kwabenza okubi nabenza okuhle, nathi njengabantwana bakhe sizoveza uthando lwethu kwabenza okubi nabenza okuhle ngoba lena yindlela uYise ayiyo. Lena yintshumayelo edlula zonke ezinye ezike zashunyayelwa ngoba phela ikhuluma ngomuntu omangalisa kunabo bonke abakhona emhlabeni, uBaba wethu osezulwini. Uvezwa kithina nguMsindisi wethu oligugu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, omazi ngokuphelele ngendlela ayiyo. Akekho omunye umuntu emhlabeni wonke owazi ukuthi uBaba unjani, kanti ngalentshumayelo sibona isimilo sikaBaba sambulwa kithina.

Iphuzu elokugcina laleliqiniso lisemagameni okugcina esiwathola kuMathewu sahluko sesihlanu.

> Ngakho-ke yibani ngabaphelele, ukuze nibe njengoYihlo osezulwini naye ephelele. Mathewu 5:48

Lokhu kuyafakaza kithi ukuthi yonke into uJesu ayewayikhuluma kulentshumayelo iyisambulo sesimilo sikaBaba sothando. Lamazwi asitshela indlela uBaba abhekana nezimo ngayo. Incwadi kaLuka igoqelela igama elithi *ukuphelela* elisetshenziswa nguMathewu ngalendlela:

> Ngakho-ke ibani nesihe, njengalokhu uYihlo enesihe. Luka 6:36

Ngakho siyabona ukuthi ukuphelela kutholakala emuseni. Umbuzo okumele siwubuze ngothi: Uma uNkulunkulu ethanda izitha zakhe, esivezele lokhu ngeNdodana yakhe, ukuthi ivumela ukubeka phansi ukuphila kwayo ngenxa yalabo abamzondayo, kungani kubonakala sengathi iBhayibheli lifundisa ukuthi uNkulunkulu uzonda izitha zakhe ngenzondo ephelele. Nokuthi ngokuvutha kolaka lwakhe uyavuma, yebo ubiza umlilo odlayo phezu kwabo ukuba esindise abalungileyo, ebabheke bafe bekhala bememeza ezinhlungwini zabo?

Lona ngumbuzo okumele siwubheke ngoba kunezindaba ezimbalwa kwiTestamente elidala okubonakala sengathi yebo uNkulunkulu uyazithanda izitha zakhe kodwa kunomuqa lapho egcina khona nokubekezela kwakhe. Emuva kwalomuqa udedela lonke ulaka lwakhe oselugcwele luvuthe njengomlilo oqothulayo osusa abenza okubi emhlabeni. Abanye benza isiphakamiso esithi lokhu kuyisikhumbuzo esidingekayo vele sokuthi akumelanga sidlale ngoNkulunkulu, nokuthi naye unalapho ekhathala khona nokuthi uma seqa lomuqa sizokhokhela ngezimpilo zethu ngendlela ebuhlungu kabi. Ukuletha ukuvumelana phakathi kwesimilo sikaBaba esiphelele uJesu asivezela sona entshumayelweni yakhe yasentabeni nezindaba esifunda ngazo eTestamenteni elidala yinjongo yalencwadi sesiqhubeka. Ebantwini abaningi kunomehluko omkhulu phakathi kukaJesu ngokweVangeli noNkulunkulu eTestamenteni elidala, kodwa kusenjalo kwakunguMose owacelwa ukuba ebhale lamazwi encwadini yeLevetikusi awokuthanda umakhelwane wakho nokungababambi amagqubu omunye komunye.

Lokhu kuphikasana kwakukhona nakulabo abamuzwa uJesu iminyaka engu-2000 edlule. Kulabo ababekholwa ukuthi umbuso owawuchazwa nguJesu kwakungokaNkulunkulu, kanti wawumele isimilo sakh; amazwi kaJesu nemisebenzi abeyenza yayiletha impilo. Kulabo ababengakwazi

ukuhlukana nezifiso zabo nezwe, bekholwa ukuthi uJesu akavezanga isimilo sikaBaba ngokuphelele, nendlela umbuso wakhe okumele ube ngayo, imbewu zokuthi bemuzonde zazikhona ngoba kubo wayengumuntu owayezibiza into angasiyo. Babengazange bamazi uNkulunkulu ayechazwa nguJesu. Ngakho babengakwazi ukumbona njengeNdodana kaNkulunkulu ababemkhonza. Uma okwakushiwo nguJesu kuyiqiniso, kuchaza ukuthi babengazanga bamazi uNkulunkulu ophilayo noqinisileyo noma uNkulunkulu wabo wayeziguqulile izindlela zakhe.

Ingabe uNkulunkulu uqinisile uma ethi:

> Ngoba nginguJehova, mina angishintshi; kungakho nina madodana kaJakobe aniqedwa. Malaki 3:6

Ingabe uNkulunkulu esifunda ngaye ngokwevangeli ngokuhlukana kwalo uyafana noNkulunkulu woMose, no-Abrahama, no-Nowa? Ingabe uJesu Kristu ungofanayo izolo, nanamuhla, yebo naphakade? KumaHeberu 13:8. Lena yimibuzo edinga izimpendulo. Kodwa okwamanje, masithokoze esambulweni sikaBaba esisinikwa nguJesu esentabeni, sikhuthazeke ukuthi ngoKrestu asingegcine ngokuthanda izihlobo zethu kuphela kodwa nezitha zethu.

# 6. Umlilo Ovela Ezulwini

Njengoba abafundi bechitha isikhathi noJesu, bamangalela amazwi nemisebenzi yakhe. Ukumenyezela kombuso ayewuveze entshumayelweni yakhe yasentabeni kwakusazama ukungena ezingqondweni zabo ezifiphele. Abafundi, ngenxa yezifiso zokuba bakhulu ngokwezwe, baguqula izingqondo zabo ezikhundleni ababengazithola embusweni wasezulwini. Lokhu kwadalela ukuthi begcine ngalokhu:

> Kwase kuvela ukuphikisana phakathi kwabo kokuthi ngomuphi kubo ongathiwa omkhulu kunabo bonke. Luka 9:46

Kungani imicabango yabo iyeyaphenduka ukuthi izibuke yona, nokubaluleka kwabo? Babejabulela amandla kaNkulunkulu ayebonakala empilweni kaJesu, kodwa babengazithwaleli isiphambano. Babenovalo ukuba bembuze ukuthi isiphambano sichaza ukuthini na ngoba singadubaza amathemba ababenawo.

> Futhi bethuka bonke bebona amandla amakhulu kaNkulunkulu. Kodwa ngenkathi bemangala yilowo nalowo izinto Ujesu azenza, wathi ebafundini bakhe; (44) Ake lamazwi abishe ezindlebeni zenu, ngokuba iNdodana yomuntu izakukhashelwa ezandleni zabantu. (45) Kepha abawuzwisisanga lomusho, kwakufihlakele kubo, nokuthi baqonde ukwazi; besaba ukumbuza ngalo musho. Luka 9:43-45

UJesu wabona imicabango yabo nokufisa kwabo ukuba mkhulu, wasethatha ingane encane, wayigona ngezandla wayesebatshela ukuthi:

> Noma ngubani oyokwamukela lo mntwana ngegama lami uyangamukela mina; kanti ozongamukela mina uyamamukela ongithumileyo; ngokuba omncinyane kini nonke, nguyena oyakuba mkhulu. Luka 9:48

Lengane engena cala yayingafisi ubukhosi nokuba nkulu. Ngokuqonda kwayo okulula nje lengane yaphendula ukuthintwa yiNkosi okufudumele nokuthambile. Lena kwakuyinchazelo yasembusweni wakhe yomkhulu kunabo bonke – uthando olumi njalo olokuthemba iNkosi. Ukungabi nacala kwabafundi kwakususwe wukufisa kwabo nokuphoxakala kakhulu

empilweni, kodwa uJesu wayeze ukuzobaphindisela ukungabi nacala kwasebusheni babo kuhlanganiswe nokuhlakanipha kweminyaka.

Ekuxhumaneni kwabo noJesu, abafundi bakaJesu bagcina bemthanda. Usuku nosuku babebona uzwelo nothando lwakhe ebantwini, bezwa nezinto ezimangalisayo ayeyabelana nabo ngazo ngoYise wakhe. Ngolunye usuku emva kwesikhathi eside sokusebenza, uJesu wathumela abafundi bakhe emzaneni wamaSamariya ukuba bethole indawo yokulala lolosuku.

> Kwathi lapho sekuphele isikhathi sokuthi eyamukelwe ezulwini, wabhekisa ubuso bakhe ukuya eJerusalema, (52) wathuma izithunywa phambi kobuso bakhe, zahamba, zangena emzaneni wamaSamariya, ukuze zimlungisele. (53) Abazange bamamukele, ngoba ubuso bakhe kwakusengathi wayesazoya eJerusalema. Luka 9:51-53

Abafundi bathukuthela kakhulu uma bebona indlela amaSamariya ayephathe iNkosi yabo ngayo. Ekufutheni kwemizwa yabo, baveza ukujula komnyama ohlezi ezinhliziyweni zabantu:

> Kwathi uma abafundi bakhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, bathi Nkosi awufuni yini ukuthi siyaleze umlilo ovela ezulwini wehle ubaqede bonke, njengalokhu u-Eliya wakwenza naye? Luka 9:54

Kubonakala sengathi iBhayibheli livumelana nesulabo lokushisa nokubulala amaSamariya. Bakhuluma ngendaba ka-Eliya, owabiza umlilo ovela ezulwini ukuba utshise abanye ababefisa ukumzwisa ubuhlungu. Abafundi bakaJesu bazizwa benelungelo lokubiza ukufa kwalaba bantu baseSamariya abangena kubonga ngenxa yalendaba. Impendulo eyavela kuJesu iyamangalisa kakhulu.

> Kodwa waphenduka, **wabakhuza**, wathi: anazi hlobo luni lomoya ofuna ukwenza lokho. (56) Ngoba iNdodana yomuntu ayizanga ukuzobhubhisa imiphefumulo yabantu, kodwa ukuze ibasindise. Luka 9:55-56

Lamagama aveza ingqikithi yomsebenzi nesimilo sikaJesu. UJesu akasuye umbhubhisi kodwa unguMsindisi. Ngesikhathi esifanayo kubonakala sengathi akagcini ngokukhuza abafundi bakhe kuphela kodwa ubuya ekhuze nokwenza kuka-Eliya.

> Khona-ke inkosi yathumela kuye umholi wamasosha amashumi amahlanu namasosha akhe. Wakhuphukela kuye: bheka, wakhuphekela esiqongweni sentaba. Wakhuluma kuye, wathi: we muntu kaNkulunkulu, inkosi ishilo ukuthi: 'yehla. (10) U-Eliya waphendula wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: uma ngingumuntu kaNkulunkulu, khona umlilo mawehle uvela ezulwini, ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho.' Kwehla umlilo ezulwini, wamudla yena namashumi amahlanu akhe. 2 Amakhosi 1:9-10

Uma ~~se~~sifunda lendaba ngokunganaki, kubonakala sengathi noma uJesu eza emhlabeni ukuze esindise imiphefumulo, uNkulunkulu kwiTestamente elidala wayefuna ukushisa abantu bephila ngoba befuna ukuthumba umprofethi wakhe. Ingabe uJesu wayekhuza inzondo yabafundi yokufuna ukubhubhisa amaSamariya noma wayekhuza nokwenza kuka-Eliya futhi? Impendulo evela kuJesu eyomsebenzi nesizathu sokuza kwakhe emhlabeni siveza ukuthi wayekhuza no-Eliya. UJesu wayengabakhuza kanjani abafundi bakhe ethi umsebenzi wakhe kwakungukusindisa abantu, ejike ethi ngesinye isikhathi wayezobhubhisa abantu? Uma kunjalo, uJesu wayezobatshela ukuthi kwakungasiso isikhathi sokwenza lokho, noma ethi beqale ngokubakhulekela kuqala. UJesu akatshengisi zimpawu zokuphuza ukujezisa. Ugcina ngokukhuluma ngokusindisa imiphefumulo yabantu kunokuchithwa nokubhubhiswa kwemiphefumulo.

ukufunda lamazwi kweminye imihumusho yeBhayibheli yenza esikufunda kwiKing James Version kubeyihlazo elikhulu ngoba phela awekho nje kwaphela kweminye imishiqilelo yamuva nje.

> Kodwa waphenduka, wabakhuza. (56) Badlulela komunye umzana. Luka 9:55-56 (NIV)

> Kodwa waphenduka, wabakhuza. (56) Base beya komunye umzana. Luka 9:55-56 (RV)

Ngenxa yokuswelakala kwalawa mazwi kweminye imishiqilelo, kunomphumela omkhulu ekuqondeni isimilo sikaNkulunkulu. Umbuzo omkhulu okumele ubuzwe ngothi: Ngubani owehlisa umlilo owavela ezulwini ukubhubhisa lamadoda? Kwamele sithi ukubuyela emuva kancane endabeni ka-Eliya, sibheke into ebalulekile ambonisa yona uNkulunkulu ngemva kokunqoba kwakhe okukhulu kwasentabeni yaseKameli.

> Wathi, phuma ume phezu kwentaba phambi kukaJehova. Bheka, uJehova wadlula, umoya omkhulu onamandla wadabula izintaba, waphahlaza amadwala phambi kukaJehova; kepha uJehova wayengekho kulowo moya; emva komoya ukuzamazama komhlaba; kepha uJehova wayengekho ekuzamazameni komhlaba; (12) ngemva kokuzamazama komhlaba, umlilo; kepha uJehova wayengekho emlilweni; emva komlilo izwi elincane elihashazayo
> 1 AmaKhosi 19:11-12

Ingabe yini uNkulunkulu owayezama ukuyibonisa u-Eliya? Isimiso esifanayo sibonakala kwenye indawo embhalweni:

> Nali izwi likaJehova kuZerubabele, lithi, hhayi ngamandla, nangodlame kodwa ngomoya wami kuphela, usho uJehova Sebawoti. UZakariya 4:6

UNkulunkulu wayetshela u-Eliya ukuthi akasebenzisi udlame ukuphoxa abantu ukuthi bemlalele, noma ukuthi eyandise umbuso wakhe, kepha kuyizwi lakhe elincane elihashazayo elisebenza ezinhliziyweni zabantu, libalethe eqinisweni. Akwenzi mnqondo ukuthi uNkulunkulu etshele u-Eliya ukuthi akekho emlilweni, bese ephenduke eshise abantu abangu-102 ngoba befuna ukubamba u-Eliya. Ngithi babengu-102 ngoba umlilo wehla kabili kubantu abangamashumi ayisihlanu nezinduna zawo. Kuyiqiniso ukuthi uNkulunkulu wathumela umlilo ukushisa umnikelo owawuphezu kwe altare, kodwa lomlilo wawugazanga ukuzobhubhisa abantu kodwa ukuthi besindiswe. Ngesikhathi u-Eliya ebiza umlilo ovela ezulwini phezu kwalamadoda wayekewaboniswa ukuthi uNkulunkulu wayengekho emlilweni ukuba ephoxe abantu ukuthi belalele besebenzisane naye. Ukukhononda kwenduna yesithathu kwakungasikho ukulalela ngokuzithoba okwakufunwa nguNkulunkulu.

> Waphinda wathuma induna yesithathu yamashumi ayisihlanu inamashumi ayisihlanu ayo. Lenduna yafika yawa ngamadolo phambi kuka-Eliya, yamcenga, yathi kuye: Muntu kaNkulunkulu, ngiyakuncega, impilo yami, nokuphila kwalezi zinceku zakho ezingamashumi ayisihlanu, makube yigugu emehlweni akho. 2 AmaKhosi 1:13

Ingabe lendoda yaguqa phambi kukaNkulunkulu ka-Eliya ngokuzithoba ngoba imthanda futhi ifisa ukukhuleka kuye? Cha! Yayithukile funa nayo ife, incengela ukuphila kwayo. Nxa uNkulunkulu wayefuna ukukhonzwa

ngalendlela, uJesu wayezobiza umlilo ovela phezulu kumaFarasi namaRoma ambalwa nje, bese wonke umuntu wayezokumkhonza ngokushesha – hhayi ngenxa yothando kodwa ngenxa yokwesaba. Ngakho-ke, kwakungasuye uNkulunkulu kulomlilo owaqeda lamadoda. Manje sizothini ngento eyenzeka khona?

> Khona-ke inkosi yathumela kuye umholi wamasosha amashumi amahlanu namasosha akhe. Wakhuphukela kuye: bheka, wakhuphekela esiqongweni sentaba. Wakhuluma kuye, wathi: we muntu kaNkulunkulu, inkosi ishilo ukuthi: 'yehla. (10) U-Eliya waphendula wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: uma ngingumuntu kaNkulunkulu, khona umlilo mawehle uvela ezulwini, ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho.' Kwehla umlilo ezulwini, wamudla yena namashumi amahlanu akhe. 2 Amakhosi 1:9-10

Lenduna namadoda ayo babengaphansi kwamandla enkosi yakwa-Israyeli eyayicele usizo kuBali, unkulunkulu wase-Ekironi. Unkulunkulu wase-Ekironi wayengunkulunkulu wamanga omsuka wakhe unguSathane uqobo lwakhe. Ngokufuna usizo kulonkulunkulu, wayezivumela ukuba ebuswe nguSathane.

> Anazi yini ukuthi lowo enizinikela kuye ukuba nibe yizinceku zokumlalela, niyizinceku zakhe enimlalelayo, kungaba ezesono kube ngukufa noma ezokulunga kube ngukuphila, na? AmaRoma 6:16

Nanoma lamadoda ayeme esikhundleni senkosi wayengaphansi kokubusa kukaSathane, induna yambuka njengomuntu kaNkulunkulu u-Eliya. Wonke u-Israyeli wakhumbula okwayenzeka entabeni yaseKameli ngesikhathi bebona ukuthi uNkulunkulu wayeno-Eliya. Uma lenduna yayikholwa ukuthi u-Eliya wayengumuntu kaNkulunkulu, ingabe u-Eliya wayefuna uphawu lwani lokutshengisa lokhu? Impendulo siyithola phambili esahlukeni esilandelayo:

> Ingelosi kaJehova yaphinda yathi ku-Eliya, yehla naye, **ungamesabi.** Wavuka, wehla naye, baya enkosini bonke. 2 Amakhosi 1:15

U-Eliya watshelwa ukuba engasabi. Ingabe yindaba abenovalo u-Eliya? Inkinga ivela khona emva kwesehlakalo sasentabeni.

> U-Eliya wayesithi kubo, Babambeni abaprofeti bakaBhali; kungabaleki noyedwa kubo ukuba ephunyuke. Babathatha, u-Eliya wabehlisela emfudlaneni uKishoni, wababulala khona. 1 Amakhosi 18:40

Ngaphambi kokuthi ebulale abaprofeti bakaBhali, u-Eliya wayekwazi ukuthi eme phambi kwenkosi namadoda ayo wonke. Ngaphambi kwalokhu wayezingelwe isikhathi esinga ngeminyaka emithathu ngemva kokuthi eme phambi kwenkosi ngesibindi eyitshela indlela kwakungazunetha ngayo. Akuzwakali nakancane ukuthi u-Eliya wayenovalo ngesikhathi ekwenza konke lokhu. Waqala ukuba novalo ngemva kokuthi ebulale abaprofeti bakaBhali ngenkemba.

> uJezebeli wayesethuma isithunywa ku-Eliya, esithi, kwangathi abonkulunkulu bangenza kanjalo kimi, nangaphezu kwalokhu, uma ngingenzi ukuphila kwakho njengokuphila kwabo ngokusa kwakusasa ngalesi sikhathi. (3) Lapho ebona, wasukuma, wabalekela ukuphila kwakhe, wafika eBerisheba elingelakwaJuda, washiya khona inceku yakhe. 1 AmaKhosi 19:2-3

Kubonakala sengathi kunomunye umthetho ovumelana nomthetho omkhulu othi "konke okubi okwenza kwabanye, uzoba novalo lokuthi kungasuka kwenziwe nakuwe." Lawa kwakungamava akaKayini ngempela.

> UKayini wathi kuJehova, isono sami sikhulu kunokuthi ngisithwale. (14) Bheka, wena namhlanje ungixoshile ebusweni bakho, ngizoba ngofihliwe ebusweni bakho, ngiyakuba ngumhambuma nozulayo emhlabeni; **futhi kuyakuthi yilowo nalowo oyongithola uzongibulala.** Genesise 4:13-14

Ngemva kokuthi ephunyuke ezandleni zikaJezebeli okhahlakele, u-Eliya wakhuluma amanye amazwi angajwayelekile neze.

> Kodwa yena wahamba uhambo losuku enkangala, wafika wahlala ngaphansi kwesihlahla sonwele, wacela enhliziyweni yakhe ukuba afe, wathi: kwanele, manje Jehova sale usuthatha umphefumulo wami; ngoba angilungile kunokhokho bami. 1 AmaKhosi 19:4

U-Eliya wabalekela ukuphila kwakhe kodwa uphinda ecele ukuthi uNkulunkulu athathe ukuphila kwakhe. Kungani engavelanga walinda ukuthi uJezebeli embulale? Uqeda engeze nalamazwi okukhononda "ngoba angilungile kunokhokho bami." Ingabe wayechaza ukuthini

ngalokhu? Amazwi asho kuNkulunkulu emva kwalesi sikhathi aveza inhloso yakhe yangempela.

> Wafika khona emhumeni, walala khona, kanti bheka izwi likaJehova lafika kuye, wathi kuye: wenzani lapha, eEliya? (10) Wathi ngishisekele nokushisekela kakhulu uJehova uNkulunkulu Sebawoti, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badiliza amalathi akho, babulala abaprofethi bakho ngenkemba, mina, yebo mina kuphela, ngisele; sebefuna umphefumulo wami ukuba bawususe. 1 AmaKhosi 19:9-10

U-Eliya uwethula ukudangala nokuthukuthela kwakhe konke ngendlela u-Israyeli ehluleka ngayo, kanye nokubulawa kwabaprofethi bakaNkulunkulu ngenkemba. U-Eliya wayenethemba lokuthi isizwe sonke besizokuhlangana sime ngasohlangothini lwakhe, simsize ukuletha inguquko embusweni. Ngesikhathi uJezebheli emsongela, wayecabanga ukuthi wonke umuntu wayezoma naye bechithe inhloso yakhe, kodwa wayeme yedwa voh! Kwabonakala sengathi konke ayekwenza kwakuyize. Nesizathu sokuthi kungani ebulale abaprofeti bakaBhali siyavela. Babebulele abaprofeti bakaNkulunkulu ngenkemba. Isijeziso sokukhonza izithixo ngokomthemtho kaMose kwakumele bekhandwe ngamatshe hayyi ukuthi bebulawe ngenkemba. Ukujeziswa ngokukhandwa ngamatshe sizothi sikhuluma ngakho kwesinye isahluko, kodwa iphuzu elibalulekile ngelokuthi u-Eliya akalandelanga umgudu obekiwe embhalweni wokubhekana nokukhonza abanye onkulunkulu. Lokhu kuveza ukuthi nanoma u-Eliya wayenesifiso sokukhonza uNkulunkulu weqiniso, konke lokhu wakwenza ngendlela engasiyo. Lokhu kusiletha endabeni yabafundi. Nabo babeyithanda iNkosi yabo, befisa ukuyikhonza, kodwa uthando lwabo lwavukelwa nguSathane ngesikhathi izinto zingahambi ngendlela ababefisa zihambe ngayo, kwavuka kubo umoya wokuziphindisela. Ngakho-ke kwakufanele ukuthi abafundi emoyeni yabo bahlanganyele nendaba ka-Eliya ngoba nayo iveza umoya ofanayo. Siyakhunjuzwa ukuthi:

> U-Eliya wayeyindoda enemizwa njenganathi … Jakobe 5:17 (NKJV)

U-Eliya wayesazi ukuthi abaprofethi bakaBhali bafanelwe ngukufa kodwa indlela asebenza ngayo yayingekho ohlelweni lukaNkulunkulu lokwenza izinto. Ufakazi balokhu sibubona ngokubanovalo nokusaba ukufa kwakhe, okwakungekho ngaphambilini. Loluvalo lwalusasekuye u-Eliya ngesikhathi ehlangabezwa ngamasosha. Kanti ngenxa yokuthi wayebulale ngenkemba,

wayenovalo lokuthi naye ebulawe ngayo inkemba. Nanoma induna yayingena kungabaza ukuthi u-Eliya wayengumuntu kaNkulunkulu, engqondweni yakhe kwakunomzabalazo ehlukunyezwa wuvalo nokwesaba ukufa nokuthi wayengekho ngcono kunokhokho bakhe. USathane wasebenzisa ukungabaza kuka-Eliya, okwabonakala ngokuthi esho lamazwi athi:

> **Uma** ngingumuntu kaNkulunkulu, khona umlilo mawehle uvela ezulwini, ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho.' 2 Amakhosi 1:10

Lokhu kufana nalamazwi akhulunywa nguSathane:

> **Uma** uyiNdodana kaNkulunkulu, yala lamatshe aphenduke izinkwa. Mathewu 4:3

Ukusetshenziswa kwamandla ukuqinisekisa umuntu ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu kunguswelakala kokholo. Kwamele sikholwe ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu ngalokho asesitshele khona. Ingabe lamadoda angu-50 asizakala kanjani ngalokhu kubonakaliswa kwamandla? Ingabe lokhu kwabasiza kanjani ukuthi bekholwe lokhu ababevele bekuvumile ngemilomo yabo yokuthi u-Eliya ungumuntu kaNkulunkulu? Munye kuphela umuntu owayengana siqiniseko salokhu, ngu-Eliya. Lokhu kungaqinisekeki kwadalela ukuthi u-Eliya akhohlwe ukuthi uNkulunkulu wayengekho emlilweni, wanqotshwa yisiphakamiso sikaSathane sokubiza umlilo phezu kwalaba bantu. Ingabe ubufakazi bokuthi uSathane ubiza umlilo ovele ezulwini ukuba eqede abantu sinabo yini?

> UJehova wayesithi kuSathane: Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kodwa kuyena uqobo ungasibeki isandla sakho. Ngakho uSathane wasuka ebusweni bukaJehova… (16) Ngesikhathi esakhuluma, kwafika nomunye, wathi: umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini, washisa izimvu nezinceku waziqeda, mina ngisinde ngedwa, ukuze ngikubikele. UJobe 1:12, 16

Kusanemibuzo esasele. Uma uSathane wadukisa u-Eliya ngoba enokungabaza, kuza kanjani esahlukeni esilandelayo u-Eliya ofanayo ekhazimuliswa engena ezulwini? Kuzwakala njengomsangano ukucabanga ukuthi uma umuntu engenza iphutha elikhulu kangaka ekugcineni kwempilo yakhe angavuzwa ngokuvulelwa amasango ezulu nempilo

engapheli. Uma sibheka uJohane umbhaphathizi, sitholukuthi naye waba nokungabaza ukuthi uJesu unguMesiya ngaphambi kokuthi ebulawe.

> Kwathi-ke uJohane esetilongweni esezwile ngemisebenzi kaKristu, wathuma abafundi bakhe ababili, (3) wathi kuye: wena unguye ozayo namo sobheka omunye na? Mathewu 11:2-3

IBhayibheli alisitsheli ukuthi uJohane waphendula kanjani. Kodwa ngendlela uJesu akhuluma ngayo ekugcineni kubukeka sengathi wakungqoba ukungabaza kwakhe, wakulungela ukuba ebulawe. UJesu washo wathi:

> Uma nivuma ukukwamukela, lo ungu-Eliya obezakufika. Mathewu 11:14

Kanti sibuye sitshelwe ukuthi:

> yena [uJohane] uyakuhamba phambi kwakhe ngomoya namandla ka-Eliya,… Luka 1:17

UJohane umbhaphathizi wenzela uNkulunkulu umsebenzi omkhulu, bese waba nokuxeka nenkinga enkulu ngokholo lwakhe, aze wayinqoba, okwadala ukuthi elungele ukuthi ebulawe. Lona ngumoya nengqondo efanayo eka-Eliya owenzela uNkulunkulu umsebenzi omkhulu bese ebe nenkinga enkulu ngokholo lwakhe ngasekugcineni kwempilo yakhe. U-Eliya wakunqoba ukungabaza kwakhe okwadala ukubulawa ngomlilo kwamadoda angu-100, naye wakhazimuliswa. Lesi kuyisifundo esiligugu kakhulu kithina, sokuthi abalungile bazakuphila ngokholo hhayi ngemisebenzi encomekayo abayenzile ngaphambilini. Ukuguqulwa nokukhazimuliswa kuka-Eliya ngemva kokuhluleka okungaka kusinika ithemba elikhulu nathi lokuthi singaguqulwa sikhazimuliswe nathi nanoma sesibonile indlela esidinga usizo ngayo, indlela esibuthakathaka ngayo. Masijabule ukuthi insindiso isemisebenzini kaKrestu yedwa, hhayi emisebenzini emihle yobuprofethi esingayenza, njengomprofethi owaqeda abanye ngegama likaNkulunkulu ethi uyazivikela.

Omunye umbuzo okumele siwubheke ngothi kungani uNkulunkulu evumile ukuthi labantu bebhubhiswe nguSathane ngomlilo? Njengalokhu lamadoda eyizinceku zenkosi yakwa Israyeli, owayezinikele konkulunkulu base-Ekroni oBhali-Zibhab, lamadoda wayengena sivikelo sokuzivikela

kuye umbhubhisi. Kanji njengalokhu evumelekile ukuthi ewaphathe lamadoda, wayedinga ukuthi ebabulale ngendlela okwakuzobonakala sengathi uNkulunkulu nguyena akwenzile. Kwakungukudukisa okuphele; yenza isenzo bese wenze umhlaba wonke ukholwe ukuthi uNkulunkulu nguye asenzile. USathane wathatha ukwesaba kuka-Eliya wakusebenzisa ukwenza lokho ayefisa ukuba akwenze icala libekwe phezu komunye umuntu. Lecebo labayimpumelelo ngoba phela abantu abaningi bakholwa ukuthi uNkulunkulu washisa lamadoda, kodwa makabongwe uJesu ngokusitshela ukuthi lona akuwona uMoya wakhe. Yena unguMsindisi hhayi umbhubhisi.

Kuyamangalisa ukwazi ukuthi uMsindisi wethu oligugu, owathatha ingane encane ezandleni zakhe, wasivezela ubukhulu embusweni wakhe, unguMsindisi esingathemba siphumule kuye nathi. Akazukusilimaza nangayiphi indlela, ngoba uJesu unguMalusi, hhayi umuntu odayisa inyama ebhutsha; uhola izimvu zakhe ngasemanzini, akazilimazi kuze kuba ngasekufeni. Kodwa kusasekhona okuningi ngesihloko somlilo okumele sikubheke ngaphambi kokuthi siqinisekeke ukuthi nangempela uBaba wethu osezulwini ungumuntu esingamele ukuthi simesabe sibe novalo nakancane.

# 7. Ningaziqinisi iZinhliziyo Zenu

Esahlukeni sesithathu siyesabuka ukufa kwesiphambano nothando olumangalisayo oluvezwa yikho. Esahlukeni sesine sibuke ukujula kokuthamba okusebudlelwaneni bukaYise neNdodana yakhe. Lamaqiniso womabili asinikeza isisekelo esibaluleke kakhulu ekutheni siqonde isimilo sikaNkulunkulu nemvelo yombuso wakhe. Isahluko 9 encwadini kaLuka inikeza ngenchazelo enhle kakhulu eveza okwenzekayo uma senqaba isiphambano. Isinikeza isithombe sendlela abantu bevumela ukubanesifiso sokuthi uNkulunkulu eshise abantu bephila ngoba ebejezisa ngenxa yezono zabo, ngesikhathi esifanayo bakwenza bekholwa ukuthi lokhu kuvumelana nesimilo sakhe.

| | | |
|---|---|---|
| Luka 9:18-20<br>Math 16:13-17<br>Maku 8:27-29 | Ubudlelwane bukaYise neNdodana buyavezwa | uPetro uyavuma ukuthi uJesu ungu-Mesiya kaNkulunkulu. UMathewu ubhale ukuthi uPetro wathi unguKrestu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. UJesu uphendula ngokutshela uPetro ukuthi lolwazi luyisambulo sikaMoya esivela kuBaba, nokuthi akekho umuntu ongakufunda ngokwakhe lokhu ngaphandle kokuthi uNkulunkulu emtshengise. |
| Luka 9:21-22<br>Math 16:21-23<br>Maku 8:31-33 | Isixwayiso sakuqala ngesiphamba no. | UJesu unikeza ngesixwayiso sokuqala senzondo yomuntu maqondana neNdodana kaNkulunkulu ezithobayo, nendlela izobulawa ngayo. UPetro uphendula ngamandla kulokhu esho nangaphezulu ukuthi lokhu akuzukwenzeka! UPetro unqaba ukuvumela ukuthi imizwa nezifiso zakhe zokuba ngomkhulu zibethelwe kanye noKrestu. Lokhu kungukwenqaba isiphambano. UJesu ukhuza lomoya kaSathane ongumsuka wamazwi kaPetro. |
| | Ukuqiniswa kokuqala | Akukho lasitshelwa ngoPetro noma abafundi beyamukela isiphambano esasiseza nendlela ababengazilungiselela sona. Lokhu kuqala ukuqinisa izinhliziyo zabafundi ezinhluphekweni zikaKrestu nasesiphambanweni sakhe. |
| Luka 9:23-27<br>Math 16:24-28<br>Maku 8:34-38 | Ubizo lokuthatha isiphambano sokuzidela | UJesu uxwayisa abafundi ngokuthi izifiso zabo zasezweni kwamele bezishiye phansi uma befisa ukumlandela. Endleleni ahamba ngayo akukho ukuhlonishwa ngokwezwe. Kunokuzidela nokuzinikela ekusebenzeleni abanye. |
| Luka 9:28-36<br>Math 17:1-8<br>Maku 9:1-6 | UBaba ubayala ukuba beyizwe iNdodana yakhe. | Ngomusa uYise uveza inkazimulo yeNdodana yakhe abuye abatshele ukuthi bemlalele. Ukwenqaba kwaphambilini kwesiphambano kuchaza ukuthi abafundi abanalo uthando oluphelele ngakho izwi elivela ezulwini luletha ukwesaba okukhulu kubo. Ukwesaba kunokuhlukumeza okukhulu. “onokwesaba akaphelele othandweni.” 1 Johan 4:18. |

| | | |
|---|---|---|
| Luka 9:37-42<br>Math 17:14-21<br>Maku 9:14-29 | Ukungakholwa kuyabonakala | Ukwenqaba ukwamukela isiphambano kuqala ukuziveza ngokungakholwa. Abafundi abakwazi ukukhipha amadimoni ngoba izinhliziyo zabo zisaphethwe yisifiso sabo sokuba ngomkhulu kunabanye. UJesu uchaza ukuswela ukholo kwabo njengesixwayiso. |
| Luka 9:44-45<br>Matt 17:22-23<br>Maku 9:31-32 | Isixwayiso sesibini sesiphambano. IZinhliziyo ziqina ngaphezulu. | Ngothando uJesu uphinda ebatshele ngesiphambano ukuze ebasize ukuba beshiye izifiso zabo zasezweni, kodwa banqaba lobuzo lokuphenduka kwabo futhi, bavele bagcwale usizi ngalokho akushoyo. Umphumela walokhu izinhliziyo zabo ziqina nangaphezulu. |
| Luka 9:46-48<br>Matt 18:1<br>Maku 9:33-38 | Izifiso zobugovu ziyakhula. | Abafundi bavulela uSathane umnyango, kanti ubalinga ukuthi bexoxe ngokuthi ngomuphi phakathi kwabo omkhulu kunabanye. UJesu uphendula ngokubeka ingane encane phambi kwabo ephinde ebacwayise ukuthi ngaphambi kokuthi babenjengalengane abazukungena embusweni wasezulwini. |
| Luka 9:49-50<br>Maku 9:38-39 | Umoya wokubusa nokuphatha abanye uyavela. | Abafundi babefisa ukuba bakhulu kunaye wonke omunye umuntu ngakho babengafuni ukuthi omunye umuntu ethathe leso sikhundla, bathanda ukusebenzisa udlame namandla kulabo ababebukeka njengezitha zabo. |
| Luka 9:51-54 | Umoya wokubulala wavela ubuye kanti kubonakala sengathi imibhalo ivumelana nawo. | Ngokunqaba ukuzidela nokuthwala isiphambano, izinhliziyo zabafundi zathunjwa ngumoya wokuziphakamisa oholela ekuphatheni bese ekubulaleni. Ukuqiniswa kwezinhliziyo zabo kwenza ukuthi bengaboni lutho olubi ngokubulala uma benzela igama likaNkulunkulu. |

Abafundi abavumanga ukwamukela izixwayiso zikaJesu maqondana nokufa kwakhe okwakuseza ezandleni ezikhohlakele zabaholi besizwe.

Amathemba abo wonke wokuba yizikhulu zesizwe sonke babewabeke kuye; babebheke uKrestu ngendlela ababefuna abengayo hhayi ngendlela ayeyiyo. Isifiso sabo sasingesokuthi uKrestu abenguBaraba[1], kanti iqiniso lesiphambano labethela amaphupho abo waphenduka waba luthuli. Bakhetha ukuthi bengamukeli futhi bengasithwali isiphambano, nokuthi beqale ukuqonda izinhlupheko zikaKrestu adlula kuzo usuku nosuku uma ebona cishe wonke umuntu enqaba nokudelela umyalezo wakhe, umsebenzi wakhe kanye nesiqu sakhe njengommeli kaNkulunkulu. Kunalokhu, bona bazikhethela ukuzibe lezinhlupheko zakhe okwadalela ukuthi izinhliziyo zabo ziqine.

Ngesikhathi sombhaphathizo, uBaba osezulwini wamemezela uthando lwakhe olujulileyo emhlabeni wonke; umnyango olethela ekuqondeni kothando, nobumnene nokuthamba kobudlelwano bukaNkulunkulu kanye neNdodana yakhe. Yilokhu kubamnene okudalela ukuthi bethwale lesisiphambano sobuhlungu ngokuzidela. Usuku nosuku izinhliziyo zabo ziyadabuka ngenxa yobugovu, ukuziphakamisa, nokuzenelisa koluntu. Isimilo sikaNkulunkulu esithanda inkululeko sivumela abantu ukuba beqhubeke bemudelela, bemunqaba isikhathi esingangeminyaka eminingi ngaphandle kokuthi eziphindisele. Uvumela izinhliziyo zabo ziqine, ngenhliziyo ebuhlungu ebabheke bezibhubhisa kanti sonke lesikhathi efisa ukubamisa ukuba bengakwenzi lokhu. Abafundi banxuswa ukuba beqale ukuqonda inkazimulo yaloluthando, kodwa isiphambano kwakungasiyo into ababeyifuna, kanti njengo-Israyeli etshela uMose ukuba efihle inkazimulo eyayimanyezela ebusweni bakhe, abafundi bafaka indwangu phezu kwezinhliziyo zabo ukuze iqiniso lingazithambisi izinhliziyo zabo.

Ngesikhathi uKayini no-Abeli bebheka ukufa kwewundlu, uKayini wafaka lendwangu phezu kwenhliziyo yakhe ukwenzela ukuthi umusho wezinhlupheko ube yilowo ongachazwa yiwundlu, ngalendlela laphenduka into eyamenza ukuba eqinise inhliziyo yakhe, okwabangela ukuba ebulale umfowabo. Ngesikhathi u-Abele ebheka iwundlu wathuthumela uma ecabanga ngokuchazwa yilo. Wacabanga ngewundlu likaNkulunkulu

[1] UBharabha wayenguhomli wezombusazwe ngesikhathi sikaKrestu owayephukamisa ukuba u-Israyeli evukele umbuso wamaRoma. Wayephakamisa udlame ukufeza lenjongo ezibiza ukuthi unguMesiya. Igama lakhe lichaza ukuthi “ndodana kababa” kanti wayengukrestu wamanga ngokuphelele, ezenza uKrestu iNdodana kaNkulunkulu.

eliphulelwe thina, wakhala ngenhliziyo edabukileyo. Iwundlu lomnikelo ofanayo laveza umphumela ongafani nakancani kulamadoda amabili.

Nakhu ukukhanya kwesiphambano. Kukhanya ngamandla ngendlela yokuthi kwamele siwe kulo idwala siphuke, noma senqabe siphenduke siqine njengetshe; ekugcineni sipitshwe wukuzisola kwethu uma sibhekana neqiniso lothando lukaNkulunkulu.

Lezimiso zibalulekile ekutheni siqonde izindaba zeBhayibheli ngendlela efanele. Ngaphandle kokuthi samukele uthando oluthambile lukaYise eNdodaneni izinhliziyo zethu angeke zithambe zikwazi nokuhumusha nokuchaza ukwahlulela kukaNkulunkulu. Akunakwenzeka ukuthi uBaba onothando angatshisa izingane zakhe ziphila, ezithela ikloba lomlilo wesibabule zona zikhala zifa ngobuhlungu. Ukukholwa ukuthi uNkulunkulu engenza into enje kungukuveza sobala ukuthi asibuqondi ubudlelwane obuphakathi kukaYise neNdodana yakhe, nomusa ogeleza uvela kubo kuyo yonke uyunivesi. Ukungaqondi isiphambano kudala ukuthi abantu bekhohlwe ubuhlungu adlula kubo ngesikhathi edelelwa, ezondwa, enqatshwa; kodwa noma kusasenjalo akabadeli nabamqabayo. Inhlizyo yakhe ehlezi njalo ivulekile, inethemba lokuthi isoni sizophendukela ngakuye. Uma ekugcineni bengabuyi bemenqaba unomphela, lokhu kudala ubuhlungu obukhulu kakhulu. Kungubuhlungu thinazoni esikubalekela ngokuthukuthela nokudineka. Besingena kuvumela ukuthi umuntu akwenze lokhu kithina ngokuphindaphindiwe. Ukuvula inhliziyo yakhe nalapho esenqatshwa kuyisiphambano sikaYise sangempela esibonakaliswa eNdodaneni yakhe.

Amandla nemfihlakalo yesiphambano achaza zonke ezinye izimfihlo ezinokwenza nokwahlulela kukaNkulunkulu. Konke lasibona khona ukwahlulela kukaNkulunkulu phezukwabantu emibhalweni kwamele sikubuke ngezibuko zesiphambano ngoba lena yindawo lapho umusa nokwahlulela ngokulunga kuqabulana khona. Imibhalo isitshela ukuthi:

> UKrestu wasihlenga esiqalekisweni somthetho ebenziwe isiqalekiso ngenxa yethu, ngokuba kulotshiwe ukuthi: "Baqalekisiwe bonke abalenga emthini," Galathiya 3:13

> Kepha yahlatshwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sethu saba phezu kwayo, ukuze sibe nokuthula; nangemivimbo yayo, siphilisiwe thina. U-Isaya 53:5

UJesu ukhokhele isikweleto wahlukumezeka ngenxa yesiqalekiso sesono. Wafa ukufa kwalabo abazothi ekupheleni kwesikhathi betholakale benqabe insindiso, bakhetha ukufa.  Uma uJesu efe ukufa okungasikho ukubhubha lokho kuchaza ukuthi inkokhelo yesono akayigcwalisanga. Umbuzo uthi, ingabe uJesu wezwa amalangabi omlilo wesihogo? Uma ukufa kokugcina kwabenzokubi kuyisihogo kodwa uJesu engazitholanga ekuso kuchaza ukuthi akasikhokhelanga esikweletu sesono. Ingabe uJesu wezwa umlilo ngesikhathi esesiphambanweni? Bekha indlela umphostoli uPhawule ehlanganisa ukwenza okuhle kwabangafanele namalahle omlilo emphefumlweni wabo.

> Ngakho-ke uma isitha sakho silambile, siphe ukudla; uma somile siphe amanzi ephuze: ngokuba ngokwenza lokho uyakubuthela amalahle omlilo ekhanda lakhe. AmaRoma 12:20

Ngesikhathi abantwana baka-Israyeli bebona inkazimulo kaJehova esiqongweni sentaba, yabonakala njengomlilo odlayo.

> Inkazimulo kaJehova yayinje ngomlilo odlayo esiqongweni sentaba kubantwana baka-Israyeli. Eksodusi 24:17

Uma uthando lukaNkulunkulu olungena mina nakancane luvezwa kumuntu onobugovu, ukuzisola kwabo kushisa ezinhliziyweni zabo ngangokuthi idala ubuhlungu emathanjeni. Kunesiprofetho samava kaJesu esiphambanweni ezindaweni ezimbalwa encwadini yamaHubo.

> Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyelani na? kungani ukude kangaka nokungisiza, ukude namazwi wami okubhonga? AmaHubo 22:1

> Ngangiyisimungulu ngokuthula, ngabamba ukuthula kwami, ngisho nakokuhle, ku. (3) **Inhliziyo yami yavutha ngaphakathi kimi, ngisathi ngiyazindla umlilo wabutha:** khona ngakhuluma ngolwimi lwami. AmaHubo 39:2-3

> Usizi lokufa lungihanqile, kanye nezikhukhula zabantu abangamesabi uNkulunkulu bayangisabisa. (5) Usizi lwesihogo lungihanqile; izihibe zokufa zangihlasela. (6) Ezinhluphekweni zami ngambiza uJehova, ngakhala kuNkulunkulu wami walizwa izwi lami esethempelini lakhe, ukukhala kwami wakuzwa phambi kwakhe, ngisho kwangena ezindlebeni zakhe. (7) Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; izisekelo

> nazo ezamagqquma zathuthumela zagubhuzela ngokuba ethukuthele. (8) **Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo waphuma emlonyeni wakhe, amalahle avutha ngawo.** AmaHubo 18:4-8

Inkokhelo yesono wukufa. Okuletha lokufa ukuzisola okufikela izoni ngesikhathi zizibona zona nendlela ezikhohlakele ngayo. Iyodwa vo indlela yokwambula ububi nenkohlakalo, ingukuthi isimilo sikaNkulunkulu esimelene nenkohlakalo sivezwe. Uma isimilo sikaJehova sivezwa ngokungabi nasici, ukungabi nabugovu kanye nomusa simelene nobugovu, nemvelo ekhohlakele, ukuzisola kubanjengomlilo odlayo kwabezokubi. Lokuzisola kushisa ezinhliziyweni zabo okwamalahla avuthayo. Uma ezakuza uKrestu, abenzokubi bazokubhujiswa wukumenyezela kokuza kwakhe.

> Khona-ke lowo ongenamthetho uyokwambulwa, iNkosi iyakumqeda ngomoya womlomo wakhe, futhi izakumchitha ngokubonakala kokufika kwakhe: 2 Kwabasethesalonika 2:8

Ukrestu ungukumanyezela kwenkazimulo kaBaba, KumaHeberu 1:3 kanti inkazimulo kaBaba iyisimilosakhe. Eksodusi 33:18; 34:6,7. Ubuhle nokukhazimula kwesimilo sikaKrestu kuzovezwa ngokuphelele, kanti lesambulo sizoba ngumlilo ozakuba yintokozo kwabangcwele, kube ngukufa kwabangamesabi uNkulunkulu.

> Naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu elilungisiwe lathululelwa endebeni yentukuthelo yakhe ngaphandle kwenhlanganiso; ehlushwe ngomlilo nesibabule phambi kwezingelosi ezingcwele, naphambi kwewundlu: ISambulo 14:10

Igama elisetshenzisiwa ukuthi umlilo wesibabule ngesiHeberu lithi *theion* kanti linesiqu esivela egameni elithi *Theos* okuchaza uNkulunkulu, libenenchazelo ethi *impepho* kaNkulunkulu. Libuye lisho ukuthi *ukumanyezela*. Uma sibheka impepho eThabanekelini elichazwa lisezulwini, sibona ukuxhumana kwayo nomlilo.

> Kwase kufika enye ingelosi, yema ngase-altare, iphethe isitsha sempepho segolide; futhi **yanikwa impepho eningi** ukuba iyekele emikhulekweni yabangcwele bonke phezu kwe-altare legolide elipjambi kwesihlalo sobukhosi. (4) Umusi wempepho, oweza nemikhuleko yabangcwele, wenyukela phambi kukaNkulunkulu uvela esandleni

> sengelosi. (5) **Ingelosi yayisithabatha isitsha sempepho, yasigcwaliswa ngomlilo we-altare, yasiphonsa emhlabeni**; ayelapho namazwi, nokuduma, kwaba nemibani, nokuzamazama komhlaba. ISambulo 8:3-5

Impepho ikhombisa ukubakhona kukaNkulunkulu okunjengomlilo. Amazwi athi ikloba lomlilo achaza lokho. Sibuye sibone lokhu kumprofethi u-Isaya:

> Bheka, igama likaJehova livela kude, livutha ngolaka lwakhe, kanti nomthwalo walo uyasinda; izindebe zakhe zigcwele intukuthelo, **nolimi lwakhe lunjengomlilo oqothulayo;** (28) Ukuphefumula kwakhe kunjengomfula okhukhulayo, uze ufinyelele izintanyeni, ukuhlunga izizwe ngesihlungo sokubhubhisa amanga: kuyakubakhona amatomu kwimihlathi yabantu, kubenze ukuthi bone…(30) UJehova uyakwenza ukuba izwi lakhe elikhazimulayo lizwakale, abonakalise ukwehla kwengalo yakhe, nokolaka lwakhe, **nangelangabi lomlilo oshwabadelayo, nangokusakazeka, nesiphepho, namatshe esichotho**…(33) Ngoba iThofeti imiswe emandulo; yebo ilungiselwe iNkosi; uyenzile ukuba ijule iphinde ibenkulu; inqwaba yalo ingumlilo nezinkuni eziningi; umoya kaJehova, njengomfudlana wesibubule, uyazivuthisa. U-Isaya 30:27-28,30,33

> Ngakho usho kanje uJehova uNkulunkulu Sebawoti, ngokuba nikhuluma lelizwi, bhekani, **ngiyakwenza amazwi ami abe ngumlilo emlonyeni wakho, nalaba bantu babeyizinkuni, kanti umlilo ozobadla**. UJeremiya 5:14

> … ngoba uthando lunamandla njengokufa; isikhwele sinonya njengethuna: amalahle alo angamalahle omlilo, awokhamisa ilangabi elivutha kakhulu. ISihlabelelo seziHlabelelo 8:6

Uthando lukaNkulunkulu lungumlilo kanti enhliziyweni yabangcwele lomlilo uvutha kamnandi kakhulu. Abafundi babanawo amava anjengalana ngosuku lwePentecost.

> Masinya kwavela umsindo ovela ezulwini onjengomoya onamandla, wagcwala indlu ababehlezi kuyo. (3) Kwabonakala amalimi ezivuthayo njengomlilo, wahlala phezu kwabo ngamunye ngamunye. Izenzo 2:2-3

Imibhalo iveza sobala ukuthi kunalabo abazokwazi ukuphila kulomlilo wesimilo sikaJehova; abangcwele abazovutha othandweni lukaNkulunkulu

ingunaphakade, ngoba uNkulunkulu ungumlilo oqothulayo. KumaHeberu 12:29. Ngesikhathi abangamesabi uNkulunkulu bepitshwa yizono zabo, abanethemba labo ekulungeni kukaKrestu izinhliziyo zabo zivutha ngothando nokubonga.

> Izoni zaseSiyoni ziyesaba; ukwesaba kubambe abazenzisi. **Ngubani phakathi kwethu oyakuhlala nomlilo oshwabadelayo? Ngubani phakathi kwethu oyakuhlala nokushisa okuphakade?** (15) Yena ohamba ngokulunga, okhuluma ngobuqotho; lowo ozonda inzuzo yokucindezela, othintitha izandla zakhe ukuze angamukeli imivuzo, ovala izindlebe zakhe ukuze angezwa ngegazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi; U-Isaya 33:14-15

Ekupheleni kwesikhathi isoni sizothola inkokhelo yaso, kanti ngubani ozosiholela lenkokhelo?

> Inkokhelo yesono wukufa… AmaRoma 6:23

ISono sikholela umvuzo. Kuyisisindo secala esipitshayo, nokwazi ukuthi ekuphileni kwabo konke abangamesabi uNkulunkulu babenqaba ukunxusa kukaMoya kaKrestu, babemgwaza nsuku zonke ngamazwi amabi nokuphatha abanye kabi. Ngesikhathi isoni siqonda konke uKrestu akwenzile ekuphileni kwaso, indlela yokwahlulela kwaso izobiza ukuthi bafenelwe wukufa. Njengo-Kayini, isoni sizokhala sithi, "Isono sami sikhulu kunokuthi singaxolelwa."

UKrestu wawathwala wonke lamava ngesikhathi esesiphambanweni. Wezwa amalangabi wesihogo. Wenzwa isono ngenxa yethu, wezwa isisindo esipitshayo sesono phezu kwakhe esusa isiqalekiso. Akuzwa ngesikhathi esesiphambanweni yikho okuzakuzwa ngabangamesabi uNkulunkulu ekupheleni kwesikhathi.

> Bahamba benyuka ngobubanzi bomlhaba bezungeza ikamu labangcwele kanye nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo ovela ezulwini kuNkulunkulu, wabadla wabaqeda. (10) NoSathane owabadukisa waphonswa echibini lomlilo wesibabule lapho kukhona isilo nomprofethi wamanga; bayakuhlushwa imini nobusuku kuze kube phakade naphakade. ISambulo 20:9-10

Imibhalo ibuye isitshele indlela uSathane azobhubha ngayo:

> Ungcolisile izindlu zakho ezingcwele ngobuningi bezimphambeko zakho, nokudayisela abanye lemibono; ngakho-ke **ngizoveza umlilo ngaphakathi kwakho**, uzokudla ukuqede, ngizokuletha ekutheni ube ngumlotha phezu komhlaba phambi kwamehlo abo bonke ababekubhekile. Hezekeli 28:18

Levesi lisinikeza isithombe esikhanyayo sokuthi lokhu kuzokwenzeka kanjani:

1. USathane wazingcolisa ngobuningi bezono zakhe nangokudayisela abanye lemibono nezono.
2. Igama elilandelayo u - **ngakho-ke** - lisinikeza umphumela walokho.
3. *Ngizakuphumisela umlilo ngaphakathi kwakho* – umlilo wokuzisola kwakho. Ingabe uNkulunkulu uzokwenza kanjani na lokhu? Ngesambulo sesimilo sakhe sothando njengalokhu siveziwe emthethweni.
4. *KANTI **UYAKUKUDLA***. Kanjalo ke kungumlilo ozovela ngaphakathi kuye uSathane, ozodalwa wukuzisola kwakhe ngezono zakhe; yiwo ozakumudla umqede.
5. **BESE** uSathane uzophunduka umlotha enhlabathini ***ngemva*** kokuthi edliwe eqedwe.

USathane akakwazi ukuhlala ebukhoneni bukaNkulunkulu engaziboni nakho konke ukukhohlakala akwenzile. Umina akekho nakancane ebungcweleni nasekuhlanzekeni kukaNkulunkulu ngangokuthi enhliziyweni kaSathane kuvuka umlilo wokuzigxeka ngokuphelele. Lomlilo uzomudla umqede uSathane. Ngemva kokudliwe ngumlilo esefile aphendulwe uthuli enmhlabathini ngomlilo wocwengisayo.

Ukubhujiswa kwezoni kuchaziwe encwadini yomlando yesibini eka-Esdras ngendlela elandelayo:

> Le Ndodana yami izokukhuza amacebo amabi walezi zizwe, iziwelwe yisiphepho ngenxa yezimpilo zazo ezimbi; (38) izo beka phambi kwazo izizindlo zayo ezimbi, kanti uhlupho ezizoqala ukuhlushwe ngalo, olunje nge langabe lomlilo: uzobabhubhisa ngaphandle kokuphakamisa isandla ngomthetho ofana nami. 2 Esdras 13:37-38

Umthetho odala uhlupho olungaka kwababi nangempela ungumthetho ovuthayo kodwa noma kunjalo wanikezwa ngothando. UMsindisi wethu

akazanga ukuzobhubhisa izwe kodwa ukuze lisindiswe ngaye. Umthetho ungumthetho wothando kodwa izoni zizizwa kumele zilahlwe ngoba phela umthetho ungukubuyiseleka kwesimilo sikaNkulunkulu.

> Wathi: uJehova wavela eSinayi, wabaphumela evela eSeyiri wavuka kubo; wanyampuza entabeni yasePharanu, weza ezinkulungwaneni eziyishumi zabangcwele; esandleni sakhe sokunene **kwavela umthetho wemisebe yomlilo.** (3) **Yebo wayezithanda izizwe;** bonke abangcwele bakhe basesandleni sakho; bahlala ngasezinyaweni zakho, yilowo nalowo uyakwamukeliswa okwamazwi akho.. UDuteronomi 33:2-3

Sithini ngeqiniso esilitshelwa eBhayibhelini elithi izoni zizoguqulwa uthuli?

> Niyakunyathela phansi ababi; ngoba bayakuba Luthuli phansi kwamathe ezinyawo zenu ngosuku engizokwenza lokhu, usho uJehova Sebawoti. UMalaki 4:3

Uma isono sesiyiqedile inkokhelo yaso kwabangamesabi uNkulunkulu ngenxa yesiqalekiso secala elizakuwela phezukwabo ngesikhathi bebheka ukuhlanzeka nobuhle besimilo sikaNkulunkulu, izidumbu zabo zizakugcwala izwe lonke. Yilapho kuphela zizophendulwa uthuli.

> Sibheke futhi sisheshisa kuze kufike usuku lukaNkulunkulu, lapho amazulu ayoncibilika ngomlilo, nezakhi nazo zincibilike? 2 Phetru 3:12

Kunabantu abaningi abachaza ukubhubha kwezoni njengokubulawa kwenja enesifo esifaka ezinye encipheni; ngakho lenja kwamele ibulawe. Inkinga ngalomqondo ngothi umnikazi walenja akabasi mlilo ovutha kancane, oshisa lenja izinsuku ezimbalwa isaphila, ayibangela ukuthi ikhale imemeze ngobuhlungu edlula kubo ngaphambi kokuthi ife. Lombono uvela enhliziyweni engasathambanga. UBaba wethu osezulwini angeke ayenze into enje. Wake walazi uthando lukaNkulunkulu, akuna kwenzeka ukuthi ungamcabangela ukuthi enga zwisa ubuhlungu egcine ngokubulala izigidi nezigidi zabantwana bakhe, aze akwenze lokhu mathupha. Isizathu sokuthi lombono ubengowamukeleke izwe lonke ngesokuthi, uphinde ufundiswe kumakrestu wonke kungenxa yokwenqaba iqiniso lesiphambano lingene enhliziyweni. Umphemela walokhu uyinhliziyo eqinile maqondana neqiniso lobumnene nemvelo yemizwa ethambileyo ekaNkulunkulu, kanti

njengalokhu kwakunje kubafundi, kuvela umbono kaNkulunkulu onolaka nothumela umlilo oshisa abantu bephila.

Masifundeni isifundo kubafundi siqaphele umyalo kaBaba ngesikhathi iNdodana ikhazimuliswa entabeni ende – "Yizweni!" Asilaleleni ukunxusa ikwezwi lakhe njengoba ebeka ingane encane engenacala phambi kwethu, eyigona lengane eduze kangaka nesifuba sakhe, esitshela ukuthi, "ngaphandle kokuthi sifane nengane encane engana cala asizukubona umbuso kawezulu." Ningaziqinisi izinhliziyo zenu njengo-Israyeli ecela ukuba uMose efake indwangu phezu kobuso bakhe ngesikhathi iVangeli lishunyayelwa kuye.

> Ngalokho nganengwa yileso sizukulwane, ngathi: bahlezi njalo bephambuka ezinhliziyweni zabo, futhi abazazanga izindlela zami. (11) Ngakho ngafunga ekuthukutheleni kwami, abayi kungena ekuphumuleni kwami. (12) Qaphelani, bazalwane, funa kube khona nakowedwa wenu inhliziyo embi, engakholwayo, ephambuka isuke kuNkulunkulu ophilayo. (13) Kodwa khuthazanani imihla ngemihla, ngesikhathi kusathiwa **namuhla; hlezi kungabikho kini owenziwa lukhuni ngokukhohlisa kwesono**. (14) Ngokuba sesingabahlanganyela kuKristu, umasibambisisa ithemba lethu lokuqala kuze kube sekupheleni; (15) Nakuba kuthiwa Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe, **ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu, njengasekucunuleni**. KumaHeberu 3:10-15

Uma ungakhetha ukungamukeli isiphambano sokuzidela, usengozini yokuqinisa inhliziyo yakho ngesikhathi ufunda iBhayibheli ngendlela engena kuqaphela, ubeka icala lokubulawa nobuhlungu bezigidigidi zabantu phezu kukaNkulunkulu. Namuhla uma ulizwa izwi lakhe, ungayiqinisi inhliziyo yakho.

## 8. Kungani kwayalezwa ukuba izoni zikhandwe Ngamatshe?

Ukumelana nokuthwala isiphambano sokuzidela okwabafundi kwadala isifiso sokubulala amaSamariya ayenobugovu. Ukumelana okufanayo okwakuhlezi nasezinhliziyweni zabaholi bamaJuda kwenza befise ukubulala uJesu. Amajuda asebenzisa amandla amakhulu ezama ukumthiya emazwini ayewasho nasemisebenzini ayeyenza, ukwenzela bethi ungumkhohlisi, ebulawe. Enye yamahibe ayebekelwe uJesu ichazwa evangelini likaJohane:

> Ekuseni kakhulu wabuya weza ethempelini, abantu bonke beza kuye; wayesehlala phansi, wabafundisa. (3) kepha ababhali nabaFarisi baletha kuye owesifazane ebanjwe ephinga, kwathi sebembeke phakathi kwabo, (4) Bathi kuye: Mfundisi lowesifazane ubanjwe esoqotsheni lokuphinga. (5) Emthethweni uMose wasiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Pho, wena uthini na? NgokukaJohane 8:2-5

KubaFarisi, leli kwakuyihibe elaliphelele ngempela. Uma uJesu ezozama ukusindisa lowesifazane ekufeni, babezothi uphula umthetho kaMose. Kanti uma emehlulela emgweba ngokufa babezomsola kubabusi bamaRoma njengesivukela-mbuso. UJesu wayeseshilo ukuthi wayengazanga ukuchitha mthetho nabaprofethi, nokuthi akukho nachashaza elilodwa elalizosuswa kuwo umthetho. UMose wayebhalile emthethweni ukuthi:

> Uma umuntu ephinga nomfazi womunye, nomuntu ophinga nomfazi kamakhelwane wakhe, labo abaphingileyo bayakubulawa. Levitikusi 20:10

> Bobabili niyakubakhiphela ngasesangweni lalowo muzi, nibakhande ngamantshe baze bafe. Intombi ngokuba ayikhalanga emzini yafuna usizo, nendoda ngokuba imonile umfazi womakhelwane wayo. Uyobukhipha kanjalo ububi phakathi kwakho. IDutheronomi 22:24

Lowesifazane wayebanjwe esoqotsheni lokuphinga. Ngokomthetho kwakumele ekhandwe ngamatshe afe. Wayesephonselwe ezinyaweni zomniki-mthetho ukwenzela enikele ngesigwebo sakhe. Kubalulekile ukuba sikhumbule ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yiyona eyanika u-Israyeli umthetho entabeni yase-Sinayi.

> Pho umthetho wanikelwa ukuba wenzeni na? Wenezelwa ngenxa yeziphambeko, kuze kufike inzalo okuyiyo okwenziwa isethembiso kuyo; **kanti wamiswa yizingelosi esandleni somlamuleli**. Galathiya 3:19

> Ngokuba kukhona uNkulunkulu oyedwa, **nomlamuleli oyedwa phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu**. 1 Thimothewu 2:5

UJesu, njengezwi likaNkulunkulu, wayenguye owakhuluma lemiyalo "awuzukuphinga." Manje ngoba owesifazane wayesezinyaweni zakhe, abamangaleli bakhe babelindele ukubona abezokwenza. UJesu wakhothamela phansi waqala ukubhala, kubonakala sengathi uyabaziba. Wayesekhuluma nabo wathi:

> Ongenasono phakathi kwenu kaqale amphonse ngetshe. NgokukaJohane 8:7

Lomusho uthathekisa kakhulu, kanti uvele ubhamuze indlela yokuqonda yabaFarisi, noma ke ababeyisebenzisa. Lena kwakungasiyo into ababembhekelele ukuba engayisho. Kodwa uJesu wayevele wabanika isimiso esifanayo esasinikezwe uMose ngesinye isikhathi kwakukhona esinye isehlakalo esasidinga ukukhanda ngamatshe omunye owayethuke wahlambalaza uNkulunkulu.

> Ohlambalaza igama likaJehova, uyokufa nokufa. Impela inhlangano yonke iyomkhanda ngamatshe. Umfokazi noma owokuzalwa ekhaya uyobulawa, uma ehlambalaza igama likaJehova. (17) Umuntu oshaya omunye aze afe, impela uyobulawa. Levitikus 24:16-17

> Khuluma kuyo inhlangano yabantu bakwa-Israyeli, uthi kuyo: 'Niyoba ngcwele ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wenu ngincwele. Levitikus 19:2

Ingabe kuqhubekani lana? Umuntu ohlambalaza igama likaJehova uzokhandwa ngamatshe abulawe, kodwa ozobulala omunye kuzomele ebulawe naye. Kanti uma umuntu ekhanda omunye ngamatshe aze afe ingabe lokhu akubalwa yini njengokubulala? Umuntu onjalo akafanele yini wukubulawa naye? Ingabe lokhu singakuxhumanisa nomqondo owawulethwa nguJesu ngesikhathi ethi yilowo kuphela ongcwele

nongenasono olungele ukubulala omunye umuntu. NguJesu kuphela owayengenasono, ingabe yena wenzanjani na?

Ngesikhathi ebhala othulini olwaluphansi ethabanakelini, wayeveza ukuthi okwakulotshwe emthethweni kwakumele kuqondwe kanjani ngokomoya. Uma indoda yayicabanga ukuthi umkayo uphingile, ibizomletha phambi kompristi ukudlulisa umthetho omaqondana neskhwele.

> Umphristi uyakumsondeza, ammise phambi kukaJehova. (17) Umphristi uyothatha amanzi angcwele esitsheni sebumba, **kanye nothuli oluphansi ethabanakelini**. Uyakuluthatha alufake emanzini, (18) umphristi uyommisa owesifazane phambi kukaJehova, athukulule izinwele zekhanda lowesifazane, abeke umnikelo wokusanhlamvu wesikhumbuzo ezandleni zakhe, umnikelo wokusanhlamvu wesikhwele; kuthi esandleni somphristi kube namanzi ababayo aletha isiqalekiso. (19) Umphristi uyomfungisa owesifazane, athi: "Uma kungekho ndoda elale nawe, uma ungaphambukelanga ekungcoleni usephansi kwendoda yakho, khululeka kulawa manzi ababayo aletha isiqalekiso, (20) Kodwa uma uphambukile usephansi kwendoda yakho, futhi uzingcolisile, walala nenye indoda engesiye umyeni wakho," (21) umphristi uyomfungisa owesifazane ngesifungo sesiqalekiso, athi: "UJehova makakwenze isiqalekiso ngesifungo sesiqalekiso kwabakini, uJehova ashwabanise ithanga lakho, avuvukalise nesisu sakho; (22) lawa manzi aletha isiqalekiso, ayongena ezibilini zakho, avuvukalise isisu sakho, ashwabanise ithanga lakho;" owesifazane uyakuthi: "Amen! Amen!" (23) **"'Umphristi uyozibhala lezi ziqalekiso encwadini, azesule ngamanzi ababayo.** Numeri 5:16-23

Lamadoda ayebambe lowesifazane kuso isenzo sokuphinga ayemhehile, wabeka ihibe ukumbamba. Ngesikhathi uJesu ebhala phansi othulini, uMoya ongcwele (obonakaliswa ngamanzi) waqondisa lamadoda ezinhliziyweni zawo ezadala ukuthi izisu zabo zivuvuke, namathanga awo washwabana ngesikhathi eqondiswa ezonweni zawo. Babenesikhwele kuKrestu kanti sasibedla ngaphakathi. Njengokusho kweHubo:

> Ngenkathi ngithule, amathambo ami awohloka ngenxa yokububula usuku lonke. AmaHubo 32:3

Kunokuthi bevume izono zabo bethethelelwe, lamadoda avele ahamba ngokuthula ezithwalele amacala abo awaletha ukuwohloka emathanjeni.

> Wayeselulama; engaboni muntu ngaphandle kowesifazane wathi kuye: mama baphi abamangaleli bakho na? Akakho okulahlayo na? (11) Wayesithi akekho Nkosi. UJesu wathi kuye, nami angikulahli, hamba, ungabe usona. NgokukaJohane 8:10-11

> Kodwa uma engazingcolisanga, ehlambulukile, uyakukhululeka, akhulelwe athwale imbewu. Numeri 5:28

UJesu wazithethelela zonke izono zalowesifazane; wakususa konke okwakulotshiwe egameni lakhe ngamanzi ababayo ayezowaphuza esiphambanweni, ngakho wayengasangcolanga. Wayekhululekile ukuhamba, kanti wayethwele nembewu yeqiniso; waveza uMoya kaJesu enhliziyweni yakhe.

Ngesikhathi uJesu etshela abaFarisi "Lowo ongenasono phakathi kwenu, makabe ngowokuqala ozophonsa itshe kuye," wabiza isigwebo sokufa phezu kwakhe. Akazama ukushabalalisa icala elalimelene naye. Waqinisekisa ukuthi icala limile vele, kanti nowesifazane wayezobona ukuthi wayezofa. Ngokubhala kwakhe phansi, uJesu wakhumbuza abaFarisi ukuthi nabo babenezabo izono, nabo bahamba. Ngesikhathi sebehambe bonke abamangaleli balowesifazane, umniki-mthetho wambuza ukuthi babekuphi abamangaleli bakhe. Watshengisa ukuthi bahambile, ngakho indaba yakhe ibisezandleni zomniki-mthetho ngokugcwele. Wathi "nami angikulahli," hamba ungabe usona. Umniki-mthetho wasitshengisa indlela ayefisa ukusebenzisa umthetho ukunikeza umusa. Uma wayevela wenza sengathi owesifazane wayengena cala, wayengazubona isidingo sakhe somusa; ngakho wabiza isigwebo sokufa ukuze enikele ngomusa. Nansi inhloso ephelele yomthetho. Umthetho uhleso ukusiletha kuKrestu ukuze sibizwe ngabalungisiswe ngokholo. Galathiya 3:24.

Kuyadabukisa ukucabanga ukuthi abaholi bamaJuda babekholwa ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukuthi lowesifazane ekhandwe ngamatshe afe. Asifisi ukuhlala isikhathi eside kuleli qiniso. Uma umbuso wawungaphathwanga ngamaRoma, lamadoda wayezokhululeka ukushiqilela umthetho ngendlela ababefisa ngayo, babezothatha amatshe bekhande owesifazane ngawo. Lokhu bakwenza ngoStefani.

> Bese bekhamuluka ngezwi elikhulu, bavala izindlebe, batheleka kuye kanyekanye, (58) bamkhiphela ngaphandle komuzi, bamkhanda

> ngamatshe. Ofakazi babeka izingubo zabo ngasezinyaweni zensizwa egama layo linguSawulu. (59) UStefanu bamkhanda ngamatshe ekhuleka ethi: Nkosi Jesu, yamukela umoya wami. Izenzo 7:57-59

Lamadoda wayekholelwa kuNkulunkulu owayezimisele ukujezisa zonke izoni ngokuzikhanda ngamatshe zizezife. Ungamcabanga yini lowesifazane esephohlozwa ngamatshe ekhanda, ewela phansi elimele? Uma sekuqediwe ngalomonakalo, kwakuzoba nesidumbu esiqambalale phansi esigcwele negazi, kuyisixwayiso kuwowonke umuntu ukuthi uNkulunkulu akadlali futhi ungalokothi; uma wona uzokhokhela ngempilo yakho. Ingabe lesithombe senza ugcwale ngothando ngaphakathi ngaloNkulunkulu onjena?  Uyafisa yini ukuthokoza njalo phambi komuntu onjalo ochoba izoni njengamaphela angenamsebenzi?

Kungani umthetho kaMose uyaleza ukuba abantu bekhandwe ngamatshe na? Umthetho uveza isimilo sikaNkulunkulu. Uma kunguNkulunkulu owayaleza lomthetho, ingabe lokhu akusho yini ukuthi wayefuna ukuthi kufakwe ukuze kusetshenziswe ngesikhathi sekudingeka? Kunesimiso esibaluleke kakhulu ekumele sicabange ngaso njengokusho kukaJesu.

> Ningahluleli ukuba ningahlulelwa. (2) Ngoba ngokwahlulela enahlulela ngakho nani niyakwahlulelwa ngakho, nangalesosilinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso. NgokukaMathewu 7:1-2

UBaba wethu osezulwini umisile uhlelo oluzovumela ukuba abantu behlulelwe njengalokhu befuna ukuzahlulela bona. Masibuke ukuba umkhuba wokukhanda abantu ngamatshe wavela kuphi vele. EBhayibhelini nansi indawo esithola kwenzeka ibanga lokuqala.

> Kepha uMose wathi: "Akunakwenzeka lokho, ngokuba imihlatshelo esizoyethula kuJehova uNkulunkulu wethu ingokunengekayo kwabaseGibhithe. Singahlaba yini okunengekayo kwabaseGibhithe, **sizesikhandwe ngamatshe pho?** Eksodusi 8:26

Ukukhandwa kwabantu ngamatshe kwakungumkhuba waseGibhithe. Lena yindlela ababenza ngayo uma umuntu eqa umthetho wonkulunkulu babo. Esinye sezizathu u-Israyeli ayefisa ukuya ehlane sasingesokuthi lemihlatshelo ibizobangenengekayo kwabaseGibhithe, ngoba ingonkulunkulu kubo. Kungenzeka ukuba inkosi uFaro wayenolwazi lokuthi uma u-Israyeli wayezokwenza imihlatshelo ezweni laseGibhithe,

kwakuzodala ukuba ekhandwe ngamatshe ngabahlali. Ukuveza ukuthi nangempela no-Israyeli wawuthatha lomkhuba kubonakaliswa ngalokhu ababefisa ukukwenza kuMose.

> UMose wakhala kuJehova, wathi: "Ngiyakwenzani ngalaba bantu na? Sekusele kancane ukuba bangikhande ngamatshe." Eksodusi 17:4

Ngesikhathi uKhalebu noJoshuwa benxusa abantu ukuthi behambe belithathe izwe, impendulo eyavela ebantwini yayisithi mabakhandwe ngamatshe.

> Uma uJehova esithanda, uyakusingenisa kulelozwe, futhi uyakusinika lona; liyizwe elivame ubisi noju. (9) Kodwa ningahlubuki kuJehova, ningabesabi abantu balelozwe. Bayofana nesinkwa kithi, siyozigwazela ibhece nje; isivikelo sabo sisukile phezu kwabo, kodwa uJehova unathi. Ningabesabi." (10) **Kodwa yonke inhlangano yathi mabakhandwe ngamatshe**. Inkazimulo kaJehova yabonakala kubo bonke abantwana bakwa-Israyeli ethendeni lokuhlangana. Numeri 14:8-10

Uma uNkulunkulu wayengalamulanga, babezokwenza. Manje kungani uNkulunkulu evumele ukuba lomkhuba waseGibhithe wokukhanda abantu ngamatshe ufakwe emthethweni ka-Israyeli?

> Ngenxa yokuba bengenzanga izahlulelo zami, belahla izimiso zami, bewona amasabatha ami, amehlo abo elandela izithombe zawoyise. (25) **Nami ngabanika izimiso ezazingezinhle nezahlulelo ababengayikuphila ngazo**; Hezekieli 20:24-25

Lezahlulelo nezimiso ezokukhanda abantu ngamatshe zazingekho zinhle neze, kanti zaziyisijeziso esafakwa njengesandiso somthetho, esasizojezisa ukweqa komthetho. Akusiyo into enhle neze ukukhandwa ngamatshe uze ufe! Lezi zijeziso zazivumelana nemiqondo ababenayo njengesahlulelo sokweqa umthetho, futhi kwakubuyiseleka ukucabanga kwabo kanye nemikhuba ababeyifunde kwabaseGibhithe. UJesu uyichaza ngalendlela:

> **Ngokuba bengikwesaba, lokhu ungumuntu olukhuni;** uthabatha ongakubekanga, uvuna ongakuhlwanyelanga. (22) **Wathi kuyo: Ngizakukwahlulela ngomlomo wakho wena-nceku embi. Ubuwazi ukuba ngingumuntu olukhuni,** ngithabatha engingakubekanga, ngivuna engingakuhlwanyelanga: NgokukaLuka 19:21-22

Abantwana bakwa-Israyeli babekholwa ukuba uNkulunkulu wayengumuntu olukhuni. Ngesikhathi bebona inkazimulo yakhe, yabonakala njengomlilo odlayo.

> Ukubonakala kwenkazimulo kaJehova kwakunjengo**mlilo oqedayo** esiqongweni sentaba emehlweni abantwana bakwa-Israyeli. Eksodusi 24:17

Khumbula ukuthi kwakungu-Israyeli uqobo lwakhe owathatha umkhuba wokukhanda abantu abeqa umthetho ngamatshe. Ngesikhathi u-Israyeli enquma ukukhanda uMose ku-Eksodusi 17:4, wayeveza umoya wokwahlulela ngaphandle komusa. Lithi iBhayibheli:

> Ngokuba ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni. Jakobe 2:13

Ngoba u-Israyeli akabonisanga isihawu ekwahluleleni kwakhe, indlela yakhe yokwahlulela yabuyiseleka phezu kwakhe. Bakhetha ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wayefuna ukubabulala ehlane, kanti nabo babefisa ukukhanda uMose ngamatshe. UNkulunkulu akahlekwa, kanti ngoba u-Israyeli wayehlwanyele lembewu wayezovuna isivuno. Ngokuqonda uNkulunkulu kwakhe, u-Israyeli waziqalekisa wazinqumela ukuba efe ehlane ngomlomo wakhe.

U-Israyeli uvalo lwakhe lokuthi uNkulunkulu uzombulalela ehlane waluveza ephinda-phinda:

> Bathi kuMose: "Yingoba abengekho yini amangcwaba egibhithe ukuba **usikhiphele kuleli hlane sizofela khona na?** Yini le osenza yona ngokusikhipha eGibhithe na? Eksodusi 14:11

> Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: **"Sengathi ngabe safa ngesandla sikaJehova ezweni laseGibhithe,** lapho sasihlala ngasemabhodweni, sidle inyama nokunye ukudla sisuthe; kunokuba nisilethe lapha kuleli hlane, nizobulala lonke leli bandla ngendlala. Eksodusi 16:3

> Bonke abantwana bakwa-Israyeli bakhononda ngoMose no-Aroni, bathi kubo: "Sengathi ngabe safela ezweni laseGibhithe, kunokuba sizofela kuleli hlane. (3) **UJehova usiletheleni kuleli lizwe, ukuba sife ngenkemba na? omkethu nabantwana bethu bayakuba**

> **yimpango,** kwakungengcono yini kithi ukuba siphindele eGibhithe?" iNumeri 14:2-3

Njalo-ke ngokwahlulela kwabo bamukeliswa ukwahlulelwa:

> UJehova wakhuluma kuMose no-Aroni, wathi: (27) "Koze kubenini lenhlangano eyonakele ikhononda ngami na? Ngikuzwile ukukhononda abantu bakwa-Israyeli abakhononda ngakho ngami. (28) Yishoni kubo nithi: **'Ngifunga ngiyagomela, kusho uJehova, ngizokwenza kini njengalokhu enikushilo ezindlebeni zami.** (29) Izidumbu zenu ziyoba zigingqane kuleli hlane; bonke abantu ababalwayo kusukela kwabaneminyaka engama-20 kuya phezulu, abakhononde ngami … iNumeri 14:26-29

Ngesikhathi sikaKrestu, siyabona ukuthi abaFarisi babecwila ohlelweni labo lokwahlulela, okuluhlelo lokhokho abaluthola kwabaseGibhithe. Loluhlelo luveza uvalo ababehlezi benalo njalo nobugqili obadaleka ngenxa yalo.

> Ukubhapathiza kukaJohane kwavela ezulwini noma kubantu na? (5) Bazindlisana bodwa, bathi: uma sithi ezulwini, uzakuthi: anikholwanga nguye ngani na? (6) **Kepha uma sithi: Kubantu, abantu bonke bazakusikhanda ngamatshe,** ngokuba bakholiwe ukuthi uJohane ungumprofethi. (7) Base bephendula ukuthi abazi lapho evela khona. NgokukaLuka 20:4-7

Kuyabonakala ukuthi nanoma u-Israyeli wayephumile eGibhithe, iGibhithe alizange laphuma ku-Israyeli. AbaFarisi babephila emhlabeni ogcwele isijeziso, ulaka, ukuziphindisela, benezici zonke zikaFaro, induna yokubasebenzisa. Lomoya wawuyisithelo sokuqonda kwabo isimilo sikaNkulunkulu. sesiyisonga, unkulunkulu ababekhuleka kuye wayefana nqo! noFaro. Ngesikhathi isizwe sakwa-Israyeli sasisabumbwka, uNkulunkulu wavumela ukuthi imicabango nezizindlo zabo zifakwe emthethweni. Kodwa kuza kanjani ukuthi uNkulunkulu evumele ukuba umthetho wakhe onakaliswe yizizindlo ezikhohlakele zabantu na? Kungukuthi inhloso yomthetho ngeyokuletha ukuqondiseka nokukholwa ukuthi umuntu wonile ukwenzela ukuba uNkulunkulu emenzele isihawu.

> Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi. KwabaseRoma 5:20

UBaba wethu osezulwini wayengavumela nanoma ngesiphi isijeziso esasizofakwa emthethweni Wakhe; ngoba phela nanoma yiphi indlela yokufa yayizomiswa injongo kwakungeyokuthi anikele ngomusa kulabo ababezowucela. Siyakhumbula ukuthi uthini uMbhalo maqondana nesimilo nesimo sikaNkulunkulu:

> UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemezela wathi: "UJehova, uJehova uNkulunkulu **onesihe nomusa**, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene nokwethembeka… Eksodusi 34:6

> Bongani uJehova ngokuba muhle, **umusa wakhe umi ingunaphakade**. AmaHubo 107:1

UNkulunkuli hlezi enomusa nesihe futhi kuyisifiso sakhe ukuthi enzele abantu umusa. Umusa uphela noma uvalwa uma abantu benqaba ukukholelwa kuwo bekhetha ukujeziswa noma ukulahlwa. Ngabantu abaphoqelela ukuthi umusa uvalwe, bayazifihla kuwo ngoba befuna ukukholwa ukuba uNkulunkulu unjengabo. Bafisa ukukholwa ukuba uNkulunkulu ujikela abantu ebaqothule uma bengasamthokozisi. Uma lokhu kwakuliqiniso akuna kwenzeka ukuthi "umusa kaJehova umi ingunaphakade". Sizokhumbula ukuthi ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu, ngoba uzikhethele yena. Lesi yiso isizathu indoda eyathuka uNkulunkulu iye yakhandwa ngamatshe ngaphandle kokwenzelwa isihawu.

> Indodana yowesifazane wakwa-Israyeli noyise ongowaseGibhithe yaphuma yaya phakathi kwabakwa-Israyeli… (11) Yahlambalaza igama likaJehova, yaliqalekisa; yalethwa kuMose. (Unina waleyo ndodana kwakungu Shelomithi, indodakazi kaDibhiri, wesizwe sakwaDani) (12) Bayifaka etilongweni kuze kuphume isinqumo sikaJehova ukuthi benzenjani ngayo. (13) UJehova wakhuluma kuMose wathi: (14) Mkhipheleni ngaphandle kwekamu lowo muntu othile. Bonke abamuzwa mababeke izandla zabo ekhanda lakhe, inhlangano yonke imkhande ngamatshe. Levitikusi 24:11-14

UJehova wanikela ngesinqumo sokubulala u-Israyeli ayezimisele sona ngenxa yokuzibandakanya nezindlela zokujezisa ukuhlambalaza nokuqalekisa onkulunkulu baseGibhithe. UYise wayefisile ukuba lendoda ithole ukuqonda nokukholwa ukuthi nangempela yonile futhi kwakumele ibulawe, injongo yokuveza lokhu kwakungeyokuthi yenzelwe umusa. Siyazi

ukuthi lokhu kuyiqiniso ngenxa yamazwi akhulunywa ngumniki-mthetho uqobo lwakhe:

> Ngalokho ngithi kini: lonke uhlobo lwesono nokuhlambalaza kuzothethelelwa ebantwini kepha ukuhlambalaza uMoya oNgcwele akuyikuthethelelwa muntu. NgokukaMathewu 12:31

UJesu wayethe zonke izono ziyathethelelwa ngaphandle kwesisodwa – ukuhlambalaza uMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele usebenza onembezeni bethu usincenge ukuba siphenduke sicele intethelelo nomusa. Indoda ezophikelela ngokwenqaba ukulalela leliphimbo elimcenga ukuthi ephenduke ayizuacele ukwenzelwa umusa, ngakho uzokwahlulelwa ajeziswe ngendlela enqumiwe yamiswa ngabantu abakubo. Uma nje lendoda ekuLevitikusi 24 yayicele ukwenzelwa umusa, yayizowufumana. Yona yahlambalaza uMoya oNgcwele owawumcenga ukuba ephenduke ngoba uBaba wethu engafuni kubhubhe noyedwa kithi. Ngeshwa wavimbela lelophimbo, ngakho-ke wafa ngenxa yokukholwa kwakhe okuthi uNkulunkulu wayengeke emthethelele.

Bangaki phakathi kwethu abangathatha amatshe bekhande izingane ngoba zingaphenduki ezonweni zazo? Lomcabango mubi ngendlela eyokuthi angikwazi nokuwuchaza. Kodwa iningi labantu licabanga ukuthi yilokhu uYise osezulwini ayekufuna kubantwana bakwa-Israyeli. Bangaki abantu abase balala emathuneni abo benobutha ngoNkulunkulu ababecabanga ukuthi kwakungumqondo wakhe wokukhanda izoni ngamatshe? Amakhrestu amaningi namhlanje abonga uNkulunkulu ukuthi izinto ziphendukile eTestamendeni elisha, kodwa lokhu akuguquli iqiniso elithi bayakukholwa lokhu ngoNkulunkulu eTestemendeni elidala. Siyakhunjuzwa futhi ukuthi uJesu uthe akazelanga ukususa nokushintsha nanoma yiphi ingxenye yomthetho noma iTestamende elidala. Umtetho usanesibopho, kodwa njengalokhu sesifundile, uYise osezulwini wayengafisanga kubulawe muntu. Ufisa sengathi wonke umuntu engenzelwa umusa.

Kungumthandazo wami ukuthi uzomvulela inhliziyo yakho. Ukuthanda kakhulu. Akazange wabanesifiso sokukulimaza noma ekubulale ngenxa yezono zakho. Ufisa sazi ukuthi izono zethu ziyasibhubhisa nokuthi singacela umusa nangasiphi isikhathi. Uma sewunolwazi lokuthi uNkulunkulu akakuthukuthelanga, nokuthi uyakuthanda ngempela,

usungagijimela kuye uvume zonke izono zakho ubenesiqiniseko sokuthi uzokuxolela kuzo zonke. Njengalokhu eshilo noJesu kowesifazane owayebanjwe ephinga – “nami angikulahli, hamba ungabi sona.”

Ngeshwa bonke abanqaba ukwamukela iqiniso elithi uNkulunkulu ubathanda ngempela, nokuthi uhlezi njalo efisa ukubenzela umusa, abanjalo abazukuwuthola umusa; ngoba bekholwa uNkulunkulu ongena musa kwizoni, ngakho ithemba lokwamukela intethelelo bayalilahla. Njengo Kayine bathi – “icala lami likhulu kunokuthi lingathethelelwa.”

> Ngoba beluzondile ulwazi, abakukhethanga ukumesaba uJehova: (30) abafunanga kuzwa ngokweluleka kwami; bakudelela konke ukukhuza kwami. (31) Ngakho-ke bayakudla izithelo zendlela yabo, basuthe ngamacebo abo. (32) Ngoba ukuphambuka kwabangena lwazi kuzobabulala, nokuchuma kweziwula kuzobabhubhusa. IZaga 1:29-32

Mamela ilizwi likaJehova ukholwe yilo:

> UJehova wabonakala kimi wathi: Yebo, ngikuthandile ngothando oluphakade; ngakho-ke ngomusa ngikudonsile. UJeremiya 31:3

> Wozani manje, ake sithethe indaba, usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; nakuba zisosatini ziyakuba njengoboya.  U-Isaya 1:18

> …yena alesule alikhiphe ngamanzi ababayo. UNumeri 5:23

# 9. Umthetho nje ngesibuko

Njengoba sibheka izindaba zikaJesu eVangelini, sibhekana no Baba. UJesu wathi kuFiliphu, "Ongibonile mina ubonile uBaba." NgokukaJohane 14:9. Kunendaba ebaluleke kakhulu kwivangeli ngokwehlukana kwababhali baloi eveza sobala ingxenye yesimilo sikaBaba esingaqondwa nakancane. UJesu cishe wachitha isikhathi sakhe sonke esebenzela isizwe samaJuda. Ngalesi sikhathi esingavamanga uMsindisi wakhetha ukuba ehambele ngase sizweni samahedeni sase Finishia.

Ukuziqhenya nokulimala kwengqondo kwamaJuda okwakujule kakhulu kwadonsa izinhliziyo zabafundi kwaphuphuthisa amehlo abo ukuze bengaziboni indlela abaphatheka ngayo maqondana nesono sesizwe sakubo sokubandlulula ezinye izizwe nobuntwana babo uma sekuza kwezikamoya. U-Israyeli wayebizelwe ukuthi ebe yisibane kwabezizwe; kodwa lethuba eliyigugu kangaka baliguqula ubumnyama ngokweyisa omakhelwane babo ababengaphiwanga amathuba afana nawabo.

Owesifazane owayehlala emkhawulweni wase Khanani, kanye nabanye ababehlala naye babezwile ngothisha wamaJuda owayekwazi ukuphilisa abantu. Indodakazi yakhe "yayikhwelwa kabi yidemoni" kanti wayeke wacela usizo konkulunkulu bakhe kodwa abakwazanga ukumsiza. Wazibuza ukuthi wayengazukuthola yini usizo kulomfundisi. Wanquma ukuthi ethathe udaba lwakhe kuJesu enokungabaza ngesikhathi esifanayo, engabaza ukuthi lomJuda wayengamenzelani noma wayezomenzelani na.

Isikhalo salomama ompofu esivela enhliziyweni safinyelela ezindlebeni zoMsindisi.

> "Ngihawukele Nkosi, wena Ndodana ka Davide! indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni." NgokukaMathewu 15:22

NjengeNdodana kaNkulunkulu ezidelayo, inhliziyo yakhe yayigcwele isihawu. Wayeze kulesisifunda ukuze emsize, kodwa okulandelayo okwenzwa nguJesu kuveza enye into ebaluleke kakhulu ngesimilo sikaNkulunkulu.

> Kepha akamphendulanga ngazwi. NgokukaMathewu 15:23

Isizathu sokuthi enze lokhu siyavela emushweni olandelayo.

> Base besondela kuye abafundi bakhe, bamncenga bathi: "Mmukise, ngokuba uyakhala emuva kwethu." NgokukaMathewu 15:23

Uma uJesu wayevele wamnikeza ayekucela, ubulukhuni kwabafundi kwakungeke kwambulwe. Ngakho-ke uMsindisi wangamphendula ukwenzela ebone indlela ababezophendula ngayo. Bathatha ukuthula kwakhe njengofakazi sokubandulula ngokwesizwe ababenakho. Ngesikhathi esifanayo ukuthula kwakhe kwavivinya ukungabaza kwalowesifazane ayenakho ngalomfundisi wamaJuda. Siyabona ukuthi ukwenza kukaJesu kusebenza njengesibuko esiveza okusenhliziyweni yalabo abamzungezile.

Esinye isibonelo salokhu kungesikhathi uJesu "washaya sengathi udlulela phambili" ngesikhathi ehamba nabafundi ababili ababeya e-Emawuse. NgokukaLuka 24:28. UJesu weza "ehamba phezu kolwandle, kwangathi uyadlula kubo." NgokukaMarku 6:48.

Njengoba sesifundile, abafundi babephikisana nobizo lwabo lokuthatha isiphambano ngamunye ngamunye uma bebona ukuthi iNdodana kaNkulunkulu izodelwa yaliwe yizwe. Lokhu kwabenza baba yizimpumputhe ezintweni eziningi uJesu ayezama ukubatshela zona. Ngoba bangabantu abezwa umthetho kuphela bejike bengawenzi, lokhu kwadala ukuthi uJesu bembone ngalendlela:

> Yibani ngabalenza Izwi, ningabi ngabalizwayo kuphela, nizikhohlisa. (23) Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engasiye olenzayo, **lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni;** (24) ngokuba uyazibuka, amuke, akhohlwe masinyane ukuthi wayengonjani. Jakobo 1:22-24

Abafundi babenikeze ngempendulo ngesikhathi uJesu ebanika ubizo lombuso omusha, kodwa izinhliziyo zabo azithobelanga izimiso zokuzedela, nokwaliwa kukaMesiya yisizwe sabo. Lokhu kwabenza ukuthi babe ngabantu abalizwayo izwi elivela emlonyeni kaJesu. Ngesikhathi ethulile uJesu kwalo owesifazane owayevele kwelinye ilizwe bazibonela ubuso babo bemvelo phezu kwakhe, (bashaya sengathi ufana nabo AmaHub 50:21) bahumusha ukwenza kwakhe njengokungamukeli abantu ngoba bengasibo amaJuda. Babekhulisa nokubonakalisa isimo nezifiso zabo phezu kwakhe okwadala ukuthi becele uJesu ukuba emxoshe phambi kwakhe. Kulonawesifazane ngiyathemba kwa kubuhlungu kakhulu

ukubezwa bekhuluma ngalendlela. Usizi lwakhe ngendodakazi yakhe ngiyacabanga lwaphethuka ngaphakathi uma ephenduka ukuzwa okwakuzokhulunywa nguJesu.

> Kodwa waphendula wathi: "Angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli." NgokukaMathewu 15:24

Lempendulo yavivinya ukuba umuntu wayelalele ngempela yini. UMsindisi wayengeniswe nguJohane umbhaphathizi ngalamazwi athi:

> Bheka iWundlu likaNkulunkulu, **elisusa izono zezwe**. NgokukaJohane 1:29

UJesu wayenguMsindisi wezwe lonke, hhayi owamaJuda kuphela. Leqiniso owesifazane waseSamariya echibini likaJakobo walibona, kanye nalabo abaphuma emzini:

> Base bethi kowesifazane: Asisakholwa ngokulanda kwakho nje, ngokuba sesizizwele ngokwethu, siyazi ukuthi lo ngempela unguMsindisi wezwe. NgokukaJohane 4:42

UJesu wayenguMsindisi wezwe kodwa umbuso wakhe wawungasiwona umbuso wezwe:

> UJesu waphendula wathi: Umbuso wami awusiwo owalelizwe, uma umbuso wami ubungowalelizwe, izikhonzi zamizaziyakulwa ukuba nginganikezelwa kubaJuda. Kepha kalokhu umbuso wami awusiwo walapha. NgokukaJohane 18:36

Igama elithi *Israyeli* lichaza bonke abazokwamukela isipho sensindiso. Njengokuchaza kukaPhawule ngesinye isikhathi:

> Ngokuba umJuda kakusiye onguye ngokubonwayo, nokusoka akusikho okubonwa enyameni; (29) Kodwa umJuda yilowo onguye ngaphakathi, nokusoka kungokwenhliziyo, ngomoya kungungenyama, okutuswa kwakhe kungaveli kubantu kepha kuNkulunkulu. AmaRoma 2:28-29

UMsindisi wayekhuluma nabo ngombuso wakhe okamoya oqala ukusebenza enhliziyweni. Ngokuza kuJesu, lomama wayesabela obizweni lukaMoya. Waveza ukuthi nembala waye ngomunye wendlu ka-Israyeli. Hhayi u-Israyeli wenyama, kodwa u-Israyeli okaMoya. Igama elithi Israyeli

lanikezwa uJakobe ngemva kokubonakalisa ukholo oluphikelelayo nolunqobayo ngesikhathi ebambene nengelozi esephelelwa yithemba. Manje nalo wesifazane wayezobonisa ukuthi nembala naye ungu-Israyeli weqobo ongumnqobi.

> Kepha wayeseza, wakhuleka kuye, wathi: "Nkosi ngisize." NgokukaMathew 15:25

Ukholo lowesifazane alipheli mandla. Ubambelela kulo. UMsindisi wayefisa naye ukumsiza kodwa isilingo sasingekapheli.

> [Kodwa] Waphendula wathi: "Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjeni." NgokukaMathewu 15:26

Lana igama elithi *kodwa* alichazi ukuthi wayemelana nokunxusa kwakhe. Igama lesi-Gerike elithi *de* libuye lisho ukuthi *kanti* okuchaza umqondo oqhubekayo. UJesu wayemcela ukuba ekhethe uma engu-Israyeli ngempela. Umosho wakhe ungendlela ovivinya izingqondo zabafundi bakhe ezazilimele, ezibandlulula abantu ngokwezizwe ababevela kuzo; wayebuye evivinye nokungabaza kowesifazane ayenakho ngalothisha noma umfundisi wamaJuda. Owesifazane wayengavele esho ukuthi, "Nkosi, ngingomunye wezingane zakho, futhi ngiyakholwa ukuthi uzongisiza." Lena yimpendulo engaphezu kwazo zonke ayengazinikeza. Kodwa impendulo ayinekeza isamangalisa ngoba nanoma ezibiza inja, usabambelela okholweni lwakhe.

> Owesifazane wathi: "Yebo, Nkosi, kepha nezinjana zidla imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo." NgokukaMathewu 15:27

Nanoma wayecabanga ukuthi uJesu umbiza inja, wabambelela esakholwa ukuthi wayezomsiza, okwamenza ukuthi ebe ngumnqobi wangempela ongu-Israyeli. Uthando lwalomama endodakazini yakhe kanye nokusabela kwakhe uma edonswa nguMoya kwamnika ukunqoba kokukholwa.

> Khona uJesu waphendula, wathi kuye: "O mame, kukhulu ukukholwa kwakho; makube-kuwe njengokuthanda kwakho." Indodakazi yakhe yasinda kusukela ngaleso sikhathi. NgokukaMathewu 15:28

Lempendulo yayikhuza nokuthethisa abafundi. Babezwa amazwi kaJesu ngezinhliziyo zabo zenyama bebeka phezu kwakhe imicabango yabo yokubandlulula ngokwezizwe. Ngesikhathi ephendula isicelo sowesifazane

bethuka, nendlela ababebheka uJesu ngayo yaphohloka. Ngalesi sikhathi kwakumele bebheke ukwenza kukaJesu njengemfihlakalo noma beqale ukuzibuza ngokubandlulula nenzondo yabo maqondana nabezizwe.

Embhalweni uJesu ubuye ebizwe *"ukulakanipha kukaNkulunkulu."* 1KwabaseKorinte 1:24. Lokuhlakanipha okuvela kuBaba kumvumela ukuthi enzelane noluntu, aveze okusenhliziyweni ngaphandle kokuthi ekusho sobala, okungadala ukuthi uluntu lumelane nazokusho. Kungani engavelanga wabatshela ukuthi "banobutha maqondana nabezizwe, nokuthi kwakumele bebhekane nakho bekunqobe?" Lokhu kwakungazubasiza ngalutho. Kunalokhu, uJesu ukhuluma nabo ngendlela eyokuthi amazwi akhe aphenduka isibuko aveze okusenhliziyweni zabo.

Uma sewuqonda lesimiso, usungafunda uMbhalo njengomuntu owenza okushiwo ngumthetho, hhayi nje umuntu owuzwayo, abone nobuso bakhe bemvelo esibukweni abuye akhohlwe nokuthi ungumuntu onjani. Insalela uJesu ayinika abafundi ibhekane nawo wonke umuntu ofunda iBhayibheli. Izinto zilotshwe ngendlela eveza inhliziyo yomuntu ofundayo. Njengoba abafundi befunda izenzo zikaJesu njengezifana nezabo, ezokubandlulula ngokwebala noma ngokwezwe, iningi labantu lifunda iBhayibheli lichaze uNkulunkulu ngokuqonda kwemvelo yoluntu kunokuthi bemqonde ngesimilo ayiso yena. Ivesi elilandelayo lizwakala sengathi uNkulunkulu ukhohlwa abantu bakhe abavezele umhlane.

> Njengomoya wasempumalanga ngiyakubahlakaza phambi kwezitha zabo, **ngibabonise umhlane**, hhayi ubuso, ngosuku lwenhlekelelo yabo. Jeremiya 18:17

Sisebenzisa igama elithi ukutshengisa abantu umhlane uma sikhuluma ngokubala nokubanqaba kwethu. Qaphela ingqikithi yendaba yendlela uNkulunkulu ababonisa umhlane kulelivesi:

> Kuyokuthi lapho yedlula inkazimulo yami, ngikufake emfantwini wedwala, ngikusithe ngesandla sami ngize ngidlule. (23) Bese ngisisusa isandla sami, **ubone umhlane wami**, kodwa ubuso bami abuyukubonwa." Eksodusi 33:22-23

Ngalengqikithi yendaba ephelele uNkulunkulu uvezela uMose umhlane wakhe ukumvikela enkazimulweni ephelele yesimilo sakhe. Uthando lukaNkulunkulu ezinganeni zakhe likhulu, lizidela libuye likhathale

ngendlela eyokuthi uma isoni sibona loluthando ngokugcwele, liletha imizwa eyokuzilahla nokuzigweba ngendlela exakayo.

> Nokho abantu bami bangikhohliwe bashisela okuyize impepho, bakhubeka ezindleleni zabo emendweni yasendulo, ukuba bahambe ngemikhondo, nangezindlela ezingahlelwanga; uJeremiya 18:15

U-Israyeli wayekhohlwe uJehova esehambe ngezinye izindlela. UJehova wafihla inkazimulo yakhe wambonisa umhlane ukwenzela bengabhujiswa. Ubuye wababonisa umhlane ukwenzela bengaboni ukuhlushwa kanye nosizi lwakhe uma ebheka izingane zakhe zivuna ezazikutshalile.

> **Nganika abashayi umhlani** …U-Isaya 50:6

Izenzo zika Israyeli zazimlimaza uMsindisi. Ukukhonza kwakhe izithombe kwamkhubaza kakhulu. "Kuzo zonke izinhlupheko zabo *wahlupheka naye…* wabetshata wabathwala zonke izinsuku zasemandulo." Isaya 63:9. Ngakho wanikeza umhlane wakhe ekushayweni kwabo. Lomusho ungaqondwa njengokuthi uJehova eshaywa elinyazwa ngenxa yezono zabantu bakhe njengoba bemala, ingabuye ichaze ukuthi wayenikeza umhlane wakhe evikela abantu bakhe ukuze bengapitsheki uma kubonakala icala labo ngokuvela kwenkazimulo egcwele yesimilo sakhe. Inhliziyo yemvelo izofunda levesi njengokuthi uNkulunkulu uhlanukela abantu bakhe ngoba phela lena yindlela yemvelo esenza ngayo singabantu kanti uma sifunda iBhayibheli ngokwemvelo yilokhu esikuqondayo. Mayibongwe INkosi ngoba imicabango kaNkulunkulu ayisiyo imicabango yethu. Isaya 55:8-9.

Masinikeze ngesinye isibonelo sendlela iZwi likaNkulunkulu liyisibuko emphefumlweni. KuNumeri 13 sifunda okulandelayo:

> UJehova wakhuluma kuMose, wathi: "Thumela abantu ukuba bayohlola izwe laseKhanani engizakulinika abantu bakwa-Israyeli. Uthumele umuntu abe munye kuleso naleso sizwe sawokhokho babo, yilowo nalowo abe ngumholi phakathi kwaso." Numeri 13:1-2

Kodwa safunda kuDutheronomi 1:22 ukuthi:

> Bhekani uJehova uNkulunkulu wenu uninikile izwe eliphambi kwenu: khuphukani nilidle, njengalokhu uJehova uNkulunkulu wokhokho benu ayenitshelile; ningesabi, ningapheli amandla. (22) Nonke ngothi lwenu nasondela kimi, nathi: "Masithume amadoda ahambe kuqala

> ayosihlolela izwe, ukuze abuye asitshele indlela esimele ukukhuphuka ngayo, nemizi esiyofika kuyo. Lokho kwaba kuhle emehlweni ami, ngathatha kini amadoda ayishumi nambili, kwaba yindoda eyodwa kuleso naleso sizwe. Dutheronomi 1:21-23

Indatshana ekuNumeri ayivezi ingqikithi ephelele yendaba yalokho okwenzeka. Ivele iveze uNkulunkulu eyala ukuba kuthunye abantu ukuhlola izwe. Lamavesi omabili uma evezwe ngalendlela eMbhalweni aletha isivivinyo esincane kumuntu ofundayo. Uma enhliziyweni yakhe umfundi anesifiso sokuveza ukuthi iBhayibheli liqamba amanga, lamavesi angamiswa womabili ukuveza iphuzu elithi iBhayibheli liyaziphikisa. Ukuphikisana okuqhubeka phakathi komuntu ofundayo. Umuntu owenza okushiwo ngumthetho uzoshesha eqaphele ukuthi amazwi athi khuphuka udle izwe achaza ukuthi sasingekho isidingo sokuhlola izwe, nokuthi isicelo sokuhlola siveza ukuswelakala kokholo. UNkulunkulu lesicelo usiphendula ngezwi eliqondene nezifiso zabo. Imbiko yobugwala ebuya neningi lamadoda ayehambe ukuyohlola iveza ukungakholwa okwakusezinhliziyweni zabo, okuyikho okwenza ukuthi balethe lesicelo kwasekuqaleni. Kanjalo siyabona ukuthi iBhayibheli libhalwe ngendlela eyokuthi umuntu ophila enokuphikisana uzokwazi ukulifunda ethole nokuphikisana akufunayo ukusekela amaphuzu akhe. Umuntu owenza okushiwo ngumthetho ubambelela ekholweni, efise ukuxazulula okungabonakala njengokuphikisana, aqhathanise umbhalo aze alethe ukuvumelana.

Asithi ukubheka indaba kaDavide nokubala u-Israyeli.

> Intukuthelo kaJehova yabuye yamvuthela u-Israyeli. Wamvusa uDavide ukuba amelane naye, ngokuthi kuye: "Hamba ubale u-Israyeli noJuda. 2 Samuweli 24:1

Manje qhathanisa lokhu ne 1 Izikhronike 21:1

> USathane wamelana no-Israyeli, wavusa uDavide ukuba ebale u-Israyeli. 1 YeZikhronikhe 21:1

Kubonakala sengathi kunokuphikisana thizeni uma ufunda ingaphezulu. Lokhu kufana nqo nangesikhathi uJesu evezwa njengoMsindisi wezwe kodwa ethi kowesifazane, "Angithunyelwanga kwabanye, kodwa kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli." Siyavivinywa uma sifunda

lamavesi. Esahlukeni esiseza sizokhuluma kabanzi ngentukuthelo kaJehova. Okwamanje sizothi ukubhekana nokufundwa kwamagama esiHeberu ekukhanyeni kwempilo ka Jesu Krestu noma ngezibuko zempilo yakhe. Lokubalwa kuka-Israyeli kwadala ukubulawa kwamadoda abayizi-70,000.

> UJehova wayesethumela igciwane kwa-Israyeli kusukela ekuseni kwaze kwaba yisikhathi esinqunyiweyo. Kwafa abantu abayizi-70 000 kusukela kwaDani kuze kufike eBheri-shebha. 2 Samuweli 24:15

Ezinye izishiqilelo zithi uNkulunkulu wathukuthela ngo-Israyeli uze wadala isixazululo sokususa izinkulungwane zabantu:

> Ulaka lukaJehova lwavutha ku-Israyeli. Wenza uDavide ebavukele. Wathi, "Hambani! Nibale amadoda ka-Israyeli noJuda." 2 Samuweli 24:1 (NIV)

Uma sifunda ukuthi ulaka lukaNkulunkulu lwavutha ku-Israyeli, ingabe kudaleka siphi isithombe engqondweni yakho? Ingabe ucabanga umuntu onobuso obubomvu ehla phansi naphezulu eselungele ukubhamuka ngentukuthelo? Kungenzeka yini ukuthi abahumushi babefunda izincwadi zesiHeberu ngezingqondo zabo zemvelo? Okuthathekisa ngokuhlukana kwenchazelo yamagama esiHeberu kungukuthi umuntu ohumushayo uzozifakela inchazelo acabanga ifanele ngokwenqondo yakhe. Ngamanye amagama ukwehlukana kwezinchazelo kuguqula umqondo walokho esikufundayo. Uma ubheka igama elithi *ulaka* nokuv*utha* ku 2 Samuweli 24:1 usungawahumusha uthi *ukuhlushwa nokudabukisa*. Igama elithi *wenzisa* lingathiwa *ukudukiswa*, ngakho singafunda ivesi elifanayo ngalendlela.

> Intukuthelo kaJehova yabuye yamvuthela u-Israyeli, wamvusa uDavide ukuba amelane naye, ngokuthi kuye: "Hamba ubale u-Israyeli noJuda. 2 Samuweli 24:1

Lokhu kuvumelana kahle nesikufunda ku 1 Izikhronike 21:1 lapho uSathane wamelana no Israyeli. Kungani uDavide wayevuswe ukuba enze lokuhu? Kungoba u-Israyeli wayedabukise umoya ka Nkulunkulu waze wahamba. Intukuthelo ka Nkulunkulu eBhayibhelini ichazwa nje ngokuvumela kwakhe izingelozi zobubi ukuba zisebenze ngamandla angaphezulu.

> Ukuvutha kolaka lwakhe wakuthumela phezu kwabo, ulaka, ukufutheka nokuhlupheka, ngokuthuma [khulula] izithunywa zobubi kubo. AmaHubo 78:49

Siphinde futhi igama elithi *ukuthuma* lingashiqilelwa *ukukhulula.* Ulaka lukaNkulunkulu lunga chazwa nje ngokuvumela abantu bakhe ukuthi bemphike, bemxoshele kude, okuvumela ukuthi uSathane eme ethathe ithuba elisebenzise. UBaba wethu oligugu uthanda abantwa-bakhe, kanti nomsindisi wethu ungumalusi okhathalela izimvu zakhe. Uma abantu beqhubeka ngokuziba nokuphika ukunxusa nokuncenga kwakhe, ekugcineni kwamele evumele ukuthi bethole abakufisayo. U-Israyeli wayefisa ukuba isizwe esikhulu ngesikhathi ephethwe nguDavide. UMoya ka Nkukunkulu wamncenga ukuthi engafisi lezizinto, kodwa umoya owafisa ukuphathwa yinkosi manje efise ukwandisa umbuso. Ngakho uJehova wavumela ukuba uSathane ekhange uDavide ukubala abantu.

Iningi labashiqileli beBhayibheli likhetha ukuhumusha igama lesiHeberu elithi *aph*as njenge *ntukuthelo* ku 2 Samuweli 24:1. Kanti ku34:6 Eksodusi igama elifanayo lihlanganiswa nokuphuza ngalendlela:

> UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemezela wathi: "Jehova! Jehova! Onesihe nomusa, ophuza ukuthukuthela noma sehlushwa [H639 aph], novame ubumnene nokwethembeka. Eksodusi 34:6

UJehova uvumile ukuba legama lesiHeberu elithi *aph* libenjengesibuko emphefumlweni wethu. Singalifunda njengentukuthelo noma ukuhlushwa. Kungoba leligama ngesiHeberu lichaza *amakhala* noma *ukuphefumula ngamandla ngamakhala.* Ukuphefumula ngamandla kungeza ngenxa yokuthukuthela noma ngenxa yokuzwa usizi olukhulu. Ngesikhathi uJesu etshela abafundi bakhe ukuthi wayemele ehlushwe ngokuningi ngabaholi nabaphristi abakhulu, nezazimthetho, abafunanga nakuzwa. Ngakho siyathola ezindaweni eziningi ukuthi abantu bangamane becabange ukuthi uNkulunkulu nguye othukuthelela izoni kunokuthi abukeke njengoYise ohlukumezeka kakhulu, ebenenhliziyo edabukileyo ngenxa yezoni. Uma babengavuma ukumbona ngalendlela kwakuzoletha ukuqonda ezinhliziyweni nasezingqondweni zabo bezibone nokuthi kungani kwamele beyeke ukona ngoba ukwenzanjalo kuzwisa uYise ubuhlungu. Uma bembona njengomuntu othukuthelela izoni kwenza iningi libenesizathu sokona. Njengalokhu abafundi bengakwazanga ukufunda kahle ukuthula

kukaKrestu, kubo kwavela sengathi naye uyabandlulula, kanjalo nabashiqileli abaningi beBhayibheli bafunda izingqondo nemizwa yabo esimilweni sika Nkulunkulu, kanjalo futhi nabantu abazofunda lamaBhayibheli.

Isibonelo sokugcina esizosibheka:

> USawule wafa kanjalo-ke, ngenxa yesiphambeko sakhe asenza kuJehova, akaze aligcina izwi likaJehova, nangokuba aya kobhula konedlozi, wabuza kuye, (14) engabuzanga kuJehova. Ngakho-ke wambulala, umbuso wawubuyisela kuDavide, indodana kaJese. 1 Yezikhronike 10:13-14 (NKJV)

Uma umuntu efuna ufakazi lokuthi uNkulunkulu abantu uyababulala, sekungabonakala sengathi ubutholile. Lithi uNkulunkulu wambulala uSawule. Lelivesi liveza isibuko. Umuntu ozwa umthetho uzobona ubuso bakhe bemvelo kulo. USawule wayethandekile kuNkulunkulu kepha wamhlanukela. Umuntu wemvelo angazifica enemizwa yokuziphindisela uma wayesezinyathelweni zikaNkulunkulu, ngakho ecabange ukuthi nembala USawule kwamele ebulawe. Ngakolunye uhlangothi indoda yemvelo isingaba nobutha kubo bonke ubuholi bese ifunde lelivesi ngokuthi uNkulunkulu wabulala uSawule futhi lokhu kungufakazi lokhuthi ubuholi bonke vele bunonya nokukhohlakala. Kulabo abafunda iBhayibheli ngezibuko zesimilo sikaJesu, bazofuna ezinye izimpendulo zokuchaza lelivesi okubonakala sengathi lithi uNkulunkulu wabulala uSawule. Kulendaba impendulo itholakala esahlukeni esifanayo emavesini ayishumi aweza ngaphambi kwalelivesi.

> Impi yaba nzima kuSawule, abacibayo bamfica esezinhlungwini ezinkulu ngenxa yababemcibile.(4) USawule wathi odibini lwakhe: "Hosha inkemba yakho, ungigwaze ngayo, funa labo abangasokile bafike bangihlukumeze." Kepha aluvumanga udibi lwakhe, ngokuba lwalwesaba kakhulu. Ngalokho uSawule wathatha inkemba, wawela phezu kwayo. 1 Yezikhronike 10:3-4

USawule wazibulala. USawule wayehlanukele uNkulunkulu, okuchaza ukuthi uNkulunkulu wayengasakwazi ukumvikela ngendlela ayefisa ukumvikela ngayo. Empini uSawule wayengavikelekanga, kwenzeka ukuthi ezibulale. Lokhu kuyazwakala uma ufunda amavesi wonke.

Kunesifundo esibaluleke kakhulu lana kumuntu ofunda iBhayibheli. Uma unesiqiniseko sokuthi umsebenzi kaJesu emhlabeni kwakungukuthi ezoveza uYise, uqonda futhi ukuthi ukuhlupheka kukaKrestu ubanakho usuku nosuku edelwa ngabantu, bese njengowesifazane waseFinishiya sizobambelela ngokholo sithemba ukuthi nembala unomusa nanoma sekubonakala sengathi akanawo. Lona ngumthetho osebenza njengesibuko emphefumlweni wethu ukuveza okusenhliziyweni, ukwenzela siphenduke singasabeki izifiso nezingqondo zethu phezu kukaKrestu kanye noYise.

… makube-kuwe njengokuthanda kwakho. NgokukaMatthewu 15:28

# 10. Ukufakwa kokwesaba kukaNkulunkulu

> Lalisondele iPhasika labaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema. (14) Wafumana ethempeleni abathengisa ngezinkomo nangezinkomo nangezivu nangamajuba, nabahlezi beshintsha imali. (15) Wayesenza inkalivasi ngezintambo, waxosha bonke ethempeleni, nezimvu nezinkomo, wachitha imali yabashintshayo, wagumbuqela amatafula, (16) wathi kwabathengisa ngamajuba: Susani lokhu lapha, ningayenzi indlu kaBaba indlu yokuthengelana. (17) Abafundi bakhe bakhumbula ukuba kulotshwe ukuthi: Ukushisekela indlu yakho kuyangidla. NgokukaJohane 2:13-17

> Wangena ethempelini, waqala ukuxosha abathengisayo, (46) wathi kubo: Kulotshiwe ukuthi: Indlu yami iyakuba-yindlu yokukhuleka, kepha nina niyenze umhume wabaphangi. NgokukaLuka 19:45-46

IPhasika lalilungiselwe ukufundisa izoni uthando lukaNkulunkulu olumangalisayo ngokunikela ngeNdodana yakhe ukuba ifele izwe. Izikhulu zakwa Israyeli babephendule lokhu balenza ithuba lokuzitholela inzuzo kunokuthi besize abantu. Umnikelo wawudingeka emndenini ngamunye, kanti ukuze kuthengwe imvu umuntu kwakumele eshintshe imali eyayisetshenziswa yisizwe ukuze ethole imali eyayisetshenziswa ethempelini. Lokhu kushintsha kwezimali kwadala ukuthi intengo yemihlatshelo idayiswe ngentengo ephezulu kakhulu. Abampofu nabanganelisi babekuthola nzima ukuthola umhlatshelo owawudingeka okwabashiya bezizwa sengathi barobhijiwe ngamadoda okwakumele kubo yibo ababafundisa ngomusa kaNkulunkulu ochichimayo.

Ngesikhathi uJesu ebuka lesehlakalo ethempelini, kwaba nosizi enhliziyweni yakhe. Uma lomkhuba wawuzoqhubeka ungakhuzwa izinkulungwane zazizolala emathuneni azo zingamazi uKhristu, ngaphandle kwensindiso ngoba iqiniso levangeli lalishintshwa liphendulwa umhaha wobugovu. Lana sihlangana nengxenye yesimilo sikaNkulunkulu edidaniswa kalula nje. UNkulunkulu lamadoda awesenza lemisebenzi emibi wayewathanda kakhulu ngendlela efana nalabo ababerojwa. Ukwenzela efinyelele labaholi kwakumele ebabonise indlela engasiyo abebesenza ngayo ukwenzela ebasindise nabo. Nangu umthetho ofingqiwe olandelwa yinsindiso:

> Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi: KwabaseRoma 5:20

Ukuphikisana kwamazwi nokuxokozela okwakusenzeka ethempelini kwa kungukukubuyiseleka kwesimo sezinhliziyo zamadoda ayehola isizwe. Uma babengazuphenduka kulemisebenzi yabo babezokufa.

UMsindisi wezwe unamandla okufunda izinhliziyo zabantu. Njengalokhu uYise esazi izinwele zekhanda ngaliyne, kanjalo wazi imicabango yayo yonke ingqondo. Njengoba ubuNkulunkulu buphazima noma bukhazimula emuntwini wenyama, uKrestu ufunda izimfihlo ezisekujuleni kwalabo ababemzungezile. Leli yihora lokwahlulela; bonke ababebhekile kwakhanya kubo ukuthi uMsindisi wayekwazi ukufunda yonke imininingwane yezinhliziyo zabo. Kwababi lokhu kwakungamava asabeka ngempela. Isenzo sokuthatha ikalimvasi ngezintambo yayingenzelwanga ukushaya abantu nokublimaza, kodwa ukuveza kubo ukujula kobubi kwalokho ababekwenza. Akukho muntu owafayo, akukho muntu owalinyazwa, keepha izinto ababedayiselana ngazo zashayelwa phansi zachithwa njengesixwayiso sokuthi lezi zinto zazizobabhubhisa.

UMsindisi wethu wayebaqondisa ezonweni, hhayi ngoba efuna ukubabulala kodwa ngoba ukubasindisa. Wayefisa ukuba bebone ingozi ababekuyo, bephenduke bethole ukusinda. Ngesikhathi uMoya kaNkulunkulu uhlolisisa izinhliziyo zabo kwakungesifiso sokuthi bekhuthazwe ukuba bephenduke ezonweni zabo becele intethelelo ngemisebenzi yabo emibi ababeyenzile. Kunalokhu, abantu babaleka ebukhoneni bakhe, bakhetha ukubambelela ezonweni zabo kunokuthi bezishiye. Baxoshwa ethempekini ngenxa yokwenqaba ukuphenduka kwabo. Uma babephendukile babezokwamukeliswa umusa nokuthula ezinhliziyweni, okwakuzobavumela ukuthi behlale ebukhoneni bakhe. Ngesikhathi abaningi babesaba, bembalekela Khristu, abanye bahlala bemlalela ebafundisa.

> Wayefundisa ethempelini imihla ngemihla. Kepha abapristi abakhulu, nababhali, nezikhulu zabantu bafuna ukumbulala. NgokukaLuka 19:47

Uma uJesu wayegcwele ulaka nobudlova maqondana nabantu, akukho muntu ayezosala; babezobaleka bonke. Labo ababenezinhliziyo ezivumayo

neziphendukayo abadinganga kuhamba ngoba babengezwa befanele ukulahlwa ebukhoneni bakhe.

> Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKhristu Jesu [abangahambi ngokwenyama kodwa abahamba ngokukamoya]. KwabaseRoma 8:1

Ngeshwa abapristi nezikhulu zanqaba ukuvumela ukuba uMoya kaNkulunkulu uhlanze izinhliziyo zabo. Ithempili laliyisibonakaliso senhliziyo yesizwe. Ithempile lalingahlanzeka lihlanjululwe ngezinyembezi zokuphenduka kwabantu, kodwa libonakala lihlanzeka njengoba ababi bebaleka ebukhoneni boMsindisi. UMoya wawusondela eduze nabo ngokwahlulela ukubasindisa, kodwa uma uya ngokusondela uvalo lwabo lwaya ngokukhula.

> **Ngiyakusondela kini ngokwahlulela;** ngibe-ngufakazi osheshayo ngabalumbi, nangeziphingi, nangabafunga amanga, nangabacindezela abaqashwa ngenkokhelo yabo, nabafelokazi, nezintandane, nabachezukisa abafokazi, bengangesabi mina, usho uJehova Sebawoti. UMalaki 3:5

Imicabango yethu eyemvelo uma sifunda lelivesi isitshela ukuthi uNkulunkulu abenzi bobubi uzakubabhubhisa ebabulale ngenxa yolaka lwakhe. Futhi, izwi likaNkulunkulu lisebenza njengesibuko. Uthi umbhalo, “Ngiyakusondela kini ngokwahlulela.” UBaba wethu ufisa ukuza eduze nathi, ekhulumisane nathi ngezono zethu. Ukuzithola usebukhoneni bomuntu onothando nokuzidela okunjalo kushiya umuntu efuna ukubalekela lokhu kukhanya noma ephenduke eshiye izono. Akuna kwenzeka ukuthi umuntu ehlale engenzi lutho ebukhoneni bukaNkulunkulu. Labo ababambelela ezonweni zabo bayabaleka becabanga ukuthi besindise izimpilo zabo, ngokucabanga kwabo. Kodwa bayaveza ukuba empeleni babalekela ukuphila, nokutha bathanda ukufa.

Ukuhlanzwa kwethempeli kuveza okwenzeka ezulwini ngesikhathi uLucifer nezingelosi zakhe bevukela uNkulunkulu. UMoya kaNkulunkulu wabaqondisa ezinqondweni zabo ukuthi babehamba ngendlela eyayingasiyo, kodwa ngeshwa baqhubeka benqaba ukwamukela intethelelo. Qaphelisisa izindlela ezimbili ezivezwa eMbhalweni ngokwayenzeka:

> Nezingelosi ezingagcinanga ubukhosi bazo, kodwa zalishiya ikhaya lazo, izigcinele ukulahlwa kosuku olukhulu ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama, Incwadi kaJuda 1:6

> Ngokuba uma uNkulunkulu engayekelanga izingelosi ezonileyo, kodwa wazinikela ukuba ziphonswe esihogweni, emigodini yobumnyama, ukuba zigcinelwe ukwahlulelwa; 2 kaPetru 2:4

Ingabe uwafunda njani lamavesi na? NgokukaJuda siyatshelwa ukuthi lezingelosi zalishiya ikhaya lazo. ngokukaPetru siyatshelwa ukuba uNkulunkulu akaziyekanga ezingelosi ezonileyo kodwa wazinikela ukuba ziphonswe esihogweni, emigodini yobumnyama.

Ngesikhathi iNdodana kaNkulunkulu isondela kuzo ngokwahlulela, izivezela uYise, azikwazanga ukuhlala ebukhoneni bayo. UKhristu, onguMikayeli isikhulu sezingelosi, welwa nalezingelosi, ezincenga ukuba ziphenduke zingene ekukhanyeni, zibuyele kuYise.

> Kwase kubakhona ukulwa ezulwini; uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe, (8) kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini. ISambulo 12:7-8

Impi eyasezulwini yayigxile kuLucifer efisa ukudayisa izimiso zakhe ethempelini likaNkulunkulu.

> Ngobuningi bokuthenga [nokuthengisa] kwakho wagcwaliswa ngobudlova, wonile; ngalokho ngizokulahla nje ngongcolile entabeni kaNkulunkulu, ngizokuchitha wena kherubi elisibekelayo, wangabikho phakathi kwamatshe omlilo. Hezekeli 28:16

Siphinde futhi iBhayibheli likhuluma nathi njengesibuko. Lisivezela okusenhliziyweni zethu. Uma lithi, "ngizokuchitha wena kherubi elisibekelayo," sinensilela eyokwahlulela ukuba lokhu kuzokwenzeka kanjani. Uma nje uLusifa wayevume icala lakhe ngaphambi kokuthi ezifake empini nombuso kaNkulunkulu, wayezosindiswa. Imizamo yeNdodana kaNkulunkulu yokuhlanza ithempile elingumzimba wakhe lenza kwashuba kakhulu, ngesikhathi uKhristu ezama ukumfinyelela emenze ukuba eqonde impazamo yakhe, wanqaba, waqinisa inhliziyo yakhe wawela esonweni unomphela. Ukwenza kukaKhristu kwanikeza uLusifa ithuba lokunqaba ukukhanya, ekugcineni ezichithe ngokwakhe. Ngokuhamba kwesikhathi

iBhayibheli liveza ukuthi uNkulunkulu waqala umsebenzi ozogcina ekubhujisweni kukaLusifa. Lokhu kufana nalapho iBhayibheli lithi uNkulunkulu wayiqinisa inhliziyo kaFaro. UNkulunkulu wazama ukumfinyelela uFaro ukuba ephenduke, kodwa inkosi yakhetha ukuqinisa inhliziyo yayo. Yilokhu okwenziwa yilanga okuqinisa ibumba, noma yizithako ezisobumbeni ezithi uma zihlangana nemisebe yelanga ziqina?

USathane nezingelosi zakhe abagudluzwanga baxoshwa ezulwini. USathane waxoshwa ngenxa yokunqaba ukusabela eMoyeni kaNkulunkulu uma umqondisa isono sakhe, efisa ukusuka ebukhoneni bukaNkulunkulu. Into efanayo siyithola yenzeka ngesikhathi uJesu ehlanza ithempile. Wayetshengisa abantu iziphambeko zabo eqondisa izwe ngesono, uMoya wasondela eduze kangaka nabo, wabancenga ukuba bephenduke kodwa benqaba. Lokwenqaba kwabeka iningi labo bagcinwa ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama njengezingelosi ezawayo. Ngesikhathi uMoya wenza umzamo wokufinyelela umphefumulo, wenqatshwe ngendlela egomethele, ubumnyama busheshe bungene bugqilazise umphefumulo. Mayibongwe iNkosi ngoba abanye abambalekela uKhristu ngalolusuku bakwazi ukubuye bephenduke, kodwa kwabanye lolusuku lwaba ukuqala kokubujiswa kwabo; sekungashiwo ukuba uKhristu wabachitha ngenxa yokuzama ukubasindisa.

Ngalolu lwazi singafunda izindatshana ezimbalwa eBhayibhelini ngokuqonda okunconywana uma kuthiwa abantu bafikelwa kukwesaba ebukhoneni bukaNkulunkulu.

> Ngiyakwethuma ukwesabeka kwami phambi kwakho, **ngibasanganise**[H2000] bonke abantu ozafika kubo, ngenze ukuba zonke izitha zakho zikufulathele. (28) Ngiyakuthuma iminyovu phambi kwakho eyakuxosha amaHivi, namaKhanani, namaHeti phambi kwakho. Eksodusi 23:27-28

Igama lesiHeberu elisetshenziswa ngabashiqileli be-King James elithi *destroy* linenchazelo ezihlukene:

> H2000 – Hamam: ukudidanisa , ukwenza umsindo, ukungahlalikamnandi, ukuphula, ukuqeda, chifiza, chitha noma bhubhisa, hlukumeza, cunula

Ukwesaba okwafakwa nguNkulunkulu kwiningi lalezi zizwe kwakufana nqo! Nokwayenzwa nguJesu ngesikhathi ehlanza ithempile ibanga lesibili. Iningi lalezi zizwe ezazizungeze u-Israyeli zasezigcwalise ikomishi lokona kwazo, sezifike esikhathini sokwenza isinqumo sokugcina. Ukwesaba okwafakwa nguNkulunkulu kuzo kwakungukuqondiseka ezonweni zazo. UMoya kaNkulunkulu wasondela eduze kangaka ngokwahlulela. Ngeshwa benqaba, kanti lokhu kwabenza besangane, bengahlaliseki-kahle, becunulwe. Ukwenqaba kwamaJuda kokwamukela umusa uJesu abashiyela wona, kwabenza ekugcineni bebhujiswe noma bechithwe yiRoma. Ukwenqaba ukuphenduka ezonweni kwalezi zizwe ezazibazungezile kwabenza ukuba bedalulwe enkembeni ka Israyeli. Sizokhuluma ngenkemba ka-Israyeli esahlukweni esilandelayo kodwa okwamanje siyabona ukuthi ukwesaba kweNkosi okweza kulezi zizwe kweza ngenxa yoMoya ka Jehova uzama ukubaqondisa ezonweni zabo, uzama ukubancenga ukuba bephenduke njengomzamo wokugcina wokubasindisa. Ukuzama ukubafinyelela kwadala ukuqina kwezinhliziyo zabo, kanjalo-ke bazikhethela ukufa kunokuthi bekhethe impilo. Ukuqondiswa ngezono kwakunjengeminyovu enhliziyweni. Lezizwe zazikhahlela udonga onembezeni lwazo, zabaleka ebukhoneni bukaNkulunkulu kanti zibalekela ezandleni zikaSathane, umbulali, babhubha.

> Kwathi ngomlindo wokusa uJehova walunguza impi yabaseGibithe, esensikeni yomlilo neyefu, **wayidunga**[H2000] impi yabaseGibithe. (25) Wawisa amasondo ezinqola ukuba behambise kalukhuni, baze bathi abaseGibithe: Masibaleke ebusweni buka Israyeli ngokuba uJehova uyabalwela emelane nabaseGibithe. Eksodusi 14:24-25

Olwandle olubomvu uJehova wayidunga impi yabaseGibithe. Yigama elifanayo njengalelo elisetshenziswa ukuba uNkulunkulu wayezofaka ukwesaba kwabezizwe ngokuka-Eksodusi 23:27.

AbaseGibhithe uNkulunkulu wayebathanda njengalokhu wayethanda abakwa-Israyeli. Ngesikhathi emisa insika yomlilo ukwenzela ukuba ebanqabele ukuthi behlasele u-Israyeli, kwakumele bebone lokhu njengesixwayiso sokuthi bejike bezihambele ekhaya. Bethuswa yilokhu, kodwa abavumanga ukuphenduka. Ngesikhathi bejaha u-Israyeli, uNkulunkulu wathumela izingelosi zakhe ukuba zikhulule amasondo wezinqola ukuba behambise kalukhuni, nokuthi bengasaqhubeka

ngokumjaha. Ngokwenqaba ukuthobela kwabo ngenkani bahamba kwazekwaba ekujuleni kolwandle, bancwila ngesikhathi kuhlangana amanzi. Akukho fakazi lokuthi uNkulunkulu wabaheha ukuba bengene emanzini ukuba ebabulale. Wakwenza konke ayengakwenza ukwenzela ukuthi bangafiki lapha.

> Izinsuku esahamba ngazo sisuka eKadeshi-Barineya saze sawela umfula i-Zeredi zaziyiminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili, kwaze kwaphela isizukulwane samadoda empi phakathi kwekamu, njengalokhu uJehova wafunga kuwo. (15) Futhi isandla sikaJehova sasimelane nawo **ukuwachitha**[H2000] phakathi kwekamu, aze aphele. UDuteronomi 2:14-15

U-Israyeli wayenxuswe ukuba ekhuphuke ethathe izwe laseKhenani, kodwa ngenxa yokwesaba iziqhwaga ezazisezweni benqaba ukuthemba uJehova. Ngesikhathi uNkulunkulu esebatshela ukuba babengakwazi ukulithatha izwe lesithembiso ngenxa yokungakholwa kwabo, nokuthi babezofela ehlane, bahlubuka futhi, banquma ukuthi bona babezohamba bayolwa. Emva kokushaywa yizitha zabo basola uMose ngayo yonke into befuna nokumbulala. Laba bantu babehlezi njalo bethi uNkulunkulu wayefuna ukubabulala ehlane, kanti ngamazwi abo bathola ukwahlulela abazikhethela bona. UNkulunkulu wavumela ukuba lezi zinto zenzeke enethemba lokuthi bazobona amaphutha abo, baphenduke uma bezosola becele intethelelo. Isikhathi esingangeminyaka engu-40 uNkulunkulu ethumela uMoya wakhe ukubancenga ukuba bezithobe beshiye izono zabo. Uma nje babephendukile, kwakungasena msebenzi nanoma bengafela ehlane ngoba babezothola ukuphila okungunaphakade.

> Ngakho-ke lokhu kusasele ukuba abanye bangene kukho, nalabo abashunyayezwa kuqala ivangeli bengangenanga ngokungalaleli[ngokungakholwa]: KumaHeberu 4:6

Kuyadabukisa ukuthi wonke u-Israyeli wanqaba ukungena ekuphumuleni okukuKhristu, ebenolwazi lokuthi izono zakhe zixolelwe. Kunalokhu, baziqinisa izinhliziyo zabo maqondana nokunxusa kukaMoya, bafela ehlane, balahlekelwa yimpilo engunaphakade. Ingabe singasho ukuthi uJehova ubabhubhisile? Singasho ukuthi ukwenza kwakhe kunje ngokwenza kwelanga obumbeni. Ukunxusa kwakhe okwakuphikelela kwaziqinisa izinhliziyo zabo ngenxa yokwenqaba kwabo, ngakho bachithwa baphela.

Uma uMsindisi eza kuwe ngokuqondisa kwesono okujulileyo, ungabaleki ngokwesaba uyenze lukhuni inhliziyo yakho. Kholwa ukuba uYihlo uyakuxolela ngaphandle kwentengo, futhi uyakuhlanza kuso sonke isono, ujabulele ukuthula nenkululeko eza ngentethelelo yezono. Jabulela ukuthula kwezulu ethempelini elingumzimba wakho, uthokozele ukuthi ufisa ukulihlanza, elihlanzela inkazimulo yakhe, elihlanza ngenkazimulo yakhe.

Ngalezi zintsuku zokugcina, kunomyalezo eya ezweni lonke ositshela ukuba “Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo.” ISambulo 14:7. Uma sivumela uMoya kaNkulunkulu ukuthi usiqondise ezonweni zethu, singenqabi ukuncenga nokunxusa kwakhe, sizobusiseka, siqale ukuqonda ukuhlakanipha, ngoba siyafunda ukuthi:

> Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi ongcwele kungukuqonda. IZaga 9:10

# 11. Intukuthelo kaJehovah

Iviki-nje ngaphambi kokuthi uKhrestu alenge emthini, wayegibele imbongolo engena eJerusalema ezungezwe yizixuku zabantu.

> Iningi lesixuku lendlala izingubo zablo endleleni, kepha abanye bagawula amahlamvu emithini, bawendlala endleleni. (9) Izixuku ezazihamba phambili nezazimlandela zamemeza zathi: Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi, Hosiyana kweliphezulu! NgokukaMathewu 21:8-9

Kubafundi kwakubonakala sengathi ababekulindele bekuseduze nokufezeka; nembala ekugcineni iNkosi yabo yayisamukelwa yizixuku ezaziyithanda. Kodwa phakathi kwalesi sehlakalo sifunda ukuthi:

> Kwathi esondela, ewubona umuzi, wawukhalela, (42) Wathi: Sengathi nga wazi nawe ngalolusuku okokuthula kwakho. Kepha kalokhu kufihlakele emehlweni akho. NgokukaLuka 19:41-42

Njengoba ebheke umuzi uJesu wayecabanga ngakho konke okwakwenziwe yilesi sizwe ngokwambuka kwaso kuYise, nokwakuzokwenzeka kungekapheli iminyaka engamashumi amane kusukela ngalolosuku; wayeseqala ukuwukhalela. Lokhu kwakungaso nyembezi encane nje emehlweni; kwakungukukhululwa kosizi olukhulu olungafihleki olwabonakala ngokukhala kokuzwa ubuhlungu. Elinye lamagama elasetshenziswa yiNkosi ukuchaza isimilo sikaNkulunkulu kwakungukuthi *uphuza-ukuthukuthela* (*nanoma sehlushwa*).

> UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemezela wathi: "Jehova! Jehova! Onesihe nomusa, ophuza ukuthukuthela noma sehlushwa [H639 aph], novame ubumnene nokwethembeka …Eksodusi 34:6

Legama linenchazelo elandelayo:

> Ikhala noma ke impumulo; ngakho ubuso, ngesinye isikhathi umuntu; (**nokuphefumula ngokushesha** ) ulaka: - intukuthelo, + ngaphambi, ubuso, + ukunyamezela, ibunzi, + **unyamezelo**, impumulo, **ikhala**, ikhala elide, X okufanele, ukuthukuthela.

> Kepha wanika uHana isabelo siphindwa kabili [esifanele] [H639 aph]; ngokuba wayemthanda uHana, kepha uJehova wayesivalile isizalo sakhe. 1Samuweli 1:5

Akwenzi mqondo ukuthi uHana wayenikezwe isabelo esinolaka ngoba wayemthanda. Njengokusho kweshiqilelwa ngu-*Gesenius yesiHeberu-nesiKhaledi [Lexicon]* eyibeka ngalendlela:

> Engqondweni inokudabuka; ngoba amagama achaza ulaka abuye asetshenziswe ukuchaza ukudabuka.

Inyembezi ezishisayo zikaJesu zeza ngenxa yenhliziyo yakhe enkulu yothando ezinganeni zakhe. Ingabe lokhu kwagoqela ndawonye nentukuthelo? Yebo; entukuthelo maqondana nalokho isono sasikwenzule ebantwaneni bakhe abathandekayo, kanti ibonakala ngokudabuka okujulileyo kwezinyembezi ezishisayo.

> Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami, usho uJehova. (9) Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. U-Isaya 55:8-9

Uma sifunda eBhayibhelini ngolaka lukaJehova, ingabe sinesiqiniseko sokuthi sikuqonda ngendlela efanele? Siphinde futhi, sibheka impilo kaJesu ukubona ukuthi ulaka lwakhe wayeluveza alubonakalise kanjani.

> Maye kunina babhali naba-Farisi, bazenzisi, ngokuba nidla izindlu zabafelokazi, nangokuzenzisa nenza imikhuleko emide! Ngalokho-ke niyakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu. (15) Maye kunina babhali naba-Farisi, bazenzisi ngokuba nihamba ulwandle nomhlaba ukuba nithole nokuba iproselite lilinye, lithi selabanjalo nilenze indodana yesihogo ngokuphindiwe kunani! (16) Maye kinina-baholi abayizimpumputhe enithi: ofunga ithempeli akulutho, kodwa ofunga igolide lethempile uzibophile! (17) Ziwula, zimpumputhe, ngokuba yikuphi okukhulu kunegolide nethempeli elingcwelisa igolide na? NgokukaMathewu 23:14-17

Nembala kulawamavesi kuzwakala sengathi uJesu uthukuthele. Amazwi uJesu awasho aqhubeka emavesini ambalwa, bese sifunda enye into ebaluleke kakhulu:

> Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga! NgokukaMathewu 23:37

UJesu wayebathanda labaholi abampofu bamaJuda. Wayefuna ukuba buthanisa ndawonye abavikele. Ukhuluma ngolimi oluthambileyo lweskhukukazi sibuthela amazinyane aso. Siyisithombe esihle sothando loMsindisi. Ulaka lwakhe lungukubonakalisa kosizi lwakhe olusekujuleni kwenhliziyo yakhe ayekutshengisile ngesililo sakhe maduze nje. Enkulumeni yesahluko 23 ngokukaMathewu sibona ukuvezwa kolaka lukaNkulunkulu.

Uma bekunesikhathi lapho kwakuvumelekile ukuba umlilo ubizwe ovela ezulwini, lesi kwakungaba yiso. Labaholi babebangela ukusweIa kwesizwe samaJuda sonke. Babeme endleleni yabantu, bonakelisa izimfundo ezimsulwa zemibhalo. Kuyavela sobala ukuthi uma kwakunethuba elihle lokubanxuma ukwenzela iqiniso lifikelele iningi kwakumanje. UJesu akaphakamisanga nkemba, akabizanga ngisho nomlilo obuya ezulwini, kodwa usho lamazwi:

> Bhekani indlu yenu isisala nani. NgokukaMathewu 23:38

Lana sibona isinqongo noma umphumela wolaka lukaNkulunkulu. INdodana kaNkulunkulu iveza ukuba isivikelo sesizwe sasuka phezu kwaso. Kungalesi sikhathi lapho uSathane ekwazi ukuphatha abaholi bamajuda ngokuphelele, abenza ukuthi ekugcineni bekwazi ukuphumelela ezihlelweni zabo zokumbulala uJesu. Siyaqaphela ukuthi ngesikhathi uJesu ephumisela ukuba indlu seyasala nabo, wayeselungisele indlela yokufa kwakhe, hhayi ukufa kwalabo ababemelana naye. Ngesikhathi uMoya kaNkulunkulu se uphume abaphristi nababusi, kwakungasena lutho elalingabavimba ukuba bengambulali uJesu. USathane wayengathatha indawo manje, kanti ngesikhathi esingangeminyaka engamashumi amane, wasechithe nomuzi wonke, kanti namaJuda angaphezu kwesigidi abulawa ngamaRoma.

Lana sibona inchazelo yolaka lukaNkulunkulu uma lichazwa ngenye indlela:

> Waphonsa kubo ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka nokufutheka, nokuhlupheka ngokuthuma izithunywa zobubi. AmaHubo 78:49 (NIV)

## Ngubani umbhubhisi noma isithunywa sokufa?

Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa yisithunywa sokufa. 1 KwabaseKorinte 10:10 (NIV)

## Igama elithi umbhubhisi ngesiGerike lichaza *inyoka enesihlungu*.

Sinenkosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu lingu Abadoni, kepha ngesiGreki inegama lokuthi u-Apholiyoni (okuchaza ukuthi uMbulali) ISambulo 9:11

Umbhubhisi nguSathane. Uma abantu bephikelela benqaba uKhrestu, bakwenza kubesobala ukuthi abafuni lutho olubahlanganisa naye, ngokudangala nangezinyembezi uyakhala ekhalela izingane zakhe ezilahlekayo, ebashiye ukuba bekhethe inkosi abafisa ukuholwa yiyo. Uma lokhu kwenzeka, uthango lokuvikela olubiyele umuntu wonke liyadilizwa.

uSathane wamphendula uJehova wathi: uJobe uyamesaba uNkulunkulu ngeze na? (10) **Wema awumbiyelanga yini** yena nendlu yakhe nakho konke okwakhe nxazonke, wabusisa umsebenzi wezandla zakhe na? Impahla yakhe yandile emhlabeni. Jobe 1:9-10

Ingelosi kaJehova iyamisa nxazonke kubo abamesabayo, ibakhulule.AmaHubo 34:7

Omba umgodi uyakuwela kuwo, nodiliza ugange uyakulunywa yinyoka. UMshumayeli 10:8

## Yini okudala ukuba udonga lwesivikelo ludilike?

Manje hamba ukulobe phambi kwabo esibhebheni, ukubhale encwadini ukuba kube-ngubufakazi besikhathi esizayo kuze kubephakade. (9) **[1]**Bangabantwana abahlubukileyo, **[2]**abantwana abaqamba amanga, **[3]**abantwana **abangathandi ukuzwa umthetho kaJehova**, (10) [4] abathi kubaboni: ningabe nisabona, nakubaprofethi: **Ningasiprofetheli okuqinisileyo, kepha khulumani kithina okuthophayo, niprofethe inkohliso;** (11) phambukani endleleni, nichezuke emkhondweni, nimdedisele kithi oNgcwele kaIsrayeli. (12) Ngalokho usho kanje oNgcwele ka-Israyeli uthi: [5] Njengoba **nilidelela lelizwi**, nithemba kukho ukucindezela nakukho okuphambeneyo, nencike kukho, (13) <u>ngalokho **lobubi** buyakuba **njengomfatu lapho sekuzakuwa. Kuvokomele ogangeni oluphakemeyo, ukudilika kwalo kufike**</u>

**<u>ngokuzumayo ngokuphazima kweso.</u>** (14) Luyabhidlizwa njengokuphahlazwa kwesitsha sombumbi, esichotshozwa singahawukelwa, kungabe kusatholakala phakathi kwezihlephu nodengezi lokuthatha umlilo eziko, nolokucakula amanzi emgodini. U-Isaya 30:8-14

Kukhona uzungu lwabaprofethi bawo phakathi kwawo njengengonyama ebhongayoedwengula impango; **[1] badlile imiphefumulo**, **bathatha incebo** nokuyigugu; **benzile abafelokazi babo babebaningi** phakathi kwawo. (26) **[2]** Abapristi bawo **badlovile umthetho wami**; **[3] bangcolisile izinto zami ezingcwele**, abahlukanisanga okungcwele nokuyichilo, abafundisanga abantu ukwahlukanisa okungcolileyo nokuhlambulukileyo, **[4] bafihlele amasabatha ami amehlo abo**; sengidumazekile phakathi kwabo. (27) **[5]** Izikhulu zawo phakathi kwawo zinjengezimpisi ezidwengula impango ukuchitha igazi nokuqeda imiphefumulo ukuba **ziphange nokuphanga**. (28) **[6]**Abaprofethi bawo babanamekele ngodaka olungavuthiwe, babona okuyize, **bebabhulela amanga**, bethi: Isho kanje iNkosi uJehova, noma uJehova engakhulumanga. (29) **[7]** Abantu bezwe **bacindezele nokucindezela, baphangile nokuphanga, yebo, bakhathizile abampofu nabaswelayo**, bacindezele abafokazi ngokungengamthetho. (30) **<u>Ngafuna kubo umuntu wokubiya uthango, eme esikhaleni ngaphambi kwami ngenxa yezwe ukuba ngingalichithi</u>**, kepha angimfumananga. (31) **Ngase ngithulula ukufutheka kwami phezu kwabo; ngibaqedile ngomlilo wentukuthelo yami,** ***ngehlisa indlela yabo phezu kwamakhanda abo, isho iNkosi uJehova.*** uHezekeli 22:25-31

Nanga amaphuzu adala isikhala odongeni:

1. Ukucindezela abantu phansi nokubathathela incebo
2. Ukudlova umthetho, ukwambuka
3. Ukungcolisa izinto ezingcwele, ukungahlukanisi okungcwele nokuyichilo
4. Ukufihlela amasabatha amehlo
5. Izikhulu zidwengula impango
6. Abaholi nabaprofethi bebhula amanga
7. Ukukhathaza abampofu nabaswelayo

Uma abantwana bakaNkulunkulu bephula umthetho wakhe, benqaba ukuphenduka, beqhubeka ngokwenza izinto ezimbi, ekugcineni uNkulunkulu uzithola endaweni lapho engasakwazi ukubavikela. Lokhu kumlethela usizi olukhulu. Akafisi ukunikela ngezingane zakhe kodwa uSathane ebamangalela phambi kwakhe, efisa ukuba babengabakhe. Losizi nokudabuka lungulaka lukaNkulunkulu. Uma ephefumula ngamandla ngamakhala ngenxa yosizi olujulileyo asuka analo. Izithako ezichazwa kuHezekeli 22:25-31 ithwele izinhlupheko ezifana nalezo esizithola kuJesu ngokukaMathewu 23. Ngesikhathi sikaHezekeli ugango lwasuswa, u-Israyeli wathunjwa yiBhabhiloni. Ngezinsuku zikaKhrestu ugango lwasuswa, amaRoma weza wayichitha iJerusalema.

## Amaphuzu ayisikhombisa adala umfatu esivikelweni

| UHezekeli 22:25-31 | NgokukaMathewu 23 |
|---|---|
| 1. Ukucindezela abantu phansi nokubathathela incebo | Matt 23:25 Maye kinina-babhali nabaFarasi, bazenzisi, ngokuba nihlambulula ingaphandle lenkezo nesitsha, kepha ngaphakathi kugcwele impango nokuhuheka! |
| 2. Ukudlova umthetho. | Matt 23:23 Maye kinina-babhali nabaFarasi, bazenzisi, ngokuba nithela okweshumi kwesinkutshane, nokwentshungu, nokodonqa, **niyeke okunzima komthetho**; ukwahlulela nesihawu nokukholwa! Benimelwe ukwenza lokhu, ningakuyeki nalokho. |
| 3. Ukungcolisa izinto ezingcwele. | Matt 23:16-20 Maye kinina-baholi abayizimpumputhe enithi: Ofunga ithempeli akalutho kodwa ofunga igolide lethempeli uzibophile. (17) **Ziwula, zimpumputhe, ngokuba yikuphi okukhulu kunegolide nethempeli elingcwelisa igolide na?** … (19) Zimpumputhe, yikuphi okukhulu kunomnikelo ne altare elingcwelisa umnikelo na? (20) Ngakho-ke ofunga ialtare ufunga lona nakho konke okuphezu kwalo. |
| 4. Ukufihlela amasabatha amehlo | Matt 23:4 **Babopha imithwalo enzima**, bayibeke emahlombe abantu; kepha bona abavumi ukuyifukula ngomunwe wabo. |
| 5. Izikhulu zidwengula | Matt 23:16 Maye kinina-baholi abayizimpumputhe enithi: Ofunga ithempeli akalutho **kodwa ofunga** |

| | |
|---|---|
| impango | **igolide lethempeli uzibophile.** |
| 6. Abaholi nabaprofethi bebhula amanga | Matt 23:28 Kanjalo nani ngaphandle nibonakala kubantu nilungile, **kanti ngaphakathi nigcwele ukuzenzisa nobubi.** |
| 7. Ukukhathaza abampofu nabaswelayo | Matt 23:14 Maye kunina babhali naba-Farisi, bazenzisi, **ngokuba nidla izindlu zabafelokazi**, nangokuzenzisa nenza imikhuleko emide! Ngalokho-ke niyakwamukeliswa ukulahlwa okukhulu. |

Asithini ukubheka izibonelo lapho abantu bediliza udonga lwesivikelo.

> Ekufikeni kwabo esibuyeni sikaNakoni u-Uza welulela isandla emphongolweni kaNkulunkulu, wawubamba, ngokuba izinkabi zashelela. (7) Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza, uNkulunkulu wamshaya lapho ngenxa yesiphosiso sakhe; wafela khona ngasemphongolweni kaNkulunkulu. (8) UDavide wadabuka ngokuba uJehova [evule umfatu wahlasela] u-Uza, wayibiza leyondawo ngokuthi iPheresi-Uzi kuze kube namuhla. 2 Samuweli 6:6-8

Amagama athi *intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Uza* asinxusela ekutheni sahlulele isimilo sikaNkulunkulu. Njengalokhu sesishilo phambilini, amagama athi *intukuthelo yavutha* angabuye ahumushwe ngokuthi *inhlupheko nobuhlungu* noma *usizi.* U-Uza waziphatha ngendlela azi kahle ukuba akafanele. Wayezibeke esikhundleni lapho wayengabekwanga khona njalo wayengazukuvikelwa. UMoya kaNkulunkulu wamkhalela wamdabukela u-Uza. UJehova wayengafisi ukumshiya, kodwa isono sakhe sambeka lapho uJehova kwakumele evumele ukuba nesikhala odongeni lokuvikeleka. Ivesi lithi uJehova uvule umfatu wahlasela u-Uza. Kwadala usizi olukhulu ukuba ehlehlele emuva esuke ku-Uza, kodwa u-Uza wazikhethela yena ukuba uzokwenza ayengagcotshelwanga khona, uJehova kwakumele ehloniphe ukukhetha kwakhe. Kwakungasuye uNkulunkulu ngesandla sakhe owabulala u-Uza. Ukungalaleli kuka-Uza kwadala imfatu ogangweni lokuvikeleka.

Enye yezinto ezikhombisa ukuba u-Uza wayengumuntu onokungayeneliseki enhliziyweni yakhe sikuthola emavesini angaphambili.

> Bawuhambisa umphongolo kaNkulunkulu ngengqukumbane entsha, bewukhipha endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni; oUza noAhiyo

> amadodana kaAbinadaba bashayela leyongqukumbane entsha. (4) Bayikhipha-ke endlini ka-Abinadaba eyayisegqumeni kanye nomphongolo; uAhiyo wahamba phambi komphongolo. 2 Samuweli 6:3-4

U-Uza ubikwa engowokuqala wamadodana ka-Abinadaba kodwa uAhiyo ongomcane kubo uchazwa njengowahola umphongolo kunokuthi uholwe ngumfowabo. Ingabe u-Uza wayegcwele ubutha obutholakala ebantwini abazalwa ndawonye? Ingabe kwakunenzondo yini enhliziyweni yakhe maqondana nomfowabo? Enye inkinga ekhona ngeyokubeka umphongolo engqukumbaneni nezinkomo. uMose emthethweni wayelayezile ukuba umphongolo kwakumele uthwalwe ngabapristi.

> Ngalesosikhathi uJehova wahlukanisa isizwe sakwaLevi ukuba sithwale umphongolo wesivumelwano sikaJehova.. UDutoronomi 10:8

> Zayala abantu, zathi: Nxa nibona umphongolo wesivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu nabapristi bamaLevi bewuthwala, niyakusuka endaweni yenu niwulandele. UJoshuwa 3:3

Lenkinga yesibini ayanelanga ukuba yisizathu sokubeka imfatu ku-Uza yena yedwa ngakho kwamele kubekhona into enhliziyweni yakhe eyadala ukuba engesabingobiyelwe novikelekileyo.

Ngakho-ke ufunda kanjanu? Ingabe ufunda isimilo sikaJehova njengentukuthelo evuthayo eyadala ukuba esakaze u-Uza emlahle phansi, noma ubona uYise omnene anosizi olukhulu ogcina ngokuvumela ukuba ingane yakhe izikhethele efisa ukukukhetha, indlela yokwambuka. Thina sonke kwamele sikhethe ukuba lokhu sizokufunda kanjani. UBaba wethu osezulwini uvumile ukuba kubenokwehlukana kwezinchazelo ukwenzela kuvele isibuko emiphefumulweni yethu, ukwenzele sinqume ukuba sibona isimilo esinjani embhalweni. Ingabe ubona isimilo somuntu onjengathi? Ingabe sibona umuntu ononya nolaka, oshayela phansi bonke abenza amaphutha, noma sibona uBaba okhalela ingane yakhe, ophoxeleka ukwamukela isinqumo sika-Uza sokwamukela ingqondo kaSathane, ogcina ngokuphiwa ilungelo lokuba yinkosi yakhe okusemthethweni - umbhubhisi?

> Ngiyakunehlisela inkemba yempindiselo eyakuphindisela isivumelwano sami; senibuthelwe emizini yenu, ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe esandleni sesitha. Levitiko 26:25

Ezindaweni eziningi embhalweni sifunda ngentukuthelo kaJehova evuthayo nenkemba, nendlala nezifo eziwela abantu. Njengevesi esisandokulifunda, abantu banikelwa esandleni sesitha. Ulaka oluvuthayo liwusizi olukhulu uBaba adlula kulo ngesikhathi izingane zakhe eziphambukayo uma ziphikelela ekwambukeni okudala ukuphuka komthetho obulungiselelwe ukuzivikela.

Ingabe namhlanje sizolizwa yini izwi likaBaba?

> Ningenzi izithombe, ningamisi izithombe ezibaziweyo noma insika; ningabeki ilitshe elinemifanekiso ezweni lakini ukukhothamela kulo; ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu. (2) Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; nginguJehova. (3) Uma nihamba ngezimiso zami, nigcine imiyalo yami, niyenze, (4) ngiyakuninika imvula ngesikhathi sayo, izwe lithele ukudla kwalo, imithi yasendle ithele izithelo zayo. (5) Ukubhula kwenu kuyakufinyelela ekuvunweni kwemivini, ukuvuna kwemivini kuyakufinyelela esikhathini sokulima; niyakudla isinkwa senu, nisuthe, nihlale ezweni lakini nilondekile. (6) Ngiyakunika ukuthula ezweni, nilale phansi ningesathintwa-muntu; ngiyakuqothula izilwane ezimbi ezweni, nenkemba ayiyikudabula ezweni lakini. Levitiko 26:1-6

Uma singalalela umthetho kaNkulunkulu ngokuzithoba, sikhethe nokukholwa ukuba uYise ufisa ukusibusisa kuphela sizothokozela wukuvikelwa yizithunywa zakhe.

> Yena owakhile ekusithekeni koPhezukonke nohlezi emthunzini kaSomandla. (2) Uthi ngoJehova, uyisiphephelo sami nenqaba yami noNkulunkulu wami engimethembayo.(3) Ngokuba yena uyakukhipha ogibeni lomcuphi nasobhadaneni olubhubhisayo. (4) Ngezimpaphe zakhe uyakukusibekela, uphephele phansi kwamaphiko akhe; ukuthembeka kwakhe kuyisihlangu nehawu. AmaHubo 91:1-4

Kwangathi singangaletheli uYise kanye neNkosi yethu uJesu ukudangala nobuhlungu ngokungalalelі kwethu. Bafisa ukusivikela nokusinakekela. Uma singambuka sikhethe umoya nengqondo yesitha, ekugcineni leso sitha sizovunyelwa ukuba siphathe izimpilo zethu. Akukuhle neze ukuba

umuntu ahlale evikelwa njalo ngumuntu abe engafisi ukuhlala ndawonye naye.

Ukuchithwa kweJerusalema kuyisithombe esincane sokuphela kwezwe. Njengalokhu isizwe samaJuda sanqaba iNdodana kaNkulunkulu iminyaka engu-2000 edlule, kanjalo nanamhlanje iNdodana yomuntu isadelelwa yaliwa ngabantu. INkosi yeSabatha iyakhafulelwa ngeskhathi abantu besala usuku lokukhonza layo. Ububi nobugovu buyachichima ngendlela eyokuthi ekugcineni uKhrestu ngezinyembezi uzothi ezweni lonke, “indlu yenu ishiyiwe nani.” Bese imimoya yokulwa, engukusebenza kwezithunywa zobubi, izokhululwa ngokuphelele ukushabalalisa umhlaba. Kwangathi singabambelela kuMsindisi wethu, sethembe emuseni wakhe ukuba sizoba yinxenye yalelonani elizokugcina umthetho kaNkulunkulu ibenokukholwa kukaJesu.

## 12. Ukuphindisela inkemba endaweni yayo

Ngobunye ubusuku obuzolile entsimini yaseGetsemane, uMsindisi wethu othandekayo wayencenga phambi kukaBaba wakhe.

> Baba, uma kungenzeka, akudlule kimi lesisitsha; nokho kungabi njengokuba ngithanda mina, kodwa njengokuba uthanda wena. NgokukaMathew 26:39

Isisindo sonke secala labantu sasiphezu kweNdodana yomuntu. Ukuhlupheka kwakhe kwakukukhulu ngendlela yokuthi wathonta igazi. Inkazimulo kaBaba edlayo yabhekana nobumnyama besono esasithwelwe yiwundlu likaNkulunkulu. Wazamazama wanyakaza snjengehlamvu enolwazi lokuthi izono ayezithwele zingubutha kangakanani kuBaba. Ngamazwi omprofethi kwashiwo ukuba:

> **Vuka nkemba, uvukele umalusi wami,** uvukele umuntu ongumngane wami, usho uJehova-Sebawoti; shaya umalusi, zize zihlakazeke izimvu, bese ngiphendulela abancane isandla sami. UZakariya 13:7

Inkemba ngalesisikhathi kwakuyinkemba kaMoya. Njengoba esayibamba lenkemba esikhundleni sethu, yathatha ukuphila kwakhe. Uma umuntu ethonta igazi usezingeni lokufa. Yisandla sikaNkulunkulu uYise esinamandla kuphela esamenza ekwazi ukuphuma engadini ukubhekana nenkemba yamaRoma eyayithwelwe ngesandla sabaholi bamaJuda.

Ngesikhathi ogadibasethempelini beza noJudas ukuzobopha uJesu, uPetru wema ngomoya kaJudas uMaccabees[2] nawoyise ababephakamise inkemba ukuvikela izinto ezaziligugu kubo. UJesu wayetshele uPetru ukuba wayengazelanga ukuzobhubhisa izimpilo zabantu kodwa ukuzobasindisa. Kepha kuPetru uJesu ofile wayechaza ukuphela kwamathemba wonke ayenawo. Ngeshwa, inkemba ayiphakamisa wayeyiphakamisela izifiso zakhe kunezikaKhrestu.

> USimoni Petru enenkemba wayihosha, wayigenca inceku yompristi omkhulu, wayinquma indlebe yokunene. Igama lenceku yayinguMalkusi. NgokukaJohane 18:10

Ngesikhathi uJesu elapha uMalkusi, wayekhweshela kude nokusebenzisa kwenkemba yangempela ukuzivikela kanye neqiniso. Wayesithi:

> Buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayakubhubha ngenkemba. (53) Ingabe uthi ngingecele kuBaba angithumele manje amalegiyona ezingelosi adlula ishumi

[2]Judas Maccabeus was a Jewish priest and a son of the priest Mattathias. He led the Maccabean Revolt against the Seleucid Empire (167–160 BCE).

nambili na? (54) Pho-ke ingagcwaliseka kanjani imibhalo yokuthi kumele ukuba kubenjalo na? NgokukaMathewu 26:52-54

Amazwi kaJesu anencazelo ezimbili, ekamoya neyokuphathekayo. Uma umuntu ethatha iZwi likaJehova, lelizwi libulala impilo endala yalowomuntu, ukwenzela ukuba evoke ekuphileni okusha kuKhrestu uJesu. Ngesikhathi esifanayo, kusho ukuthi bonke abathatha inkemba eyangempela bazokufa ngenkemba efanayo. UJesu usishiyela isifundo esibaluleke kakhulu ukuba kwamele sethembele emthandazweni nasekunakekelweni yizithunywa zikaBaba, haayi ukuba sisindiswe ngenkemba. Masivumele isibonelo soMsindisi sibe ngumyalezo okhanyayo kithi. UJesu akagencanga muntu, akashayanga muntu futhi akabulalanga muntu. Umsindisi usisheyele kesibonelo ukuba sisilandele.

Ngokuba nabizelwa khona lokho; ngokuba uKhrestu wahlushwa ngenxa yenu, enishiyela isibonelo sokuba nilandele ezinyathelweni zakhe. (22) ongenzanga isono, akufunyanwanga nankohliso emlonyeni wakhe; (23) owathi ethukwa, akaphindiselanga athuke; ehlushwa akasongelanga kepha wakunikela kuye owahlulela ngokulunga; 1 KaPetru 2:21-23

Insalela enkulu esihlangabezana nayo ngeyokuthi ngempilo nesibonelo esisha sikaJesu sizothini ngezindaba ezigcwele ubudlova nokubulala esifunda ngazo eTestamendeni elidala lapho uIsrayeli egenca izitha zakhe ngenkemba? Ngesikhathi ephuma eGibithe, uJehova wamtshela u-Israyeli ukuba wayezosebenza kanjani nezizwe ayezohlangabezana nazo.

Ngiyakuthuma ukwesaba kwami phambi kwakho, ngibasanganise [ngingabahlalisi kamnadi, phazamise, cunule] bonke abantu ozakufika kubo, ngenze ukuba zonke izitha zakho zikufulathele [zenze izintamo zazo zibe likhuni]. (28) **Ngiyakuthuma iminyovu phambi kwakho eyakuxosha amaHivi, namaKhanani, namaHeti** phambi kwakho. (29) Angiyikubaxosha phambi kwakho ngonyaka owodwa, funa izwe libe-yihlane, izilwane zasendle zikwandele. (30) Ngiyakubaxosha phambi kwakho kancane kancane, ukuze wande, udle ifa lezwe. UEksodusi 23:27-30

Uma nje u-Israyeli wayehlezi ethembekile kuJehova izwe laseKhenani lalizohlanzwa njengalokhu uJesu wahlanza ithempile. UMoya kaNkulunkulu wawuzoziqondisa ngezono zazo, kanti ngokungahlaseki

kwazo, zazizokubaleka noma zivume izono zazo, ziphenduke, zihlanganyele ndawonye no-Israyeli ekugcineni zifunde ukulandela uNkulunkulu ka-Israyeli. Sigcizelela iphuzu elithi ivesi lithi izizwe beziyakuxoshwa phambi kuka-Israyeli, hhayi ukuba zihoshwe kuzekube sekufeni.

Uma uNkulunkulu wayefisa ukuba abantu bakhe babulale izitha zabo, wayezokhuthaza uMose ukuba enze okwambalekisayo eGibithe, ukubulala umGibithe. Kunokuthi emkhuthaze ukuba eqhubekele phambili ngalokhu, wamthumela ehlane ukuba eluse izimvu. UMose wayevele esenokufundiseka konke kweGeneral omkhulu onamandla njengesizukulwane sikaFaro. Yingani uNkulunkulu aye wavumela ukuba lomholi wamabutho onobucwepheshe kangaka aye ehlane ukuyolusa izimvu na? Kwakungukufundisa uMose ukuba wayemele enakekele abantu bakhe kanjani. Izifundo zikhona kwabafuna ukufunda. UNkulunkulu wayengafisanga ukuba izwe laseKhenani lithathwe ngodlame nangokulwa.

Ngokukhipha u-Israyeli eGibithe, wayefuna ukuba bemazi yena, befunde nokumethemba. Ngesikhathi besaphila eGibithe, u-Israyeli wayehlezi ezungezwe ngumoya wobudlova nowokuvukela. Ngesibonelo sabantwana bamaHeberu belahlelwa emfuleni, kanye namava abuhlungu obugqila ababanawo basaseGibithe iningi labo lafundiseka lacabanga ukuthi noNkulunkulu uyindlovu-kayiphikiswa, owayengabahlanukela nangasiphi isikhathi ebahoshe bonke. Sibona uvalo ababenalo kwasekuqaleni:

> Bathi kuMose kungoba kwakungekho-mathuna egibithe usikhiphile ukuba sifele ehlane na? Usenzeleni lokhu wasikhipha egibithe, na? UEksodusi 14:11

Loluvalo lubuyela emuva luhamba kuzekube sentsimini yase-Edeni lapho uSathane waqinisekisa u-Adamu no-Eva ukuba ngesikhathi uNkulunkulu ethi bazokufa nokufa uma bedla, wayezobabulala yena mathupha.

> Wathi; ngizwe izwi lakho ensimini, ngesaba ngokuba ngihamba–ze, ngalokho ngacasha. UGenesise 3:10

Ngokusola uMose, u-Israyeli wayefihla uvalo ayenalo maqondana noNkulunkulu. Kodwa noma kunjalo kwakusobala ukuthi uMose lababantu wayengabakhiphanga ngesandla noma ngamandla akhe. USathane wayebalinga ukuba becabange ukuthi uNkulunkulu wayefuna

ukubabulalela ehlane. Lesilingo sabafikela ngenxa yokungaqondi kwabo isimilo sikaNkulunkulu. Loluvalo luqhubeka ngokukhula ku-Israyeli.

> Abantwana bakwaIsrayeli bathi kubo, **sengathi nga safa ngesandla sikaJehova ezweni laseGibithe,** lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isinkwa sisutha, ngokuba nisiphumisele kulelihlane ukuyobulala lonke lelibandla ngendlala. UEksodusi 16:3

U-Israyeli wabonakalisa uvalo ayenalo ngoNkulunkulu, waze wakuphumisela ngomlomo wakhe ukuba kwangathi wazifela esandleni sikaJehova khona eGibithe kunokuthi emelane nesimo ayebhekane naso. Kusobala ukuthi babengamethembi uNkulunkulu, futhi nezingqondo zabo zaziphuphuthekiswe nguSathane ukuba zingaqondi isimilo sikaNkulunkulu sangempela.

Esahlukweni esilandelayo encwadini ka-Eksodusi, u-Israyeli uqhubeka ngokubonakalisa imibono ekhohlakele anayo ngoNkulunkulu:

> Abantu bomela khona amanzi; abantu bakhonona ngoMose, bathi usikhuphuleni eGibithe ukuba usibulale thina nabantwana bethu nezinkomo zethu ngokoma, na? (4) UMose wayesekhala kuJehova, ethi ngizakwenzani kulababantu na? sekukancane ukuba bangikhande ngamatshe. UEksodusi 17:3-4

Baqhubeka ngokukhonona nokumangalela uMose, empeleni okungukumangalela uNkulunkulu, bethi ufuna ukubabulala. Isithombe sobudlova kanye nemibono ababenayo ngoNkulunkulu eyayingasiyo, yaqala ukuzibonakalisa ngokusongela uMose ngokufa. Ngokubheka lombono noma lomfanekiso ongasiwo, loNkulunkulu onobudlova, baguquka baphenduka lowomfanekiso, baqala ukuhlela imisebenzi yobudlova maqondana nendoda uNkulunkulu ayeyisebenzise ukubasindisa eGibithe.

Ukukhonona kwabo okwakuqhubeka, nokungathembi uJehova kwabo, kwambeka esimeni lapho engakwazi ukuqhubeka ngokubavikela ngendlela ayefisa ngayo. Babezikhethela uSathane njengenkosi yabo, kanti yena uSathane ebacela naye, ukwenzela ekwazi ukubabhubhisa. Sibona ukuhlangana kokukhonona maqondana namanzi nokuhlaselwa ngu-Amaleki ngendlela elandelayo:

Waqamba igama laleyondawo ngokuthi iMasa neMeriba ngenxa yokhuphikisana kwabantwana bakwa-Israyeli, nangokuba bemlinga uJehova phakathi kwethu noma qha? (8) **kwase** kufika uAmaleki, walwa noIsrayeli eRefidimi. UEksodusi 17:7-8

Ukukankatha kwabantwana bakwa-Israyeli kwavulela uSathane umnyango wokuvusa u-Amaleki ukuba ebahlasele. Lokhu kwakungeke kwenzeke uma u-Israyeli wayeqhubekele phambili wathemba uJehova. U-Amaleki wayezoba nokwesaba ngisho ukumthinta. Abukho ubufakazi bokuthi u-Israyeli waphenduka esonweni sakhe kuNkulunkulu. Babenesithombe esasingasiso ngoNkulunkulu, njengombusi ophatha ngobudlova onenjongo yokubabulala. Abukho ubufakazi bokuthi u-Israyeli wabanokubonga ngemva kokuthola amanzi. Akukho sinxephezelo uMose asifumana, noma nje amazwi okubonga ngamanzi abacelela wona. Akukho okulotshiwe okusivezela lokhu. U-Israyeli wayesongele ukubulala uMose. Ungacabanga yini ukuba lokhu uMose kwamkhubaza kangakanani? Wayengazihlalela ekhaya lakhe elinokuthula, enakekela umndeni wakhe kanye nemihlambi yakhe. Kungenzeka ukuba wakuzwa nokusweleka kokubonga okuhlaza abakutshengisa uNkulunkulu. Ngiyathemba kwakuyisilingo ngempela kuMose. Kwase, uma ugcina lokhu engqondweni, ethole izwi lokuthi u-Amaleki uyahlasela, futhi uthatha uthumba bonke ababuthakathaka. Okulandelayo okwenzeka kuyathathekisa. Kuyisinqumo esathathwa umuntu engaphansi kwesicindezelo nesimeko esinzima.

UMose wathi kuJoshuwa sikhethele amadoda, uphume ulwe noAmaleki, kusasa ngizakuma esiqongweni sentaba, induku kaNkulunkulu isesandleni sami.UEksodusi 17:9

Ayisho ukuthi, “kwase uJehova wayaleza uMose.” Ayikusho ukuthi uMose wangena ethempelini wazincengela eNkosini. Ivele ithi uMose utshele uJoshuwa ukuba ehambe ayokulwa. Njengoba ngicabanga ngizibonela uMose ehamba eya ngakuJoshuwa ngokungasheshi, ingqondo yami ivele igijimele eskhathini lapho amadoda amabili ayevela lapho uMose wazalelwakhona ehoshela abantu ababedelele ilungu lomndeni wabo inkemba.

Kwathi ngosuku lwesithathu besenobuhlungu, amadodana amabili kaJakobe, oSimeyoni noLevi, abanewabo bakaDina, bathatha, kwaba-yilowonalowo inkemba yakhe, bahlasela umuzi ngesibindi, babulala bonke abesilisa. (26) Babulala oHamori oShekemi indodana yakhe

> ngosiko lwenkemba, bakhipha uDina endlini kaShekemi, bahamba. (27) Amadodana kaJakobe ayesefica ababulaweyo, aphanga umuzi, ngokuba babengcolisile udadewabo. (28) Athatha izimvu zabo, nezinkomo zabo, nezimbongolo zabo, okwakusemzini nokwakusendle, (29) nemfuyo yonke yabo, athumba abantwana babo nawomkabo, abaphanga kanye nakho konke okusendlini. UGenesise 34:25-29

Nembala, UJakobe wayengalila ukuba izizukulwane zakhe kuthiwa ziyanuka emehlweni wabaKhenani nabaPerezi. Amadodana kaJakobe wayethathe inkemba, ngakho inkemba ibizakubalandela ngezizukulwane zabo. Ingabe siyawubona umphumela wamadodana kaLevi exoxa indaba kayise owasukumela udadewakhe ukubulala amaShekem? Ingabe amanye wamadodana kaLevi wayengaziqhenya ngesenzo sikayihlo sokuvikela udadewakhe? Ingabe uSathane akazukwenza isiphakamiso kubo sokuthi uLevi wayenelungelo lokwenza ayekwenzile ngokuzivikela yini? Ingabe lokhu akuzwakali nconwana kunokuzwa ukuthi uyihlo wayengumbulali ohlaza? Nokuba umuntu ethwale ihlazo lalokhu izizukulwane zidlula? Wonke lomlando manje sewuhamba ezinyathelweni zikaMose uma eya kuJoshuwa.

Ingabe iminyaka engamashumi-amane ehlane yakhulula uMose esilingweni sokuvikela abantu ngesinqumo angazithathela sona ngokwakhe? Ingabe kungenzeka yini ukuba uMose wezwa ukuthi u-Amaleki wayesebulale ababentengentenge kwikamu lakwa-Israyeli? Phambi kokuba efe, uMose wabakhumbuza ngendlela:

> … akwenzayo kuwe u-Amaleki endleleni ekuphumeni kwenu eGibithe. (18) ukuthi wakuhlangabeza endleleni, washaya abasemva kwakho, lapho usukhathele, uphelile amandla; kamesabanga uJehova. (19) Kuyakuthi lapho uJehova uNkulunkulu wakho esekuphumuzile kuzo zonke izitha zakho nxazonke ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona libe yifa lakho ukuba ulidle, wesule inkumbulo ka-Amaleki phansi kwezulu; awuyikukhohlwa lokho. UDuteronomi 25:17-19

Ingabe konke lokhu kwahlangana ngesikhathi uSathane ehlela indlela yokwenza u-Israyeli abe mubi emehlweni wezwe? Ingabe waholela u-Israyeli ukuba ephinde ethathe inkemba, ngaleyondlela enze ukuba isimilo sikaNkulunkulu sisitheke, singaqondwa kahle isikhathi siqhubeka? Ingabe lokhu akusikho yini ukubonaliswa kukankulunkulu ngokwemiqondo ka-Israyeli? Uma lonkulunkulu ababemkhande ngemicabango yabo

wayengakwazi ngisho ukubatholela amanzi ngesikhathi bewadinga, angaba nandaba njani uma bezofela ezandleni zika-Amaleki?

Endabeni kaKora noDathani no Abiramu namakhosi angu-250 sibona lokwesaba kukaNkulunkulu ofuna ukubabulalela ehlane kubaholela ekutheni befune ubuholi obungasibo obukaMose no-Aroni. Kwase, mabefika emkhawulweni waseKhenani, izithunywa eziyishumi ezaletha umbiko omubi ngezwe ababelihlolile ngoba bengakwazi ukukholwa ukuba uNkulunkulu wayebathanda, ebafisela okuhle kuphela. Bakuziba konke ukubavikela nokubanakekela ayekwenza, bagxila kakhulu kunoma yini okwakufika okwakukubi, bengathembeli ukuba uNkulunkulu wayenokuhlakanipha nenhloso enhle yokubahlanza ngezilingo. Kwakulula ukuba uSathane ebalinge ngalezizinto ngoba babekholwa kuNkulunkulu owayefuna ukubabulala, owayenokhutu nganomasiphi isikhathi. Ngasosonke isikhathi uSathane evunyelwa ukuphula uthango lokuvikelwa elimaze u-Israyeli wayezobatshela ukuthi uNkulunkulu wayebajezisa ngesandla sakhe mathupha. Ngiyathemba kwakubuhlungu ukuba uNkulunkulu ebone abantu bakhe bekholwa amanga anjena ngaye.

> Bonke abantwana bakwa-Israyeli bakhonona ngoMose nangoAroni; yonke inhlangano yathi kubo; sengathi nga safa ezweni laseGibithe, noma sengathi nga safa kulelihlane. (3) **UJehova usilethelani kulelizwe, siwe ngenkemba na? Omkethu nabancane bethu bayakuba yimpango;** bekungencono yini kithi ukubuyela eGibithe na? Numeri 14:2-3

> Lokhu bonke labobantu ababone inkazimulo yami nezibonakaliso zami engazenza eGibithe nasehlane **bengilingile kayishumi, abalalela izwi lami,** (23) abayikubona ngempela izwe engalifungela oyise, futhi aliyikubonwa muntu walabo abangidelela; Numeri 14:22-23

Ngesikhathi u-Israyeli etshelwa ukuba akayikungena ezweni ngenxa yesono sakhe, bambuka kwakhona banquma ukuba babezokwenyuka bezilwele, kepha uNkulunkulu wayengabayalezanga ukuba belwe. Bese emva kweminyaka engamashumi amane, isizukulu sonke sesilele, u-Israyeli wazithola esemkhawulweni. Izono zawoyise zazisemilonyeni yabantwana:

> **Abantu bakhuluma kabi ngoNkulunkulu nangoMose, bathi: Nisikhuphuleleni eGibithe ukuba sifele ehlane na?** Ngokuba

> akukho-sinkwa, akukho-manzi; umphefumulo wethu uyanengwa yilesisinkwa esilulana. Numeri 21:5

USathane wayesebenzane noMose sonke lesisikhathi, emkhuthaza ukuba elahle ithemba ngalababantu. UNkulunkulu naye wayesemlingile uMose kuleliphuzu, kanti mayibongwe iNkosi ngoba uMose wavumela uMoya kaKhrestu, wacela ukuba uNkulunkulu ethethelele abantu, kanti uNkulunkulu lokhu nembala wakwenza. Kepha manje, sekubonakala ukuba u-Israyeli wayesemubi kakhulu, wahlulwa yisilingo.

> OMose noAroni babutha ibandla phambi kwedwala; wathi-ke kubo: Yizwani manje nina-bahlubuki; siyakunivezela yini amanzi kulelidwala na? (11) UMose waphakamisa isandla sakhe, walishaya idwala kabili ngentonga yakhe, kwaphuma amanzi amaningi, inhlangano yaphuza kanye nezinkomo zayo. UNumeri 20:10-11

UMose ngokuhlulwa yilesisilingo, wavumela ukuba uSathane ebenentuba yokungena ezingqondweni zabantwana bakwa-Israyeli. UMose wayebakhulekele, wema phakathi kwabo noSathane emathubeni amaningi. Kodwa manje lesinyathelo sanikeza uSathane ithuba lokuzuza. USathane wathokozela ukukwazi ukuthatha ukuphila kuka-Aroni ngenxa yokuhluleka kwabo.

> UAroni uyakubuthelwa kubantu bakhe, ngokuba akayikungena ezweni engibanike lona abantwana bakwaIsrayeli, lokhu nahlubuka ezwini lami ngasemanzini aseMeriba. UNumeri 20:24

Ngentuba elingaphezulu lokuphatha imicabango yabantwana bakwa-Israyeli, uSathane wabaheha ukuba benze isivumelwano noNkulunkulu – uNkulunkulu ababecabanga ukuba uthanda ukubulala abantu. Babehlaselwa yesinye isizwe ngexa yezono zabo, kanti manje sebephelelwa yithemba benza isifungo:

> UmKhanani, inkosi yaseAradi, owayakhe eningizimu, wezwa ukuthi uIsrayeli uyeza ngendlela yaseAtarimi; walwa noIsrayeli, wathumba abanye kubo. (2) **UIsrayeli wenza isithembiso kuJehova, wathi: Uma unikela nokunikela lababantu esandleni sami, ngiyakuchitha impela imizi yabo.** (3) **UJehova walilalela izwi lika-Israyeli,** wanikela amaKhanani; bawaqothula kanye nemizi yawo; igama laleyondawo lathiwa iHorma. UNumeri 21:1-3

UNkulunkulu akazange wacela u-Israyeli ukuba ebulale izitha zakhe; imibono yabo engasiyo ngoNkulunkulu yabadalela ukuba bekholwe ukuthi wayefuna ukuba benze isifungo esinjena esokufisa ukubona igazi. Nokuthi uma bekwenza lokhu babezokwamukeleka phambi kwakhe, futhi wayezobasiza. Lithi uNkulunkulu wabalalela. Kungani uNkulunkulu wabalalela na? Ingabe lokhu kwakungazubajulisa emicabangweni yabo ngoNkulunkulu, eyokuthi vele wayefuna ukuba bebulale izitha zabo yini? Impendulo siyifumana emfanekisweni wamatalenta:

> Kwafika nenye, yathi: Nkosi, nangu umina wakho ebengimkhwezile esongwe endwangwini. (21) Ngokuba bengikwesaba, lokhu ungumuntu olukhuni; uthabatha ongakubekanga, uvuna ongakuhlwanyelanga. (22) Wathi kuyo: **ngizakukwahlulela ngomlomo wakho wena-nceku embi**. Ubuwazi ukuba ngingumuntu olukhuni, ngithabatha engingakubekanga, ngivuna engingakuhlwanyelanga; (23) awufakanga ngani imali yami ebhange; mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngiyibizile kanye nenzalo, na? NgokukaLuka 19:20-23

Lenceku embi yacabanga ukuthi iNkosi yayo yayingumuntu olukhuni. Ngakho njengokukholwa nokucabanga kwayo wamukeliswa ukwahlulelwa. Njengokusho komBhalo:

> Khulumani kanjalo, nenze kanjalo, njengokufanele abayakwahlulelwa ngumthetho wenkululeko. (13) Ngokuba ukwahlulelwa okungena sihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni. EkaJakobe 2:12-13

UNkulunkulu wavumela ukuba indoda eyayinombono ongasiwo ngaye ehlulelwe njengalokhu ecabanga. Ingabe uNkulunkulu ukwenza kanjani lokhu?

> Ningaduki; Unkulunkulu akahlekwa. Ngokuba lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna. KwabaseGalathiya 6:7

> Ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine. UEksodusi 34:7

Ngesikhathi u-Israyeli enza isifungo kuNkulunkulu ukubulala inkosi yomKhanani babebuswa ngumoya kaSathane. Babekhonona behlokoma

ngoNkulunkulu, bambuka kuye kulolonke ithuba ababelithola. UNkulunkulu wabaxwayisa, wabakhuthaza ukuba belandele imiyalo yakhe:

> Manje-ke, Israyeli, yizwa izimiso nezahlulelo enginifundisa zona ukuba nizenze, nize niphile, ningene nilidle izwe uJehova Unkulunkulu wawoyihlo aninika lona. UDuteronomi 4:1
>
> Yonke imiyalo engikuyala ngayo namuhla niyakuyigcina niyenze ukuba niphile, nande, ningene ukulidla izwe uJehova alifungela oyihlo. UDuteronomi 8:1

Kunjalo u-Israyeli wanqaba ukulalela uNkulunkulu, kanti uSathane wabanamandla phezu kwabo ukubaphatha nezifiso zabo ukuba behlulele ngaphandle kwesihawu. UNkulunkulu wabanika ababekufisa nanoma kwakungasopulani yakhe. Uphinde wanika izizwe zamahedeni ezazikwesaba; ngoba babengasavikelekanga. USathane wasebenzisa u-Israyeli ukubulala amaKhenani. Ngokwenza lokhu wayezoholela izigidi zabantu ekufeni ngoba bengaqondi isimilo sikaNkulunkulu, sisho yena obulala nocekaceka abantu.

Sibona ukhasha kwepulani kaNkulunkulu yokusebenza nezitha zika-Israyeli ngaphandle kwezikhali kumavesi anjengalawa:

> Nase niwela iJordani, nafika eJeriko; amadoda aseJeriko alwa nani, namaAMori, namaPherizi, namaKhanani, namaHeti, namaGirikashi, namahivi, namajebusi, ngawanikela esandleni senu. (12) ngathuma iminyovu phambi kwenu eyawaxosha phambi kwenu amakhosi amabili ama-Amori, **kungengankemba yakho noma ngomnsalo wakho.** UJoshuwa 24:11-12
>
> Wathi: Yizwani nina nonke-bakwaJuda, nabakhileyo eJerusalema, nawe nkosi Jehoshafathi: Usho kanje kini uJehova, uthi: ningesabi, ningapheli amandla ngenxa yalesi sixuku esikhulu, ngokuba impi ayisiyo eyenu, ngekaNkulunkulu. (16) Yehlelani kubo kusasa; bhekani, bayakukhuphuka ngommango waseSisi; niyakubafumana ekugcineni kwesigodi ngaphambi kwehlane laseJeruweli. (17) Akusikho okwenu ukulwa kulempi; zihleleni, nime, nibone ukusindiswa kukaJehova, nina-Juda neJerusalema; ningesabi, ningapheli amandla; phumelani kubo kusasa ngokuba uJehova unani. (18) Wayesekhothama uJehoshafathi, ubuso bakhe bubheke phansi; wonke uJuda nabakhileyo eJerusalema bawa phambi kukaJehova bekhuleka kuJehova. (19) AmaLevi

abantwana bamaKohathi, nawabantwana bamaKorahi asukuma ukumdumisa uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezwi elikhulu kakhulu. (20) Bavuka ekuseni, baphuma baya ehlane lase Thekowa; ekuphumeni kwabo uJehoshafathi wema, wathi: ngizweni, Juda nani-bakhileyo eJerusalema! Kholwani ngoJehova uNkulunkulu wenu, niyakuqiniswa; kholwani ngabaprofethi bakhe, niyakuphumelela. (21) **Aselulekene nabantu wamisa abayakuhlabelela kuJehova ukuba bamdumise behlotshisiwe ngobungcwele besaphuma ngaphambi kwempi, bathi: Bongani uJehova, ngokuba umusa wakhe umi phakade.** (22) lapho sebeqala ukuhalalisa nokumdumisa, uJehova wabeka abaqamekeli [delivered up] babantwana bakwa-Amoni, nabakwaMowabi, nabaseSeyiri, ababefikele uJuda, banqotshwa. (23) Abantwana bakwa-Amoni nabakwaMowabi bamelana nabakhileyo entabeni yaseSeyiri ukuba babachite, babaqothule; sebebaqedile abakhileyo eSeyiri basiza, kwaba-yilowo nalowo, ngokubulalana bodwa. 2 IziKronike 20:15-23

U-Israyeli wayevunyelwe ukuthatha izwe laseKhenani ngokulwa nobudlova, kodwa kwakungasocebo likaNkulunkulu kwasekuqaleni. Ngoba u-Israyeli wayenovalo maqondana noNkulunkulu nokuthi wayefisa ukumbulala, bengabaza ukunakekelwa nothando lwakhe, uSathane wavumelwa ukubengela ekoneni ngokufunga kuNkulunkulu ukuthi babezobulala amaKhenane nazozonke ezinye izizwe zamahedeni. U-Israyeli wayephiwe ukuba ngumnqobi empini, kepha uSathane wanqoba impi maqondana nesimilo sikaNkulunkulu. U-Israyeli noma engumnqobi wayengohlulekile, wathunjelwa embonweni ongasiwo ngoNkulunkulu nesimilo sakhe.

Ngalezizinsuku zokugcina siphiwe ithuba lokubona isimilo sikaNkulunkulu ngendlela esiyiso. Ebusweni bukaJesu Khresut singaqala ukambula izifiso zikaBaba wethu osezulwini. Ingabe bangaki abantu ababulawa nguJesu ngenkemba? Bangaka abashisa ngomlilo? Zingaki izingane azigwaza ngomkhonto? Ngisho noyedwa! Kubobonke abajabulela imibono ethi uNkulunkulu wayezele ukubhubhisa imiphefumulo yabantu mabakhumbule amazwi kaJesu:

"kepha waguquka, wabakhuza wathi: anazi ukuthi ningabomoya muni. (56) ngokuba indodana yomuntu ayizanga ukubhubhisa imiphefumulo

yabantu kodwa ukuyisidisa; base beya komunye umuzi. NgokukaLuka 9:55-56

Inkemba esetshenziswa nguJesu ngevela emlonyeni wakhe. Izwi lakhe liyinkemba yakhe.

Futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esika-nhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo. ISambulo 1:16.

Ngokuba izwi likaNkulunkkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. KumaHeberu 4:12

Wayesithi kubo: Kepha manje onesikhwama kasithathe, neyika futhi; oswelayo kathengise ngengubo yakhe, athenge inkemba. NgokukaLuka 22:36

…nenkemba kaMoya eyizwi likaNkulunkulu: Kwabase-Efesu 6:17

Abalandeli bakaKhrestu bazolandela isibonelo sakhe. UKhrestu akazange wasebenzisa inkemba ephathekayo. Manje-ke lelivesi sizolichaza kanjani?

Base bethi: Nkosi bheka, nazi izinkemba ezimbili. Wathi kubo: kwanele. NgokukaLuka 22:38

Emavesini amabili angenhla uJesu wayetshele abafundi bakhe ukuba “oswelayo kathengise ngengubo yakhe, athenge inkemba.” Ngesikhathi abafundi bekhipha ezimbili babengekathengisi ngezingubo zabo. Umosho kaJesu wawuqondane nomuntu ngamunye. Wonke umuntu kwakumele ethengise ingubo yakhe ezithengele inkemba. Manje sithini ngabanye abafundi bakhe nezwi lokuba bethengise izingubo zabo? Ingabe iyini lengubo uJesu ayefuna beyithengise?

UJoshuwa wayembethe izingubo ezingcolileyo; wayemi phambi kwengelosi. (4) Yathatha yasho kwababemi phambi kwayo, yathi: **Mkhumuleni izingubo ezingcolileyo**. Kuyena yathi: Bheka, ngidedisile kuwe ububi bakho; ngiyakukwembathisa ezobukhosi. UZakariya 3:3-4

UJesu watshela uPilato ukuba umbuso wakhe awusiwo walelizwe.

> UJesu waphendula wathi: Umbuso wami awusiwo owalelizwe. **Uma umbuso wami ubungowalelizwe, izikhonzi zami zaziyakulwa** ukuba nginganikezelwa kubaJuda, Kepha kalokhu umbuso wami awusiwo owalapha. NgokukaJohane 18:36

UJesu watshela uPilato ukuba izikhonzi zakhe azizukulwa ngendlela yezwe. Abafundi babedinga ukuba izinhliziyo zabo zihlanzeke ukuze bekwazi ukuqondisisa kahle izwi leqiniso. 2 KuThimothewu 2:15. Siyaqhaphela futhi ukuba ngesikhathi abafundi benika uJesu izinkemba ezimbili, wathi kubo "kwanele." Uma uJesu wayecabanga ukuba izinkemba ezimbili zanele wayezosho ukuba "zanele," ngoba benedlula eyodwa. Uma kungenzeka ukuba ngesizathi esithile ethi izinkemba ezimbili zanele, singabuza umbuzo sanele ukwenzani? Babezomela ukuhlala ndawonye ngasosonke isikhathi nezinkemba ezimbili ukwenzela bevikeleke? Ingabe lezinkemba zanele yini ukubavikela kumaRoma noma amagadi wasethempelini? Lokhu akwenzimqondo nakancane. Ngesikhathi uJesu ethi "kwanele" wayechaza ukuthi kwanele ngalokhu ababekukhuluma, engasafisi ukukuzwa. Ukukhishwa kwezinkemba ezimbili kwaveza ukuba nembala kwakumele bethengise izingubo ababesanazo ezenza bephathe izinkemba ngalendlela, ukwenzeka bekwazi ukuba nenkemba yeqiniso okuyizwi likaNkulunkulu bekwazi ukushumayela ivangeli lokuthula. Nansi indlela afundisa abafundi ukuba bephendule ngayo uma behlangabezana nabantu abamelana nabo:

> Nizwile kwathiwa: iso ngeso, izinyo ngezinyo. (39) Kepha mina ngithi kini: **ningamelani nokubi, kodwa uma umuntu ekumukula esihlathini sokunene, mphendulele nesinye.** (40) Nofuna ukukumangalela, akwamuke ingubo yakho, mnike nejazi. (41) Nosuka ekucindezela ukuba uhambe imayela libe-linye, hamba naye abe mabili. (42) Muphe ocela kuwe, ungamfulatheli ofuna ukutsheleka kuwe. (43) Nizwile kwathiwa: wothanda umakhelwane wakho, uzonde isitha sakho. (44) **Kepha mina ngithi kini: Thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo.** (45) Ukuba nibe-ngabantwana baka Yihlo osezulwini; ngokuba yena uphumisela ilanga lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile. NgokukaMathewu 5:38-45

Ingabe uSathane uzokunqoba yini ekunqobeni kukaIsrayeli kwabaseKhenani ngenkemba, noma uzobona uBaba wethu onomusa evumela abantu ukuba bebenezifiso zabo, bezithathele indlela yabo kuze kube sekupheleni. Khetha namuhla ukuthi ngubani oyakumkhonza; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova, uNkulunkulu ogcwele isihe nomusa, ongayikuyekela amacala kodwa ovumela amabele nokhula kukhule ndawonye ukwenzela kubonakale inhliziyo yawowonke umuntu.

Lezizinto zigcwaliseka kanjani uma uphethe inkemba noma isibhamu esandleni sakho ukuba uzivikele ngaso? Ingabe akusiso isikhathi yini sokuphindisela inkemba endaweni yayo? Yivumele inkemba igqwale, uthembele ukuba uBaba wethu uzothumela izithunywa zakhe zisivikela zisinakekele. Ukuthathwa kwezwe laseKhenani ngu-Israyeli kwenziwa ngenkemba ngoba iningi labo alithembanga ukuba uJehova wayezoxosha amaKhenani ngokwesaba kukaNkulunkulu. Ukukhonona nokusola kwabo, nokwesaba kwabo ukuthi uNkulunkulu wayefuna ukubabulala ehlane kwachaza ukuba kunokuthi babewukukhanya kwezwe, izono zezwe zajeziswa zahambelwa ngezono zika-Israyeli. Njengokusho komyalo:

> Ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo; UEksodusi 20:5

Abantwana bakwa-Israyeli abaningi babemzonda uNkulunkulu ngoba babenovalo becabanga ukuba ufuna ukubabulalela ehlane. Ububi bawoyise baqhubeka, ngakho umlando wonke ka-Israyeli ucwila egazini. Ungavumeli ukuba ukunqoba kuka-Israyeli ngenkemba kuhlule ukuqonda kwakho isimilo sikaNkulunkulu, esivezwa kuJesu. Ungavumeli ukuba isixuku sezigqila ezikhononayo nezibubulayo zikunqumele ukuba uNkulunkulu wakho unjani. Masigcineni imiyalo nezimiso zikaNkulunkulu zonke, ngisho nethi "ungabulali."

# 13. UMqhele Wameva

Ukuthethwa kwecala nokubulawa kukaKhrestu kusebenza sibhekane nemvelo engemnadi yomuntu. Amadoda nabafazi abaphatheka ekushayweni nasekuhlambalazweni nasekubulaweni kukaKhrestu babewukubonakaliswa kwengqondo yolutu engubutha, edelela uMoya kaKhrestu kusukela ekuweni komuntu ensimini. Inkalivasi ayiluka ngezintambo uJesu, uswazi noma induku ashaywa ngayo, ukhuni nezipikili zesiphambano abamlengisa kuso, konke kwakuyizinto ayezidalile yena. Siyafunda ukuba:

> Kwasengathi kuhle nakimina, lokhu ngizihlolisisile zonke izinto, kusukela ekuqaleni, ngikulobele ngokulandelana, Theyofilu odumileyo. NgokukaLuka 1:3

Umqhele wemeva owabekwa ekhanda lakhe wawuchaza okuningi, uqokelele amaqiniso ajule kakhulu kwezikamoya. Ngesikhathi u-Adamu ewela esenweni, imeva eyavela ngenxa yokona kwakhe kwakungukubonakaliswa kwesiqalekiso eseza nokona.

> Wayesithi ku-Adamu: njengokuba ulalele izwi lomkakho, wadla kulowomuthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo, ngaloko umhlabathi uqalekisiwe ngenxa yakho. Uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho. (18) uyakukuvezela ameva namakhakhasi, wena udle imifino yasendle. UGenesise 3:17-18

Kungani isiqalekiso sawela phezu komhlabathi? Ubudlelwano obuphakathi kwawo nomuntu ngobuphi na?

> uJehova unkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila; umuntu waba-kanjalo umphefhumulo ophilayo. UGenesise 2:7

> Unkulunkulu wathi: masenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba yonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni. UGenesise 1:26

UNkulunkulu wabumba umuntu ngomhlabathi, wamnika ukubusa phezu komhlaba wonke. Leliqiniso liveza ukuthi kunobudlelwano phakathi

komuntu nomhlaba. Isiqalekiso esawela phezu kuka-Adamu sabonakaliswa ngokushesha emeveni eyavelayo. Umhlaba waqalekiswa ngenxa yomuntu, ukwenzela ebone izinga lokukhohlakala koluntu ezingozini zendalo (natural disasters), ngakho kusebenze njengesixwayiso sengozi.

> Niyakuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi. Bhekani ningethuki, ngokuba kumelwe ukuba kwenzeke, kepha ukuphela koba kungakafiki. (7) ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kube-khona indlala nokuzamazama komhlaba izidawo ngezindawo. NgokukaMathewu 24:6-7

Kunobudlelwano obulula phakathi kwezimpi nokulwa nokuxabana kwabantu nezingozi zemvelo. Njengoba ukulwa nokonakala kwabantu kwanda kanjalo nezingozi zemvelo zizokhula; kanjalo imvelo iyinduku yesilinganiso sezinga lokonakala kwabantu. Ngesikhathi umoya uphenduka isivunguvungu lapho wona udalelwe ukuba ulethe ukuphola nokududuza kubantu; noma lapho imvula eyayidalelwe ukusilethela impilo, idala ukuba imifula idabuke ilethe ukufa nokubhidlizwa sibona ubufakazi bokwambuka okufanayo okusezinhliziyweni zabantu obuvela ngezingozi zemvelo.

Ubudlelwano obulula obuphakathi komuntu nemvelo kuchaza ukuthi njengoba ukwambuka koluntu kuqhubeka kanjalo ukwambuka kwemimoya, nemililo, namanzi aminzayo. Njengoba abantu bephula imiyalo kaNkulunkulu ngokushiseka okukhulu, kanjalo umhlaba uzophula imithetho yemvelo usibuyisele ukwambuka kwethu. Njengoba umoya wokwambuka ukhula ebantwini maqondana noKhrestu, befuna ukubulala lowo onamandla phezu kwabo noma obaphethe kanjalo nemvelo izokuvukela abantu ifune ukubabulala nayo. Njengoba abantu bezula nomhlaba bedla abanye ngamalini abo nangezinkemba zabo, kanjalo nezilwane zasendle zizokuzula nomhlaba zibedle ngendlela efanayo. Njengalokhu indoda ihlwanyela izovuna okufanayo. Ngakolunye uhlangothi, umhlaba awuzukuba nobutha nendoda enokuthula noNkulunkulu, nendoda engambuki kuye.

> Bheka, ubusisiwe lowomuntu uNkulunkulu amlayayo; ngalokho ungadeleli ukukhuzwa ngusomandla. (18) ngokuba uma ezwisa ubuhlungu, ubuye abophe; uyalimaza, khepha izandla zakhe zibuye zilaphe. (19) uyakophula ezinhluphekweni eziyisithupha; yebo, nakweziyisikhombisa awuyikuthintwa ngokubi. (20) endlaleni uyakukuhlenga ekufeni nasempini emandleni enkemba. (21)

uyakufihlwa enkalivasini yolimi; awuyikwesaba lapho kufika ukuchitha. (22) uyakuhleka incithakalo nendlala, nezilo zomhlaba awuyikuzesaba.(23) ngokuba unesivumelwano namatshe asendle; izilo zasendle zihlalisana kahle nawe. (24) uyakwazi ukuthi itende lakho linokuthula; uyakuhambela indlu yakho, awuyikusilalelwa-lutho. UJobe 5:17-24

Njengoba uKhrestu elenga emthini, ilanga lanqaba ukukhanya, umhlaba wazamazama, nombane ovela ezulwini wewa. Imvelo yayizwelana nomlobi wayo, yona iNdodana kaNkulunkulu. Ngesikhathi esifanayo, ethwele izono zomhlaba nomqhele wameva, imvelo kubonakala sengathi ifuna ukumbulalala.

Umhlaba wawusuzamazama, wadikizela; iziseko zezintaba zathuthumela, zagubhuzela ngokuba ethukuthele. (8) Kwenyuka umusi emakhaleni akhe, nomlilo odlayo emlonyeni wakhe; amalahle avutha kuye. (13) uJehova waduma ezulweni; ophezukonke walizwakalisa izwi lakhe: isichotho namalahle avuthayo. (14) wathuma imicibisholo yakhe, wabangquzula, nemibani eminingi, wabadidizelisa. (15) kwase kubonakala imisinga yamanzi; izisekelo zomhlaba zambulwa ngesijeziso sakho, Jehova, ngokufutha komoya wamakhala akho. AmaHubo 18:7-8, 13-15.

Izibonakaliso zemvelo ekufeni kukaKhrestu esiphambanweni kusinikeza izici ezikhomba umkhondo wendle imvelo ibonakalia ukwambuka kwabantu. Ukungabi nacala kukaJesu kwadala ukuba imvelo itshengise uzwelo kuye; kepha ngoba wayethwele izono zethu, imvelo efanayo yayimgwaza ngomqhele wameva. Ukukhanya kombane kwabonakala sengathi kuveza intukuthelo nolaka lwezulu uqobo. Ngalobubudlelwano bomuntu nemvelo singathola isizathu sikazamcolo. Lithi iBhayibheli ngabantu abaphila ngesikhathi engekafiki uzamcolo:

Kwathi abantu beqala ukwanda ebusweni bomhlaba, bezala amadodakazi, (2) amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu ukuthi mahle, azithathela abafazi kuwo awathandayo. (3) wayesithi uJehova: umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje; izinsuku zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili. (4) ngalezozinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni, nangasemuva futhi, lapho amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi ababtu, awazalela abantwana. Lana ayengamadodana

> asendulo anamandla, anegama lodumo. (5) Kepha uJehova wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe zimbi njalo. (6) Wayesezisola uJehova: ukuthi wayebenzile abantu emhlabeni, wadabuka enhliziyweni yakhe. UGenesise 6:1-6

Lithi iBhayibheli zonke izizindlo zemicabango yabantu zazimibi njalo. Amadoda agcwele inkanuko, elambele amandla nokubusa wayesenza imisebenzi eyisinengiso yonke ongayicabanga. Ukukhohlakala kwabantu wawusiba nomphumela emhlabeni ngokwawo. Ukwambuka emthethweni kaNkulunkulu kwabantu kwakufakwa njalo emshinini oyimvelo.

Ngomusa, uNkulunkulu waxwayisa umhlaba ukuba uzamcolo uyeza emhlabeni esebenzisa uNowa. Njengoba umuntu wayezonakalisile ngokwengqondo, kanjalo lokukonakala kwakuzovezwa emhlabeni.

> Umhlaba **wawonakele**[H7843] ebusweni bukaJehova; umhlaba wagcwala ubudlwangudlwangu. (12) UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba **wonakele,**[H7843]ngokuba inyama yonke yayonakalisile indlela yayo emhlabeni. (13) UNkulunkulu wathi kuNowa: ukuphela kwenyama yonke kufikile phambi kwami, **ngokuba umhlaba ugcwele ubudlwangudlwangu ngenxa yabantu:** bheka, **ngiyakubachitha**[H7843] kanye nomhlaba. UGenesise 6:11-13

Ngesikhathi uNkulunkulu ebheka umhlaba wabona ukuba abantu bazonakalisile. NgesiHeberu igama elisetshenziswa njengoku-*wonakala* kuGenesise 6:11 libuye lisetshenziswe njengokuba-*chitha* kuGenesise 6:13. Kulawa mavesi sibuye sinxuswe ukuzibuza ukuba siwafunda noma siwazwisisa kanjani lawamavesi. Manje, singasho ukuba uNkulunkulu uvele wanquma ukubhubhisa bonke abantu ababekhona emhlabeni ngenxa yokukhohlakala kwabo kodwa washiya abayishiyagalombili, ukwenzela ephelise ukukhohlakala emhlabeni. Noma singabuye sisho ukuthi uNkulunkulu wayesazi ukuba ukonakala kwabantu kwakuzozibonakalisa emhlabeni, kanti lokonakala kwakuzochitha umhlaba wonke. Njengoba abantu babephila ngokweqa noma ngokudlulisa, bembuka emthethweni kaNkulunkulu, kanjalo nomhlaba wawuzodlula umkhawulo wawo, ubambukele abantu.

IBhayibheli lithi uNkulunkulu wabona ukuba umhlaba wawugcwele ubudlwangudlwangu. Iningi lamaKhrestu licabanga ukuba uNkulunkulu

ebona ubudlwangudlwangu naye wayezophendula ngobudlwangudlwangu, ebabulale ngozamcolo ngobudlova. Kuyadabukisa ukucabanga ngalendlela, ukucabanga ukuthi uNkulunkulu ukuphelisa ubudlwangudlwangu babantu ubezophendula ngobudlwangudlwangu naye. Ingabe eNdodaneni kaNkulunkulu sifumana ubudlwangudlwangu obungakanani na? ngoba phela ifuze yena (KumaHeberu 1:3).

> Babeka ithuna layo kanye nababi, ekufeni yayinabenza okubi; **noma ingenzanga indluzulu**, kungekho nankohlisa emlonyeni wayo. UIsaya 53:9

Kanti indluzulu noma ubudlwangudlwangu buvelaphi pho?

> Ngobuningi bokuthenga kwakho wagcwaliswa ngobudlova, wonile; ngalokho ngakulahla ungcolile entabeni kaNkulunkulu ngakuchitha wena-kherubi elisibekelayo, ungabikho phakathi kwamatshe omlilo. UHezekeli 28:16

Imbhalo ithi okubi kuyakumbulalala omubi. AmaHubo 34:21. Imithetho yemvelo ayidingi ukuba uNkulunkulu aze ebenodlame noma ubudlwangudlwangu kubantu. Imbhalo efanayo isivezela ukuba lemithetho yamiswa kanjani kwasekuqaleni.

> Ngubani owenyukele ezulwini, wabuye wehla na? ngubani oqoqele umoya ezandleni zakhe na? **Ngubani obophile amanzi engutsheni yakhe na? Ngubani omisile yonke imikhawulo yomhlaba na?**... IZaga 30:4

> Wawukuphi, lapho ngasekela umhlaba, na? Ngitshele, uma ukwazi ukuqonda. (5) Ngubani owanquma izilanganiso zawo, ngokuba uyakwazi mpela! Ngubani uwelula umucu wokulinganisa phezukwawo na? (6) Izisekelo zawo zabekwa phezu kwani na? Ngubani owabeka itshe lawo legumbi, (7) Lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, nawo onke amadodana kaNkulunkulu ajabula, na? (8) Ngubani owavalela ulwandle ngesicapha, lapho lwabhoboka kungathi lwaphuma esiswini, (9) **Lapho ngabeka amafu abayisambatho salo, nesigayegaye sabayimbeleko yalo, (10) nalapho ngalumisela umncele wami, ngimisa imigoqo nezicabha, (11) ngathi: uyakufika lapha, kepha ungadluli; lapha amaze akho aziqhenyayo ayakumiswa, na?** UJobe 38:4-11

> Wake wangena eezinqolobaneni zeqhwa, wabona izinqwaba zesichotho, (23) **engiziqongelele isikhathi sokuhlupheka nosuku lokulwa nolwempi, na?** (24) Iphi indlela eya lapho ukukhanya kwahlukaniselwa khona, nalapho umoya wasempumalanga uhlakazekela khona emhlabeni, na? (25) **Ngubani ovulele ukuchichima kwamanzi umsele nonyazi lokuduma indlela,** (26) ukunisa imvula emhlabeni lapho kungekho-muntu khona, nasehlane elingenamuntu, (27) ukusuthisa ihlane kwahlongasibi, nokuhlumisa uhlwaza, na? UJobe 38:22-27

> **Izwi likaJehova liphezu kwamanzi, uNkulunkulu wenkazimulo uyaduma; uJehova uphezu kwamanzi amakhulu.** (4) Izwi likaJehova linamandla; izwi likaJehova line nkazimulo. (5) Izwi likaJehova liyaphula imisedare; uJehova waphula imisedare yaseLebanoni. (6) ILebanoni ulitshekulisisa okwenkonyane, neSirioni njengethole lenyathi. (7) **Izwi likaJehova lidabula amalangabi omlilo.** (8) Izwi likaJehova lizamazamisa ihlane; uJehova uzamazamisa ihlane laseKadeshi. (9) Izwi likaJehova liphunzisa izimbabala; lihluba amahlathi; ngasethempelini lakhe konke kuthi: udumo! (10) UJehova wayehlezi ebusa phezu kukazamcolo; uJehova uhlezi eyinkosi kuze kube phakade. (11) **UJehova uzakunika abantu bakhe amandla; uJehova uzakubusisa abantu bakhe ngokuthula.** AmaHubo 29:3-11

Izwi likaJehova kwimvelo likhuluma ngalemithetho. Lemithetho eyayibekwe ukuba ibusise, ixhase abantu, ibavezele umoya ababezoba nawo kuNkulunkulu umoya wokuthobela nokulalela. Imithetho efanayo yaphendulwa izikhali zokubhubhisa abantu. Ngendlela efanayo abantu bathatha isiphuzo esingaxubene nalutho segrebhisi besonakalise ukwenza utshwala obudala ukufa nembhubhiso, kanjalo-ke abantu ngezingqondo zabo ezonakele bonakalisa umhlaba, baguqule imvelo ibe yisikhali sokubabhubhisa. Ukukhonza izithombe, ukuhlambalaza, ukubulala, ukweba, ukufisa okukamakhelwane, nazozonke ezinye izono ezikhuzwayo emthethweni elishumi, ezimisweni kanye nasezahlulelweni. Konke lokhu kuzoletha isiqalekiso emhlabeni.

NgoMose u-Israyeli waxwayiswa ukuba umhlaba wawuzophatheka uma babezoba ngabantu abakhohlakele.

> Ningenzi njengokwemisebenzi yezwe laseGibithe enahlala kulo, ningenzi futhi njengokwemisebenzi yezwe laseKhenani enginiyisa kulo, ningahambi ngemithetho yabo. ULevitikusi 18:3

UJehova wamxwayisa u-Israyeli ukuba engaphingi, engasondeli-muntu kowakubo ukwambula ubunqunu bakhe, nokulalana kwabesilisa njengathi bangabesifazane, nazo zonke ezinye izinkanuko. Uma babezoqhubeka bekwenze nembala izwe ngokwalo noma umhlaba ubuzophendula.

> Ningazingcolisi nangeyodwa yalezozinto, ngokuba ngazo zonke lezo zingcolile lezizizwe engizixosha phambi kwakho. (25) izwe lingcolile, ngaloko ngahambela ububi balo kuwo, **izwe lahlanza abantu balo**. ULevitikusi 18:24-25

Izinkanuko ezikhohlakele zabantu besilisa zinomthelela emhlabeni. Uma lezizinengiso ziqhubeka isikhathi eside, zidala ubudlwangudlwangu bomhlaba, kanti uzohlanza bonke abantu abenza zonke lezi zinto.

> Umhlaba uyalila, ubune; izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakemeyo bomhlaba badangale. (5) Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngukuba beqile imithetho; badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakande. (6) **Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba, nabakhileyo kuwo batholiswa icala, ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa, kusale abantu abayingcosana nje.** U-Isaya 24:4-6

Lamavesi aveza sobala ukuthi indlela yokubhujiswa, nendlela ukuphulwa komthetho kaNkulunkulu kubangela ukuba umhlaba wonakale uziphendulele. Umprofethi u-Isaya ubhale ukuthi izono zabantu zibangela ukuba isiqalekiso sidle umhlaba, nabakhileyo kuwo bayashiswa. Ukubhidlizwa komhlaba ngokukhukhulwa kwamanzi ngozamcolo kwamandulo nokubhidlizwa komhlaba ngomlilo okuzayo kuhlobene nezinkanuko zabantu ngendlela elandelayo:

> **Nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo,** (4) bethi: siphi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa. (5) Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu ukuthi kwaphakade izulu lalikhona kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi, umi ngezwi likaNkulunkulu, (6) **Okwathi ngawo izwe elalikhona labhubha**

> **ngokukhukhula kwamanzi;** (7) kepha izulu nomhlaba okukhona manje, **kubekelelwe umlilo ngalo lona lelizwi, kulindele usuku lokwahlulela nolukubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu.** 2 kaPetru 3:3-7

Uzamcolo wabangelwa yizinkanuko nezizindlo zezingqondo ezimbi zabantu. Into efanayo izokwenzeka mlhazana umhlaba uqedwa ngomlilo. Njengoba amadoda eshisekelana ezinkanukweni zabo ngezinsuku zikaSodoma, kanjalo idolobha lasha ngomlilo kwaze kwasala amadoda ambalwa. Empeleni kwaphunyuka abantu abathathu kuphela kulowamuzi owalahlwa.

Ukubhidlizwa kweSodoma kuyisixwayiso sethu sokuzokwenzeka ngokuphela kwesikhathi.

> Njengokuba iSodoma neGomora nemizi yangakhona yenza ubufebe ngendlela efana nayayo, **yalandela imbe imisiwe ibe-yisiboniso**, izwa isijeziso somlilo omiyo njalo. EkaJuda 1:7

ISodoma neGomora zazinikela ezinengisweni. UPawule uchaza ukukhohlakala kwaseSodoma ngamadoda akulomuzi ayefuna ukwazi izihambi ezazifikele emzini kaLoti.

> Ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, **basha ngokukhanukelana**, abasesilisa benza okuyichilo nabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo. KwabaseRoma 1:27

Ukushisa kwezinkanuko zamadoda aseSodoma, okwakungukweqa umthetho kaNkulunkulu ngendlela ethathekisayo, kwabangela ukuba umhlaba nemvelo yonke iphendule ngendlela eyisimanga, ihlanza yebo ikhafula abakhileyo kuwo, kwasala abayincosana nje. UJehova wahamba phezu kwenhliziyo ka-Abrahamu ukuba enxusele indawo yaseSodoma ukuthi uma kungenzeka engasindisa indawo nabo abakhileyo kuyo emphumeleni owawuzokwenzeka ngenxa yezinkanuko zabo ezishisayo. UKhrestu wayethwele ukusinda kwezinkanuko zabo ukwenzela ukuba ebambe imimoya yemvelo, enika abantu baseSodoma isikhathi sokuphenduka. Into efanayo yenzeka ngesikhathi sikazamcolo. Engekafiki uzamcolo, uJehova wabamba imimoya yemvelo ukunika abantu isikhathi sokuthi bephenduke besindiswe.

Ngalesi sikhathi sokulinda, yonke indalo yabubula kanyekanye inezinseka ngaphansi kwesisindo sobubi bomuntu, lokhu kusiletha eqinisweni lesiphambano nomqhele wameva.

> Kepha kubo ababiziweyo, abaJuda namaGreki, sishumayela uKhrestu, amandla kaNkulunkulu nokuhlakanipha kukaNkulunkulu. 1 KwabaseKorinte 1:24

Ngalawa mandla UKhrestu utshata umhlaba.

> Yona ethi ingukubengezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, **iphasa konke ngezwi lamandla ayo**, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu, KumaHeberu 1:3

> Ngokuba kwadalelwa kuyo(iNdodana) konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, **nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathimandla; konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona**; KwabaseKolose 1:16

Ngoba uJesu uphasa zonke izinto ngamandla akhe, umoya wokwambuka okumuntu, obanomthelela kulomhlaba owadalwayo, unjengomqhele wameva kuye; umhlaba nsukuzonke ezama ngamandla akhe onke ukubamba imimoya yomphumela wemvelo ekhohlakele, ukwenzela izwe lingabhubhi. Ngalokhu kuqonda siyathola ukuthi ezinhlungwini nasezinhluphekweni zikaKhrestu imimoya yengxabano ibanjiwe.

> Emva kwalokho ngabona izingelosi ezine zimi emagumbini omane omhlaba, **zibamba imimoya emine yomhlaba**, ukuze kungavunguzi-moya emhlabeni, naselwandle nakowodwa umuthi. ISambulo 7:1

Sisodwa vo isizathu esenza ukuba izingelozi zibambe lemimoya, kungoba uKhrestu utshate phezu kwakhe isisindo sonke sokukhohlakala kwabantu, njalo umphumela wokwambuka kwabantu omele ubonakaliswe yimvelo nomhlaba wonke usabanjiwe. Mhlazana umphakathi uzokuvukela uMoya kaKhrestu ngokuphelele, akusazufunyanwa-muntu ozakuma esikhaleni, ebambe ngakuyena umoya ohlubukayo okumuntu ukuze ungazibonakalisi endalweni.

Umhlaba njengoba siwazi, ugcwele ububi, wonakele. Iintanethi igcwele izithombe namavidiyo aqukethe izinto eziphathelane nobufebe nobunja,

abantu nxazonke babhekane namafilimu agcwele ngendluzula nemikhuba yokonakala. Izinga lobugebengu, izimpi, ubudlwangudlwangu esibubona ezindabeni kuseluleka ngokuxega ekumele kuhumushwe ezingozini zemvelo ezazibekwe ngaphansi kawamandla ethu kwasekuqaleni.

Ngalesisikhathi umhlaba kwakumele uhlanze abakhileyo kuwo. Isizathu sokuthi kungenzeki ngesokuthi iWundlu likaNkulunkulu lisasithwalele umqhele wameva ***namanje***; lisadelelwa ngabantu laliwa ***namanje***; lisagwazwa ngamazwi anolunya nemicabango ekhohlakele yabantu ***namanje***. Kunjalo usasibambela konke angakubamba ukwenzela ukuthi sibenesikhathi sokwazi lezizinto, siphenduke.

Isikhathi esilandelayo uhamba ehlathini, noma eduze komfula othulileyo, yazi ukuba ukuthula noxolo okuzwayo kungenxa yokuthi uMsindisi wethu othandekayo uthwele isisindo sokwambuka kwabantu. Ngokuthwala lesisindo, wenza ukuba umphumela wokwambuka ungabhamuki ngokuzamazama komhlaba, izivunguvungu, nezikhukhula zamanzi nazozonke ezinye izingozi zemvelo. Iqiniso lokuthi lezingozi ziyangokwanda ichaza ukuthi ububi babantu buyanda. Uma uKhrestu ezonqatshwa edelelwe ngumhlaba wonke, imimoya emine izakukhululwa emhlabeni, imvelo iveze ulaka lwabantu.

Yingakho iBhayibheli lithi:

> Khona uJehova wanisa phezu kwesodoma naphezu kweGomora isibabule nomlilo, kuvela kuJehova ezulwini. UGenesise 19:24

Amandla abamba imimoya yemvelo avela kuKhrestu ngoba nguye obamba nophasa konke okwadaliwayo. Lamandla ebekwe endalweni alandela imithetho eyamiswa nguBaba wethu osezulwini. Lemithetho yayibekwe ukuba ibonise ukuthula novumelwano okwakumele kubekhona ezinhliziyweni zabantu uma benenhlanganyelo noMdali. Umhlaba wawuzogcwala ngamahlathi amahle anezithelo ezimangalisayo, izindlubu nezimbewu, kanti umbala wokuphila wawuzovezwa yonke indawo ngobuhle bobungcwele. Lemithetho efanayo iguqulwa ukufa nokubujiswa uma abantu bephila ngokwambuka, kanti amandla abangela lezizinto angamandla kaKhrestu ahleli emithethweni engenakuguqulwa. Lokhu kuletha inchazelo yesifanekiselo sentonga eyaguqulwa inyoka, kodwa sizokhuluma ngalokhu kwesinye isahluko.

Uzamcolo omkhulu womhlaba nomlilo owawela phezu kweSodoma kwakungasozenzo zikaMdali othukutheliswa yikukhohlakala kwabantu. Lezizinto bezibanjwe nguKhrestu ukuvumela abanti ithuba lokubona ingozi ababekuyo nelokuphenduka. Nanoma lemithetho yayimisiwe ingaguquleki, inikelwe ukuba yisibusiso kubantu, uKhrestu ubekwe endaweni lapho wayemele umphumela omubi owawuzokwehlela umhlaba. Ngesikhathi uKhrestu efa ngaso iminyaka engu-2000 edlule sishesha sibone umphumela walokhu emhlabeni:

> Kepha induna yekhulu nababenayo balinda uJesu **sebebona ukuzamazama** nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu, bathi: nempela lo ubeyiNdodana kaNkulunkulu. NgokukaMathewu 27:54

Uma isilo sesibili sikaSambulo 13 siphoqela wonke umuntu ukuba ekhuleke esilweni sokuqala, senze ukuba bonke bemukele uphawu lwaso ebunzini noma esandleni, uKhrestu uzobuye ebethelwe ngokudelelwa nokunqatshwa kwemithetho yakhe. Imimoya emine izakukhululwa emhlabeni, kanti nomoya owambukayo wabantu uzokuba njengamalahle avuthayo enhliziyweni yomhlaba, nomhlaba uzovuka ngomoya wobudlwangudlwangu, uzibhubhise kanye nabakhileyo kuwo. Kuphela labo abafunde ukuba umphephe woPhezukonke ukuphi, bakhosele emthunzini kaSomandla, ngokugcina imiyalo kaNkulunkulu ngokukholwa kukaJesu, yilabo kuphela abazokuvikelwa kulezizinto ezimbi. Abayizinkulungwane bayakuwa ngasecaleni kwabo, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene kwabo kodwa ukufa akuyikuza eduze nendlu yabo (AmaHubo 91:7) ngoba benokuthula noNkulunkulu, ngakho banokuthula nomhlaba.

UJesu ubengalala ngokuthula emkhumbini isiphepho sivunguza ngoba umhlaba wawungexabene naye. Sekubeneminyaka engamakhulu amabili lapho imimoya namaza ebehlasela abalandeli bakhe, kodwa yena uphakama ethi kwimimoya, “thula! Thula!” Ngiyakucenga ukuba ubalekele ingozi ezayo uphume nezingelozi eSodoma uze emkhumbini wesiphephelo. Manje kuyisikhathi sokuphenduka, nokucela uMoya kaJesu ukwenzela siyeke ukuba nezinhliziyo ezingubutha kuNkulunkulu, ezibangela ukuba umhlaba ubenobutha nathi.

Siyabonga Nkosi Jesu ukusithwalela umqhele wameva yonke leminyaka, nokusibambela imimoya yenxabano – imimoya eholela ukuba amadoda

aqhube ngokwambuka nokukhohlakala, ezolethela isivuno ekugcineni esivela emhlabeni. Kwangathi singaphenduka ezindleleni zethu ezimbi, siyeke ukwephula isivumelwano sakho sifunde ukugcina imithetho yakho, kanye nezimiso nezahlulelo zakho ukwenzela ukuthi ukuthula kubuse emhlabeni.

# 14. Amandla Wokufa

> Kwathi ukuba uJesu ewamukele uviniga, wathi: kufeziwe; wagebisa ikhanda **wafa**. NgokukaJohane 19:30 (NKJV)

> UJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Baba, ezandleni zakho ngiyawubeka umoya wami. **Eseshilo lokhu wafa.** NgokukaLuka 23:46 (NKJV)

> Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, **uKhrestu wasifela**. KwabaseRoma 5:8

Ngesikhathi uJesu egebisa ukhanda wafa, umhlaba-wonke nabakhileyo kuwo babezibonele izehlakalo ezalethela ekubulaweni kwakhe, bebone isibonakaliso esinamandla ukuzedlula zonke sothando lukaBaba ebantwini bakhe. Noma bemhleka, bemkhafulela, bemshaya bembhaxabula uJesu akaphindiselanga. Uvele wathi, "Baba baxolele ngoba abakwazi abakwenzayo." Ngesikhathi efa ngezinhlungu, wacabanga ngonyoko uMariya, wacela uJohane ukuba emnakekele. Waxolela isela elaphendukayo, wamthembisa impilo engapheli. Ngemva kokubona lezehlakalo isosha lamaRoma lavuma ukuba nembala:

> Nempela lomuntu ubeyiNdodana kaNkulunkulu. NgokukaMaku 15:39

Ukubekezela okungaka, uthando olumangalisayo nolumiyo! UMsindisi wethu wabekezelela isibonakaliso senzondo yabantu yobudlwangudlwangu obungebuhle neze obunonya kunabobonke obabufunzelelwa ngamadimoni. USathane wagovuza inzondo yabaholi bamaJuda, abapristi kanye nentukuzane. Ngezenzo zabo sibona isimilo sikaSathane. Ugcwele ubudlwangudlwangu, inzondo, inkohliso, akanamhawu futhi unonya kuzekube sekupheleni; uSathane wavezwa ngokugcwele ayikho. Embalini yesiphambano sibona isambulo esigcwele sesimilo sikaNkulunkulu kuKhrestu, nesimilo sikaSathane naso sambulwa ngokugcwele kubantu. Ngokuzinikela kuzekube sekufeni iNkosi yethu uJesu wanqoba owayemzonda kwasekuqaleni kwempi enkulu. Ekhuluma ngoSathane, uJesu wathi kubaFarisi:

> Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. **Yena wayengumbulali … kwasekuqaleni,** akemi eqinisweni,

> ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukhuluma okungokwakhe, **lokhu engumqambi manga noyise wawo.** NgokukaJohane 8:44

Ngokubanjwa kukaKhrestu ebusuku, nokuthethwa kwecala lakhe okwakungumdlalo ohlekisayo ngofakazi abaphikisanayo ababelahla uKhrestu, sibona umoya kaSathane okhohlisayo, noqamba amanga. Ngokuhlekwa nokushaywa sibona unya nendlela angenanhliziyo ngayo. Ngokubethelwa kukaKhrestu sibona ukugcina ngci kobudlwangudlwangu kwakhe. Ngokufa uKhrestu wanqoba uSathane. Njengokusho kombhalo:

> Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze **ngokufa amchithe obenawo amandla okufa,** onguSathane. KumaHeberu 2:14

IBhayibheli lifundisa ukuba uSathane unamandla wokufa. Lokhu kubaluleke kakhulu ekuqondeni isimilo sikaNkulunkulu. Kungenzeka njani ukuba uSathane ebenamandla wokufa lapho kunguNkulunkulu owatshela oAdamu noEfa ukuthi:

> Kepha ungadli kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi, ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa. UGenesise. 2:17

Ingabe uNkulunkulu wasongela oAdamu noEfa ngokuthi wayezobabulala mhla bewudla lomuthi wokwazi okuhle nokubi? IBhayibheli lisivezela sobala ukuba yini ebulala isoni.

> **Ngokuba inkokhelo yesono wukufa…** KwabaseRoma 6:23

> **Okubi kuyakumbulala omubi;** abazonda olungileyo bayakulahlwa ngecala. AmaHubo 34:21

> Ongangifumani uyona umphefumulo wakhe; **bonke abangizondayo bathanda ukufa.** IZaga 8:36

Ukufa kungumphumela wesono. Ngumphumela wokwenza okuphambene noBaba wethu osezulwini okuzobulala isoni. IBhayibheli lisithela ukuba uKhrestu akagcini ngokuba nokuphila, ubuye ebe yikho ukuphila.

> UJesu wathi kuye: **Mina** ngiyindlela, neqiniso, **nokuphila.** NgokukaJohane 14:6

> UJesu wathi kuye: **mina ngingukuvuka nokuphila**; okholwa yimi noma efa, wophila. NgokukaJohane 11:25

> Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, **okwezwi lokuphila** (2) **lokhokuphila kwabonakaliswa,** sakubona, siyaqinisa **sinishumayeza lokho kuphila okuphakade**, okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina. 1 kaJohane 1:1-2

Kwamele siqaphelisise amazwi kaJesu. Akagcini ngokuba nokuphila, kodwa uyikho ukuphila. Uma uJesu engukuphila akwenzeki ukuba ephinde ehlobane nokufa. Uma uJesu engukuphila, akunakwenzeka ukuba ebangele ukufa. Masiqaphele indlela akuchaza ngayo uJesu:

> Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; **mina ngize ukuba babe-nokuphila,** babe-nakho kuchichime. NgokukaJohane 10:10

Yisela elibulalayo, kodwa kunguKhrestu osinika ukuphila. Uma uKhrestu enika ukufa kulabo abeqa umthetho kaYise wakhe, lokho kuzochaza ukuba unamandla wokuphila namandla wokufa. Ngalokhu sichaza ukuthi kokubili ukufa nokuphila kwakuzovela kuye. Kodwa lokhu kuyaphikisana, yingakho iBhayibheli lisitshela ukuba nguSathane onamandla wokufa. USathane wayengazukuba namandla wokufa uma uKhrestu wayekwazi ukusebenzisa amandla afanayo ukubulala abantu. Futhi kwakuzoshiwo ukuba uKhrestu unamandla wokufa. Kodwa iBhayibheli liveza sobala ukuba nguSathane onamandla wokufa. Ukufa kubuye kuhlobane nobumnyama:

> Ngingakayi lapho ngingasayikubuya khona, izwe lobumnyama nelomthunzi wokufa, UJobe 10:21

> Babehlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa beboshiwe osizini nasentsimbini; AmaHubo 107:10

Ngakolunye uhlangothi, ngoKhrestu sifunda ukuthi:

> Ukuphila kwakukuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu. NgokukaJohane 1:4

Siyatshela ngoKhrestu ukuba ukuphila kwakukuye. Asitshelwa ukuthi ukuphila nokufa kokubili. Lokukuphila anakho uKhrestu kungukukhanya

kwabantu. Kanjalo-ke siyabona ukuthi ukuphila nokukhanya kuboshwe ndawonye, kanjalo nobumnyama nokufa. Umyalezo uJesu wayezele ukusazisa wona nangu:

> Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona lokuthi **uNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye**.1KaJohane 1:5

Ubumnyama abukho kuNkulunkulu nakanye, okuchaza ukuthi ukufa akukho kuye, okusivumela ukuba siyisonge sithi uNkulunkulu akasomqalisi nomlobi wokufa; futhi namandla wokufa awekho kuye. Konke angakwenza kungukuvumela abantu bezibhubhise uma bethanda ukwenza njalo. IBhayibheli libiza ukufa ngesitha, okuchaza khona ukuba kwavela esitheni.

> Isitha sokugcina esiyakuchithwa singukufa. 1 KwabaseKorinte 15:26

Ukufa kuyisitha, kanti yingakho uKhrestu sewakuchitha ukufa.

> Owasisindisa, wasibiza ngobizo olungcwele, kungengokwemisebenzi yethu kepha ngokwelakhe icebo nomusa, esawuphiwa kuKhretu Jesu zingakabikho izikhathi, (10) kepha osubonakalisiwe manje ngokubonakala koMsindisi wethu uKhrestu uJesu, **owachitha ukufa** , walethela ekukhanyeni ukuphila nokungabhubhi ngevangeli: 2KuThimothewu 1:9-10

KuKhrestu ukufa akukho nakancane yingakho watshela uMarta wathi:

> Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokho na? NgokukaJohane 11:26

Kuzakanjani ukuba umuntu okholwa kuJesu angafi na? Abantu bayafa izikhathi zonke. Bheka uJesu wakhuluma kanjani ngokufa:

> Wakhulumo lokhu; ngemva kwalokho wathi kubo: **uLazaro umhlobo wethu ulele**, kepha ngiyahamba ukuba ngimvuse ebuthongweni. NgokukaJohane 11:11

> Wathi kubo: dedani, **ngokuba intombazana ayifile, kodwa ilele**, bamhleka usulu. NgokukaMathewu 9:24

Ngokwalenchazelo munye kuphela umuntu owafa ukufa.

> Kodwa siyambona uwenziwe wabamncinyane kunezingelozi okwesikhashana, uJesu, ebekiwe umqhele wenkazimulo nodumo ngenxa yokuhlupheka kokufa, ukuze ngomusa kaNkulunkulu **ezwe ukufa ngenxa yabo bonke**. KumaHeberu 2:9

Uma bonke abasemathuneni bezinambithele ukufa, injongo kaJesu yokuzwa ukufa ngexa yabo bonke yayizoba yiphi na? Lokhu akwenzi mnqondo ngaphandle kokuba efe ukufa okungukubhubha, okuyikho okuzowela abangemesabi uNkulunkulu ekugcineni, isihogo noma igehena?

Umuntu owafa ukufa kuzekube manje nguJesu. Bonke abanye abaphilayo bazilalele emangcwabeni. Bonke bazakuvuka bevukela ukuphila okungunaphakade noma bevukela ihlazo, ukufa kwesibili, ukubhubha, kubengolwesibili kubhubha umuntu ngokomlando womhlaba. Ngesikhathi uJesu ememeza "esandleni sakho ngiyawubeka umphefumulo wami" ethwele izono zomhlaba wonke. Waphohloza amandla wokufa. Wenza kungabi nasidingo sokuthi kubenomuntu noyedwa okwakumele ebhubhe. Yingakho ngalesisikhathi iBhayibheli lisithela ukuthi ukufa sekwachithwa. Sinye isizathu esizokwenza kube nabantu abazobhubha ekupheleni kwesikhathi – banqabe ukwamukela ukuphila okukuKhrestu. Awukwazi ukuchitha ukufa bese ekupheleni kwesikhathi ube yimbangela yokufa. Lokhu akwenzeki.

Ngesikhathi sokubhujiswa kwabangamesabi uNkulunkulu, iBhayibheli lithi:

> Ukufa nehaidesi kwaphoswa echibini lomlilo. Lokhu kungukufa kwesibili. ISambulo 20:14

Sijwayele ukuzwa abantu besho ukuthi ichibi lomilo *liyisihogo* kodwa iBhayibheli lisitshela ukuba ihaidesi *lizakuphoswa* echibini lomlilo kanye nokufa. Liyini ichibi lomlilo? Liyilokhu uJesu wakuzwayo esiphambanweni. UNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo. KumaHeberu 12:29. Ukucweba kwesimilo sakhe nothando lwakhe olungenabugovu uma selambulelwa isoni libavezela icala lokukhohlakala nobugovu baso. Ukukhanya kuvuthe ebumnyameni, kanti ngenxa yokuba ababi benqaba ukwamukela umusa, bakhala njengoKayini bethi, "isono sami sikhulu kunokuthi ngisithwale" kanti bepitshwe ngamacala abo, nokuzinyeza kwabo. Kanjalo okubi kuyakumbulalala omubi, nenkokhelo yesono wukufa. AmaHubo 34:21, KwabaseRoma 6:23.

Uma uNkulunkulu neNdodana yakhe bebulala abantu, lokho kuchaza ukuthi emoyeni wabo kunokufa. Uma lokhu kuyiqiniso akunakwenzeka ukuba ukufa kuchithwe ekugcineni, futhi akukwazi ukuba yisitha. Siphinde futhi, kumele sisho ukuba uKhrestu akanakuphila okungapheli kuphela ubuye abeyikho. Awukwazi ukuba nokuphila okungapheli, ube nokufa esimilweni sakho ngesikhathi esifanayo, akwenzeki!

> Umthombo uyakhipha yini amnandi nababayo emgodini munye na? EkaJakobe 3:11

Sibheke elinye iphuzu elibaluleke kakhulu lapha.

> Kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni, **siyaguqulwa sibe-njengalowomfanekiso** ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngeNkosi, enguMoya. 2KwabaseKorinte 3:18

Njengoba sibuka inkazimulo yeNkosi noma isimilo sayo, siphenduka sibe njengalowomfanekiso esiwubukayo. Ngoba uNkulunkulu neNdodana yakhe bengukuphila, uma sibuka bona sazi bona lokho kushokhona ukuba sizobanokuphila.

> Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena-Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Khrestu. NgokukaJohane 17:3

Lokhu kuchaza ukuthi uma sifunda izindaba eTestamendeni elidala leBhayibheli sinokukholwa kokuba uNkulunkulu ubulala abantu, uma sibuka lokhu njengesimilo sikaNkulunkulu, kuzophenduka isimilo sethu nathi. Manje cabanga ngalokhu ngenye indlela. IBhayibheli lisitshela ukuthi:

> Okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa iyini ingcebo yenkazimulo yaleyomfihlakalo phakathi kwabezizwe, **enguKhrestu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo;** KwabaseKolose 1:27

> Akuseyimi ophilayo, **kepha uKhrestu uphila kimi;** kodwa ukuphila engikuphilayo ngalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa, okungukukholwa kweNdodana kaNkulunkulu eyangithandayo, yazinikela ngenxa yami. KwabaseGalatia 2:20

Uma uKhrestu ehlezi kuwe ngoMoya wakhe, ube wena ukholwa ukuba ubalala abantu, kusho ukuthi uzakubanomoya wombulali uhlezi kuwe. Kodwa ngoba uKhrestu engukuphila okungapheli, akunakwenzeka ukuba ube noKhrestu nomoya wombulali uhlala kuwe ngesikhathi esifanayo.

Lesi ngesinye sezizathu abantu besifa; kungoba bekhuleka unkulunkulu obulala abantu. Uma ukholwa ukuthi izandla zikaNkulunkulu zigcwele ngegazi lezigidi-gidi zabantu, nokuthi ngesikhathi esizayo uzakubulala izinkulungwane zabantu, lokhu kusho ukuthi ukukhanya kwesimilo sikaNkulunkulu kugingiwe wukufa, kanti nalokhu kufa kubukwa njengokuhlezi esihlalweni sokubusa umhlaba. Uma sikhonza unkulunkulu onjena, sihlala sibuke unkulunkulu onje izinsuku zidlula, ukukhonza okunje kudala ukufa, kuzokubulala. Kungani? Ngoba ngokubuka siyaguqulwa sibenjengalowomfanekiso wento esiyibukayo. 2KwabaseKorinte 3:18.

Indlela yokuthi uNkulunkulun echithe ukufa inye, ingukuveza okwakusezinhliziyweni zabantu maqondana neNdodana kaNkulunkulu. Ngesikhathi uJesu eza emhlabeni, ubutha bemvelo obebukhona ezinhliziyweni zabantu bonke maqondana noKhrestu kwambulwa. Esiphambanweni sibona indlela okulula ngakhona ukuba uSathane engabangela ukuba abantu babenobudlwangudlwangu nonya, nokubulala. Ngokufa kwesiphambano uKhrestu wambula isimilo sikaSathane, wanikeza umhlaba ithuba lokubona indlela uluntu lukhohlakele ngayo. Uma sibheka esiphambanweni sihlangana nqo nemvelo yethu, kanti ngoMoya kaKhrestu sinikezwa ithuba lokwamukela uMoya wakhe omnene, ongena bugovu nonothando.

> Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngoba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. NgokukaMathewu 11:29

UJesu umnene, uthobekile. UJesu uthanda izitha zakhe. Abamzondayo uJesu uyabakhulekela, nabamshushisayo ucela ukuba uBaba ebathethelele. NguMoya onikeza impilo lona. Impilo engunaphakade yilokhu.

Kodwa sithini ngamavesi eBhayibhelini abonakala sengathi asitshela ukuba uNkulunkulu uyabulala abantu? Masikhumbuleni ukufunda iTestemende elidala ngezibuko zempilo kaKhrestu. Uma sifunda iBhayibheli ngaphandle kwempilo kaKhrestu nempela kuletha ukufa. Isizathu solokhu, njengoba

sesishilo, singukuthi uma sikhuleka kuNkulunkulu obulala abantu, kuchaza ukuthi sikhonza uNkulunkulu wokufa, kanti ngokubuka yena siphenduka ukufa, siyafa. Lesi yisifanekiselo esitholakala emazwini axwayisa u-Israyeli ukuba engakhuphukeli entabeni iHorebi.

> Wena-ke wobamisela abantu umkhawulo nxazonke, uthi: xwayani ukuba ningakhuphukeli entabeni, ningathinti umkhawulo wayo. Lowo othinta intaba uyakubulawa impela; (13) Makangaphathwa ngesandla, kepha **impela uyakukhandwa ngamatshe nokuba ahlatshwe ngemicibisholo**; noma kuyinkomo noma kungumuntu, akayikuphila; nxa icilongo likhala linganqamuki bayakukhuphukela entabeni: UEksodusi 19:12-13

Babekwazi ukukhulumisana noNkulunkulu ngommeli kuphela. UMose wayemele uKhrestu ongummeli wethu. UMose wayekwazi ukukhuphukela entabeni ngaphandle kokufa ngoba isimilo sikaNkulunkulu wayesiqonda kahle. Njengoba ehla entabeni ubuso bakhe bakhazimula ngokukhanya kwenkazimulo noma isimilo sikaNkulunkulu. Uma sifunda iTestemende elidala ngaphandle kokuphila kukaKhrestu njengommeli, sizoluthekiswa noma sizibonele okwethu, nemibono engasiyo ngoNkulunkulu, kanti lokhu ekugcineni kuzosibulala.

> Bonani manje ukuthi mina, yebo, mina nginguye, akakho uNkulunkulu ngaphandle kwami; mina ngiyabulala bese ngiphilisa, ngilimazile kepha ngiyakupholisa; akakho ongophula esandleni sami. UDuteronomi 32:39

Ngaphandle kokubuka impilo kaKhrestu singafunda lokhu ngalendlela:

> Abanye abantu ngiyababulala, kanti abanye ngibasindisa bephila.

Ngokwazi ukuba uJesu akabulalanga muntu ngesikhathi elapha emhlabeni, siyakhuthazwa ukuqhubeka sihlolisisa ukuba siqonde ukuthi lokhu kuchaza ukuthini. Okokuqala siyabona indlela *ukubulala nokuphilisa* kuhlanganisiwe:

> Ngiyabulala, ***ngibuye*** ngiphilise;

Igama elithi ukubulala lihlanganiswe negama elithi ukuphiliswa. Ngakho isenzo sokubulala silandelwa wukuphiliswa. Iseluleko esilandelayo sisifumana esigabeni esilandelayo kwivesi elifanayo:

> Ngiyabulala, ngiyaphilisa;
> Ngilimazile, futhi ngizobuye ngipholse:

Lokhu kujwayelekile ezibhalweni zesiHeberu. Kubizwa ngokuthi yi-*parallelism.* Ingxenye yokuqala neyesibili achaza indaba efanayo ngezindlela ezihlukeneyo ukuveza isithombe esikhanyayo ngomusho. Isimiso sokuthi ngilimazile futhi ngizobuya ngiphilise sihlanganiswe nomsebenzi wevangeli. Ukuze sizalwe kabusha kwamele sife ekuphileni kwethu okudala. Ukwenzela sipholiswe kwamele silinyazwe kuqala ngumthetho osivezela izono zethu. Angeke kubenokuvukela ekuphileni okusha uma kungazange kwaba nokufa komuntu omdala. UPawule usitshengisa ukuba uDuteronomi 32:39 uchaza ukuthini uma ethi:

> …ngokuba igama liyabulala, kodwa umoya uyaphilisa. 2 KwabaseKorinte 3:6

UNkulunkulu ubulala umuntu omdala esebenzisa umthetho (igama) kodwa ubuye emvusele ekuphileni okusha ngoMoya. Ngakho-ke lomusho okaMose okuDuteronomi 32:39 ungukubonakaliswa komsebenzi kaMoya kaNkulunkulu evangeli ukusisindisa ukwenzela kungabi namuntu ongasikhipha esandleni sakhe.

Uma sihlolisisa iBhayibheli ukuthola ezinye izibonelo lapho lokulandelana kwamazwi esiHeberu atholakala khona sithola elinye ivesi esho amazwi afanayo, amazwi athi “ngiyabulala ngizophilisa.”

> UJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, abesenyusa.1 Samuweli 2:6

Ingxenye yokuqala yevesi ishiwo okwesibili, kodwa iphindwa ngendlela ehlukile ukuchaza ngcono. Ukusetshenziswa kwe-kholoni eBhayibhelini leKing James nalo lisitshela ukuba okulandela lekholoni kuyinchazelo yalokhu okusandokushiwo.

UJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, abesenyusa.

Kanjalo lomusho usitshela ngamandla wokuvusa akaKhrestu ongukuvuka nokuphila, hhayi umlobi wokufa. Lelivesi lingumthandazo wenjabulo okaHana ngesikhathi esenqobile. Uyaqhubeka:

UJehova uyapholisa, abesecebisa; uyathobisa abesephakamisa. (8) Uyamvusa omphofu othulini, uyaphakamisa impabanga ezaleni, abahlalise nezikhulu, badle ifa lesihlalo sobukhosi, ngokuba izinsika zomhlaba zingezikaJehova; ubekile izwe phezu kwazo. 1Samuweli 2:7-8

Ngaso sonke isikhathi isenzo sokuqala silandelwa yisenzo sesibili. UHana wayehlushwa yinkinga yokungakwazi ukuthola abantwana, ngesikhathi ehlekwa yinkosikazi yesibili ebikwazi ukunikeza umyeni wabo abantwana. Lamava abulala umuntu wakhe omdala, kodwa njengoba ethembele eNkosini, indodana yesithembiso yeza naye wasenyuswa ephiliswa. Wayengompofu ngokomoya, kodwa manje wayengonothileyo. UJobe naye ukhuluma ngalokhu.

Uma umuntu **efa,** uyakubuya **aphile** na? bengiyakulinda zonke izinsuku zomshikashika wami, kuze kufike ukumuka kwami. UJobe 14:14

UJobe ukhuluma ngovuko esebenzisa amagama afanayo wesiHeberu atholakala kuDuteronomi 32:39. Ngesikhathi uNamani efika enkosini yakwaIsrayeli ecela ukuphiliswa, inkosi yasebenzisa lomusho ofanayo othalakala kuDuteronomi 32:39

Kwathi inkosi yakwa-Israyeli isiyifundile incwadi, yaklebula izingubo zayo, yathi: **mina ngInguNkulunkulu yini ukuba ngibulale ngiphilise,** ukuze lo athumele kimi umuntu wokumphilisa onchokweni lwakhe, na? Ake niqonde, nibone ukufuna kwakhe ithuba lokulwa nami. 2 Amakhosi 5:7

UNamani wayengaphansi kwesiqalekiso sokufa enochoko. Inkosi yakwaIsrayeli yakhala amazwi afana nokuthi “Ingabe lomuntu ucabanga ukuthi ngikwazi ukuvusa abantu kwabafileyo yini?!”

Ngakho-ke uma sifunda iTestamende elidala lombhalo sisebenzisa izibuko eziyimpilo kaJesu, sisebenzisa imithetho kaWilliam Miller, sibheka konke lapho amazwi afanayo atholakala khona eBhayibhelini, iBhayibheli lizokusivezela ukuba lichaza ukuthini. Ngesikhathi uMose ebhala ukuthi “ngiyabulala ngibuye ngiphilise” uKhrestu wayetshela uMose ukuba yena ungukuVuka noKuphila! Isambulo sevangeli elifanayo sitholakala eTestamendeni elisha. Uma sesazi leliqiniso, akukho okungasisusa esandleni sikaBaba wethu osezulwini. Ingabe yiyo indlela ofunda lelivesi ngayo, noma wena uyaqhubeka ngokuyifunda njengokuthi uNkulunkulu

uthi kuwe, *ngibulala abanye abantu kodwa abanye ngibasindisa bephila.* Ufunda kanjani?

> Bheka, ngibekile namuhla phambi kwakho ukuphila nokuhle, ukufa nokubi. UDuteronomi 30:15

Indlela okumangalisa ngayo ukwazi ukuba uJesu ungukuphila okuphakade. Ungumniki wokuphila, nomelaphi, kanti njengoba sazi ungumfanekiso kaBaba. Akukho bumnyama akukho kufa kuBaba. UKhrestu usivezele lokhu ngesikhathi elapha emhlabeni ngoba akabulalanga muntu, futhi imithetho kaBaba wayigcina yonke. Ngakho-ke wena ukhuleka yebo ukhonza kanjani?

Uma uNkulunkulu omkhonzayo enomoya wokufa kuye, lokhu kuchaza ukuba akasuye uNkulunkulu kaJesu Khrestu ovezwa evangelini. Ukufa nobubi bonke bukuSathane, kanti kuKhrestu kunokuphila nakho konke okuhle. Khetha namhlanje ozomkhonza.

> Ongibonile mina ubonile uBaba; NgokukaJohane 14:9

Ngubani ozomkhonza? kukuwe.

## 15. Umyalo KaYise

Incwadi yamaHubo ikhuluma nathi ngendlela uKhrestu ayethanda umyalo kaBaba wakhe. Ngaphambi kokuba eze emhlabeni wathi:

> Ngase ngithi. Bheka, ngiyeza; encwandini esongwayo kulotshiwe ngami ukuthi:(8) ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami, nomthetho wakho usenhliziyweniyami. amaHubo 40:7-8

INdodana kaNkulunkulu isinikeza isibonakaliso sobuNkulunkulu somthetho kaBaba. Kokubini uthando lwakhe lomthetho nempilo yakhe yansuku zonke yesibonelo sethu ngesikhathi elapha emhlabeni, kusivezela ukuba umthetho ufana nani uma uphila. Okungaphezu kwalokhu, impilo kaJesu ayigcini ngokuba yisibonakaliso somthetho kaBaba, iyimpilo ehlala ezinhliziyweni zabo bonke abamkhonzayo.

> Ukufundisa kohlakaniphileyo kungumthombo wokuphila, ukuze kudedwe ezihibeni zokufa. IZaga 13:14

UJesu ungukuhlakanipha kukaNkulunkulu(1KwabaseKorinte 1:24) kanti ukuqala kokuhlakanipha kwakhe, kungukwesaba nokuhlonipha uBaba wakhe nokugcina umyalo wakhe.

> Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda. IZaga 9:10

> Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakke, ngokuba lokho kungokwabantu bonke. UMshumayeli 12:13

Indlela iyodwa vo yokuba sesabe noma sihloniphe uNkulunkulu sigcine nemiyalo yakhe, ingeyokuthi uMoya weNdodana kaNkulunkulu uhlale kithi. Ungumthombo wabo bonke abagcina imiyalo kaYise. Bonke abakholwa eNdodaneni bamukeliswa ukugcina imyalo ngoMoya. Umthetho kaNkulunkulu angeke wagcineka sibe singena Moya kaKhrestu.

> Kepha manje kubonakalisiwe ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngaphandle komthetho, kufakazelwa ngumthetho nabaprofethi, (22)

> ngisho ukulunga kukaNkulunkulu ngokukholwa kuJesu Khrestu kubo bonke abakholwayo; ngokuba akukho-mahluko; KwabaseRoma 3:21-22

UPawule usitshela ukuba ukulunga kukaNkulunkulu kubonakalisiwe kuKhrestu Jesu, kanti sikuphiwe ngaphandle kwentengo, ngaphandle kokuba thina sizame ukuthokozisa uNkulunkulu ngemizamo yethu. Konke sikuphiwe ngokholo.

> Kepha lokhu sazi ukuthi umuntu akalungisiswa ngemisebenzi yomthetho, **kuphela ngokukholwa nguKhrestu Jesu**, **nathi sakholwa nguKhrestu Jesu ukuba silungisisiswe ngokukholwa nguKhrestu kungemisebenzi yomthetho**; ngokuba ngemisebenzi yomthetho akuyikulungisiswa nyama. KwabaseGalathiya 2:16

Uma sikwamukela ukuba nempela uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, sikholwa kulelo gama, sizokwamukeliswa ukukholwa kwakhe, ngisho indlela akholwa uYise ngayo, samukeliswe indlela ayegcina umthetho ngayo. Siyamangalisa isipho esisifumana kuKhrestu! Ukugcina komthetho kusilindele ukuba sikwamukele ngaphandle kwentengo ngesipho soMoya.

> Kepha izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, (23) nobumnene, nokuzithiba. **Akukhomthetho emelana nokunjalo**. KwabaseGalathiya5:22-23

Encwadini yamaHubo alotshwe ngoMoya kaKhrestu sifunda ngendlela iNdodana kaNkulunkulu ekhuluma ngomthetho kaNkulunkulu.

> Ubusisiwe umuntu ongahambi ngeziluleko zababi, ongemi endleleni yezoni, ongahlali enkundleni yabaklolodayo, (2) **kepha okuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova, ozidla ngomthetho wakhe imini nobusuku.** (3) **Unjengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi**, othela isithelo sawo ngesikhathi sawo, oqabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyakuba nenhlanhla kukho. amaHubo 1:1-3

NgoMoya kaKhrestu, umtetho uphenduka umthombo wamanzi okuphila. Nasi isibonakaliso esivezwa emanzini aphuma edwaleni eladatshulwayo.

> Bheka, ngiyakuma phambi kwakho edwaleni laseHorebe; uzakushaya itshe, kuphume amanzi kulo, abantu baphuze. Wenza njalo uMose emehlweni amalunga akwaIsrayeli. UEksodusi 17:6

IHorebe yindawo efanayo nentaba yaseSinayi. Ngakho amanzi ayegeleza evela endaweni efanayo lapho umthetho wanikezwa khona. Kanjalo kuKhrestu umthetho awusoncwadi efileyo kodwa iqiniso eliphilayo. Uma samukela uKhrestu samukeliswa isihawu esilandelayo ngesipho sikaMoya.

> Ngiyawuthanda umthetho wakho kangaka. Usuku lonke ngizindla ngawo. amaHubo 119:97

Lamazwi siwathola esahlukweni eside kunazo zonke eziseBhayibhelini, isahluko esikhuluma ngendlela umthetho umuhle ngayo. Iqiniso elisobala ngelokuthi umtetho kaNkulunkulu uyipulani yesimilo sakhe. INdodana kaNkulunkulu ithanda umtetho ngoba phela ithanda uBaba. Uma uqhathanisa izinchazelo zomthetho nezinchazelo zesimilo sikaNkulunkulu uthola ukuba zifana nqo.

| **Isimilo sikaNkulunkulu** | | **Umthetho kaNkulunkulu** | |
|---|---|---|---|
| 1. Ungumoya | Johane 4:24 | 1. Unguwomoya | KwabaseRom 7:14 |
| 2. Uluthando | 1 Johane 4:8 | 2. Uthando | Mathewu 22:37-40 |
| 3. Uyiqiniso | Johane 14:6 | 3. Uyiqiniso | amaHubo 119:142 |
| 4. Ukulunga | 1 Korinte. 1:30 | 4. Ukulunga | amaHub119:144,172 |
| 5. Ungcwele | UIsaya. 6:3 | 5. Ungcwele | KwabaseRom 7:12 |
| 6. Uphelele | Mathewu 5:48 | 6. Uphelele | amaHubo 19:7 |
| 7. Muhle | Luka 18:19 | 7. Muhle | KwabaseRom 7:12 |
| 8. Ulungile | Duteronomi 32:4 | 8. Ulungile | KwabaseRom 7:12 |
| 9. Uhlanzekile | 1 Johane 3:3 | 9. Uhlanzekile | amaHubo 19:8 |
| 10. Ongaguquki | Jakobe 1:17 | 10. Akaguquki | Mathewu 5:18 |
| 11.kusukela phakade | amaHubo 90:2 | 11.Kuzekubephakade | amaHubo 111:7,8 |
| 12. Indlela | Johane 14:6 | 12. Indlela | Malaki 2:7-9 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| 13. Mkhulu | amaHubo 48:1 | 13. Ezinkulu zomthet | UHoseya 8:12 |
| 14. Hlambulula | Mathewu. 8:3 | 14. Okuhlambulukiley | UHezekeli 22:26 |

Uma sihlolisisa imiyalo siyathola ukuba yonke ibekelwe ukugcina ubudlelwano noma ubuhlobo; ubuhlobo bethu singabantu kanye nobudlelwano bethu noNkulunkulu.

| ISimilo sikaNkulunkulu | |
|---|---|
| 1. Ngikukhiphe ezweni lobugqila. Awuzukuba nabanye onkulunkulu kunami. | UMhlengi, UMsindisi, Unkulunkulu kuphela, *Othanda ubudlelwane* |
| 2. ungaizibazeli izithombe | Awukwazi ukuba nobudlelwane nekhuni, itshe noma umbono ongasiwo |
| 3. Igama likaNkulunkulu singalibambi ngeze | Ubuqotho, Ochachayo, *Othanda ubudlelwane* |
| 4. Ukhumbule usuku lweSabatha, ngoba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba | UMdali, Umthombo wokuphila, *othanda ubudlelwano* |
| 5. Hlonipha uyihlo nonyoko | Umndeni/*nobudlelwano* bumqoka, unguBaba |
| 6. Ungabulali | Impilo iligugu, *ubudlelwano* kwamele bume ingunaphakade, Ngingumthombo wokuphila |
| 7. Ungaphingi | Ubudlelwane obusondelene kakhulu obusemthethweni buya ephakadeni |
| 8. Ungebi | Ungowomoya/ubheka ubudlelwane, haayi izinto eziphathekayo |
| 9. Ungaqambi amanga | Ubuqotho, Ochachayo, nothanda ubudlelwane |
| 10. Ungafisi okungokwamakhelwane wakho | UMdali, ungumthombo wokuphila, uthanda ubudlelwane |

1. Umyalo wokuqala usitshela ukuba uNkulunkulu wakhipha u-Israyeli ezweni lobugqila eGibithe, okusitshela ukuba uNkulunkulu unguMhlengi noMsindisi wethu. Uma engicela ukuba ngingabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwakhe, kungitshela ukuba ufuna *ubudlelwane* obusondelene nami.

2. Umyalo wesibili ungitshela ukuba uNkulunkulu ufuna *ubudlelwane* obuphakathi kwezinhliziyo zethu. Ukukhonza kwezithombe akusikho ukukhonza nokuhlangana kwezinhliziyo. Ukukhonza kwezithombe akusokukhonza ngoMoya, okuchaza ukuxhumana kwemimoya, nezingqondo. Kungukukhonza nokuxhumana nento enganampilo, noma umbono ongasoqiniso.
3. Umyalo wesithathu ungitshela ukuba uNkulunkulu ungumuntu ochachayo, zonke izinto zibe sobala *ebudlelwaneni* bakhe. Uma singena ebudlelwaneni naye, akafuni sibe ngabazenzisi ebudlelwaneni okuzokwenza ubudlelwane bethu buphenduke ize.
4. Umyalo wesine uligugu kakhulu ngoba ungitshela ukuba uNkulunkulu ungumthombo wokuphila, nokuthi nguye owadala zonke izinto. Lomyalo unmthelela omkhulu ekutheni simbuka kanjani nokuthi sisondela kanjani kuye. Kubalulekile ukuqonda ukuba emthethweni wonke, oweSabatha unamazwi amaningi ukudlula yonke eminye imiyalo.
5. Umyalo wesihlanu nawo uligugu ngoba usitshengisa ukuba ukuphila kukaNkulunkulu kuza kithi kanjani ngomgudu osemhlabeni. Lomthetho usithembisa impilo ende uma sihlonipha abazali bethu. Uveza sobala ukuba abazali bethu basivezela into eligugu kakhulu ngoNkulunkulu, kanti uma sibahlonipha bona, sihlonipha yena.
6. Umthetho wesithupha usitshela ukuba uNkulunkulu ubona impilo njengento ebaluleke kakhulu. Ungitshela ukuba uNkulunkulu ufuna *ubudlelwane* bume ingunaphakade.
7. Umthetho wesikhombisa usitshela ukuba obunye ubudlelwane bunengozi, kanti uma usitshela ngoNkulunkulu kungukubuyiseleka komthetho wokuqala ositshela ukuba singabi nabanye onkulunkulu. Uyisikhumbuzo sokuthi uNkulunkulu ungumthombo wokuphila kwethu.
8. Umthetho wesishiyagalombili usitshela ukuba uNkulunkulu uzosibonelela zonke izidingo zethu, nokuba uzosinakekela. Kubuye kusitshele ukuba uNkulunkulu akanakanga izinto kodwa unake *ubudlelwane*.
9. Umthetho wesishiyagalolunye ungukubuyiseleka kowesithathu. UNkulunkulu ufuna ubuqotho *ebudlelwaneni*. Ukuqamba amanga kuchitha imvelaphi yomunye walabo abasebudlelwaneni ngakho ichitha izindlela zokuxhumana.

10. Umthetho wokugcina uma ukhuluma ngoNkulunkulu, usikhumbuza ukuba ungumthombo wokuphila. Asizukuswela lutho uma sikholwa lokhu. Ubuye usitshele ngengqondo kaNkulunkulu ethanda okukaMoya, nokobudlelwane. Imiyalo 5-9 yonke ingavezwa ibonakaliswe, kodwa owokugcina wenzeka enhliziyweni. Awuna kubonwa. Ngakho lomthetho ubalulekile uma sizoqonda umthetho kaNkulunkulu.

Sesiyisonga, imithetho elishumi isitshela ukuba uNkulunkulu u:

1. Ngumthombo wokuphila
2. UnguMdali noMenzi
3. UnguMhlengu wethu
4. Ufuna *ubudlelwane* obokuxhumana ngezingqondo nezinhliziyo
5. Uyasikhathalela njengoBaba, nezidingo zethu zonke uyazibonelela.

Encwadini yakhe yakuqala uJohane usitshela ukuba uNkulunkulu uluthando, nokuba umthetho ongukubuyiseleka kwesimilo sakhe nawo uluthando:

> Lowo othi: ngiyamazi, engagcini imiyalo yakhe, ungumqambimanga, iqiniso alikho kuye; (5) kepha ogcina izwi lakhe, uthando likaNkulunkulu luphelelisiwe kuye impela. Ngalokho siyazi ukuthi sikuye; 1kaJohane 2:4-5

UJesu wayibeka ngalendlela:

> Njengalokho uBaba engithandile, nami nginithandile, hlalani othandweni lwami. (10) **Uma nigcina imiyalo yami, niyakuhlala othandweni lwami, njengalokho mina ngigcina imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.** (11) Nginitshelile lokho ukuba ukuthokoza kwami kube-kini, nokuthokoza kwenu kugcwale. (12) **Yilo umyalo wami wokuba nithandane, njengalokho nginithandile.** NgokukaJohane 15:9-12

UJesu yena:

- Akabanga nabanye onkulunkulu ngaphambi kukaBaba, ngoba ethanda uBaba wakhe
- Akakhuleki konkulunkulu abangasibo, noma enze izithombe ngoba emthanda uBaba

- Igama nesimilo sakhe akasithathi ngeze ngoba eveza isimilo sakhe ngokuphelele.
- Uthokozela ukuhlanganyela ndawonye noYise
- Ukhulisa ehloniphe uYise
- Akabulali ngoba ungukuphila nokuvuka
- Akaphingi, ngoba ubudlelwane obungekho semthethweni akabufuni nhlobo
- Akebi ngoba uthembela efeni alinikezwe alishiyelwa nguYise
- Akaqambi manga ngoba ukuqamba amanga kuchitha ubuqotho ebudlelwaneni
- Akafisi ngoba encika ekuboneleleni kukaYise.

Abantu abaningi angeke bekuphikise ngeyishiyagalolunye yalemithetho. Inkinga nomzabalazo kwiningi ivela emthethweni wesithupha - ungabulali. Sizothini ngezindaba ezifana noJoshuwa ehlangana nesikhulu sebandla likaJehova?

> Kwathi uJoshuwa esengaseJeriko, waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka, nanso indoda malungana naye enenkemba yayo ihoshiwe esandleni sayo; uJoshuwa waya kuyo, wathi kuyo: uvuma thina noma izitha zethu na? (14) yathi: qha, ngifikile njengesikhulu sebandla likaJehova. uJoshuwa wayesewa ngobuso emhlbathini, wakhuleka, wathi kuyo: ithini inkosi yami encekwini yayo na? uJoshuwa 5:13-14

Ngesikhathi uJoshuwa ebulala abahlali baseKhenane, kubonakala sengathi konke lokhu kwakuvumelana futhi kukhuthazwa yiNdodana kaNkulunkulu ekuyiyo eyavela phambi kukaJoshuwa waze waguqa wakhuleka kuyo. Izindaba ezinje ngokuchithwa kwekamu labaAsiriya kungavezwa njengobufakazi beNdodana kaNkulunkulu ibulala abantu ukwenzela esindise abayincosana abakhethiweyo.

> Kwathi ngalobobusuku kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labaseAsiriya abayizinkulungwane ezikhulu namashumi ayisishiyagalombili kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo. 2 Amakhosi 19:35

Sizokhuluma indaba yekamu labaAsiriya kwesinye isahluko. Iphuzu eliphambi kwethu ngelithi ngesikhathi eza emhlabeni uJesu waphila nathi akabulalanga muntu. Siqale lesi sahluko ngomcabango othi impilo kaJesu

Khrestu emhlabeni kuyisibonakaliso esigcwele sesimilo sikaYise. Njengalokhu etshele uFiliphu:

> uJesu wathi kuye: isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: sikhombise uYihlo, na? NgokukaJohane 14:9

UJesu watshela uFiliphu ukuba kubafundi, wayeyisambulo esiphelele sesimilo sikaYise. Kwenye yemikhuleko yakhe uJesu wathi:

> **Ngibonakalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni**; babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho. NgokukaJohane 17:6

EBhayibhileni *igama* lichaza *isimilo* kanti uJesu uveza ukuthi abafundi ubavezele isimilo sikaNkulunkulu – labo owabaphiwa kwabasezweni.

> **Ngikukhazimulisile emhlabeni**, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze. NgokukaJohane 17:4

UJesu ungubengezelo kwenkazimulo kaYise(KumaHeberu 1:3) kanti lenkazimulo noma isimilo usivezile emhlabeni. Lokhu kuchaza ukuthi impilo kaJesu esesemhlabeni ingukubonakaliswa okugcwele kwemithetho elishumi eyiplani yesimilo sikaNkulunkulu. Esesemhlabeni uJesu akabulalanga muntu kanti ukhuluma nangalokhu uma ethi ngiwugcinile umyalo kaBaba. Lobu bungufakazi obukhanyayo bokuthi uNkulunkulu akabulali bantu. Kulotshwe emthethweni kwabuye kwabonakaliswa yiNdodana yakhe isaselapha emhlabeni.

Enye yemithelela yaleliqiniso ingeyokuthi kwamele sizithande ngempela izitha zethu. Uma kukhona abantu okuthiwa babi emehlweni kaNkulunkulu ngendlela eyokuthi kwamele ebabulale, lokhu kuvumela abantu ithuba lokuthi behlulele labo abacabanga ukuthi belungelwe yikufa. Lokhu kwenzeka ukuba kungasadingeki ukuba sithande izitha zethu. Kunokwenza lokhu singavele sahlulele ukuba bangabantu ababi abazobhubhiswa nguNkulunkulu, noma mhlambe 'izinceku zakhe uNkulunkulu zimsebenzele ngokubachitha. Ngakho inkolo eyokuba uNkulunkulu ubulala abantu yithuluzi elisetshenziswa ngabantu uma bengafuni ukuthanda izitha zabo. UJesu uma echaza umthetho

kaNkulunkulu usicela ukuba sithande uNkulunkulu, sithande bonke abantu futhi.

> Bheka, kwase kusukuma isazimthetho esithile; samlinga sathi: mfundisi, ngizakwenzani ukuba ngidle ifa lokhuphila okuphakade na? (26) wathi kuso: kulotshweni emthethweni? Ufunda kanjani? (27) saphendula sathi: woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho, nomakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. (28) Wayesethi kuso: uphendule kahle; yenza lokho, uzakuphila. (29) kepha sona sithanda ukuzithetha sathi kuJesu: umakhelwane wami ngubani na? NgokukaLuka 10:25-29

Uma lesazimthetho siqondiswa ngokuba kwakumele sithande bonke omakhelwane, ngisho nalabo esasibazonda ngaleso sikhathi, wenza ukwenziwa yiningi labantu; ukuzama ukuletha inchazelo ehlukile kunaleyo ebekwayo. Igama ayedinga ukuba lichachiswe ngelithi *makhelwane*. Ngendlela efanayo iningi labantu ukwenzela begweme ukuqondiswa komthetho wesithupha bazama ukuchaza igama elithi *ukubulala*. Nanoma uJesu esivezela inchazelo yaleligama ngokuphila kwakhe kwasemhlabeni, kusasekhona abazama ukuguqula injongo yomthetho. Okulandelayo kuveza umqonda ofanayo:

> Kunamagama amabili esiHeberu (ratsakh, mut) namabili esiGerike (phoneuo, apokteino) achaza "ukubulala." Elinyelichaza "ukubula" elinye lisho "ukubulala umuntu." **Elokugcina yilo elikhuzwa ngumthetho olishumi**, **hhayi elokuqala.** Kahle kahle igama elithi ratsakh linenchazelo ebanzi ukudlula igama lokubulala umuntu lesiNgesi. Igama elithi Ratsakh likhuluma nangokubulala ngoba umuntu engaqapheli noma engahlosanga **kodwa alisetshenziswa ukuchaza ukubulala ngesikhathi sempi. Yingakho eminye imishiqilelo yeBhayibheli yamuva ibhala umyalo wesithupha njengokuthi "ungabulali umuntu" kunokuthi ethi "ungabulali."** Noma kunjalo, Kuvela izinkinga uma sibheka ukuba sisebenzisa isishiqilelo siphi. Isishiqilelo seKJV esisetshenziswa cishe umhlaba wonke ibhala lelivesi ngokuthi "Ungabulali," okuvulela isango ukuthi umuntu engahumushi noma eqonde kahle okushiwo ngumbhalo. **Uma inchazelo ka "Ungabulali" ibiyilokhu okushiwo yizwi – ungabulali – Ibizochaza ukuthi zonke izenzo ezazichitha igazi ezenziwa ngu-Israyeli ngoba uNkulunkulu eyalezile zazizophikisana zimelane**

> **nemiyalo kaNkulunkulu.** (Deuteronomy 20). Kodwa uNkulunkulu akayiphuli imithetho yakhe, **ngakho, kuyakhanya, ukuthi ivesi alikhulumi ngokuthathela omunye umuntu impilo**. https://www.gotquestions.org/you-shall-not-murder.html

Uma sibheka umbhalo ngokuqhaphela kuvezwa ukuba lokhu akusilo iqiniso. Okokuqala, enchazelweni umbhali uyavuma ukuba igama elithi *ratsach* okuyilo elihumushwa ukuthi "bulala" kwi-King James, aligcini ngokuchaza ukubulala kuphela, liphinde lichaza ukubulala kungengamabomu esikubiza manslaughter. Lokhu okusiyikho ukubulala.

> Kepha uma emgqula engazelele kungengabutha; noma emphonsa ngento engamqamekelanga, (23) noma ngetshe umuntu angafa ngalo, engamboni amphonsa ngalo aze afe, engeyiso isitha sakhe, ebengafuni futhi ukumona, (24) khona inhlangano iyakwahlulela phakathi koshayileyo nomphindiseli wegazi ngokwalezizahlulelo; (25) inhlangano imophele [H7523 Ratsach] umbulali esandleni somphindiseli wegazi, inhlangano imbuyisele emzini wakhe wokuphephela lapho ebebalekele khona, ahlale kuwo aze afe umpristi omkhulu owayegcotshiwe ngamafutha angcwele. uNumeri 35:22-25

> Ukuba umbulali [Ratsach H7523] abalekele khona, obulala umakhelwane wakhe kungengamabomu, ebekade angamzondi, wothi aphile uma ebalekela komunye waleyomizi: uDuteronomi 4:42

Okwesibili, uNkulunkulu wayaleza ukuba abantu ababulala kungengamabomu [*ratsach*] kwamele babhekane nokufanayo.

> Noma ubani obulala umuntu, umbulali [ratsachH7523] uyakubulalwa [ratsachH7523] ngemilomo yawofakazi; kepha ufakazi oyedwa akayikufakazela-muntu aze afe. uNumeri 35:30

Kuza kanjani ukuba uNkulunkulu eyaleze izinto ezikhuzwa yimithetho elishumi? Ngamafishane, uNkulunkulu wayengalayeza nanoma yiphi indlela yokubulawa embhalweni ngoba uNkulunkulu wayefuna ukuba abantu bethole ukuqonda ukuba bamelwe yikufa ukwenzele sebezibonile abenzele umusa; hhayi ukuba ebabulale. Sikhulume ngalokhu esahlukweni 9 – *Umthetho nje ngesibuko*.

Okwesithathu, igama elithi *muth* [H4191] embhalweni lisetshenziswa ukuchaza ukubulawa kwabantu isigungu. USawule wayefisa ukubulala uDavide ngokungekho emthethweni:

> USawule wakhuluma kuJonathani indodana yakhe nakuzo zonke izinceku zakhe ngokubulala uDavide. kepha uJonathani indodana kaSawule wamenamela kakhulu uDavide. (2) UJonathani wamtshela uDavide, wathi: uSawule ubaba ufuna ukukubulala; ngalokho ake uxwaye kusasa, uhlale esitha, ucashe; 1Samuweli 19:1-2

USawule wayalezela ngokungekho emthethweni ukubulawa kwabapristi:

> Inkosi yathi kuzo izigijimi ezazimi ngakuyo: sondelani, nibulale abapristi bakaJehova, ngokuba nesandla sabo sinaye uDavide nangokuba bazi ukuthi uDavide wabaleka, bengakwambulelanga kimi. Kepha izinceku zenkosi azivumanga ukwelula isandla sazo ukuba zisukele abapristi bakaJehova. (18) Inkosi yathi kuDowegi: sondela wena, usukele abapristi. uDowegi wabakwa-Edomi wasondela, wabasukela abapristi, wabulala [muthH4191] ngalolosuku abantu abangamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, abembethe ingubo yamahlombe yelileni. 1Samuweli 22:17-18

Ukubulalwa kuka Ishi-boshethi:

> Babengenile-ke endlini esalele embhedeni ekamelweni lakhe, bamgwaza, bambulala,[muthH4191] bamquma ikhanda, bathatha ikhanda lakhe, bahamba ngendlela yase-Araba ubusuku bonke. 2Samuweli 4:7

U-Abisalomu uyalezela ukubulawa komfowabo u-Amnoni ngokungekho emthethweni:

> uAbisalomu wayala izinceku zakhe ngokuthi: bheka, lapho inhliziyo ka-Amnoni ithokoza ngewayini nalapho ngithi kini: bulalani uAmnoni, nimbulale [muthH4191] ningesabi; angithi mina nginiyalile na? yimani isibindi, nibe-ngamaqhawe. 2Samuweli 13:28

U-Athaliya ubulala wonke amadodana wenkosi ngaphandle kukaJowashi:

> Kepha uJehosheba indodakazi yenkosi uJoramu, udadewabo ka-Ahaziya, wamthatha uJowashi indodana ka-Ahaziya, wameba phakathi kwamadodana enkosi abulawayo, [muthH4191] yena nomzanyana

> wakhe, ekamelweni lokulala; bamfihla ebusweni buka-Athaliya, waze wangabulawa. 2Amakhosi 11:2

Qhaphelisisa isishiqilelo se-*New King James*:

> Kepha uJehosheba, indodana yenkosi uJoramu, udadewabo ka-Ahaziya, wathatha uJowashi, indodana ka-Ahaziya. Wameba phakathi kwamadodana enkosi ayezobulawa, [muthH4191] wamfihla kanjalo ku-Athaliya ukuze angabulawa. 2Amakhosi 11:2(NKJV)

Okunye ukubulawa ngesigongu okusebenzisa igama elithi *muth* nesishiqilelo se-NIV:

> UPheka indodana kaRemaliya induna yakhe wamenzela ugobe, wamgenca [nakahH5221] eSamariya enqabeni yendlu yenkosi kanye noArigobi noAriye; wayenabantu bakwaGileyadi abangamashumi ayisihlanu; wambulala, [muthH4191] waba-yinkosi esikhundleni sakhe. 2Amakhosi 15:25 (KJV)

> Enye yezinduna, uPheka indodana kaRemaliya, yamenzela uzungu. Yathatha amadoda angamashumi ayisihlanu aseGileyadi, wambulala [nakahH5221] uPheka, kanye noArigobi no Ariye, enqabeni yendlu yenkosi eSamariya. wambulala [muthH4191] njalo waba yinkosi esikhundleni sakhe. 2AmaKhosi 15:25 (NIV)

Uma ukubulala okuchazwa ngesiGerike ngokuthi *muth* kusetshenziswa ukubulala umuntu ngokusemthethweni kungenzeka ukuba ababi noma abangamesabi uNkulunkulu bekwazi ukubulala umuntu bevunyelwa ngumthetho?

> Omubi uqaphela olungileyo, ufuna [muthH4191] ukumbulala. AmaHubo 37:32

> Ngokuba wayengakhumbuli ukwenza umusa, kepha wazingela umuntu odingayo nompofu nodabukile ngenhliziyo ukuba ebabulale [muthH4191]. (17) wathanda ukuthuka, kweza phezu kwakhe, wayengathokozi ngesibusiso, sahlala kude naye. AmaHubo 109:16-17

Kanjalo-ke igama elithi *muth* lingasetshenziswa ukuchaza ukubulala ngamabomu negama elithi *ratsach* lingasetshenziswa ukuchaza ukubulala kungasongamabomu. Lokhu kuphendula umbono othi *muth* kuchazwa

ukubulala okusemthethweni kanti *ratsach* ikhuluma ngokunye ukubulala okungekho emthethweni.

Okokugcina, kungakhathazeki ukuba sisebenzisa yiphi inchazelo, ukubulala okungekho emthethweni nalokho okugunyazwa ngumthetho kokubili kusetshenziswa amandla. Manje-ke, ingabe ukusetshenziswa kwamandla ukuphoxelela entweni thizeni kuyingxenye yombuso kaNkulunkulu yini? UJesu uchaza kahle entshumayelweni yasentabeni, nangezenzo zokuphila kwakhe zonke ukuba akawasebenzisi amandla ukuphoxela entweni.

> Kepha mina ngithi kini: ningamelani nokubi, kodwa uma umuntu ekumukula esihlathini sokunene, mphendulele nesinye. NgokukaMathewu 5:39

Ingabe umuntu uzofumana amagama athini uma ezothi eNkosini, "ngangilandela isibonelo sakho esiseTestemendeni elidala ngesikhathi ngibulala lomuntu owenza okubi." Ingabe kuzokushiwo kulomuntu ukuba, "walandela isibonelo esingasiso, lengxenye yeBhayibheli akusiyo okwakumele oyilandele wena." Ingabe uyabona ukuba kwenza izinto zibe lukhuni kakhulu? Kuyisikhathi manje sokubeka ukuphikisana ngezinchazelo ezihlukene zokubulala kude nathi, zife, kuyisikhathi sokuba sikholwe iqiniso elithi uma kuthiwa "ungabulali" kuchazwa ukuba akumele sithathe ukuphila ngezandla zethu.

Impilo kaJesu esesemhlabeni isivezela indlela ekumele siqonde umthetho othi "ungabulali." UJesu akabulalanga muntu. Imyalo elishumi ingumthetho wothando, kanti uthando alusebenzisi mandla ukuzivikela. Umthetho ngokwawo uyasitshela ukuba izoni zizojeziswa kanjani.

> …mina-Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo, uEksodusi 20:5

Abangamesabiyo uNkulunkulu nempela bazofa; bazojeziswa yimisebenzi yabo. Njengoba sesivezile ngaphambilini, lokhu kuzokwenzeka uma uSathane evunyelwa ukuphatha ukuphila kwabo ebachithe, noma umhlaba ngakwawo ubabuyisele izindlela zabo ezimbi nokwambuka kwabo.

Kuyisimanga ukwazi ukuthi uBaba wethu osezulwini ufana noJesu ngesikhathi esesemhlabeni! Kuyintokozo ukuqonda ukuba uJesu usivezele inchazelo ephelele yemithetho eyishumi, nokuthi "ungabulali" uchaza ukuthini. UJesu akabulalanga muntu, kanti lesi sibonelo siyindlela yethu kuphela esingafunda ukuthanda izitha zethu ngendlela asifundisa yona.

## 16. ISicebi no Lazaru Esibukweni

Umfanekiso wesichebi noLazaru ungubufakazi bokuba iningi lamaKhrestu acabanga ukuba uNkulunkulu uzohlupha eshise izoni eHayidese. Kubonakala sengathi kuchachile kanti nguJesu mathupha okhuluma lomfanekiso.

> Kwase kuthi wafa ompofu, wathwalwa yizingilosi, wasiwa esifubeni sika Abrahama; nesicebi safa, sembelwa. (23) sesiseHayidese saphakamisa amehlo aso, sisebuhlungwini, sambona u-Abrahama ekude, noLazaru esesifubeni sakhe. (24) samemeza sathi: Baba Abrahama, ngihawukele uthume uLazaru, agcobhoze ulimi lwami, **ngokuba ngiyahlushwa kulelilangabi**. (25) kepha uAbrahama wathi: ndodana, kumbula ukuba wamukela okuhle kwakho usesekhuphileni noLazaru kanjalo okubi: kodwa manje uyaduduzwa yena lapha, wena uyahlushwa . NgokukaLuka 16:22-25

Uma lendaba ihlanganiswa namanye amavesi eBhayibheli sesingafika emaphethelweni okuba uNkulunkulu abantu uzobahlupha ngekubashisa esihogweni ngokuya ngezinga lobubi babo.

> Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa umphefumulo nomzimba esihogweni. NgokukaMathewu 10:28

> Kepha uma isandla sakho sikukhubekisa, kumbe unyawo lwakho, kunqume,ukulahle, kungcono kuwe ukuba ungene ekuphileni uyingini noma unyonga kunokuba uphonswe emlilweni ophakade unezandla zombili. NgokukaMathewu 18:8

> Khona iyakuthini kwabangakwesokhohlo: dedani kimi nina-baqalekisiweyo, niye emlilweni ophakada olungiselwe uSathane nezingilosi zakhe. NgokukaMathewu 25:41

> Naye uyakuliphuza iwayini lolaka lukaNkulunkulu elilungisiwe esitsheni solaka lwake, lingaxutshiwe, ahlushwe ngomlilo nesibabule phambi kwezingilosi ezingcwele naphambi kweWudlu. (11) Nomusi wokuhlushwa kwabo uyenyuka kuze kube-phakade naphakade; abasenakuphumula imini nobusuku abakhuleka kuso isilo nomfanekiso waso nalowo owamukela uphawu lwegama laso. ISambulo 14:10-11

Lowo ozwa izwi likaNkulunkulu uzofunda lamavesi baqede ngokuthi uNkulunkulu uzojezisa izoni ngobuhlungu obungapheli nobungenakuchazwa. Umuntu ofunde izincwadi zevangeli ngokushiyana kwazo, wabhekisisa impilo ka Jesu uzosala nemibuzo eminingi ezomenza ukuba eshonise ikhuba eBhayibhelini ukufumana inchazelo yalamavesi.

Kulabo abanolaka ezinhliziyweni zabo maqondana nomunye umuntu bazofumana isaneliso kulamavesi ukwenzela bethole ilungelo lokuba nomoya wokuphindisela, ngoba uNkulunkulu engumuntu oziphindiselayo ezitheni zakhe. Ngaphezu kwalokhu, kulabo abazahlulela ngolunya, abacabanga ukuba bonile kakhulu futhi kwamele befele izono zabo bazokweneliseka ngamavesi anjengalawa. Kodwa kwamele sijulise ikhuba kunalokhu. Kunokuba bemukele intethelelo yezono zabo ephele evela kuNkulunkulu, nokuba bebone uthando lukaNkulunkulu, lamavesi abhalwe avezwa ukuveza inkolo ephakathi kwabantu yokuba uNkulunkulu unonya futhi uphatha ngendluzula. Abanjalo banikela ngemizimba yabo ukuba ishiswe babe bengena thando.

Enye yezizathu ezibalulekileyo zokuba iningi labantu lifunde lamavesi ngalendlela ingeyokuba singabantu sinesidingo sokuzitholela isisulelo. Lomkhuba waqala ngo-Adamu, ngesikhathi esola u-Eva ngesizathu sokuba kungani ethethe isithelo. Kuyisenzo esikhohlakeleyo sokuzama ukusulela icala komunye umuntu, ukwenzela thina sibe nokuthula nomunye umuntu noma nomphakathi wonke. Umpristi omkhulu wenza uKhrestu okufanayo.

> Aniqondi futhi ukuthi kunilungele ukuba umuntu oyedwa afele abantu, isizwe sonke singabhubhi. NgokukaJohane 11:50

Abaholi bakwa-Israyeli babebhekene nenkinga. Izono zabo zazidazululwa, kanti babedinga ukuphambukisa amehlo abantu emisebenzini kaKhrestu "engavunyele wumthetho." Ngakho bamveza njengomuntu owayemelene noMose, okumenza ebe ngumoni ofanele ukufa. Ezingqondweni zabaFarisi ezinesikhwele wayebuyisana okungokokuhlekisa; haayi ngendlela

yevangeli kodwa besebenzisa uPilato ukuba enze uKhrestu isisulelo sabo. Bazama ukuthulisa onembeza babo, hhayi ngokuvuma amacala abo, kodwa ngokuzama ukudlulisela amacala abo kuNkulunkulu, nokuveza uKhrestu njengomuntu oshayiwe nohlutshwe nguNkulunkulu.

Uma amaKhrestu evuka ngolaka olungcwele, befakaza emhlabeni ukuba uNkulunkulu uzosusa zonke izoni nokuvukela kwazo, singaba nesiqiniseko sokuthi kuzofana nangesikhathi uKhayifasi enza kuKhrestu. Kungukuthola ukulunga esizenzela khona ngokweneliseka esiba nakho ngesikhathi sibona abanye ababukeka bengekho ngcwele ukudlula thina behlushwa nokubulawa.

Ngesikhathi sikaKhrestu, lokhu kubuyiselana kwabaholi bamaJuda kwakusetshenziswa indoda eyayingenacala. Into efanayo siyithola yenzeka endabeni kaKayini nomfowabo u-Abele. U-Abele wayeyimpukane eyayihlupha unembeza kaKayini kanti ukunxusa kwakhe kwenza uKayini ezizwe engumoni omkhulu. Ukwenzela azitholele ukubuyiseleka uKayini wanikela ngomfowabo wambulala. Endabeni kaKhrestu, abaholi bamaJuda bathulisa iphimbo lalowo obehlupha onombeza babo, nangokubulala amasela amabili abawabona eyizoni ukudlula bona.

Iningi lamaKhrestu lithola ukubuyisana okungasikho okwangempela ngokwaneliseka ababanakho uma benolwazi lokuthi amasela, izigebengu nabo bonke abantu abakhohlakele bazoshiswa esihogweni uma bona bengena ngamasango ezulu. Basebenzisa lelojiki engasanga ukuthulisa onembeza babo uma beziqhathanisa namanye amakholwa. Umbono wokubuyiswana uphakathi kwesiphithiphithi sikaKhrestu ethatha amacala abo, kanti ngesinye isikhathi labo ababonakala bebabi ukudlula bonke abanye bemukeliswa isijeziso esicabanga ukuba sibalungele. Umlilo ongajwayeleki walelivangeli uthuliswa okungaphandle nje, uthulise unembeza ohlushwa yizono.

Uma sesiphindela endabeni yethu, iphuzu lokuqala ekumele silenze ngelokuthi uma sifunda iBhayibheli lilonke siyabona ukuba abantu abaphile uma befile futhi abazi lutho.

> Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa, kepha abafileyo abazilutho, futhi abasenawo umvuzo, ngokuba ukukhunjulwa kwabo, sekukhohlakele. UMshumayeli 9:5

Abafileyo abamndumisi uJehova, qha, noyedwa kwabehlelayo ekuthuleni. Amahubo 115:17

Njengamanzi anyamalele elwandle, nomfula oshileyo ome, (12) kanjalo umuntu ulala phansi, angabe **esavuka; lize lingabikho izulu abayikuvuka, bangaphaphanyiswa ebuthongweni babo**. uJobe 14:11-12

Kepha **usuku lweNkosi liyakufika njengesela mhla amazulu eyakudlula ngokuhlokoma;** kuyakusha konke, kubhidlike, nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha. 2 kaPetru 3:10

Ngokuba bheka, luyeza usuku, luvutha njengeziko; bonke abaziqhenyayo nabo bonke abenza okubi bayakubangamabibi; **luyakubashisa lolosuku oluzayo**, usho uJehova-sebawoti, lungabashiyeli-mpande nagatsha. (2) kepa kinina enilesaba igama lami kuyakuphuma ilanga lokulunga, linokuphilisa emaphikweni alo; niyakuphuma, nitshekule njengamathole esibaya. (3) niyakunyathela phansi ababi, ngokuba bayakuba-luthuli phansi kwamathe **ezinyawozenu ngosuku engilwenzayo, usho uJehova-sebawoti**. uMalaki 4:1-3

Ngokuba njengalokho niphuzile entabeni yami engcwele, **bayakuphuza kanjalo bonke abezizwe, baphuze, bagwinye, babe-njengokungathi abazange babe-khona,** uObadiya 1:16

Madoda, bazalwane, ake ngikhulume kini ngokusobala ngokhokho uDavide ukuthi wafa, nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi nanamuhla. (34) ngokuba uDavide akenyukelanga ezulwini, kepha yena uthi: iNkosi yathi eNkosini yami: hlala ngakwesokunene sami, (35) ngize ngibeke izitha zakho zibeyisinabelo sezinyawo zakho. Izenzo 2:29,34-35

Azesule inyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba-khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba-khona; ngokuba okokuqala kudlulile. ISambulo 21:4

IBhayibheli lifundisa ukuba ekufeni abantu abayi esihogweni noma ezulwini. Balinda emathuneni kuze kudlule amazulu ngokuhlokoma lapho eka2 Petru 3:10 isitshela kuzokwenzeka uma uKhrestu eza. Kuza kanjani ukuba uJesu efundise indaba ekubukeka sengathi iphikisana nombhalo?

Njengoba singacabanga, lendaba eyakhulunywa nguJesu kwakungumbono owawusezingqondweni zamaJuda, bewufunde kumaGerike eminyakeni engangekhulunyaka edlule.

> U-Alan F. Johnson no-Robert E. Webber bachaza ukuba "kungconywana ukubona lendatshana hhayi njengeveza imnniningwane ngempilo ngale kwethuna, kodwa nje ngeveza olunye uhlangothi kunalolo olujwayelekileyo ngempilo ngale kwethuna." Edward William Fudge,*The Fire that Consumes*, page 149.

> "Indaba yona ithwele izenanelo ezikhanyayo zenganekwane ezijwayelekileyo, kodwa uJesu uyayiphendula ayenze ntsha futhi ngedlela engajwayekelanga." N.T Wright, *Jesus and the Victory of God*, page 255.

Leli yiphuzu elibaluleke kakhulu ekumele siliqonde. UJesu usebenzisa izindatshana ezijwayelekileyo, ezikholelwa ngabamlaleleyo, enenhloso yokubafundisa iqiniso elibaluleke kakhulu.

> UGeldenhuys uphetha ngokuthi uJesu "wakhuluma lomfanekiso hhayi ukwanelisa usikisiki lokwazi kwethu ngempilo ngalena kwethuna kodwa ukugcizelela ngokukhanyayo ukuphuthuma kwempilo ngapha kwethuna." Edward William Fudge, *The Fire that Consumes*, page 149.

Njengoba sesikhulumile kusahluko 9, uKhrestu usebenzisa isibuko ukubuyisela umuntu imicabango yakhe. Wenza lokhu ukuze akhulume nomuntu ngolimi lwakhe nolimi alizwayo, nokuba ehlolisise okusenhliziyweni zabo. Kumuntu owenza okushiwo ngumbhalo, oholwa nguMoya uzobona inchazelo yangempela yamazwi kaJesu kodwa umuntu osenyameni uzobona imicabango yakhe igcwaliseka. Njengoba uJesu washo kuNikodemu:

> uNikodemu waphendula, wathi kuye: lokhu kungenzeka kanjani na? (10) uJesu waphendula, wathi kuye: wena ungumfundisi kaIsrayeli, awukwazi lokho na? (11) Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Sikhuluma esikwaziyo, sifakaza ngesikubonileyo; kepha anibamukeli ubufakazi bethu. (12) Nxa nginitshelile okomhlaba, kanakholwa; ningakholwa kanjani, uma nginitshela okwasezulwini na? ngokukaJohane 3:9-12

Isibuko esisetshenziswa nguJesu encwadini kaJohane siya sibanzima ukuqonda ukufikela umuntu aze evume ukuba ukucabanga kwakhe kuphambukile noma ejike ehambe esuke kuJesu.

| Ivesi | Amazwana |
|---|---|
| Johane 2:19-21 uJesu waphendula, wathi kubo: bhidlizani lelithempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu. (20) Ngakho bathi abaJuda: lelithempeli kwaba-yiminyaka engamashumi amane nesithupha lakhiwa, wena-ke uzakulivusa ngezinsuku ezintathu na? (21) Kepha wayekhuluma ngethempeli lomzimba wakhe. | UJesu wayekhuluma ngomzimba wakhe, ithempile eliphilayo kodwa bona baqonda ukuba ukhuluma ngesakhiwo. |
| Johane 3:3-4 uJesu waphendula, wathi kuye: ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu. (4) uNikodemu wathi kuye: umuntu angazalwa kanjani esemdala na? angangena ngekwesibili esiswini sikanina, azalwe, na? | UJesu ukhuluma ngokuzalwa ngokomoya kodwa uNikodemu ucabanga ukhuluma ngokuzalwa komuntu enyameni. |
| Johane 4:13-15 waphendula uJesu, wathi kuye: yilowo nalowo ophuza lawamanzi uyakubuye ome; (14) kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika ona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, pakathi kwakhe ayakuba-ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube-ngukuphila okuphakade. (15) Owesifazane wathi kuye: Nkosi, ngiphe lawomanzi, ukuba ngingomi, ngingabe ngiseza ukukha lapha. | UJesu ukhuluma ngamanzi kamoya kodwa owesifazane ucabanga ngamanzi aphuzwayo. |

| | |
|---|---|
| Johane 5:17-18 Kepha wabaphendula wathi: uBaba usebenza kuze kube-manje, nami ngiyasebenza. (18) Ngalokho-ke abaJuda kwayikhona befuna kakhulu ukumbulalala, ngokuba wayengaphulile iSabatha kuphela, kodwa wabuye wathi uNkulunkulu unguYise, ezenza olingana noNkulunkulu. | UJesu ukhuluma ngomsebenzi okamoya, kodwa abaJuda bacabanga ukhuluma ngomsebenzi ophathekayo. Babambelela ekuqondeni okuphambene okubavumela ukuba bedelele uJesu befise nokumbulalala. |
| Johane 6:51-52,60, 66 Mina ngiyisinkwa esiphilayo esehla ezulwini. Uma umuntu edla lesisinkwa, uyakuphila phakade; futhi-ke isinkwa engizakusinikela ngenxa yokuphila kwezwe siyinyama yami. (52) Base bephikisana bodwa abaJuda, bethi: lo angasinika kanjani inyama yakhe, siyidle, na?... (60) Ngakho-ke abaningi kubafundi bakhe bekuzwa lokho bathi: lilukhuni lelizwi; ngubani ongalizwa na?... (66) Ngemva kwalokho abaningi babafundi bakhe babuyela emuva, ababe besahamba naye. | UJesu ukhuluma ngesinkwa nesiphuzo sikamoya kanti lapho iningi liphenduka libuyela emuva ngokuqonda ababenakho. |

Lokwenza engcwadini kaJohane iveza ukuqhubeka kokusetshenziswa kwesibuko okwakukhona emsebenzini kaJesu. Sibona inkulumo kaJesu kuJohane 6 igqizelela ukudla inyama kaJesu nokuphuza igazi lakhe. UJesu wayechaze isifanekiselo ayesisebenzisa kuJohane 6:35. Wayebanxusa ukuza kuye, bedle izwi lakhe ukwenelisa indlala yabo ezintweni zikamoya; ukuba bekholwe kuye njengothumiweyo nguNkulunkulu ukuqeda ukoma ababenako, bamukeleke phambi kukaNkulunkulu. Ukwenqaba kwabantu ukulalela akushoyo kwabenza ukuba bemdele. Lokwenza kuveza ngokugcwele okwakusezinhliziyweni zabo ezingaphendukanga. Iveza ukuba bakhetha ukungamngqondi ukwenzela babenelungelo lokuthi kungani bemenqaba, bachithe bonke ubufakazi obuveziwe obutshengisa ukuba wayenguMesiya.

Endabeni yesibuko sikaJesu ekaLazaru nesicebi, ijule ukudlula ukuqonda ukuba ukhuluma ngokwasenyameni noma emoyeni. UJesu usebenzisa imibono ekholwa ngabantu ukwenzela ebafundise into ebalulekileyo. AbaJuda bamcela isibonakaliso segunya lakhe. Izinhliziyo zabo babezenza lukhuni. Isimo sasibucwayi ngangokuthi kwakumele uJesu ebachazele ingozi ababebhekene nayo. Wakhuluma nabo ngendatshana ababezoyiqonda. Kanjalo wababuyisela imicabango yabo. Lokhu kwakudingeka ngexa yezinhliziyo zabo ababezenza lukhuni.

Labo namuhlanje abafunda le ndatshana benokholo lokuba izitha zabo nalabo abacabanga ukuba yizigebengu kwamele bahlushwe ngesibubule bazothola isizathu esibavumela ukuba nenzondo kwabanye. Abanye bazobuza – UJesu ukwenzelani lokhu? Kungani esho izinto ezingangaqondeki kalulana?

Umsebenzi wokuqala wevangeli ungowokuqondisa abantu izono zabo. Lokhu kuqonda kwesono ngesikhathi esiningi uveza sobala okusenhliziyweni. Luka 8:17, Marku 4:22, Luka 12:2. Lena yinjongo yesibiko somthetho ongcwele, ngoba sonke sinezono esingazicaphelanga, esingazivumi, esizifihlayo, noma esingaqondi umsebenzi wazo ngokugcwele. Ukwambulwa kwesono ezingqondweni zabantu kubiza imizamo yokuhlakanipha kukaNkulunkulu ephelele.

> Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga nangokwahlulela. ngokukaJohane 16:8

> Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu ungowabo. (4) babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa. ngokukaMathewu 5:3-4

> Kepha siyazi ukuthi lokhu okushoyo umthetho ukukhuluma kubo abasemthethweni ukuba yonke imilomo ivinjwe, izwe lonke libe-necala kuNkulunkulu. KwabaseRoma 3:19

Siyakhumbula indatshana kamama womKhanani owacela ukuba uJesu esindise indodakazi yakhe. Ukuthula kwakhe kwasekuqaleni kwakusebenza njengesibuko sokuveza isimo sengqondo ezilimele

zabafundi maqondana nabezizwe. Isibuko sikaNkulunkulu sibuyisela imicabango yethu nembangi yokwenza izinto esizenzayo. UKhrestu njengeZwi likaNkulunkulu ukhuluma nathi ngendlela eqabuka nehlukanisa izizindlo nezifiso zethu.

> Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. KumaHeberu 4:12

Uma abantu besebenzisa amanye amazwi kaJesu ukufakaza ukuba uNkulunkulu uzwisa abantu ubuhlungu, eshise abantu bephila, empeleni kuvezwa abakucabangayo ngaye. Uma amanye amazwi elethwa ukukhombisa ukuba uKhrestu akanandluzula nodlame nokuba akabulali bantu, nokuthi ufana nqo noYise, sizithola endaweni lapho kwamele sikhethe khona.

Ngesikhathi owesifazane ezwa uJesu ethi “akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjeni,” kwakumele enze ukhetho ngaso leso sikhathi. Wayezothatha impendulo kaJesu njengesizathu ayezomenqaba ngaso? Noma wayezobambelela kukho konke ayekufundile ngesimilo sakhe, ekholwa ukuba wayezomsiza? Lona ngumsebenzi ongcwele wevengeli wokusiholela ekwenzeni isinqumo ngesimilo sikaYise.

Isithelo esivela ekufundeni iBhayibheli nokuba nenkambo noJesu akukho kuphikisana phakathi kolwazi abanalo namava ababanawo kubafundi abaqinisileyo nabazithobile ababambelela ngokholo ukuthola izimpendulo, nanoma kunezimfundiso ezindala ezinezinkulungwane zeminyaka zikholwa ngabantu. Uma ngifunda indatshana yesicebi esihogweni noJesu okhuluma ngoNkulunkulu ochitha umzimba nomphefumulo kokubini esihogweni, ngenza isinqumo sokuletha ukubuyiswana nokuvumelana kulamavesi, namanye athi ubothanda izitha zakho, nokuthi ungabulali. Sesikhulume ngokufa kwabangamesabi uNkulunkulu emuva, kodwa manje asibhekeni amavesi akhuluma ngoNkulunkulu maqondana nomlilo.

> Kwabonakala kuye ingelosi **kaJehova elangabini lomlilo livela phakathi kwesihlahla**, wabuka, bheka, isihlahla savutha umlilo, kepha isihlahla asiphelanga nokho. UEksodusi 3:2

> Ukubonakala **kwenkazimulo kaJehova** kwakunjengomlilo oqedayo esiqongweni sentaba emehlweni abantwana bakaIsrayeli. UEksodusi 24:17

> Bheka, **igama likaJehova livela kude,** livutha ngolaka lwakhe, linzima ngamafu; izindebe zakhe zigcwele intukuthelo, **nolimi lwakhe lunjengomlilo oqothulayo:** UIsaya 30:27

> Izoni zaseSiyoni ziyesaba, ukuthuthumela kubambile abangenaNkulunkulu. **Ngubani phakathi kwethu ongahlala nomlilo oqothulayo;** ngubani phakathi kwethu ongahlala nokunkemezela okuphakade na? (15) **Yena ohamba ngokulunga, okhuluma ngobuqotho,** odelela inzuzo yokucindezela, othintitha izandla zakhe ukuze angamukeli imivuzo, ovala izindlebe zakhe ukuze angezwa ngegazi, ocimeza amehlo akhe ukuze angaboni okubi. UIsaya 33:14-15

> Ngokuba **uNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo**. KumaHeberu 12:29

> Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokoma kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona ayagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. (3) kwase **kubonakala kubo izilimi ezahlukaneyo kungathi ezomlilo; zahlala phezu kwalowo nalowo kubo.** (4) **base begcwala bonke uMoya ongcwele,** baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela. Izenzo 2:2-4

> Kepha uma isitha sakho silambile, siphe sidle; uma somole, siphuzise, ngokuba ngokwenza lokho **uyakube ufumbela amalahle avuthayo ekhanda laso.** kwabaseRoma 12:20

Ngosuku lwePentekosti abafundi bakaJesu babembhethe umlilo kaMoya kaNkulunkulu. Babevutha ngomlilo kodwa bengaqedwa njengesihlahla esabonwa nguMose. Umbuzo obuzwa ku 33:14 ku-Isaya: ngubani phakathi kwethu ongahlala nokunkemuzela okuphakade? Ngabangcwele abazovutha ingunaphakade othandweni lukaNkulunkulu. Uma uthando lukaNkulunkulu luvezwa ngokuphelele ekupheleni kwesikhathi, uma

abangamesabi uNkulunkulu bebona abenzele khona, nemizamo yakhe yonke yokubasindisa, icala nehlazo lokunqaba nokumdelela kwabo lizoba njengamalahle omlilo phezu kwamakhanda abo. Kungububi babo obuzobapitsha – hhayi izandla zikaNkulunkulu. Umlilo uluthando olungena mina, kanti uma loluthando luvezwa ludala ukuzilahla komuntu nobuhlungu obujulileyo. Ingabe isizathu esenza uNkulunkulu akwazi ukuchitha inyama nomphefumulo kokubili esihogweni singesokuthi unothando olungaka, unomusa nokuthi uyanaka yini?

> Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa nomphefumulo nomzimba esihogweni. (29) akuthengwa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? kepha awuyikuwa phansi namunye kuyo ngaphandle kukaYihlo. (30) kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu. (31) ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi. ngokukaMathawu 10:28-31

Ivesi 28 uma sibheka nokushiwo kuvesi 29-31 akubonakali ngathi ihlangene. Ekuqaleni uJesu usitshela ukuba kwamele simesabe okwazi ukuchitha kokubini umphefumulo nomzimba esihogweni, ubeseqhubeka esitshela ngokuthi uYise umnene kangakanani nokuthi singesabi. Uma uNkulunkulu enguye ohlupha abantu esihogweni, esebenzisa umlilo wangempela ukuncibilikisa imizimba yabo, usengasho njani kuvesi 31 ukuthi "singesabi" ngaphandle kokuba nokuphikisana?

UJesu usebenzisa uvesi-28 ukuveza imicabango yabantu esibukweni. Ubuyisela imicabango yethu yemvelo ngoNkulunkulu. Kumuntu ofundayo ogcwele isono nobubi, kwamele esabe vele uma ebona indlela isimilo sakhe sehlukane nesikaNkulunkulu, nendlela ahlupha uKhrestu ngobugovu bakhe.

> Uma inkanuko isithathile, ibeletha isono; sesiphelelisiwe sizala ukufa. ekaJakobe 1:15

> Okubi kuyakumbulala omubi; abazonda olungileyo bayakulahlwa ngecala. aMahubo 34:21

Kuyisono esizala ukufa – hhayi uNkulunkulu. Ngesikhathi kusa ezingqondeni indlela uBaba wethu osezulwini asikhathalela ngayo, ukuthi izinwele ezise makhanda ethu zibaliwe, nokuthi imizwilili inakekelwa nguye, nendlela acabanga ngathi ngothanda ngaso sonke isikhathi, yilapho sizovele siphele. Ukuqonda lokhu ngokugcwele kuzodala ukuzisola okukhulu kusoni ngendlela eyokuthi uzovele azifele. Ngalendlela kuphela uMathewu 10:28 no-Mathewu 10:29-31 benza umqondo uma beqhathaniswa.

Ngesinye isikhathi umqondo othi ngoba nguNkulunkulu oveza isimilo sakhe, nokuba uyazi ukuthi ukwenza lokhu kuzobulala izoni noma abangamesabi, lokhu kuchaza ukuthi nguye onecala lokubulala lababantu. Iqiniso lokuthi uvele aziveze limenza abengumbulali. Uma lokhu kwenza umqondo nalokhu kungenza umqondo: udokotela oceliwa ukuba ecishe umshini ophilisa umuntu kuthiwa lodokotela nguyena umbulali, noma ethwaliswe icala lokubulala. Ukwenzela ukuba uluntu lube nenhlanganyelo noNkulunkulu, kakhulukazi kuze kube ephakadeni, uNkulunkulu kwamele eziveze njengoba ayikho. Sizokhumbula futhi ukuba ekupheleni kwesikhathi izoni zizungeza umuzi iJerusalema elisha befise ukuwuthatha, okuchaza ukuthi njengoba besondlela kuwo lomuzi bagcwele ngomona, ukubulala nokweba ezinhliziyweni zabo.

> Zase zikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba; zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqenda. iSambulo 20:9

Uma ubugovu bomuntu buhlangabezana nothando lukaNkulunkulu olungena 'mina,' ukuzisola nokuzilahla kupintsha abangamesabi uNkulunkulu kubabulale.

Ngaso sonke isikhathi uma sifunda iBhayibheli, isibuko sisuka siphambi kwethu. Kusibuyisela indlela esicabanga ngayo, bese sisale nokukhetha okuhlezi ingunaphakade.

> Kohlanzekileyo uyazibonakalisa uhlanzekile; koyisigwegwe uyazibonakalisa unenkani. amaHubo 18:26 (NLT)

Ngesikhathi ingelosi Ibiza u-Abrahamu, imkhuza ukuba engathathi impilo yendodana yakhe u-Isaka njengomnikelo, u-Abrahamu wayenokukhetha okwakumele akwenze, ingabe wayezoguqula isithombe ayenaso ngoNkulunkulu? Izwi lokuba ebulale indodana yakhe kwakungukubuyiseleka kwemicabango yakhe, kanti kwakubonakala sengathi wayelindwe kukufa umfana. Sonke sesifike esigabeni lapho kwamele sinqume. Kwangathi singezwa amazwi athi *ungabeki isandla sakho kumfana,* kuse nakithi ukuthi uNkulunkulu akasomlobi wokufa. “umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono akawubizanga.” amaHubo 40:6.

Manje sizothi injongo kaJesu ngokubatshela lendatshana kwakuyiphi? Siyifumana emaphethelweni.

> Kepha wathi kuso: uma bengalaleli uMose nabaprofethi, kabayikuvunyiswa, noma kuvuka umuntu kwabafileyo. ngokukaLuka 16:31

UKhrestu wayeveza ukubaluleka kwezinqumo esizenza sisangapha kwethuna, nokuba kwamele silalelisise umbhalo kaMose nabaprofethi uma senza lezi zinqumo.

# 17. Izingelosi Ezishayayo

Izingelosi zikaNkulunkulu zadlala indima enkulu kakhulu empilweni kaJesu esesemhlabeni. Ingelosi uGabriyeli wamemezela kuMariya ukuba ungokhethiweyo ukuzala uMesiya. Izingelosi zahlabelela ukumamukela ekuzalweni kwakhe. Ngesikhathi esibucwayi kakhulu engekalengi emthini ingelosi yeza ukuzomnika amandla amasha. NgokukaLuka 22:43. Ingelosi yathunyelwa nguYise ukubiza uJesu ethuneni, kanti ezimbili zamemezela kubafundi ababedangele ukuba wayevusiwe kwabafileyo. Izingelosi zazibaluleke kakhulu emsebenzini kaJesu, kanti yonke imisebenzi yazo yayincike esimilweni sikaKhrestu ngoba siyafunda ukuba:

> uNathaniyeli wamphendula wathi: Rabi, uyiNdodana kaNkulunkulu, uyiNkosi kaIsrayeli. (50) uJesu waphendula, wathi kuye: ukholwa ngokuba ngithe kuwe ngakubona uphansi komkhiwane na? uzakubona okukhulu kunalokho. (51) Wathi kuye: ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: nizakubona izulu livuliwe, nezingelosi zikaNkulunkulu zenyuka, zehla phezu kweNdodana yomuntu. ngokukaJohane 1:49-51

Umsebenzi wezingelosi uphethwa esimilweni nasemsebenzini kaKhrestu ngoba konke abakwenzayo kuncike eNdodaneni yomuntu. Lithi iBhayibheli:

> Azisibo yini zonke omoya bokukhonza abathunyelwe ukukhonza ngenxa yabayakudla ifa lokusindiswa na? kumaHeberu 1:14

Izingelosi zikaNkulunkulu zithokozela ukusebenzela uYise kanye neNkosi yethu uJesu. Zithanda ukusebenza ukusivikela nokusikhuthaza.

> Ingelosi kaJehova iyamisa nxazonke kubo abamesabayo, ibakhulule. amaHubo 34:7

Zigcwele ngoMoya kaNkulunkulu, zicula indumiso kuNkulunkulu neNdodana yakhe.

> Ngase ngibona, ngezwa izwi lezingelosi ezining zihaqe isihlalo sobukhosi, nezidalwa, namalunga, nomumo wazo wawuyizigidi zezigidi nezinkulungwane zezinkulungwane, (12) zithi ngezwi elikhulu: lifanele iWundlu elihlatshwayo ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nesibusiso. ISambulo 5:11-12

Izingelosi zinokuthatheka okukhulu ngevangeli necebo losundiso.

> Abambulelwe ukuba bangazikhonzi bona kepha nina ngalezozinto enishunyayezwa zona manje ngabanishumayeza ivangeli ngoMoya oNgcwele othunywe evela ezulwini, izinto ezizifisayo izingelosi ukuzibona. 1 kaPetru 1:12

Kuyintokozo kuzo ukuletha ukuthula emhlabeni nentokozo kubantu.

> Masinyane kwaba-khona kanye nengelosi uquqaba lwebandla lasezulwini, lumndumisa uNkulunkulu, luthi: (14) udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, nokuthula emhlabeni kubantu abathokozelwa nguye. ngokukaLuka 2:13-14

Zinamandla amakhulu noNkulunkulu ziyamlalela futhi zigcina nemyalo yakhe.

> Bongani uJehova nina-zingelosi zakhe, nina-maqhawe anamandla enenza okwezwi lakhe nilalela ukukhuluma kwezi lakhe. amaHubo 103:20

UNkulunkulu uyaleza ukuba izingelosi zakhe ezingcwele zisivikele kuSathane nezithunywa zakhe ezimbi njengoba sitholile kusahluko 11 ngolaka lukaNkulunkulu. Njengoba izingelosi ezingcwele zigcwele ngoMoya kaKhrestu, zigcina imiyalo kaBaba. Nanoma izingelosi ezingcwele zingabulali abantu, zisebenzisa amandla azo ukuvimba imimoya emibi nokuchitha izinto ezingaphiliyo. Kunamanye amavesi asho okuhlukile, kanti kulesi sahluko sifisa ukubheka wona. Uma ungacwaninga ngaleligama elithi *ingelosi* noku-*shaya* embhalweni uzothola izindatshana ezine eBhayibhelini lapho kushiwo lamagama.

1. Numeri 22. UBhileyamu nembongolo. UBhileyamu wayishaya imbongolo eyabona ingelosi.
2. 2 Samuweli 24. UDavide ebala u-Israyeli nabantu abayizi-70,000 bebulawa yingelosi kaJehova.
3. 2 amaKhosi 19:35 no-Isaya 37:36. Ikamu labase Asiriya namadoda abayizi-185,000 abulawa yingelosi kaJehova.
4. IZenzo 12:24. Ingelosi yeNkosi yashaya uHerode ngenxa yesono sakhe.

Endatshaneni yakuqala ingelosi ayishayanga muntu kodwa nguBhiyelamu owashaya imbongolo ngemva kokuba ime yesaba ingelosi. Ingelosi yayimi phambi kukaBhileyamu ngenkemba.

> Imbongolo yabona ingelosi kaJehova imi endleleni, inenkemba yayo ehoshiweyo esandleni sayo; imbongolo yachezuka endleleni, yaya ensimini, kepha uBhileyamu wayishaya imbongolo ukuyibuyisela endlelene. uNumeri 22:23

Ukuma okusongelayo kwengelosi ngenkemba yayo esandleni kwenza isiphakamiso sokuba yayizimisele ukulimaza uBhileyamu kanti nemicabango yakhe ibukeka sengathi isekelwa luhlu lwezindatshana izingaphezulu.

Endatshaneni elandelayo, uDavide ufuna ukubala abantu bakhe njengesenzo sokuziqhenya nokubeka u-Israyeli nezinye izizwe ezinkulu; umphumela walokhu waba wukufa kwabantu bakwa-Israyeli abayizi 70,000.

> Intukuthelo kaJehova yabuye yavuthela uIsrayeli, wamvusa uDavide ngabo ngokuthi: hamba ubale uIsrayeli noJuda. 2Samuweli 24:1

> uJehova wayesethuma isifo phezu kuka-Israyeli kusukela ekuseni kuze kubesesikhathini esinqunyiweyo; kwafa abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa kusukela kwaDani kuze kube-seBerisheba. (16) Lapho ingelosi yelula isandla sayokulo iJerusalema ukulichitha; uJehova wazisola ngalobobubi, wathi engelosini eyachitha abantu: sekwanele; buyisa isandla sakho ingelosi kaJehova yayisesibuyeni sika-Arawuna umJebusi. 2Samuweli 24:15-16

Ngokufunda kokuqala kwalendatshana sithola isiphakamiso sento ethusayo. Ngokuziqhenya, inkosi ibala abantu bese uNkulunkulu kubonakala sengathi uthumela ingelosi ukubulala abantu abayizi 70,000 bese ezisole ngobubi obenzekile bese evimbe kungasabulawa abantu abangaphezulu. Okumangalisa nangaphezulu u2Samuweli 24:1 kubonakala sengathi uthi uNkulunkulu nguye owenza ukuba uDavide ebale u-Israyeli okwenza isiphakamiso sokuthi yena uqobolwakhe nguye onesibopho necala salokho okwayenzeka. Kuwo wonke umuntu okholelwa ukuba “uNkulunkulu uluthando,” umbuzo kwamele ubuzwe “yini eqhubekayo kulendatshana?” Uzokhumbula ukuba kusahluko 9 sibukile

ukuthi umthetho usebenza njani njengesibuko emphefumlweni yethu, kanti lezi zindatshana ngezingelosi ezishayayo ziletha isivivinyo esiphelele ukuhlola ukuba sizofunda imbhalo ngezibuko zesimilo sikaJesu noma sizodlulisela izimilo zemvelo yethu ewile kuNkulunkulu sicabange ukuba uzifanela nathi.

Nanoma indatshana elandelayo ngokubhidlizwa kwekamu labase-Asiriya igoqelela ukubulawa kwabantu abaningi, kungconwana ukuphila nayo ngoba lesizwe sasingabantu abakhohlakele kakhulu emhlabeni beyisitha sikaNkulunkulu befuna ukubulala abantu bakaNkulunkulu. Abantu base-Asiriya baziwa ngokuwobula noma ukuhlinza abantu bephila noma bebalengisa abantu ezikhonkwaneni zensimbi. Ukuziphatha ngendluzula engaka maqondana nabalandeli bakaNkulunkulu kunganqoba kwiningi labantu ukusetshenziswa kwendluzula nobudlova yizingelosi zikaNkulunkulu.

> Kwathi ngalobobusuku kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngokusasa, bhekha, kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo. 2amaKhosi 19:35

Uma sifunda lomusho ngaphezulu sithola isiphakamiso sokuthi ingelosi kaJehova yabulala abayizi-185,000 bama-Asiriya. Kwenza umgqondo ukuthi uma abantu besongela ukubulala abantu bakaNkulunkulu kushokhona ukuba lamasosha kwamele ebulawe ngenxa yamacebo abo. Indatshana yokugcina ohluni lwethu ingekhuluma ngoHerode. Kuzwakala sengathi yimbangi okwakumele ibulawe uma sibheka imisebenzi yakhe.

> Ngosuku olumisiweyo uHerode wembatha ingubo yobukhosi, wahlala esihlalweni, wakhuluma kubantu. (22) Abantu bamemeza bathi: yizwi likaNkulunkulu, akusilo elomuntu. (23) Kepha ingelosi yeNkosi yamshaya khona-lapho, ngokuba enganikanga uNkulunkulu udumo; wadliwa yizimpethu, wafa. Izenzo 12:21-23

UHerode wayebulale uJakobe umfowabo kaJohane, esehlela ukubulala uPetru. Kuyakhanya ukuba yingelosi elungile eyashaya uHerode. Kuyakhanya futhi nokuba lesi kwakuyisijeziso noma ukushaywa kokubuyisela. Ukubuyisela kungukuphindisela kwemisebenzi eyenziwe. Singalingeka ukuyeka ucwaningo lwethu lapha sinqume ngokuthi nembala kunokwenzeka ukuba uNkulunkulu ethume ezithunywa zakhe ukuba

zibulale abangamesabi. Nanoma indatshana yokuqala inezinkinga, ezimbili ezilandelayo ezaba-Asiyira noHerode kubonakala sengathi zicacile, kanti ebantwini abaningi abafisi nokucabanga ngokuqhubeka ngokubuza.

Kulencwadi silethe umbono wokuthi zonke izindatshana esifunda ngazo eBhayibhelini kwamele sizifunde ngezibuko zempilo kaKhrestu. Uma umuntu engathathi lesisinqumo kuyakhanya ukuba bazovele beyeke ucwaningo lwabo lana, bephethe ngokuthi izingelosi ezingcwele zikaNkulunkulu zibulala abantu.

Kusahluko sesibini salencwadi siveze imithetho kaWilliam Miller ebiza ukuba sithathe yonke imibhalo ekhuluma ngento ethile ngaphambi kokuba senze isiphetho sethu. Kuyasikhuthaza ukuba sijulise ikhuba lethu uma sifunda silethe ukuvumelana amavesini abonakala sengathi ayaphikisana. Kubalulekile ukuba siqhaphele ukuthi ngesikhathi uJesu esemhlabeni asitshelwa ngezingelosi ezabulala abantu. Ingabe lokhu sizothini ngakho maqondana nezindatshana zezingelosi ezibulalayo? Asiqaleni ngendatshana lapho u-Davide ebala u-Israyeli. Ingabe ivesi elilandelayo silifunda kanjani? UNkulunkulu wamvusa kanjani uDavide ukuba ebale u-Israyeli na?

> Intukuthelo kaJehova yabuye yavuthela u-Israyeli, wamvusa uDavide ngabo ngokuthi: hamba ubale u-Israyeli noJuda. 2Samuweli 24:1

Uma siqhathanisa lokhu nelinye ivesi elikhuluma ngendaba efanayo, sifunda lokhu:

> USathane wema ukulwa no-Israyeli, wavusa uDavide ukuba ebale u-Israyeli. 1 Kronike 21:1

Uma sizofunda uSamuweli wesibili *kuphela* bese sizifundele ivesi njengalokhu libhaliwe, kwamele sivume ukuba uNkulunkulu wavusa uDavide ukuba enze lokhu ukwenzela ukuba kubulawe abanntwana bakwa-Israyeli abayizi 70,000. Ingabe lokhu akusinxusi yini ukuba sibuze ukuthi lombono ungena kanjani kuNkulunkulu ozibiza ukuba yena uluthando?

Uma sifuna izimpendulo zombuzo esiwuthola ku 1 iziKronike 21:1 oveza ukuba uSathane wavunyelwa ukuba elinge uDavide ukubala u-Israyeli. Siyanxuswa ukuba silethe ukuvumelana phakathi kwalamavesi omabili.

Ingabe siphetha ngokuthi uNkulunkulu no Sathane balekelelana ukuze belethe ukubhubha kuka-Israyeli? Siphinde futhi siyanxuswa ukuba sijulise ikhuba ukuthola isixazululo. Lokhu kuhlolisisa izinhliziyo zabantu ukubona uma bekholwa ngempela ukuba uNkulunkulu unguYise onothando noma ungumahlululeli ongena zwelo ononya. Kulabo ababona umusa emehlweni kaJehova bazoqhubeka befunda baze bethole ukuvumelana kwalamavesi, abanye bavele bezikholwele lokhu kuphikisana bethi uNkulunkulu unothando nanoma enza lezizinto.

Emuva kwa-Israyeli, kwavela isicelo sokuba nenkosi njengezinye izizwe. U-Israyeli wayefisa ukuba nje ngawo wonke umuntu.

> Athi kuye: bheka, usumdala, amadodana akho awahambi ngezindlela zakho; sibekele inkosi ukuba isahlulele njengezizwe zonke. 1Samuweli 8:5

Lesicelo siveza isifiso sokuba yisizwe esikhulu. Kanti ngesikhathi esifanayo lesicelo kwakungukwaliwa nokulahlwa kukaNkulunkulu.

> uJehova wathi kuSamuweli: lalela izwi labantu kukho konke abakushoyo kuwe, ngokuba akusuwe abakulahlileyo, kepha balahle mina ukuze ngingabi yiNkosi phezu kwabo. 1Samuweli 8:7

Umqondo wonke wokudinga inkosi kwakungukwenqaba ubuholi bukaNkulunkulu. Nanoma uSawule waqala kahle njengenkosi yakwa-Israyeli, ubuthakathaka bakhe bavela sobala, kanti izifiso zesizwe sakwa-Israyeli akaziqhubekiselanga phambili. Ngakolunye uhlangothi, uDavide wanqoba zonke izitha zakwa-Israyeli, kanti ngaphansi kobuholi bakhe isizwe sathuthuka sakhula kakhulu. USathane walinga uDavide ukuba eqhathanise impumelelo ka-Israyeli eyangaleso sikhathi naleyo yesikhathi esidlulile ukuba ezishaye isifuba. UJehova wathumela umyalezo emncenga ngomholi wamabutho uJowabe Israel. UJehova wavumela ukuba lokhu kwenzeke, wanganqabeli ukuba uSathane emlinge uDavide. Ukwehluleka kwakhe kwabangela ukuba kube nesifo esawela phezu kuka-Israyeli.

> UJehova wayesethuma[H5414] isifo phezu kuka-Israyeli kusukela ekuseni kuze kubesesikhathini esinqunyiweyo; kwafa abantu abayizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa kusukela kwaDani kuze kube-seBeri-Sheba. 2Samuweli 24:15

Igama lesiHeberu elichaza *ukuthuma* lingu *nathan* okuchaza *ukunikela nokuyekelela* ngesinye isikhathi. Qaphelisisa ivesi elilandelayo maqondana nesivumelwano sikaNkulunkulu.

> Ngiyakunehlisela inkemba yempindiselo eyakuphindisela isivumelwano sami; senibuthelwe emzini yenu, ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe[H5414] esandleni sesitha. uLevitikusi 26:25

Lana igama elithi *nathan* lihumushwe laba nguku -*nikelwa*. Qaphelisisa ingxenye yokugcina yevesi. Esihumushweni wesingesi igama elithi *and* lengeziwe, kanti besingafunda ngalendlela:

> ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe[H5414] esandleni sesitha.

Lokhu kuchaza ukuba uma kuza isifo, kungenxa yokuthi sebenikelwe esandleni sesitha.

> Lowo ohlala emphemeni woPhezukonke akhosele emthunzini kaSomandla (2) Uyothi kuJehova: uyisiphephelo sami nenqaba yami noNkulunkulu wami engethembele kuye. (3) **Ngokuba nguYena oyokuhlenga ogibeni lomcuphi nasobhadaneni olubhubhisayo.** amaHubo 91:1-3

KunguSathane owachitha laba bantu. Uma lokhu kungasikho okwenzeka kuchaza ukuba uNkulunkulu wavumela uSathane ukuba elinge uDavide ukwenzela u-Israyeli engine esonweni, uma eqeda ukwenza lokho waphenduka waphohloza abantu abayizi 70,000. Kodwa uma sihambe nalombono kwamele sazi ukuba unenkinga. USathane wema, waphumelela ukulinga uDavide ngoba wayengasasebenzi ngokwentando kaNkulunkulu. Ngesikhathi uDavide evuma ukuhlulwa yilesi silingo, uSathane wabanelungelo lokuphatha u-Israyeli nangaphezulu, wasebenzisa ithuba lakhe ukuletha izifo kubo. Kodwa lokhu akuchazi ingxenye ethi ingelosi yashaya yabulala u-Israyeli.

> Lapho ingelosi yelula [H7971 yakhulula] isandla sayo kulo iJerusalema ukulichitha, uJehova wazisola ngalobobubi, wathi engelosini eyachitha [H7483 eyadedela, eyakhulula] abantu: sekwanele; buyisela isandla sakho. Ingelosi kaJehova yayisesibuyeni sika-Arawuna umJemusi. (17) UDavide wathi kuJehova, lapho eyibona ingelosi eyayibabulala abantu: Bheka, mina ngonile, ngenzile okubi; kepha lezizimvu zenzeni na?

> isandla sakho masibe-phezu kwami naphezu kwendlu kababa. 2Samuweli 24:16-17

USathane ungumenzi owaletha isifo, pho iyini lenkemba ethwalwe yingelosi kaJehova phezu kwalo iJerusalema? Ingabe iNdodana kaNkulunkulu yona isibenzisa nhloboni lwenkemba?

> Futhi wayephethe izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni sakhe sokunene, nasemlonyeni wakhe kwaphuma inkemba ebukhali esikanhlangothi zombili, nobuso bakhe bunjengelanga likhanya ngamandla alo. (17) Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesebeka isandla sakhe sokunene phezukwami, ethi: ungesabi, mina ngingowukuqala nowokugcina. iSambulo 1:16-17

Sibona indlela umphostoli uJohane ephendula ngayo uma ebona ubuso beNdodana kaNkulunkulu nenkemba eyavela emlonyeni wakhe. Iyini lenkemba na?

> Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisaka-nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. kumaHeberu 4:12

Kulabo bantu abayizi 70,000 ababhekana nolaka lwengelosi yokubhubhisa, uMoya kaNkulunkulu weza kubo ngokuqondiswa kwesono okukulileyo ukwenzela benikizwe ukuphenduka uma bekucela. Umsebenzi walokhu kuqondisa okujulileyo uyaphuthuma ngoba uma benqaba ukulalela umsebenzi nomyalezo kaMoya bazozithola bengavikelekanga, bebhekane noSathane umbhubhisi. Njengabantu ababekhona kuhlanzwa ithempeli, baphuma bebaleka ebukhoneni bakhe. Endatshaneni yabayizi-70,000 babaleka ebukhoneni bukaJesu, bebalekela ezingalweni zikaSathane uqobo, owayebalindele ukubachitha ngesifo. Babengaphenduka ezonweni zabo, bacela ukuba uNkulunkulu ebathethelele, kodwa babaleka bephuma ebukhoneni bakhe, kantu ukufa kwakungumphumela.

Lendlela ingefana naleyo uNkulunkulu ayethe uzokwenza abantu baseKhanani ngayo.

> Ngiyakuthuma ukwesabeka kwami phambi kwakho, ngibasanganise bonke abantu ozakufika kubo, ngenze ukuba zonke izitha zakho

zikufulathele. (28) ngiyakuthuma iminyovu phambi kwakho eyakuxosha amaHivi, namaKhanani, namaHeti phambi kwakho. Eksodusi 23:27-28

Ngokuthuma ukwesaba, uJehova usuka eqondisa ngesono okudala uvalo kwabangamesabi uNkulunkulu. Iminyovu ingameva ahlabayo wonembeza oshisayo ngenxa yamacala. Lemeva ibenza bephume ebukhoneni bukaNkulunkulu ngokwenza lokhu bezilahlele ezandleni zesitha. Kodwa uma babengaphenduka beza njengezingane ezincane babengasindiswa. Akusuye wonke umuntu owabaleka ethempelini kodwa bonke bakuzwa ukushisa kwenkemba.

Ngakho siyabona endatshaneni yokubalwa kuka-Israyeli, ukuba ngemizamo yokufinyelela labo ababewela esandleni sikaSathane, uMoya kaNkulunkulu weza kubo, ufisa ukuhlanza izono ezazise nhliziyweni yabo ukwenzela besindiswe. Ngesikhathi benqaba, uJesu wakhuluma amazwi adabukisayo athi "indlu yakhe isele ingena muntu." Igama lesiHeberu elithi *inkemba* libuye lichaze ukuthi *isomiso* kanti uma umuntu enqaba uKhrestu ngokuphelele, uyaphoxeka ukubashiya esandleni sikaSathane ngoba phela benqaba ukuba engene.

Uzoqonda futhi ukuba uSathane wayelawula izinhliziyo zalaba bantu. UKhrestu wayefuna ithuba lokugcina lokubafinyelela. Kanti uSathane wayezimisele ukuba engalahlekelwa yinyamazane ayefuna ukuyidla, uma inhliziyo yomuntu yenqaba ukuba uKhrestu engine, uSathane wahlosa ukuqinisekisa ukuba lemiphefumulo ngeyakhe ngokuthatha ukuphila kwayo kunokuba ethathe ingozi yokuba bephile bethole ukuphenduka ezonweni zabo. Asazi imnningwane yendaba kodwa izimiso azikhonzima ukuqonda.

Abanye bangamelana nami bethi, "uguqula okukhulunywa yiBhaiyibheli." IBhayibheli lisebenzisa igama elithi *nkemba* kanti kwamele silithathe njengoba libhaliwe. Okokuqala, kwakuyisifo esabulala abantu. Ababulawanga ngenkemba ephathekayo eyengelosi. Okwesibili, kwamele silethe konke esingakwazi ukukuletha ngaphambi kokuba senze isiphetho. Qaphelisisa umthetho oweshumi nanye okaWilliam Miller maqondana nalokhu.

Sazinjani uma igama noma ivesi elisetshenzisiwe lingumfanekiso. Uma lenza umqondo ngendlela elilotshwe ngayo, *ingenzi indluzulula emthethweni*

> *olula wemvelo,* kwamele siwuqonda njengoba ubhaliwe, hhayi njengomfanekiso.

Njengoba abantu befa ngenxa yesifo, inkemba okukhulunywa ngayo isesandleni sengelosi kwamele ibe nenye injongo. Ezindaweni eziningi eBhayibhelini siyatshelwa ngenkemba esetshenziswa nguJesu, leyo nkemba iyilizwi likaNkulunkulu. Sesichaze indlela ingelosi ishaye abantu ngenkemba kodwa babulawa ngesifo. Ingelosi kaJehova yabashaya kanjani? Inkemba kwakuyizwi lika Nkulunkulu elaliqondisa abantu ngezono zabo. Banqaba ukuba "umina" efe ngalenkemba ngakho uMoya kaNkulunkulu wabashiya umbhubhisi wayesethatha izimpilo zabo. Manje sithini ngekamu labase-Asiriya ayizi 185,000?

> Kwathi ngalobobusuku kwaphuma ingelosi kaJehova, yabulala ekamu labaseAsiriya abayinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nanhlanu; sekuvukwa ngakusasa, bheka, kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo. 2 amaKhosi 19:35

Qaphelisisa ukuba lithi ingelosi kaJehova yabashaya kanti sekuvukwa ngakusasa kwatholakala izidumbu zodwa. Ayisho ukuba ingelosi kaJehova yabashaya ngezikhali zodlame nangamandla ezadala ukuba befe ngaleso sikhathi. Uma siphindela eTestemendeni elisha sithola okunye okuthathekisa kakhulu.

> Bheka, kwaba-khona ukuzamazama komhlaba okukhulu, ngokuba ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yeza yagingqa itshe, yahlala phezu kwalo. (3) Ukubonakala kwayo kwakunjengonyazi, nesambatho sayo sasimhlophe njengongqoqwane. (4) Kepha abalindi bathuthumela ngokuyesaba, baba-njengabafileyo. ngokukaMathewu 28:2-4

Ukubonakala nje kwengilosi kwadala ukuba amadoda athuthumele abenjengabafileyo. Lokhu kwenzeka naku madoda ayemesaba uJehova anje ngoDaniyeli noJohane.

> Mina-Daniyeli kuphela ngawubona umbono, ngokuba abantu ababenami abawubonanga umbono, kepha behlelwa ngukuthuthumela okukhulu, babaleka ukuba bacashe. (8) Ngashiywa ngedwa; ngawubona lombono omkhulu, akusalanga-mandla kimi, ngokuba ubuhle bami baphenduka ukonakala kimi, angaba-namandla. uDaniyeli 10:7-8

> Ngathi ukumbona, ngawa nasezinyaweni zakhe njengofileyo; wayesebeka isandla sakhe ethi: Ungesabi mina ngingowokuqala nowokugcina. iSambulo 1:17

Endabeni kaJohane, kwakunguJesu owavela kuye embonweni. Imvelo engcwele nemsulwa yezingelosi idalula imvelo yomuntu ewile ngendlela efana nekaJesu noYise. Kusahluko 10 sibukile okwenzekayo uma singena ebukhoneni bukaNkulunkulu:

> **Ngiyakusondela kini ukwahlulela,** ngibe-ngufakazi osheshayo ngabalumbi, nangeziphingi, nangabafunga amanga nangabacindezela abaqashwa ngenkokhelo yabo, nabafelokazi, bengangesabi mina, usho uJehova-sebawoti. uMalaki 3:5

Imicabango yethu yemvelo uma sifunda lelivesi ingethi uNkulunkulu olwakeni lwakhe uzobhubhisa bonke abangamesabi. Futhi izwi lika Nkulunkulu lisebenza njengesibuko. Lithi ivesi "ngiyakusondela kini ngokwahlulela." UBaba wethu ufisa ukusondela eduze nathi ethethe nathi maqondana nezono zethu. Ukuza ebukhoneni bomuntu ongazicabangeli nonothando njengalona kusishiya nokukhetha phakathi kokubili, ukuba siphenduke noma siphume sibalekela lokhu kukhanya. Akwenzeki ukuba umuntu ehlale engenzi lutho ebukhoneni bukaNkulunkulu. Labo ababambelela ezonweni zabo babaleke nezimpilo zabo noma nalokho abacabanga yizimpilo zabo, kodwa baveza ukuba empeleni bathanda ukufa nokubalekela ukuphila.

Imvelo yezingelosi imsulwa ngangokuthi ngokuvela kwazo nje, kufika uvalo ezinhliziyweni zabantu ezibenza bangasabe namandla babenjengabafileyo. Uma siqhubeka ngokufunda indaba kaDaniyeli sahluko 10, siyabona ukuba uDaniyeli kwakumele eqiniswe ukuze ekwazi ukuma ebukhoneni bengelosi engcwele.

> Ngase ngizwa izwi lamazwi akhe; lapho ngizwa izwi lamazwi akhe,ngase ngilele ubuthongo obukhulu, ubuso bami bubheke phansi. (10) **Bheka-ke, kwangithinta isandla, sangimisa ukuba ngitotobe ngamadolo ami nangezintende zezandla zami**. (11) Wathi kimi: Daniyeli, wena-muntu othandekayo, qonda amzwi engiwakhulumayo kuwe; ume nokuma, ngokuba ngiyhunywe kuwe; lapho esekhulumile lelizwi kimi, **ngema ngithuthumela**. (12) Wayesethi kimi: **Ungesabi, Daniyeli**, ngokuba kusukela osukwini lokuqala owabeka ngalo inhliziyo yakho

> ukuqonda nokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho amazwi akho ezwiwa; mina ngifikile ngenxa yamazwi akho… (15) Esekhulumile kimi lawomazwi, ngabhekisa ubuso bami phansi. (16) Bheka, onesimo samadoda abantu wathinta izindebe zami; ngase ngiwuvula umlomo wami, ngakhuluma, ngathi komi phambi kwami: Nkosi yami, ngenxa yombono imihelo ingehlele, angisenamandla. (17) Inceku enje yenkosi yami ingakhuluma kanjani nenkosi yami enje na? Ngokuba mina, khona-lapho akusalanga-mandla kimi, nokuphefumula bekungasekho kimi. (18) Wabuye wangithinta obonakala njengomuntu, wangiqinisa. (19) Wathi: **Ungesabi, muntu othandekayo; ukuthula makubekuwe; qina, yebo, mawuqine. Lapho ekhuluma kimi, ngaqiniswa,** ngathi: Mayikhulume inkosi yami, ngokuba unqinisile. UDaniyeli 10:9-12,15-19

Ingelosi kwakumele iqinisekise uDaniyeli ukuba wayengothandekayo kabili, nokuba kwakungekho sidingo sokuba esabe ebenovalo. Empilweni kaDaniyeli asitshelwa ngesono asenza kodwa nakwindoda emsulwa nelungileyo simthola ephendula ngalendlela ebukhoneni bengelosi engcwele. Ingelosi ibingamfiseli okubi yamqinisekisa ngothando lukaNkulunkulu maqondana naye kodwa noma kunjalo uDaniyela wathuthumela waqhaqhazela ngokwesaba wasala engasenamandla; lokhu kwakungemva kwamaviki omthandazo nokuzila. Uma lawa angamava endoda elungileyo singacabanga kuzokwenzekani kwindoda embi. Uma uDaniyeli wayengaqhubeka ebhekane nengelosi ngaphandle kokuqiniswa, kungenzeka wayezofa naye nanoma ingelosi yayinenhloso enhle neyothando kuphela kuye.

Umbuzo okumele siwuphendule ngothi uvalo lukaDaniyeli lwadalwa yini na, okwabangela ukuba engasaba namandla? Kwakuyimvelo yakhe yesono ixhumana ihlangana nokulunga kwengelosi kaNkulunkulu. Isimilo nenkazimulo emsulwa nethandayo ekaNkulunkulu ingumlilo odlayo kubantu abayizoni.

> Ukubonakala kwenkazimulo kaJehova kwakunjengomlilo oqedayo esiqongweni sentaba emehleni abantwana baka-Israyeli. uEksodusi 24:17

Ingabe ikamu labase-Asiriya lafa ngenxa yovalo lokubona ingelosi? Kungenzeka yini. Ingabe amasosha aquleka ngobukhona bengelosi ngovalo, uSathane wavela wathatha ukuphila kwabo njengoba

bengaqiniswanga muntu? Asitshelwa. Esikutshelwa kungukuthi amasosha ahlangabezana nengelosi, kwathi ngakusasa kuvukwa kwatholwa izidumbu. Uma ufunda lendaba ngezibuko zesimilo sikaJesu uzokwazi ukuba ingelosi yayingahlosanga ukubabulala. Ngesikhathi uJesu ehlanza ithempile, abantu babaleka ngenxa yovalo kodwa noma ngubani wayengakwazi ukuphenduka ecele ukuba ethethelelwe. Ebukhoneni bengelosi, amasosha abanethuba lokuqonda ukujula kwezinhliziyo zabo. Kungenzeka ukuthi ingelosi yabaqondisa izono zabo ibakhuthaza ukuba bephenduke ikwazi ukubasindisa kodwa benqaba kanjalo bashiywa emseni kaSathane. Asikwazi ukukusho ngaphandle kokungabaza kodwa esikwaziyo izingelosi zikaJehova zigcwele ngesimilo sikaJesu kanti uJesu akabulalanga muntu.

Siyazi ukuba ekuzeni kukaKhrestu kwesibili ababi bazobhujiswa yinkazimulo yokuza kwakhe. Lokhu kusho isambulo sesimilo sikaKhrestu esidala ubuhlungu nokudabuka obukhulu kumoni. Ukuhlushwa kuza ngoba isoni senqaba ukuphenduka. Izinhliziyo zabo ziphela amandla ngenxa yokwesaba. Inchazelo yaleso sikhathi ilotshwe encwadini kaEsdrase yesibili kwi-Apocrypha.

> Kodwa ngabona emlonyeni wakhe kuvela isivunguvungu selangabi, ezindebeni zomlomo wakhe umphefumulo ovuthayo, olwimini lwakhe kuvela inhlansi nesiphepho. (11) Kwakuxubene ndawonye, isivunguvungu selangabi, umphefumulo ovuthayo, nesiphepho esikhulu; zawa ngendluzulula phezu kwesixuku ebesingenakubalwa-muntu esasilungele ukulwa, sashiswa sonke, sabhujiswa sangasena kubonwa, kwasala uthuli nephunga lentuthu; uma ngikubona lokhu ngafikelwa luvalo nokwesaba. 2Esdras 13:10-11
>
> Ngicela ungitshengise inchazelo yaleliphupho. 2Esdras 13:15
>
> kwisixuku ebesingenakubalwa-muntu sizobuthaniswa ndawonye, njengalokhu ubonile, sifuna ukuza sizomnqoba ngokulwa. (35) Kodwa uzokuma phezu kwentaba iSiyoni. (36) ISiyoni izakuza, izakuboniswa bonke abantu, seyakhwe yalungiselwa, njengoba ubone itshe laqheshulwa entabeni kungengazandla. (37) Kanti lona oyiNdodana yami uzokhuza amacebo amabi alezo zizwe, eziwelwa yisphepho ngenxa yezimpilo zazo ezimbi; (38) Izakubeka phambi kwazo imicabango yazo emibi, kanti ubuhlungu nokuhlushwa ezizakuhlushwa,

okwakunjengelangabi; uzobhubhisa ngaphandle kokusebenza ngomthetho ofana nqo nami. 2Esdras 13:34-38

Ukushaywa kwabase-Asiriya yingelosi kaJehova kuveza ukuba yiZwi likaNkulunkulu eliqondisa abantu ezonweni zabo. Kwawela phezu kwabo njengesphepho, kanti ukunqaba ukuphenduka kwabo kwabadalela ubuhlungu obukhulu.

Abantu bashiswa ngokushiswa okukhulu, kepha bahlambalaza igama likaNkulunkulu onamandla phezu kwalezizinhlupho, kodwa abaphendukanga ukuba bamdumise. (10) Eyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo; nombuso waso wenziwa-mnyama, baluma izilimi zabo ngenxa yobuhlungu. (11) Futhi bahlambalaza uNkulunkulu wezulu ngenxa yobuhlungu babo nange nxa yezilonda zabo; kepha abaphendukanga emisebedzi yabo. iSambulo 16:9-11

"Babhujiswa ngaphandle komsebenzi ngomthetho" oyipulani nesisekelo sesimilo sikaNkulunkulu. Ingabe umlilo ofanayo awudlanga amadodana ka-Aroni omabili oNadabi no-Abihu ngesikhathi beletha umlilo ongafanele ethempelini? Nanoma umlilo kaJehova wabadla wabaqeda bafa phambi kukaJehova, bathwalelwa ngaphandle kwekamu bembethe amabhantshi abo.

Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, wabaqeda, bafa phambi kukaJehova. (3) UMose wayesithi kuAroni: yikho uJehova akukhuluma, athi: kubo abaseduze nami ngiyakungcweliswa, phambi kwabantu bonke ngiyakukhazimuliswa. uAroni wathula. (4) UMose wabiza uMishayeli moElisafani amadodana kaUziyeli, uyisekazi kaAroni, wathi kubo: sondelani, nibasuse abafowenu ngaphambi kwendlu engcwele, nibakhiphele ngaphandle kwekamu. (5) **Base besondela, babasusa bembethe amabhantshi abo, babakhiphela ngaphandle kwekanu,** njengalokhu eshilo uMose. uLevitikusi 10:2-5

Enye into enza ukuba sazi ukuba ukushaywa okukhulunywa lapha kungukuqondiswa ngesono sikubona ngegama elisetshenziswa ngendlela elandelayo:

Kwathi ngasemuva **uDavide wahlabeka enhliziyweni**, [H5221] ngokuba wayesikile umphetho wengubo kaSawule.1Samuweli 24:5

> **uDavide wahlabeka enhliziyweni** [H5221] emva kokuba esebabalile abantu, uDavide wathi kuJehova: ngonile kakhulu ngalokho engikwenzileyo; kepha manje, Jehova mawuthethele ububi benceku yakho, ngokuba ngintumazele kakhulu.2Samuweli 24:10

Yigama elifanayo esilithola ku 2 Amakhosi 19:35

> Kwathi ngalobobusuku kwaphuma ingelosi kaJehova, **yabulala ekamu**[H5221] labase-Asiriya abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, sekuvukwa ngakusasa, Bheka, kwakuyizidumbu zodwa ezifileyo. 2Amakhosi 19:35

Kuhlu lwethu indatshana yokugcina esinayo ngekaHerode nokufa kwakhe.

> Kepha ingelosi yeNkosi yamshaya khona-lapho ngokuba enganikanga uNkulunkulu udumo, wadliwa yizimpethu, wafa. Izenzo 12:23

Esibonelweni sethu esingaphezulu, lendatshana ilulana ukuchaza. UHerode weqa umthetho wophula isivumelwano esingunaphakade. Izwi likaNkulunkulu lamqondisa ngesono sakhe ngendlela ejulile ukwenzela limenze ephenduke. Lokhu kuqondiswa kwabangela ubuhlungu obubulalayo noma umunyu enqondweni yakhe kepha wenqaba ukuphenduka. Lokwenqaba kwavulela uSathane ithuba lokumbulala uma ngesifo. UHerode wanikelwa esandleni sesitha ngoba ephule isivumelwano.

> Ngiyakunehlisa inkemba yempindiselo eyakuphindiselwa isivumelwano sami; senibuthelwe emizini yenu, **ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, ninikelwe esandleni sesitha.** Levitikusi 26:25

UKhrestu waletha kuHerode inkemba yezwi lakhe. UHerode wenqaba ukuphenduka ngakho “wanikelwa esandleni sesitha” esaletha isifo phezu kwakhe. Ingabe umehluko phakathi kukaHerode no Petru? UPetru ehamba ngamandla wePentekosti wayenonembeza omsulwa, uHerodi wayengenawo. UPetru wayegcinwe etilongweni ngenxa yokushumayela igama likaJesu, elindele ukubulawa. Ngesikhathi ingelosi ivusa uPetru wayengena valo ebukhoneni balengelosi. UHerode waba namava ahluke kakhulu kunalawa. Kuye laduma.

> Baba, khazimulisa igama lakho, kwase kufika izwi livela ezulwini, lithi: Ngilikhazimulisile, ngobuye ngilikhazimulise. (29) **Ngakho abantu**

**ababemi bezwa bathi: Beliduma; abanye bathi: Ingelosi ikhulumile kuye**. NgokukaJohane 12:28-29

Ukushaywa okwakungaba yizwi nephimbo elingcinyane kwaba nje ngokuduma kwezulu kuHerode washaywa luvalo kwaze kwaba sekufeni. Izingelosi azinanhloso yokubulala abantu; ziyazi ububi babantu obuvezwa wubungcwele bazo bungenza umuntu efe nanoma zona zingahlosanga ukwenza njalo. Izingelosi zihlala zihambahamba phakathi kwabantu zibavikela ebukhoneni bazo obugcwele. Isimanga somusa wazo kithi!

Siyabona ukuba izingelosi ezishaya abantu befe kwenzeka uma izwi liqondisa abantu ezonweni zabo. Ubuhlungu nokucindezeleka kwasengqondweni kuza ngesikhathi bezibona ububi babo. Ukubakhona kwesifo kuveza ukuba uMoya kaNkulunkulu ususiwe nokubs umbhubhisi wenza umsebenzi wakhe, uNkulunkulu eyeka ukuvikela labo abanqaba ukuphenduka. Kuyisono esijezisa esinye isono. Izingelosi zikaNkulunkulu zigcwele ngoMoya kaJesu. Zigcina umthetho kaNkulunkulu kanti aziphathi nkemba ebambekayo. Zinamandla eZwini likaNkulunkulu, zigcwele nokulunga kukaJesu. Uthando lwazo, ubungcwele bazo nokuba msulwa kwazo ziletha uvalo kwizoni ngenxa yobubi bazo, ziletha uvalo enhliziyweni yabangamesabi uNkulunkulu. Ubungcwele bazo bungamandla azo, kodwa ngesikhathi esifanayo zikwazi ukubamba imimoya yomubi.

Ngakho-ke izingelosi ezingcwele zinamandla amangalisayo. Uma ziyalezwa ukuba zikhulule ingalo zazo, zishiye umsebenzi wazo wokuvikela, zivumela amandla onke akaSathane ukuba ekhululwe. Nanoma zingafisi ukwenza lokhu, zizokwenza uma ziyalwa. Kanti lokhu kwenzeka kuphela uma umuntu enqaba ukulalela isixwayiso sikaNkulunkulu ephikelela ngokuphula imithetho kaNkulunkulu. Ngemva kweminyaka emide yokubekezela nanoma uhluhswa uMoya kaNkulunkulu ekugcineni uyayekelela uvumele ukuba isoni sibenenkosi esizikhethela yona.

Sibusiseke kangakani thina ukuba nokuvikeleka kwezingelosi nangokuholwa yizo. Ngesinye isikhathi ziveza ubukhona bazo ukukhuza abantu emsebenzini yabo emibi, kodwa amadoda azimisele ukulandela indlela yesono akhetha ukufa ngovalo kunokuthi ephenduke esindiswe. Inhliziyo yoluntu ikholhakele ngalendlela. Akukho okumele sikwesabe ngezingelosi zikaNkulunkulu, akuna kwenzeka ukuba zona zingabavikeli

bethu zingaphenduka ababulali bethu, zihlezi njalo zehla zenyuka phuzu kweNdodana yomuntu ongazange wabulala muntu.

# 18. Imisho Esobala

Ngaphambi kokuba siqhubeke sibheka ezinye izibonelo eBhayibhelini ezibonakala sengathi uNkulunkulu ubulala abantu, kwamele sivakashele ezinye zizimiso esizimisile ezahlukweni ezidlulile.

Kulula kakhulu ukuthatha izingxenye ezithile zeBhayibheli sizibeke ndawonye ukuveza into eyokuchitha iqiniso lokuthi nempela uNkulunkulu uvame uthando, umnene nomusa. Sengike ngatshelwa ukuba, "wena uthi uNkulunkulu akabulali kodwa iBhayibheli liveza sobala ukuthi uyakwenza." Ngizonikeza uhlu lwamavesi asetshenziswa nje ngofakazi lwalokhu. Uma uwabeka ndawonye kubonakala sengathi enza icala eliqine kakhulu kwiningi labantu.

> uJehova wathi: Abantu engibadalileyo ngizakubachitha ebusweni bomhlaba, yebo, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu, ngokuba ngiyazisola ukuthi ngibenzile. uGenesise 6:7

> Khona uJehova wanisa phezu kweSodoma naphezu kweGomora isibabule nomlilo, kuvela kuJehova ezulwini. uGenesise 19:24

> uEri izibulo likaJuda wayemubi emehlweni kaJehova; uJehova wambulala. uGenesise 38:7 (NKJV)

> kwaba-kubi emehlweni kaJehova lokho akwenzileyo; wambulala naye futhi. uGenesise 38:10(NKJV)

> kwathi uFaro evuma kalukhuni ukuba sihambe, uJehova wabulala amazibulo onke asezweni laseGibithe, amazibulo abantu namazibulo ezinkomo, ngalokho ngiyahlabela uJehova konke okuvula isizalo okungamaduna; kepha onke amazibulo amadodana ami ngiyawahlenga. uEksodusi 13:15(NKJV)

> wayesithi uJehova kuMose: Yelula isandla sakho phezu kolwandle ukuba ukuba amanzi abuyele phezu kwabaseGibithe phezu kwezinqola zabo nabamahashi babo. (27) UMose wayeselula isandla sakhe phezu kolwandle, ulwandle lwabuyela endaweni yalo ngokufika kokusa; abaseGibithe balubalekela; uJehova wabathuntuthela abaseGibithe phakathi kolwandle. (28) Amanzi abuyela, asibekela izinqola, nabamahashi, nayo yonke impi kaFaro eyangena elwandle emva kwazo; akwasala noyedwa kubo. uEksodusi14:26-28

uJehova wathi kuMose: ngibabonile labaabantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni. (10) Ngalokho ngiyeke ukuba ulaka lwami lubavuthele, ngibaqede, ngikwenze ube-yisizwe esikhulu. uEksodusi32:9-10

wayesithi kuwo: usho njalo uJehova uNkulunkulu kaIsrayeli, uthi: akube-yilowo nalowo kini abhince inkemba yakhe ethangeni lakhe, adabule ekamu, aye emuva, aye phambili, kusukela kwelinye isango kuze kube-kwelinye isango lekamu, yilowo nalowo abulale umfowabo, nalowo umngane wakhe, nalowo umakhelwane wakhe. (28) amadodana kaLevi enza njengezwi likaMose, kwawa ngalolosuku abantu kungathi abayizinkulungwane ezintathu. uEksodusi32:27-28

ONadabi noAbihu amadodana kAroni bathatha bobabili imicengezi yabo yomlilo, bafaka umlilo kuyo, babeka impepho phezulu, banikela phambi kukaJehova ngomlilo ongafanele, angabayalanga ngawo. (2) kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, wabaqeda, bafa phambi kukaJehova. uLevitikusi 10:1-2

Kwathi abantu bakhonona, kwabakubi ezindlebeni zikaJehova; esekuzwile uJehova, yavutha intukuthelo yakhe, umlilo kaJehova washa phakhathi kwabo, wabaqeda abasemkhawulweni wekamu. uNumeri 11:1

uJehova wathi kuMose: thabatha zonke izinhloko zabantu, uziphanyekele uJehova elangeni, ukuze intukuthelo evuthayo kaJehova ibuye kuIsrayeli. uNumeri 25:4

Balwa noMidiyani, njengolokho uJehova emyalile uMose, babulale abesilisa bonke. uNumeri 31:7

Nalapho uJehova uNkulunkulu wakho ezinikele phambi kwakho, uzinqobe, wozichitha nokuzichitha, ungenzi isivumelwano nazo, ungabi-namusa kuzo. uDuteronomi 7:2

Bonani manje ukuthi mina, yebo mina nginguye, akakho uNkulunkulu ngaphandle kwami; mina ngiyabulala, besengiphilisa, ngilimazile kepha ngiyakupholisa; akakho ongophula esandleni sami. uDuteronomi32:39

uJehova wabangquzula ngaphambi kukaIsrayeli, wabaceka ngokuceka okukhulu ngaseGibeyono, wabaxosha ngendlela yokhuphukela eBeti-Horoni, wababulala kwaze kwaba-seAzeka naseMakheda. (11) Kwathi

besabalekela uIsrayeli behla eBeti-Horoni, uJehova wawisa phezu kwabo amatshe amakhulu, ehla ezulwini, baze bafika eAzeka, bafa; babebaningi abafa ngesichotho kunababulawa nguIsrayeli ngenkemba. uJoshuwa 10:10-11

usho khanje uJehova-sebawoti, uthi: ngiyakuhambela u-Ameleki ngalokho akwenzayo ku-Israyeli ukuthi wamelana naye endleleni ekukhuphukeni kwakhe eGibithe.(3) Hamba manje unqobe u-Amaleki, uchithe impela konke anakho, ungamhawukeli, kepha bulala abesilisa, nabesifazane, nezingane, nabancelayo, nezinkabi, nezimvu, namakamela, nezimbongolo..1Samuwelis 15:2-3

Singafaka amanye kuloluhlu lwamavesi anje. Kunezindatshana eziningi eTestamendeni elidala ezibukeka sengathi zibaleka sobala kodwa zonke nje uma zihlanganiswa azinakulinganiswa nokubulalwa kwabantu abaningi eTestamendeni elisha.

Nanxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane uyakukhululwa etilongweni lakhe, (8) Aphumele ukudukisa izizwe ezisemagumbini omane omhlaba, oGogi noMagogi, azibuthele ekulweni ezimumo wazo ungangesihlabathi solwandle. (9) Zase zikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba, zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqeda; (10) noSathane owazidukisayo waphonswa echibini lomlilo nesibabule, lapho kukhona isilo nomprofethi wamanga; ziyakuhlushwa imini nobusuku kuze kubephakade naphakade. iSambulo 20:7-10

Ingabe lithi ababi bangangesihlabathi solwandle? Singakani isihlabathi solwandle na? Singenza isiphakamiso senani elabathanda ukudla ngoludala izigidi ezingu-100 zabantu, bonke benza umkhulungwane beklabalaza ngobuhlungu. Lokhu kwenza ezindaba zeTestemende elidala zibukeke njengomdlalo uma kuqhathaniswa.

Iningi lamaKhrestu, njengokugubha umkhosi, bafunda lezindatshana benentokozo bethi ziyafakaza ukuba uNkulunkulu "*abamkhonzayo*" uzwisa izigidi nezigidi zabantu abangamlaleli ubuhlungu ngokubawosa bephila isikhathi eside.

Ngesinye isikhathi amavesi abonakala ekhuluma ngoNkulunkulu eyaleza ukuba kubulawe abafazi, nezingane nezincelayo, awankwa ngamabomu.

Yilabo kuphela abanonembeza oshisiwe, oqine ngendlela yokuthi bakwazi ukumela nokukhulumela ukuziphatha ngonya okunje bethi bunobunkulunkulu.

Lokhu abacabanga ukuba ngubufakazi yikho kanye okuqinisekisa ukuhluleka kwabo okukhulu.

Ngubani ongacabanga ngokuphila ingunaphakade ebukhoneni bomuntu omubi ngalendlela umkhonza umkhothamela lowomuntu, ngesikhathi esifanayo ufisa ukuzikhuthaza ukungabi navalo, ngoba usaba kungenzeka nawe akubulale ngolunye usuku?

Uma lezindatshana sicabanga ukuba kushokhona ukuthi uNkulunkulu uthumela amazenge wamalangabi avela kuye uqobo ukushisa ababi, ngesikhathi esifanayo abalungileyo bebheka kuphela nje ngefilimu besezindongweni zaseSiyoni, bezwa ukukhala nokububula kwalabo abalahliwe, uma sesikhuluma iqiniso sicabanga ukuba abangcwele bazothokoza ezulwini elinje izihlobo zabo ezingalamukelanga iqiniso zishiswa ziphila (kungasenani ukuba ngokwesikhashana noma ingunaphakade); umusa ungaphiwe muntu?

Ingabe wena kunokwaneliseka thizeni okuthola ngokwazi ukuba uNkulunkulu omkhonzayo akagcini ngokubulala amalungu omndeni wakho angalamukelanga iqiniso, kodwa nokuthi uyabahlupha kuqala, ebachithe ngendlela ebuhlungu kakhulu?

Ngiyacabanga ukuba abanye bengathi uNkulunkulu uzosula zonke izinyembezi emehlweni abo, ekusule konke zingasakhunjulwa.

> Azesule inyembezi zonke emehleni abo; ukufa akusayikuba-khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba-khona; ngokuba okokuqala kudlulile. iSambulo 21:4

Ingabe yiyo intokozo engunaphakade elangazelwayo lena, noma kungukuchitha kwabo bonke ubufakazi wumuntu ononya nokhahlakele?

Kunenye into engahlali kahle ngalesi sithombe kuwo wonke umuntu othatha kahle, kakhululukazi okewezwa intokozo yothando lwasemshadweni, noma oke wabamba ingane ezingalweni zakhe, noma

oke wagonwa wezwa ukufudumala okusezandleni zomzali, ngisho nalowo okewanakekela isilwane esinje ngekati, noma inja noma ihhashi.

Ukusetshenziswa kwalamavesi ngalendlela, ngesikathi esiningi kuhamba ndawonye nombono othi kwamele sithathe iBhayibheli ngendlela elibhalwe ngayo, sithathe lemisho nje ngofakazi bokuthi uNkulunkulu abangamesabi uyake ebabulale futhi uzokwenza.

Khona kuyiqiniso ukuthi kwamele sithathe iBhayibheli njengoba libhaliwe, kanti ukuthatha iBhayibheli njengoba libhaliwe kusho ukuthatha *lonke* iBhayibeli njengoba libhaliwe; hhayi ukuvele sithathe inxenye yalo ukuncika ngayo ngemibono esithanda ukuyiveza.

Njengoba sesafunda kusahluko 2, kwamele sithathe wonke amavesi akhuluma ngendaba ethile siwaqhathanise. Labo abenza isinqumo sokuthi uNkulunkulu uyabulala abantu yena mathupha abalifundi lilonke iBhayibheli, bazifundela lezo zingxenye ezivumelana nombono wabo. Uma ufunda iBhayibheli lonke uzozithotha ezindaweni eziningi lapho izinto zingahlangani ekuqaleni. Bheka okulandelayo:

| Gentle, omnene, & Onothando | Phindisela, Onenzondo, & Nobhubhisayo |
|---|---|
| ngokukaMathewu 26:52 uJesu wayesethi kuye: buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayakubhubha ngenkemba. | uDuteronomi 32:40-41 ngokuba ngiyaphakamisela isandla sami ezulwini, ngithi: Mina ngiyaphila kuze kubephakade. (41) **uma ngilola inkemba yami ebenyezelayo, nesandla sami sibambelela nami,** ngibaphindisele abangizondayo. |

| | |
|---|---|
| Luka 9:56 Ngokuba iNdodana yomuntu ayizanga ukubhubhisa imiphefumulo yabantu kodwa ukuyisindisa; base beya komunye umuzi.<br><br>Isaya 11:9 abayikwenza okubi; bangachithi entabeni yonke yami engcwele, ngokuba umhlaba uyakugcwala ukumazi uJehova njengamanzi asibekela ulwandle. | Genesise 6:7 uJehova wathi: abantu engibadalileyo ngizakubachitha ebusweni bomhlaba, yebo, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu, ngokuba ngiyazisola ukuthi ngibenzile. |
| Mathewu 5:44 Kepha mina ngithi kini: Thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo. | amaHubo 18:40 wangifulathelisela izitha zami, nabangizondayo ngabaqothula.<br><br>amaHubo 143:12 zinqume izitha zami ngomusa wakho, ubabhubhise bonke abahlupha umphefumulo wami, ngokuba ngiyinceku yakho. |
| Eksodusi 20:13 Ungabulali.<br><br>2kwabaseKorinte 3:18 kepha thina sonke esibuka ngobuso **obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe-njengalowo mfanekiso** ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngeNkosi enguMoya. | Genesise 38:7 (NKJV) uEri izibulo likaJuda wayemubi emehlweni kaJehova; uJehova wambulala.<br><br>Mshumayeli 3:3 isikhathi sokubulala nesikhathi sokuphilisa, isikhathi sokudiliza nesikhathi sokwakha. |
| 1kaJohane 4:8 Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando. | uMalaki 1:2-3 Nginithandile, usho uJehova. Nokho nithi: usithande kanjani na? u-Esawu akasiye umfowabo kaJakobe na? usho uJehova. ngamthanda uJakobe. (3) **Kepha u-Esawu ngamzonda,** ngenza izintaba zakhe incithakalo, nefa lakhe ngalinika amakhanka asehlane. |

| | |
|---|---|
| amaHubo 100:5 ngokuba muhle uJehova, **umusa wakhe umi phakade, nokuthembeka kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.**<br><br>1iziKronike 16:34 Bongani uJehova, ngokuba muhle, **ngokuba umusa wakhe umi phakade**. | Isaya 9:17 Ngalokho iNkosi ayithokozi ngensizwa zabo, ayihawukeli izintandane nabafelokazi babo, ngokuba bonke bangabangenaNkulunkulu nabenza okubi, nayo yonke imilomo ikhuluma ubuwula; kukho konke lokhu intukuthelo yakhe ayibuyi, isandla sakhe siseluliwe. |
| Isaya 27:4 **Ukufutheka akukho kimi;** sengathi kungaba-khona amakhakhasi nameva! Bengiyakuwasukela ngokulwa, ngiwashise kanyekanye. | uJobe 20:23 kuyakuthi lapho eyakugcwalisa isisu sakhe, **uNkulunkulu aphonse kuye ukuvutha kwentukuthelo yakhe**, akunise phezu kwakhe esekudleni. |

Uma ufunda iBhayibheli ngokuqhaphela lokhu okubukeka njengokuphikisana kuyanyamalala, noma kukhanye.

Lapho ekubonakala sengathi kunokuphikisana, wena kwamele ukhethe ukuziba amavesi abukeka sengathi amelana nalokho okuqondayo, noma uguqe ngamadolo ngokuzithoba, ucele ukuba uNkulunkulu akufundise ukuba ulifunde kanjani iBhayibheli, nokuletha ukuvumelana kulamavesi abukeka sengathi ayaphikisana.

Umbuzo uthi kungani uNkulunkulu evumele ukuba iBhayibheli libhalwe ngalendlela? Yingani lingabhalwanga ngendlela esobala kunalena? Umuntu ongaphendukanga ngokwemvelo uyaziqhenya. Futhi unobutha noNkulunkulu nanoma engaziqondi futhi engahlosanga.

> Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze. kwabaseRoma 8:7 (NLT)

Lemvelo yobutha izomenza ukuba efunde iBhayibheli ngendlela eveza uNkulunkulu enendluzula nolunya. Umuntu onje (owemvelo) angesho ngomlomo wakhe ukuba uthanda uNkulunkulu futhi uyamhlonipha kodwa ubutha anabo angeke bumvumele ukuba enqobe lokuphikisana; kunalokhu buzokhetha ukufunda wonke amavesi aveza uNkulunkulu

njengombulali ukwenzela esho ngephimbo elimnene ukuba – kwamele samukele iBhayibheli njengoba libhaliwe.

Kodwa umuntu onje empeleni iBhayibheli akalithathi njengoba lisho. Lomuntu wamukela afisa ukukwamukela, ezibe konke okunye okuveza esinye isithombe ngoNkulunkulu. Ngalendlela sithola iqiniso elithi:

> …uNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobekileyo ubapha umusa. ekaJakobe 4:6

Ingabe lokhu kwenzeka kanjani na?

> Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, lowo ufana nomuntu obuka ubuso bakhe bemvelo esibukweni. ekaJakobe 1:23

> Ngokuba ngokwahlulela enahlulela ngakho nani niyakwahlulelwa ngakho, nangaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso. ngokukaMathewu 7:2

> Ngakho awunakuzilandulela wenamuntu, noma ungubani owahlulelayo, ngokuba ngalokho owahlulela ngakho omunye uyazilahla wena, ngokuba wena owahlulelayo uyakwenza khona lokho nawe. kwabaseRoma 2:1

Uma umuntu efunda iBhayibheli bese eziba amavesi akhuluma ngoNkulunkulu onothando oluphelele, ekhethe ukuzihlalela emavesini akhuluma ngoNkulunkulu obulala abantu mathupha, uveza esakhe isimilo. Umuntu onjalo, njengoSathane, ubeka izici zesimilo sakhe phezu kukaNkulunkulu eveze ubutha anabo maqondana noNkulunkulu.

> Lokho ukwenzile, ngathula; ushaye sengathi nginjengawe; ngizakukulaya, ngikubeke phambi kwamehlo akho. amaHubo 50:21

UNkulunkulu uvuse ababhali beBhayibheli ukuba belibhale ngendlela eliveza isimilo somuntu. Imvelo yomuntu ehlambalazayo ihlezi njalo ifuna ukudala uNkulunkulu ngokomfanekiso wayo. Ibeka isimilo nokwahlulela kwayo phezu kukaNkulunkulu; kanjalo-ke iBhayibheli lilotshwe ngobuqhwepheshe ukubuyisela nokuba yisibuko kubantu.

Uma umuntu ongaphendukanga efunda iBhayibheli, uhlezi njalo ebona ubuso bakhe bemvelo kuyo yonke imisebenzi kaNkulunkulu. Umuntu

osevume izono, nowazi ukuthi akukho okuhle kuye, uzibhekela esimilweni esiligugu sikaJesu, ethi uma efunda iBhayibheli ebone isithombe esihluke kakhulu ngoNkulunkulu. Isimilo esavezwa nguKhrestu emhlabeni siguqula ukubuyiseleka okusesibukweni seBhayibheli, nezinkwethu zenyoka ziyawa emehlweni akhe; ebone okuligugu ngempela, kugqume nenhliziyo.

Umuntu wemvelo ufunda ingxenye yoMbhalo evumelana nokucabanga kwakhe, avele azibe konke okunye, noma ezibhekele okubukeka njengokuphikisana ngaphezulu enqabe iBhayibheli lonkana.

Umuntu oholwa nguMoya ufunda uMbhalo wonke, ethotshiswe uma ebona ukuphikisana. Evume ukuhluleka kwakhe ukuqonda izwi likaNkulunkulu, ecele usizo lokuqonda iBhayibheli. Uma sesilungele ukufindiseka, iBhayibheli lizoqala liveze ubuhle besimilo sikaJehova. Kubiza ukuba umuntu ethandaze ngokuzithoba ukuhlanganisa amapiece njengoba uNkulunkulu efisa ukuba siwahlanganise. Lawa sewaba ngamava wami nabanye. Sengike ngancenga eNkosini uma ngifunda amanye amavesi engangihluleka ukuletha ukuvumelana kuwo engqondweni yami. Ngiyaguqa ngicele ukuba uBaba engisize engibonise iqiniso. Kuyintokozo uma iqiniso livezwa ngemva kokwenza umthandazo ozimisele.

Njengoba sicabangisisa ngezindatshana ezizayo, sizokwenza okungaphezu kokuthatha ivesi elilodwa noma amabili senze isinqumo, kwamele sibuthele ndawonye wonke amavesi akhuluma ngesihloko esithile, silethe ukuvumelana phakathi kwayo.

Kwamele sikhumbule nesimiso sesibuko. Kusahluko 9, safunda endatshaneni yowesifazane owacela ukuba uJesu ephilise indodakazi yakhe; uJesu wabeka amagama akhe ukuveza imicabango nokwahlulela kwalabo ababemlalele.

Ukubandlulula kwabantu ngokwebala nezizwe kwabafundi, kwavezwa yisibuko esasetshenziswa nguJesu, ukwenzela besizakale nabo, bebone amaphutha abo uma esiza lowesifazane. Endabeni kaLazaro nesicebi sifundile ukuba uJesu uzosebenzisa izinto ezijwayelekileyo ukuveza iqiniso elibalulekile. Lemibono akusiyo eyakhe, kodwa wayisebenzisa ukwenzela beqonde kanye nathi. Lesimiso sibaluleke kakhulu uma sifunda uMbhalo. UJesu engasebenzisa amagama angasiwo awakhe, kanti uma umuntu engena sifiso sokuletha ukuvumelana kweBhayibheli lonkana, lamavesi

angasetshenziswa ukuqinisa imibono engasiyo yalowo ofundayo. Siphinde, kuyisibuko sisembenzini.

Asiyisongeni ngamaphuzu abalulekile ngaphambi kokuba siqhubeke.

1. Thatha wonke amavesi akhuluma ngesihloko, ungazithatheli okufunayo.
2. Uze ngokuzithoba eMbhalweni, ucela ukuhlakanipha.
3. Funda iBhayibheli ngezibuko zempilo kaJesu esemhlabeni.
4. Khulumbula ukusebenza kwesibuko ngaso sonke isikhathi. IBhayibheli lingasebenzisa imibono yabantu ukuveza iqiniso yalo. UMbhalo ungashiwo ngendlela esingawuhumusha kabili, enyameni naseMoyeni. Ofundayo makakhethe indlela ayifisayo.

## 19. Yalinyazwa Ngenxa yezono Zethu

Kwakuzoba yisibonakalisp esithusa ngendlela esingeke sayiqonda. Abantu kanye nezilwanyane bebalekela ukuphila kwabo ngokugcwala ukwesaba okukhulu.

> Kuthe lapho uNowa eseneminyaka engama-600, ngosuku lweshumi nesikhombisa, ngenyanga yesibili, kwaqhuma zonke iziphethu zamanzi emajukujukwini kwavuleka namafasitela ezulu. (12) Izulu lana emhlabeni imini nobusuku izinsuku ezingama-40. Genesise 7:11-12

Indaba kazamcolo iluhlupho ebantwini abaningi. Ingabe ngempela uNkulunkulu wayengangcwilisa izigidi nezigidi zabantu ngoba umusa wakhe sewufike emkhawulweni, kanti nesandla sakhe sokwahlulela singephinde sibanjwe? Ingabe uNkulunkulu oluthando angayenza into enjalo? Kwiningi labantu lendaba iyimfihlakalo eletha ukudideka okukhulu.

Uma sidikida indaba yokwahlulela kukaJehova, kwamele sihlale njalo sinendaba yokufa kwesiphambano phambi kwethu ngoba isiphambano sisivezela indlela ukwahlulela kwakhe kusebenza ngayo. Ukufa kwesiphambano kuyisithumbululi-inkinga sokuqonda konke ukugwetshwa nokwahlulelwa esifunda ngakho eBhayibhelini. UJesu wayethwele izono

zabantu, kanti isisindo secala sampintsha konke ukuphila kwakhe sisebenza ndawonye yizifiso zokubulala zalabo ababenesifiso sokumbulala. Kwakuyisono esabulala uKrestu, kanti yiso kanye esibulala bonke abantu. Inkinga ingeyokuthi iningi labantu kuwulaka lukaNkulunkulu ulwabiza ukuthi uKrestu efe. Kanti isiprofetho salokhu silotshwe ngu-Isaya.

> Ngokuba usho kanje uJehova , uthi: nathengiswa ngento engelutho; niyakuhlengwa ngaphandle kwemali. (4) Ngokuba isho kanje iNkosi uJehova, ithi: abantu bami behlela kuqala eGibithe ukuba bagogobale khana; iAsiriya lamcindezela ngaphandle kwesizathu. Isaya 53:3-4

Uma sicabanga ukuba uKhrestu wayeshaywa nguNkulunkulu esiphambanweni, zonke izindatshana eziseBhayibhelini lapho izoni zijeziswa kuzobonakala sengathi uNkulunkulu nguye ozishayayo. Masibukeni indatshana kazamcolo ngokuqaphelisisa.

Indoda ingena estolo sokudayisa ukudla, etsheke umnikazi ukuba kunengozi ekhona eqondane nebhizinisi lakhe. “Kunengozi eza nqo iqonde ibhizinisi kanye nomndeni wakho,” “ayikho into engenza ukuba usinde kulengozi kunokuthi uvikeleke ngaphansi kwethu,” uma eqhubeka ethi: Sinomkhumbi wokuphephela kubobonke abakholwa ukuba singabavikeli beqiniso benkululeko.” Umuntu utshela usobhizinisi ukuba uze ngomusa ukumsindisa engozini ezayo. Uma umnikazi webhizinisi emukela usizo lwalomnumzana, emnika ekumele amnike khona, lomnikazi webhizinisi uzokusinda engozini ezowela phezu kwabo bonke abanye abangavumanga ukwamukela ukuvikeleka. Lendoda ibeke isandla sayo emahlombe womnikazi webhizinisi emncenga ukuba ecabangisise kahle ngalesipho “somusa.” “Asifisi ukuba ingozi ifikele wena nomndeni wakho. Singadabuka kakhulu uma lokho kwenzeka.” Kanjalo-ke emkhuthaze ukuvuma imigomo yokuvikeleka.

Uma lomnumzana enikela ngokuvikeleka engozini engahlangene naye, lokhu kumenza ebenecala elibizwa ngokuthi *protection racket.* Uma ingozi ezayo izokwenzwa yiqembu alimelayo lona owesilisa, lokhu kuyicala elibizwa ngokuthi *extortion racket.* Kungumkhuba ojwayelekile okuphoqa intando yomuntu ngokubasabisa noma ngokubasongela nokubacindezela thizeni.

Kungezeka yini ukuba umuntu oletha umyalezo womusa engabayilungu leqembu elisongela ngokubhubhisa, ecindezela abamlalele, eqinisekise ukuba abangamukeli umusa babhujiswe?

Ingabe indatshana kazamcolo eseBhayibhelini iyicala le-*extortion racket* elikhulu*?* Ingabe uNkulunkulu weBhayibheli unika ukuvikeleka kulabo abenza akufunayo, bese ebulale bonke abenqaba ukumsekela nokuma ngasohlangothini lwakhe?

> uNkulunkulu wathi kuNowa: ukuphela kwenyama yonke kufikile phambi kwami, ngokuba umhlaba ugcwele ubudlwangudlwangu ngenxa yabantu; bheka, ngiyakubachitha [H7843] kanye nomhlaba. (14) Yakha umkhumbi ngemithi yegofere, wenze amakamelo emkhunjini, uwuhuqe ngaphakathi nangaphandle ngekolitayi. uGenesise 6:13-14

IBhayibheli lithi umhlaba wawugcwele ubudlwangudlwangu. Ingabe kwenza umqondo yini ukuchitha nokubhubhisa abantu ngobudlwangudlwangu ngoba benobudlwangudlwangu? Ingabe lokhu akumenzi abe ngumuntu ozenzisayo?

Uma sibheka igama elithi *ukuchitha* ngesiHeberu lichaza ukuthi:

> H7843: Isiqu; to *ukubola*, lokho kusho, (causatively) *ukonakala* (literally or figuratively): - mbungqa, cast off, corrupt (-er, thing), destroy (-er, -uction), lose, mar, perish, spill, spoiler, X utterly, waste (-r).

Igama elifanayo lisetshenziswa emavesini angaphambi kwevesi 13:

> Umhlaba wawonakele ebusweni [H7843] bukaJehova; umhlaba wawugcwale ubudlwangudlwangu.(12) UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba wonakele, [H7843] ngokuba inyama yonke yayonakalisile [H7843] indlela yayo emhlabeni. Genesise 6:11-12

Uma sisebenzisa igama lesintu elithi *ukuchitha,* eliyigama elasetshenziswa ngabahumushi ukushiqilela igama lesiHeberu kuGenesise 6:13, ifundeka ngendlela elandelayo:

> Umhlaba *wawuchithiwe* ebusweni bukaJehova; umhlaba wawugcwale ubudlwangudlwangu. (12) UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba *uchithiwe*, ngokuba inyama yonke *yayichithe* indlela yayo emhlabeni Genesise 6:11-12

Isizathu sokuba umhlaba uchithwe sasingesokuthi umuntu wayewonakalise noma echithe indlela yakhe yokucabanga; wayegcwele ubudlwangudlwangu. Ngalesi sikhathi umhlaba wawuveza ingqondo kaSathane ngokuphelele. Imibhalo isitshela ngomsuka walobudlova:

> Ngobuningi bokuthenga kwakho wagcwaliswa ngobudlova, wonile; ngalokho ngakulahla ungcolile entabeni kaNkulunkulu, ngakuchitha wena-kherubi elisibekelayo, ungabikho phakathi kwamatshe omlilo. uHezekeli 28:16

Lokhu kuphambene noKhrestu esitshelwa nguMbhalo ukuba akenzi indluzula:

> Babeka ithuna layo khanye nababi; ekufeni yayinabenza okubi, **noma ingenzanga indluzula**, kungekho nankohlisa emlonyeni wayo. Isaya 53:9

Umhlabeleli ekhuluma ngeNdodana yeNkosi wathi:

> Iyakukhulula umphefumulo wabo okhahlweni nasendluzuleni; igazi labo liyakuba-yigugu emehlweni ayo. amaHubo 72:14

Kanjalo-ke iNdodana kaNkulunkulu ayenzi ndluzula noma ubudlwangudlwangu, kanti nalabo abahlengwa yiyo ibasindisa ebudlwangudlwangwini nasekuphathweni ngendluzula. USathane ugcwele ngendluzula kanti nomhlaba wawugcwalisa ngomoya wakhe. Kanti yini eyabangela ukuba uSathane egcwale ngalomoya wendluzula?

> Futhi mhla engenisa oyizibulo emhlabeni uthi: nezingelosi zonke zikaNkulunkulu mazikhuleke kuye. kumaHeberu 1:6

> uSathane wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu, wamkhombisa imibuso yonke yezwe nenkazimulo yayo. (9) Wathi kuye: Konke lokhu ngizakukunika khona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi. ngokukaMathewus 4:8-9

USathane wayenomona ngoKhrestu. Wayefisa ukukhothamelwa nokukhonzwa nje ngoKhrestu, kodwa wa eyisidalwa kanti uKhrestu wayeyiNdodana kaNkulunkulu. Umahluko okhona kubo awunamkhawulo, kepha noma kunjalo uSathane waqhubeka wafisa isikhundla sikaKhrestu. Yilokhu okwahlwanyela imbewu zobudlwangudlwangu enhliziyweni yakhe

maqondana noKhrestu. Ubutha bukaSathane maqondana noKhrestu kwakhula waze wafisa ukubulala iNdodana kaNkulunkulu kwasekuqaleni. Ukubethelwa kukaKhrestu kwaveza kwabonakalisa emhlabeni wonke inhloso yeqiniso kaSathane kwasekuqaleni kusadalwa umhlaba.

> Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. **Yena wayengumbulali kwasekuqaleni**, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye. Nxa ekhuluma amanga, ukhuluma okungokwakhe, lokhu engumqambimanga noyise wawo. ngokukaJohane 8:44

Izifiso zikaSathane zokubulala yizo ezenza ukuba abe nomoya wobudlwangudlwangu. Ngesikhathi uAdamu benoEve bewela esonweni baphenduka babanjengoSathane ngokwemvelo. UMoya kaKhrestu owawukubo wagwazwa wapitshwa njengamazinyo egaya imbewu. NguMoya okaKhrestu ohlala emuntwini omnikeza ukuphila. Ungukukhanya okukhanyisa wonke umuntu oza emhlabeni [Johane 1:9]. Uma uKhrestu wayengaphuma kuAdamu wayezofa. UMoya kaKhrestu wawupitshekile kuAdamu kodwa noma kunjalo uKhrestu akaphumanga, nanoma kwakumbangela ubuhlungu ukuhlala. Ezinhluphekeni eziqhubekayo zikaKhrestu, idwala, kwavela amanzi okuphila ayezogcina uAdamu ephila. Yingakho uPawule ethi:

> Sithwele njalonjalo emzimbeni wethu ukufa kukaJesu, ukuze nokuphila kukaJesu kubonakaliswe emzimbeni wethu. 2kwabaseKorinte 4:10

> Babuye bahlubuka-akunakwenzeka ukuba babuye bavuswe, baphenduke, lokhu **sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu, bayithela ngehlazo obala**. kumaHeberu 6:6

UAdamu benoEve babedalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. USathane wayewuzonda lomfanekiso efuna ukuwuchitha nokuwonakalisa. Zonke izenzo nemisebenzi yendluzula eyenzwa ngabantu kwabanye abantu kuyisambulo somoya kaSathane onobutha noMoya kaKhrestu. Ekuqaleni kuthanda ukubanzima ukuqonda lombono kodwa uvezwa sobala embhalweni. Uma sesikuqonda lokhu, kuzoguquka indlela esibheka yonke indluzula nobudlwangudlwangu okuchazwa eBhayibhelini, nokuqhubekayo empeleni. Umbono wabantu ababulala abanye awenzimqondo nakancane, wenza umqondo kuphela uma siqonda kahle

ukuba uSathane uhlezi efisa ukugwaza uKhrestu nokuthi lokhu ukwenza uma evusa abantu ukuba beqedane ngendluzula.

> Isiyakuphendula iNkosi, ithi kubo: Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nikwenzile komunye walababafowethu abancane, nikwenzile kimi. ngokukaMathewu 25:40

Lephuzu kubalulekile ukuba siliqonde. Bonke ubudlwangudlwangu buvela emoyeni ogqugquzelwa wubutha nomona maqondana neNdodana kaNkulunkulu. Ngakho yonke indluzula, ngisho nale umuntu azenza yona nokuzibulala iveza ubutha obukhona maqondana noKhrestu nanoma isizathu nembangela umuntu angangayazi. Uma siveza ubutha nendluzula komakhelwane nasemzimbeni yethu uqobo, sisuka siveza ubutha bukaSathane maqondana noKhrestu. Lona ngumsuka wabo bonke ubutha nobudlwangudlwangu.

Bonke ubudlwangudlwangu obuchazwa kuGenesise 6 bungukubonakaliswa kobutha bukaSathane maqondana noKhrestu okwambulwa ngamadoda namadodakazi. Njengoba uKhrestu engumsuka wokuphila yedwa, umphumela wobutha obunje uzokuba ukuchithakala nokubhubha kwabantu.

Lomoya wendluzula okumuntu wabonakaliswa ngokubulawa kwewundlu lokuqala ensimini. Ukubulawa kwalesi silwane kwabuyiseleka imvelo enendluzula yomuntu. Ngalomnikelo uNkulunkulu wayevezela uAdamu imbewu eyayihlezi ngaphakathi kuye. Lembewu yobudlwangudlwangu maduze yahluma yavela ngesikhathi uKayini ebulala uAbele.

Yinye kuphela indlela yokuba umuntu eqhubeke ephila, ngeyokuba uKhrestu eqhubeke enikeza abantu amandla okuphila kwakhe. Nansi into enza uKhrestu ebe yiwundlu elahlatshwayo selokhu kwasekelwa umhlaba. ISambulo 13:8. UKhrestu ulinyazwa yizono zethu kusukela kwasekuqaleni; uKhrestu uhlukunyezwa yizono zethu selokhu isono sabona ukusa kwelanga. Ukwenzela ukuba umuntu ephile, uKhrestu kwakumele eqhubeke ethwale umuntu wonke nanoma ezondwa ngalendlela, inzondo evuswa nguSathane uqobolwakhe.

> **Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye**, ingelosi yobuso bakhe yabasindisa; ngothando lwakhe nangokuhawukela kwakhe

> wabahlenga, wabanqukula, **wabathwala zonke izinsuku zakuqala**. Isaya 63:9

Lemicabango iguqula indlela esiqonda isiphambano sikaKhrestu, ukubonaka kobudlwangudlwangu yebo ekugcineni nesimilo sikaNkulunkulu. Ngaso sonke isikhathi uma umuntu eshaywa, edlwengulwa noma ebulawa, kusuka kuwufakazi bukaSathane egwaza uKhrestu. Zonke izenzo eziholela ezifeni nasekubulaweni komuntu noma kwabanye abantu kungukubonakaliswa kwenhloso kaSathane yokuzwisa uKhrestu ubuhlungu. Kungubutha obunonya ngendlela enganakuqondwa.

Ubukhulu nobubanzi besiphambano bugoqela sonke isikhathi kusukela ekungeneni kwesono emhlabeni kuze kube namanje. Sonke isidalwa esimelana noNkulunkulu sisempini nempilo esiyiphiwe ngoba lokhu kuphila kuvela kuKhrestu. Lena yimfihlo yemvelo yomuntu ezibhubhisayo neziphikisayo. Yimpi ekaSathane maqondana noKhrestu. Ake siqephelisise isibuko evesini elilandelayo.

> Ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abathiya iqiniso ngokungalungi. (19) Ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo. kwabaseRomans 1:18-19 (NKJV)

Igama elithi *intukuthelo* ngesiGerike lichaza ukuthi *isifiso* kanti livela kusiqu esithi ukuyelula isandla kumuntu. Lingahumushwa ukuchaza ukufutheka kwenhliziyo, noma ulaka noma intukuthelo. Igama elithi *phezu* lingathiwa *ngenhla* noma *ngaphezu* noma *ngase*- (maqondana). Sizophinde sihumushe lelivesi ngalemicabango ngelinye iphuzu kwamele sicabange ngalo. UJesu wathi ngiyiqiniso. Johane 14:6. Ngakho-ke ukucindezeleka kweqiniso kungukucindezeleka kukaKhrestu.

> Ngokuba ***isifiso*** sikaNkulunkulu sambuliwe sivela ezulwini ***phezu noma maqondana*** konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abathiya nabagqiba ***uKhrestu*** ngokungalungi. Ngokuba lokho okwazekayo ngoNkulunkulu kusobala phakathi kwabo; ngokuba uNkulunkulu ukubonakalisile kubo. KwabaseRoma 1:18-19[*adapted*]

Ngezinsuku zonke uNkulunkulu uthumela uMoya weNdodana yakhe ukuba uhlale wakhe ezinhliziyweni zethu. Abanye bacwilisa izwi, abanye

ngemizamo yabo ukunqaba bafunana nalabo loMoya ohlala kubo ukwenzela bebazingele bebahlukumeze. Kuwo wonke umuntu ophila emhlabeni uKhrestu uyagqitshwa, uyadelelwa ngabantu. Namhlanje uKhrestu ungumuntu wobuhlungu owazi ukugula. Nsuku zonke uKhrestu uyazidela, ethathe isiphambano, esinike ukuphila kwakhe. Kulokhu sibona isifiso sikaNkulunkulu maqondana nathi. Uhlezi elula isandla ukusifinyelela nsuku zonke ngesifiso esishisekayo kodwa iningi lomhlaba lithiya ligqibe izwi lonembeza liminze ukuqondiswa.

Ukukhohlakala kwabantu kubenza badlulisele imimoya yolaka lwabo kuNkulunkulu. Ukwenqabela uthando lukaNkulunkulu kwabantu kubuyiselwa kuNkulunkulu kubesengathi nguye ufuthekayo athukuthele. Izici zabantu zebekwa phezu kwakhe, kanjalo uKhrestu ubukwa njengoshaywe nguNkulunkulu nohlushiwe, kodwa uKhrestu walinyazwa yizono zethu hhayi wulaka luNkulunkulu njengokuqonda kwabaningi. Ingabe uthini uNkulunkulu kubantu bakhe, lapho abathi bayamlandela?

> Kodwa ngo-Israyeli uthi: usuku lonke ngelulela izandla zami kuso isizwe esingalaleliyo nesiphikayo. kwabaseRoma 10:21

Ekukhanyeni okuvela esiphambanweni siqala ukuqonda izindatshana ezisabisayo zikazamcolo, kodwa asigcini lapho, siqonda imililo yaseSodoma neGomora, ukubhidlizwa kweJerusalema, nangokuphela komhlaba. Inzondo kaSathane maqondana noKhrestu ibonakaliswa yisifiso sakhe sokubulala wonke umuntu ngoba uKhrestu enike wonke umuntu ukuphila kwakhe. Engaphoxwanga muntu, undlala ukuphila kwakhe kuwo wonke umuntu ukwenzela bemukeliswe amandla akhe bephile. UKhrestu akakwazi ukuphila lapho isono sithandeka khona, kodwa ngesikhathi uMoya wakhe upitsheka ugqitshwa amandla afikela umuntu ukwenzela ephile njengamanzi avela ageleza ohlangothini lwakhe ngesikhathi wayesifa esiphambanweni.

> Qondani, nilinde. Isitha senu, uSathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo sifuna esingamgwinya. 1kaPetru 5:8

Kusahluko 13 sakhuluma ngomphumela womoya okumuntu emhlabeni. Ngesikhathi abantu begqiba noma bethiya uKhrestu, beveza inzondo kaSathane maqondana noKhrestu ngokwenza indluzula kwabanye abantu, emhlaba ubabuyisela lokhu ngenxa uemithetho yemvelo. Njengoba abantu babeminza nokucwilisa izwi likaKhrestu emphefumulweni yabo,

imvelo yayizophendula ngoku minza nokucwilisa imiphefumulo yalababantu. Njengoba uJehova ebheka ububi babantu emhlabeni wabonakalisa ukuba kwakuzokuba nomkhawulo.

> Wayesethi uJehova: **uMoya wami awuyikubusa njalo kumuntu**, njengokuba eyinyama nje; izinsuku zakhe ziyakuba yiminyaka eyikhulu namashumi amabili. uGenesise 6:3

Umkhawulo wawuyisikhathi uMoya kaNkulunkulu wawuzolwa nabantu ufisa ukubasindisa. UMoya kaKhrestu wawuncenga abantwana bakhe abaphiyazayo ibusuku nemini. Wabancenga ebalulela isandla usuku nosuku. Kodwa siyakhumbula ukuba abantu baphendula kanjani kuloMoya owawulwa nabo.

> Ngokuba intukuthelo [isifiso] sikaNkulunkulu yambulwa ivela ezulwini phezu[maqondana] kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abathiya[abagqiba] iqiniso[uKhrestu] ngokungalungi. kwabaseRoma 1:18

Abantu ababephila ngezinsuku zikazamcolo babecwilisa izwi lonembeza wabo. Nsukuzonke banqaba izwi elimnene, elinxusayo, baqhubeka ngezindlela zabo ezikhohlakeleyo. Lokhu kugqitshwa kukaMoya kaKhrestu kwakunje nokumbamba phansi ngemizamo yokumucwilisa ngamanzi. Njengoba uMoya wakhe wawuhlushwa izinsuku zidlula, uKhrestu wezwa esindwa eqedwa amandla.

> Kepha bahlubuka, badabukisa Moya wakhe ongwcele, waphenduka[waphendulwa, wanikelwa ukuba] isitha sabo, walwa [emelana] nabo. Isaya 63:10

Abantu beqhubeka besondela ekubhujisweni, ukuncenga kukaKhrestu kwaba ngokuphuthumayo nezwi lakhe laphenduka izwi lesitha. Izwi lakhe laphathwa ngenzondo nosulu.

> Nomphefumulo wami uyathuthumela, kepha wena-Jehova, koze kube-nini na? (4) Buya, Jehova ukhulule umphefumulo wami ungisindise ngenxa yesihawu sakho. (5) ngokuba akukho ukukhumbula wena ekufeni, ngubani oyakukubonga endaweni yabafileyo na? (6) Ngikhathele ukububula kwami; ngimatisa icansi lami njalo ebusuku, ngimatisa ukhukho lwami ngezinyembezi zami. (7) Iso lami liyafiphala ngokudabuka; liyaguga ngenxa yezitha zami zonke. (8) Dedani kimi

> nina nonke enenza okubi, ngokuba uJehova ulizwile izwi lokukhala kwami. AmaHubo 6:3-8

Izinhlungu zikaKhrestu bezingena kufihlwa. Uma abantu babezonqaba ukwamukela isiphambano sikaKhrestu, amatshe uqobolwawo ayezokhala efakaza ngezinhlupheko nobuhlungu uKhrestu, uMenzi wazo, ayebuzwa. Ngoba uKhrestu enguMdali walomhlaba, umhlaba ngokwawo uyaphendula ezinhluphekweni zakhe.

> Ngokuba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kunezinseka kuze kube-manje. kwabaseRoma 8:22

Izincwadi eziningi ziveza amava kaKhrestu ngesizathu sokuthi nguMoya kaKhrestu owawusenhliziyweni zalabo ababebhala lemibhalo, nawo amahubo.

> Ngayo leyonsindiso babefunisisa **bephenyisisa abaprofethi** ababeprofetha ngomusa obuzakuza kunina. (11) Bephenya ukuthi yisiphi nokuba sinjani isikhathi **asikhombayo uMoya kaKristu owayekubo**, efakaza ngaphambili ngezinhlupheko eziqondene noKristu nangenkazimulo eyakulandela zona. 1kaPetru 1:10-11

Kumahubo 18 sivezelwa izinhlupheko zikaKhrestu esiphambanweni zivezwa esithombeni esiphelele sikazamcolo.

> Izintambo zokufa zangizungelezela, izikhukhula zokona zangethusa. (5) Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela. amaHubo 18:4-5

Ezinye izinchazelo ezikuMahubo 18 zikhuluma ngamagama asetshenziswa endatshaneni kazamcolo, ezinye zikhuluma ngemlilo edlayo okwenza isiphakamiso sesehlakalo saseSodoma neGomora nesiphelo sababi. Njengoba uKhrestu enxusana nabantu ukuba bephenduke ebubini babo, wakhulelwa yisikhukhula sokuziphatha kwabo okungena kumesaba uNkulunkulu:

> Wayesezisola uJehova ukuthi wayebenzile abantu emhlabeni, wadabuka enhliziyweni yakhe. uGenesise 6:6

Abantu ababephila ngezinsuku zikazamcolo babethela uKhrestu uhlazo obala. Umpefumulo wakhe wahlushwa walinyazwa wububi babo, ekugcineni wakhala esiphambanweni esasikhona nangaleso sikhathi – ngomile! UMoya kaNkulunkulu wayeka ukuncengela abantu. Esedelelwe isikhathi esingangeminyaka, uBaba ekugcineni kwakumele emukele isinqumo sabantu.

> Uyakugcina indlela yamandulo eyahanjwa yizoni na? (16) Yizo ezahlwithwa kungakabi-yisikhathi, **ezisisekelo sazo sathululwa njengomfula**. (17) **Nezathi kuNkulunkulu: suka kithina**, ngokuba uSomandla ubeyakwenzani kubo na? (18) **Kepha nguye owayegcwalisa izindlu zabo ngokuhle**. Amasu ababi akude nami. Jobe 22:15-18

UBaba waxoshelwa kude ngabantu. Kodwa uKhrestu kwamele ehlale nabantu, ehlupheke nabo esinqumeni abasenzile kungenjalo babezofa ngaso leso sikhathi ebashiya, uNkulunkulu ethwaliswe icala. Ngakho-ke umbane nezulu liduma liqala ukufikela izakhamuzi zaleso sikhathi uKhrestu wayelapho nabo. Wahlushwa kanyekanye nabo, wabathwala kwaze kwabasekupheleni. Ungu-Imanuweli – uNkulunkulu noma iNkosi - inathi. Uzamcolo uyisambulo sesiphambano kodwa noma kunjalo thina sibona uKhrestu engoshaywa nguNkulunkulu noyaliwe.

Imvelo engaphili yayingena kunqatshelwa ukushumayela ivangeli ngezikhukhula zamanzi. Qhaphelisisa ukuxhumana kwendaba kazamcolo nesiphambano kulamavesi:

## 1. Ukumbiza/ukumemeza.

> Izintambo zokufa zangizungelezela, **izikhukhula zokona zangethusa**. (5) Izintambo zasendaweni yabafileyo zangizungeza, izihibe zokufa zangehlela. (6) **Ekuhluphekeni kwami ngambiza uJehova**, ngakhala kuNkulunkulu wami; walizwa izwi lami esethempelini lakhe, ukukhala kwami phambi kwakhe kwangena ezindlebeni zakhe. AmaHubo18:4-6

> Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eli. Eli, lama sabaktani? Okungukuthi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? ngokukaMathewu 27:46

## 2. Ukuzamazama komhlaba.

**Umhlaba wawusuzamazama**, wadikizela; izisekelo zezintaba zathuthumela, zagubhuzela ngokuba ethukuthele. AmaHubo s 18:7

Bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi; **umhlaba wazamazama**, amadwala aqhekezeka. ngokukaMathewu 27:51

## 3. Ubumnyama.

Wathobisa izulu, wehla; ubumnyama babuphansi kwezinyawo zakhe. AmaHubo 18:9

**Ubumnyama wabenza isisibekelo**, idokodo lakhe elimphahlayo; amanzi amnyama, amafu anzima. AmaHubo 18:11

Kepha kusukela ngehora lesithupha **kwaba-mnyama emhlabeni wonke,** kwaze kwaba-yihora lesishiyagalolunye. ngokukaMathewu 27:45

## 4. imisinga yamanzi, izisekelo zomhlaba zambulwa.

Kwase kubonakala imisinga yamanzi, izisekelo zomhlaba zambulwa ngesijeziso sakho, Jehova, ngokufutha komoya wamakhala akho. AmaHubo 18:15

Ngomnyaka wamakhulu ayisithupha wokuhamba kukaNowa ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nesikhombisa lwenyanga, ngalona lolosuku imithombo yonke yotwa yabhoboka, namafasitele asezulwini avuleka. uGenesise 7:11

## 5. Ukusithezwa kobuso nemizwa yokushiyiwa.

**Umzuzwana omncane ngakushiya**, kepha ngomnene obukhulungiyakukubutha. (8) **Ngentukuthelo echichimayo ngabusitheza** ubuso bami kuwe isikhashana, kepha ngomusa ongapheliyo ngiyakukuhawukela, usho uJehova uMhlengi wakho. (9) **Ngokuba lokhu kunjengezinsuku zikaNowa kimi**, ngokuba njengalokho ngafunga ukuthi amanzi kaNowa awayikube esadlula emhlabeni, kanjalo sengifungile ukuthi angisayikukuthukuthelela, ngikusole. uIsaya 54:7-9

> Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba-mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba-yihora lesishiyagalolunye. (46) Kepha ngehora lesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eli, Eli, lama sabaktani? Okungokuthi: **Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na**? ngokukaMathewu 27:45-46

## 6. Insindiso.

> Waselula isandla sakhe ephezulu, wangibamba; wangikhipha emanzini amaningi. AmaHubo 18:16

> uNkulunkulu wayesemkhumbula uNowa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke ezinaye emkhunjini. uNkulunkulu wadlulisa umoya phezu komhlaba, amanzi abohla. (2) Imithombo yotwa namafasiteli asezulwini kwavinjwa, **imvula yasezulwini yaphela**. (3) **Amanzi ayesemuka njalo emhlabeni**, emva kwezinsuku eziyikhulu namashumi ayisihlanu amazi ancipha. Genesise 8:1-3

Imvelo yayifakaza okwakwenzeka kuMenzi wayo. Njengoba uKhrestu engukukhanya okukhanyisa wonke umuntu oza ezweni, izinhlupheko zakhe ngendlela efanayo zibonakaliswa ezimpilweni zabo bonke ababhubha ngozamcolo.

> Ngezwi likaJehova izulu lenziwa, namabandla onke ngomoya womlomo wakhe. (7) Ubuthela ndawonye amanzi olwandle njengenqwaba; uwabeka ajulileyo ezinqolobaneni. AmaHubo 33:6-7

Ngamandla kaKhrestu amazulu wenziwa. Izwi lakhe likhuluma nendalo yonke. Amanzi wabuthaniswa endaweni ngezwi lakhe agcinwa ezinqolobaneni emhlabeni. Ngesikhathi abantu ababephila ngesikhathi sikazamcolo bemdelela bamenqaba unomphela, izwi lakhe lathuliswa namandla ayewagcina ezinqolobaneni aphuka akhululeka, imimoya inikelwa ezimisweni zenxushunxushu.

Kwakungaso Sathane owavulela amanzi, kodwa ngokuvusa abantu ukuba bemelane noKhrestu bemdelele aze avumele isinqumo sabo ezwa ubuhlungu; umphumela waba ngowokuthi indalo ayisezwanga izwi elimnene lweNkosi yalo, izwi elithi "thula! Thula!" Ngalesisikhathi amanzi ayeveza ukuxokozela kukaSathane nabantu ababi. Ububanzi nokujula kwesiphambano kuvezwa emanzini kazamcolo uSathane wenziwa ezwe enambithe imimoya elwayo. Ukuzamazanyiswa kotwa

kwakungukubonakaliswa kwenhliziyo kakhrestu edabukileyo. Amanzi ageleza avela ezulwini afakaza ngezinyembezi zakhe (AmaHubo 119:136) ayezichithela abantwana abawile baka-Adamu. Abantu balesi sikhathi banqaba ukuvuma izinhlupheko zikaKhrestu, kodwa indalo yafakaza ngezinhlungu zomqali nomlobi wayo, imvelo yabuveza ubuhlungu nokufa kwakhe. USathane wayebangele ukubhujiswa kwakhe ngokuholela abantu ababephila ngesikhathi sikazamcolo ukuba bephike uKhrestu noMoya wakhe. Uma sebeqedile ukumphika ngalendlela, indalo yafakaza ukumphika kwabo, ngesikhathi esifanayo iveza umphumela womoya wokuxokozela nenxushunxushu.

Uma sikhumbula ukuthi akekho umuntu ongaphila ngaphandle kokuba uKhrestu ebenaye, ebekuye, kanjalo uKhrestu wabhekana nobuhlungu nokwesaba komuntu wonke owabhujiswa yizikhukhula. Ezinhlingwini zabo zonke wahlushwa naye. Wabatshata wabathwala zonke izinsuku zokuphila kwabo. Ebona ukufa kwabantwana bakhe abaphiyazayo, wagwazwa wubuhlungu obukhulu. Kuwo wonke umuntu owakhala efa, uKhrestu wezwa ubuhlungu babo efisa ukubasindisa kodwa akakwazanga. Njengoba ayefa esphambanweni laphaya, wezwa ukuphelelwa yithemba kwabo uma befa.

Ukwenzela amakhrestu efihle lesi siphambano esanamhlanje, athi nguNkulunkulu owajezisa ababi entukuthelweni yakhe. Ubudlwangudlwangu nendluzula yalesi sehlakalo ibikwa phezu kwakhe, njengomuntu owabulala zonke lezoni. Khona kuyiqiniso ukuthi ngamandla akhe asetshenziswa ukuphula utwa lomhlaba, adala ukuba kubenezikhukhula, ngendlela efanayo kwakungamandla kaNkulunkulu ayesetshenziswa ngamasosha amaRoma ukubethela uKhrestu esiphambanweni. Ingabe nguNkulunkulu owabethela iNdodana yakhe esiphambanweni? Ingabe kwaba yindluzula nobudlwangudlwangu bakhe (uBaba) obabulala iNdodana? Cha! Cha! Cha! Kwakungamandla kaNkulunkulu esesandleni senyoka eyayishaya isithende sikaKhrestu.

Cabanga ngokuchithwa kweJerusalema ngo 70AD, ngesikhathi abantu besifazane besidla izingane zabo, abaningi babethelwa esiphambanweni ngangokuthi akusabanga nendawo yokumisa ezinye iziphambano. Izehlakalo ezifanayo zichaziwe encwadini yeZililo zikaJeremiya.

> Babengcono ababebulawa ngenkemba kunabebulawa ngendlala, ababuna behlatshiwe ngokuswela ukudla kwensimu. (10) Izandla zabesifazane abahawukelayo zapheka izingane; zazingukudla kwabo ngokuchithwa kwendodakazi yabantu bami. (11) UJehova ufezile ukufutheka kwakhe, uthululile ukufutheka kwentukuthelo yakhe; uphembile umlilo eSiyoni oqedile izinsekelo zalo. (12) Amakhosi omhlaba ayengakholwa kanye nabo bonke abakhileyo ezweni ukuthi abamelene nabo nezitha zabo babeyakungena emasangweni aseJerusalema. (13) Kungenxa yezono zabaprofethi balo nobubi babapristi balo ababechitha igazi labalungileyo phakathi kwalo. Isililo 4:9-13

Kuvesi 11 kukhulunywa ngentukuthelo kaJehova iphinde ikhulume ngokufutheka kwakhe kodwa njengoba sesitholile kusahluko 11 kwalencwadi ukuba kukhuluma ngosizi. Uvesi 12 isitshela ngokungakholwa ukuba abamelene nezitha zikaJerusalema. Uvesi 13 ukhuluma ngokuchithwa kwegazi kolungileyo phakathi kwalo iJerusamela. Ingabe ungubani olungileyo ogazi lakhe lachitheka?

> Ngokuba naye uKhrestu wahlupheka kwaba-kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, 1Petru 3:18

IJerusalema kwakuyidolobha lokuthula kanti uKhrestu wayengumholi walo kwezikamoya. Ngobuhlungu obuphelele nobujulileyo uBaba wayefihle ubuso bakhe ngenxa yezono zabaprofethi nabapristi. Lokhu kwavumela ukuba uSathane ummangaleli engine, uKhrestu Olungileyo wabulawa phakathi kwalo iJerusalema. Ngendlela efanayo igazi likaKhrestu lachitheka ngesikhathi abantwana bakaNkulunkulu bethunjwa bebhijiswa ngezinsuku zikaJeremiya noDaniyeli. Into efanayo yenzeka ngaso sonke isikhathi kubhujiswa abantu bakaNkulunkulu; uKhrestu uhlupheka nabo ethwala isiphambano.

Ingabe uzamcolo uyambona ngezibuko zesiphambano na? Ingabe uyambona yini uKhrestu ehlupheka eSodoma? Uyalubona yini usizi lukaKhrestu uma kubulawa amazibulo waseGibithe nasekuchithweni kweJerusalema? IKhalivari uyalibona yini uma kuchithwa noma ngubani ngendluzula nobudlwangudlwangu? Esiphambanweni saseKhalivari kuphela sibona izahlulelo zeBhayibheli njengesambulo sothando olumangalisayo lukaNkulunkulu. Uma sesiqonda umsuka wobudlwangudlwangu esiwubona uvezwa ngabantu nemvelo, kunje

ngesambulo sobutha bukaSathane maqondana noKhrestu, kuma singabusiseka ngesifanekiselo esifihlakele senyoka yothusi. Uma inyoka ibonakala ngezibuko zesiphambano, udonsi lwayo maqondana nesimilo sikaNkulunkulu luphela ubuhlungu, luphele namandla alo.

## 20. Inyoka Idazululwa Yisiphambano

USathane ungumlobi wokuhlupheka, izifo nokufa. Simisile iqiniso lokuthi uKhrestu unikeza wonke umuntu ukuphila, useduze nawo wonke umuntu ophila emhlabeni. Zonke izenzo zobudlwangudlwangu abantu abazenza kwabanye abantu zidala ubuhhungu kuKhrestu. USathane ngokuhlakanipha ufihle indluzula yakhe maqondana noKhrestu lapho echitha yebo ebhubhisa abantu, ebenza bekholwe ukuba nguNkulunkulu okwenzayo; nokuthi zonke izahlulelo ezichazwa eBhayibhelini zibalelwe phezu kwakhe.

Kwenye inxoxo ngobunye ubusuku noNikodemu, uJesu wamchzela enye yamaqiniso ajulileyo kakhulu ake wakhulunywa. Kuyisambulo sesiphambano esithathekisa kakhulu, kodwa noma kunjalo lifihlakele.

> Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa. ngokukaJohane 3:14

Indatshana akhuluma ngayo uJesu itholakala kuNumeri21. Abantwana bakwa-Israyeli babekhonona bekhalala ngoNkulunkulu nangoMose. Umoya wokukhonona wadala ukuphulwa kogange.

> Omba umgodi uyakuwela kuwo, nodiliza ugange uyakulunywa yinyoka . uMshumayeli 10:8

Lokhu kwephulwa kwegange kwavumela ukuba izingozi zasehlane uNkulunkulu abebavikela kuzo zibonakale. Masinya izinyoka ezinobuhlungu zaqala ukuluma abantu, ngenxa yobuhlungu obubulalayo, bakhala kuMose ukuba ebasize.

> Abantu bakhuluma kabi ngoNkulunkulu nangoMose, bathi: Nisikhuphuleleni eGibithe ukuba sifele ehlane na? ngokuba akhukho-sinkwa, akukho-manzi; umphefumulo wethu uyanengwa yilesi sinkwa esilulana. (6) UJehova wathuma inyoka ezinesihlungu phakathi kwabantu, zabaluma abantu; abantu abaningi bakwa-Israyeli bafa. (7) Abantu bafika kuMose bathi: sonile, ngokuba sikhulume kabi ngoJehova nangawe; khuleka kuJehova ukuba asuse inyoka kithi. UMose wabakhulekela abantu. (8) UJehova wathi kuMose: zenzele inyoka enesihlungu, uyibeke ensikeni; kuyakuthi yilowo nalowo olunywayo, lapho eyibheka, uyakusinda. (9) UMose wenza inyoka

> yethusi, wayibeka ensikeni; kwathi lapho inyoka imlumile umuntu, uma ebeyibheka inyoka yethusi, wasinda. uNumeri 21:5-9

Uma ufunda lendaba sicela ukhumbule isibuko uma sithi:

> uJehova wathuma izinyoka ezinesihlungu phakathi kwabantu, zabaluma abantu; abantu abaningi bakwa-Israyeli bafa. uNumeri 21:6

Igama lesiHeberu elithi *wathuma* libuye lichaze *ukukhulula* noma *ukuyekelela.* Ngesikhathi abantu besola uNkulunkulu ngecala, babemkhweshisela kude nabo, angasakwazi ukubavikela ezinyokeni. Wayebavikele sonke lesi sikhathi kodwa ngoba abantu bahlanukela uNkulunkulu, akasakwazanga ukubavikela. IBhayibheli lisitshela indlela zeza ngayo izinyoka.

> Futhi singayilingi iNkosi njengabanye kubo bayilinga, babhujiswa yizinyoka. (10) Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa [nguMbhubhisi]. 1kwabaseKorinte 10:9-10

Igama lesiHeberu elithi *uMbhubhusi* lichaza ukuthi inyoka enobuhlungu njengaku vesi 10. UPawule uhlanganisa igama elithi inyoka kuvesi 9 negama elithi umbulali noma umbhubhisi kuvesi 10. USathane ungumbhubhisi.

> Sinenkosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu linguAbadoni, kepha ngesiGerike inegama lokuthi uAph！liyoni. iSambulo 9:11 (NLT)

Ngesikhathi abantu benza isikhala ogangeni ngokungalaleli kwabo, uSathane wakwazi ukuba engine eqale ukubulala abantu. Iqiniso elithi abashiqileli noma abahumushayo basebenzise ugama elithi *wathuma* uma bechaza ukukhululwa kwezinyoka kuletha isibuko esiphele kulabo abafunda indatshana. Umbono othi uNkulunkulu wathumela izinyoka ukuba zibulale abantu kungukubuyiseleka kwalakho abakucabanga ngoNkulunkulu. Labo asebebheke impilo kaJesu njengesithombe sikaYise, bazovele befune izimpendulo zokuchaza lendaba ethusayo. Ingabe uNkulunkulu angathumela ezimbi ukuba zibulale abantu ngoba bekhonona? Lokhu kumelene kakhulu nempilo nesimilo sikaJesu. Ukuphenya kwami eBhayibhelini kwangiletha ku1KwabaseKorinte 10:9,10

ekhuluma ngalendatshana ilethe isici esikhomba umkhondo sokuthi babulawa ngumbhubhisi. ISambulo 9:11 isitshela ukuba umbhubhisi yingelosi yakwalasha. Bese siqaphele ukuba igama elithi wathumela lingashiqilelwa ngezindlela ezimbalwa; kanjalo sithola ukuvumelana uma sifuna ukuphenya.

Into edidayo ngalendatshana ngeyokuthi kungakani uNkulunkulu ezoyala ukuba uMose enze inyoka yethusi eyibeke ensikeni etshele abantu ukuba bebheke yona uma befuna ukusinda? Lokhu akujwayeleki. EBhayibhelini inyoka iyisifanekiselo sikaSathane.

> Wayesephonswa phansi udrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye. iSambulo 12:9

> Kepha nginovalo lokuthi njengalokho inyoka yamkhohlisa u-Eva ngobuqili bayo, kanjalo izingqondo zenu mhlawumbe zingadukiswa, ziyeke ubuqotho nobumhlophe ngakuKristu. 2kwabaseKorinte 11:3

Kuza kanjani ukuthi ukubheka inyoka esensikeni kungaletha ukusinda kumuntu olunyiwe? Ingabe ngumuphi umyalezo uNkulunkulu wayefisa ukubafundisa wona? Lemibuzo isiletha kuloba busuku uJesu ekhulumisana noNikodemu. Ingabe uKrestu uzifanise nenyoka?

> Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa. ngokukaJohane 3:14

UJesu uziqhathanisa nokuphakanyiswa kwenyoka emthini. Amakhrestu amaningi aqonda iqiniso lokusindiswa ngokubheka kuJesu owalengayo emthini.

Uma isoni singaphansi kwesiqalekiso sibheka kuKhrestu, sibona esithwalela isiqalekiso, kudaleka ukubonga okuguqula inhliziyo nesimilo. Lokhu kuletha ukusindiswa esiqalekisweni sesono esidalwa yizilingo zikaSathane, izilingo ezinje ngokulunywa yinyoka okuletha ukugula nokufa.

Kungani kwasetshenziswa inyoka ensikeni njengesifanekiselo sokusindiswa? Ingabe kwakuzokwenza umqondo yini ukwenza umfanekiso wewundlu ensikeni? UKhrestu uhlangana kanjani nesifanekiselo sikaSathane?

> Ongasazanga isono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe-ngukulunga kukaNkulunkulu. 2kwabaseKorinte 5:21

Ukubethelwa kukaKhrestu kwaveza isimilo sikaSathane. Isiphambano sikaKhrestu siveza kokubili; umphumela ongukubhujiswa okuzowela izoni ezizonqaba ukuphenduka, ngesikhathi esifanayo sambula isimilo sangempela sikaSathane njengombulali onendluzula. Ukwenzela bonke bebona uSathane eveza umoya wakhe okhohlakele, amandla angakaKhrestu avunyelwa ukuba esetshenziswe nguSathane ephethe izingqondo zamadoda ayezwisa uKhrestu ubuhlungu, nokumbulala. Ukuba uNkulunkulu evumele iNodadana yakhe inikelwe ekufeni, nasendluzuleni iveza uthando olungaphezu kokuqonda kwethu, elibizwa ngokuthi Agape. Isiphambano siletha ukukhanya esimilweni sangempela sikaSathane nomphelo osabekayo wezoni.

Esiphambanweni uJesu wamemeza “Nkulunkulu wami ungishiyelani na?” Lesi yisimo sesoni esizwa isisindo sesono saso. Ngalobu buhlungu bengqondo, isoni esiqondiswe ngokujulile esonweni saso sizwa sigwetshwa emoyeni waso. Kuso, kuzwakala sengathi uNkulunkulu uphefumula umlilo phezu kwaso, kodwa empeleni siyazigweba ngokwaso uma sibhekana nothando lukaNkulunkulu olungena-mina.

Nansi into enza isiphambano sidide iningi. Siveza indluzula esesimilweni sikaSathane, nomphumela wemvelo oza ngenxa yempilo yesono kodwa isoni sizwa sengathi uNkulunkulu, entukuthelweni yakhe, uthela amalahle phezu kwesoni. Ubuso bukaNkulunkulu obunothando buyafihleka ebumnyameni bokuzisola, imizwa esalayo lusizi lwesono. Sibona amahlangothi omabili wesiphambano empilweni kaKayini. Isishiqilelo sika-Wycliffe siveza lemibono emibili ngalokhu.

> Khona wathi uKayini kuJehova: isono sami sikhulu kunokuba ngisithwale(ngisixolelwe);(UKayini wathi kuJehova, isijeziso sami sikhulu kunokuba esithwale) (14) Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba, ngicashe ebusweni bakho… Genesise 4:13-14(Wycliffe Translation).

UKayini ezwa ukuzilahla kwakhe, okungumphumela wemvelo wesono. Uzwa sengathi isono sakhe sikhulu ngendlela yokuthi asina kuthethelelwa. Kodwa ngesikhathi esifanayo kunemizwa yokubuyisela lokhu phezu

kukaNkulunkulu, ukumthwalisa icala lalemphumela. Lawa ngamahlangothi omabili wokwahlulela, kanjalo amacala amabili wesiphambano.

1. Ukuzisola nokuzilahla ngaphandle kwethemba lentethelelo.
2. Ukubeka icala phezu kukaNkulunkulu, nokumenza ebe nguye oletha umphumela owela phezu kwethu ngokwahlulela.

Kungenxa yalamaphuzu ukuba uma sibona indluzula eBhayibhelini, isuka iveza isimilo sikaSathane, kodwa kubonakala sengathi uNkulunkulu uthulula ulaka nentukuthelo yakhe phezu kwesoni. Ngezibuko zesoni, ukwahlulela kuzohlala kuzwakala sengathi uNkulunkulu nguye obusa njengendlovu-kayiphikiswa, noma inkosi ebusa ngonya.

> Ukubonakala kwenkazimulo kaJehova kwakunjengomlilo oqedayo esiqongweni sentaba emehlweni abantwana bakwa-Israyeli. uEksodusi 24:17

Njengoba sesishilo esahlukweni esidlulile, ukuze uSathane ebonakalise indluzula nobudlwangudlwangu bakhe, uKhrestu kwamele ezidele, ethwale isiphambano sokuhlupheka ebona izingane zakhe zisezinhlungwini. Lezinhlungu zidazulula isimilo sikaSathane. Inkinga ngeyokuthi abantu bezwa sengathi nguNkulunkulu obabhubhisayo, ngoba onembeza babo bebaqondisa ngezono zabo, unembeza ubavezela ukuba balindelwe wukufa.

> Abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelana nabakwenzayo. kwabaseRoma 1:32

Kodwa uma sibona uKhrestu ephakanyisiwe esiphambanweni ngamehlo amasha angina zinkwethu, sibona inyoka iveziwe siqonde ukuthi uNkulunkulu okasuye umbhubhisi; uSathane nguyena umbhubhisi. Lokhu kwelapha inhliziyo yomuntu ebutheni enabo maqondana noYise, ecabanga ukuba nguye osibulalayo. Isifanekiselo siyathathekisa ngempela, kanti kuthatha isikhathi ukusiqonda, kodwa iqiniso limile elithi uma sibona inyoka ezahlulelweni iziseBhayibhelini, uzopholiswa usindiswe ebutheni bakho maqondana noNkulunkulu. Kuzoba nokubuyisana phakathi kwakho naye novalo lwakho luxoshwe.

> Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunezijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni. 1kaJohane 4:18

Ngalamavesi engqondweni, manje sesilungele ukusetshenziswa kwenduku eyaphenduka inyoka ngesikhathi sezinhlupho ezilushumi.

> Wayesithi kuye uJehova: kuyini lokho okusesandleni sakho na? wathi: yinduku. (3) Khona wathi: iphonse phansi. Wayeseyiphonsa phansi. Yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela. (4) Wayesithi uJehova kuMose: yelula isandla sakho, uyibambe ngomsila, wayeselula isandla sakhe, wayibamba; yaphandeku induku esandleni sakhe. (5) Ukuba bakholwe ukuthi uJehova uNkulunkulu wawoyise, uNkulunkulu ka-Abrahama, noNkulunkulu ka-Isaka, noNkulunkulu kaJakobe, ubonakele kubo. Eksodusi 4:2-5

Induku noma udondolo luyisifanekiselo samandla. Ngokwesikhosi ibizwa ngokuthi iNtonga. UKhrestu iNdodana kaNkulunkulu uneNtonga.

> Kepha ngeNdodana uthi: isihlalo sakho sobukhosi, Nkulunkulu, singesaphakade naphakade; intonga yobuqotho iyintonga yombuso wakho. kumaHeberu 1:8

UKhrestu ubuye ebizwe ngokuthi uyintonga.

> Ngiyambona, kepha kungemanje; ngiyambheka, kodwa kungeseduze; kuyakuvela inkanyezi kuJakobe, **nentonga yobukhosi iyakuvuka kwaIsrayeli**, ishaye uMowabi emaceleni, ichithe onke amadoda kaSheti. uNumeri 24:17

UKhrestu ungamandla kaNkulunkulu (1KwabaseKorinte 1:24) kanti usesandleni sokunene sikaNkulunkulu(KumaHeberu 1:3). Ubuye ebizwe ngokuthi uyisandla sikaNkulunkulu esikhulu noma lokhu esikubiza "indoda yasokunene sakhe."

> Isandla sakho sokunene, Nkosi, sidumisekile ngamandla aso; esokunene sakho, Nkosi, siyaphahlaza isitha. Eksodusi 15:6

UNkulunkulu utshela uMose ukuba yena uzokuba njengoNkulunkulu, uAroni ebeyisikhulumi sakhe. Eksodusi 4:16. Ngesikhathi uMose wayekhulula induku yakhe yawela phansi, amandla akuKhrestu aphenduka

afana nenyoka. UKhrestu ungamandla kaNkulunkulu. Ngesikhathi uNkulunkulu ethi kuSathane, "Bheka, konke anakho kusesandleni sakho," (Jobe 1:12) uNkulunkulu wayekhulula induku yakhe eyilahlela phansi. Induku inguKhrestu, yena owanikelwa namandla akhe kuSathane ukuveza injongo kaSathane; njengoba uSathane wavusa amasosha wamaRoma ukuba bephoxe uKhrestu ukuthwala isiphambano eye naso entabeni yaseKhalivari, eshaywa.

Izingqondo zalamasosha zaziphethwe, ziholwa nguSathane, kodwa umphefumulo wokuphila wawuvela kuye uKhrestu, onokuphila okwakukhanyisela wonke umuntu oza emhlabeni. Amandla kaKhrestu emphefumlweni yabantu asetshenziswa nguSathane ukumbethela emthini. Ngisacela ume ucabange ngalomqondo umzuzwana. Umfanekiso owodwa wesosha lamaRoma liphakamise isando, libethela isipikili ezandleni eziligugu zoMsindisi, lomfanekiso uphethe isixazulula-nkinga sezinhlupho zaseGibithe, namandla okwonakala esikubona emhlabeni wonke. Nansi induku eyawela phansi:

> Waqhubeka ingcosana, wawa phansi, wakhuleka ukuba, uma kungenzeka, kudlule kuye lomzuzu. ngokukaMarku 14:35

Konke lapho abantu bawela phansi ngenxa yokusetshenziswa kwamandla achithayo nabhidlizayo, kukhona induku ewela phansi, ephenduka inyoka.

> Bayiletha kuye. Kwathi umoya embona, wayihlukumeza kakhulu masinyane, yawa phansi emhlabathini, yazigingqa ikhihliza amangwebu. ngokukaMarku 9:20

Ngakho-ke siyabona ukuba konke esibona ukuhlukunyezwa nokuhlushwa kwabantu, sibona iqiniso elithi:

> Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye, ingelosi yobuso bakhe yabasindisa; ngothando lwakhe nangokuhawukela kwakhe wabahlenga, wabanqukula, wabathwala zonke izinsuku zakuqala. uIsaya 63:9

Iqiniso lithi ngabe uNkulunkulu ekwazi ukusebenzisa amandla nodlame, wayengavele eqede izimpilo zalabo abakhetha ukulandela uSathane, ukwenzela amandla kaNkulunkulu akuKhrestu angasetshenziswa nguSathane ngesikhathi ebhubhisa. Kepha ukwenzela wonke umuntu ephiwe inkululeko yokukhetha, uKhrestu kwamele evumele amandla akhe

ebantwini asetshenziswe nguSathane uma abantu benquma ukuvukela uNkulunkulu nemithetho yakhe. Ingabe uSathane lamandla uwasebenzisa kanjani? Bonke abantu abangaphathwanga nguNkulunkulu baphethwe nguSathane. Uma bengaphansi kwesandla sakhe ubenza bechithane. Uma izingqondo zabantu zingaphansi kwesandla sikaSathane, amandla okuphila abawaphiwe nguKhrestu asetshenziswa injongo kaSathane. Kanjalo-ke amandla kaNkulunkulu aguqulwa inyoka ngesikhathi ekhishwa esandleni sakhe.

Uma sifunda ngezimpi ezinkulu zomlando wezezwe, lapho izigidi zabantu zabulawa ngendluzula, amandla kaKhrestu aphiwe abantu asetshenziswa nguSathane ukwenza umsebenzi wakhe wokubhubhisa. Kukho konke lokhu kuchithakala, uNkulunkulu utshengisa uthando lwakhe ngokunikela ngeNdodana yakhe ukuba eveze izimiso zendluzula zenyoka. Ingabe siyaluqonda yini usizi lukaKhrestu njengoba umphefumulo awunikela abantu wasetshenziswa ngezinsuku zamaRoma? Amaligioni wezinsizwa zigcwele ngoMoya weNdodana zime zilungele ukulwa. Amabutho amabili agcwele ngokuphila kukaKhrestu eqhutshwa nguSathane ukulwa, zigencana ngezinkemba nemikhonto, ngemimese nemicibisholo. Njengoba insizwa iphefumula kokugcina, uKhrestu usuka elapho ezwa usizi olukhulu njengoba ebona lemiphefumulo ifa, inegazi ezandleni zayo ikhanukela igazi ezinhliziyweni zayo. Amandla kaKhrestu aguqulwa inyoka ngesikhathi lamadoda ekhetha ukuzikhipha ezandleni zikaNkulunkulu. Kodwa ukuze umusa kaSathane onendluzula udazululwe, uKhrestu sekumele ezidele yena, evumele ukuba ebhotshozwe lusizi lokubona ukuphila kwakhe kusetshenziswa ukwenza izinto ezinokukhohlakala nobulwane obunje. Ngazo zonke izenzo zobudlwangudlwangu uKhrestu uyabhotshozwa ngoba kwamele ezidele, ethathe isiphambano, evumele amadoda ukuba abenenkululeko yokukhetha isiphetho abafisa ukuba naso.

Cabangisisa kahle leliphuzu, ibaluleke kakhulu ekuqondeni amandla wokusindisa wenyoka esensikeni. Ukuzidela kukaKhrestu ngesikhathi evumela amandla akhe ukuba esetshenziswe nguSathane kuveza sobala isimilo sikaSathane sangempela. Ngesikhathi uKhrestu evumela ukuba amandla akhe esetshenziswe nguSathane embulala, indluzula nobudlwangudlwangu bangempela benyoka bavezwa. Isiphambano sangempela sivula umnyango ukuba bonke bebone ukuthi bonke ubudlwangudlwangu bunomsuka wakho kuSathane. Ivulela abantu ithuba lokubona ukuba nempela uNkulunkulu izitha zakhe uyazithanda. KuKhrest,

uNkulunkulu wenza ukuba izwe libuyisane naye, waveza isimilo sakhe sothando esingena 'mina.' Nokho, ukwenzela inyoka ichithwe ekugcineni amandla kaKhrestu kwakumele ephindiselwe esimeni senduku.

> Wayesithi uJehova kuMose: yelula isandla sakho, uyibambe ngomsila, wayeselula isandla sakhe, wayibamba; yaphandeku induku esandleni sakhe: Eksodusi 4:4

Ingabe umsila umeleni?

> Ilunga nophakemeyo bayikhanda, nomprofethi ofundisa amanga ungumsila. uIsaya 9:15

Umsila wenyoka uthwele amanga awasebenzisa ukudukisa izwe lonke ngesimilo sikaNkulunkulu. USathane wenze ukuba umhlaba wonke ukholwe ukuba uNkulunkulu ngolaka nentukuthelo yakhe ubulale iNdodana yakhe ngendluzula.

> Kepha yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe. uIsaya 53:4

Ukwenzela amandla wenyoka ephulwe, amanga akhulunywe nguSathane maqondana nesimilo sikaNkulunkulu kwamele avezwe. Ngesikhathi uKhrestu ethi "kuphelile," umbuzo uthi yini okwakuphelile?

> Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze. ngokukaJohane 17:4

Uma uJesu esithi ngikukhazimulisile emhlabeni, uchaza ukuthi isimilo sakho esangempela ngisivezile emhlabeni. Eksodusi 33:18; Eksodusi 34:5-7. Ngesikhathi uKhrestu ememeza, "kuphelile," wabamba inyoka ngomsila wayo: sisho ukuthi waveza amanga ayekhulunywa nguSathane ngesimilo sikaYise, wayesithi ungumuntu onendluzula noma ubudlwangudlwangu, waveza ukuba nguSathane ongumbhubhisi nombulali kwasekuqaleni.

Ekukhanyeni kwaleliqiniso ivangeli lalinamandla okuba lishunyayelwe emhlabeni wonke ngesikhathi esifishane kangaka ngesikhathi sabaphostoli.

> Uma kambe nihlala ekukholweni, nisekeliwe nigxilile, ningagudluzwa ethembeni levangeli enalizwayo, **elashunyayelwa kukho konke**

> **okudaliweyo okuphansi kwezulu**, engenziwa isikhonzi salo mina Pawulu. KwabaseKolose 1:23

Insalele iyasala eyokuthi isiphambano emuntwini osenyameni sibukeka njengoNkulunkulu ojezisa iNdodana yakhe ukwenelisa intukuthelo nolaka lwakhe ayenalo ngathi. Lokhu sekwenze kwaba lula ukuba uSathane edale amanye amanga, kakhulukazi ngokuvuka kwendoda yesono ukufihla amandla asesiphambanweni. Lokhu sekwavumela ukuba inyoka yehle ingasabonwa ensikeni, izifihle ebumnyameni, ilume abantu isemthunzini, ibenza bekholwe ukuba nguNkulunkulu obajezisa ngendluzula.

AbaseGibithe babanamathuba amaningi wokufunda ngoNkulunkulu weqiniso ngoJosefa. UNkulunkulu wanika uJosefa ukuhlakanipha kokubusisa abaseGibithe ngokulungiselela indlala nesomiso eseza emhlabeni wonke.

> Iminyaka eyisikhombisa yendlala yayisiqala ukufika, njengalokho eshilo uJosefa; kwakuyindlala emazweni onke, kepha ezweni lonke laseGibithe ukudla kwakukhona. uGenesise 41:54

UFaro wayexwayisiwe ngephupho leminyaka eyisikhombisa yendlala eyayiseza. Ukuhlinzekela kukaNkulunkulu kwabeka uJosefa endaweni lapho ayengasiza ngokulungiselela izinhlupho zesomiso zingekafiki. Genesis 41:25-36. Kungani kwakunesomiso esisabekayo kangaka ezweni?

> Ningenzi izithombe, ningamisi izithombe ezibaziweyo noma insika; ningabeki itshe elinemifanekiso ezweni lakini ukukhothamela kulo; ngokuba ngiinguJehova uNkulunkulu wenu. (2) Anogcina amasabatha ami, nihloniphe indlu yami engcwele; ngiinguJehova. (3) Uma nihamba ngezimiso zami, nigcine imiyalo yami, niyenze, (4) ngiyakuninika imvula ngesikhathi sayo, izwe lithele ukudla kwalo, imithi yasendle ithele izithelo zayo. Levetikusi 26:1-4

Siyakhumbula kusahluko 13 ukuba uNkulunkulu wayemise imithetho yemvelo ukubusisa abantu.

> Ubudlelwano obulula obuphakathi komuntu nemvelo buchaza ukuthi uma ukwambuka kwabantu kuqhubeka kanjalo nokwambuka kwemimoya, nemililo, namanzi aminzayo kuzoqhubeka. Njengoba abantu bephula imiyalo kaNkulunkulu ngokushiseka okukhulu, kanjalo

> umhlaba uzophula imithetho yemvelo usibuyisele ukwambuka kwethu. *Agape,* Sahluko 13, pg 116.

AbaseGibithe babekhonza izithombe eziningi, nezizwe zonke ezazibazungezile. Abawagcinanga amasabatha, nendlu engcwele abayihloniphanga. Ngesikhathi uMose efika kuFaro enza isicelo endaweni kaNkulunkulu, uFaro ngokuzidla okukhulu wabuza 'ungubani uJehova' eze ethi "akamazi." Manje akusho ukuthi uFaro wayengamazi uJosefa. IGibhithe lalinothile ngenxa kaJosefa. Ngakho siyazi ukuba lokhu kwaba wukunqaba ukubuyisela udumo kuNkulunkulu.

> Ngokuba kuthe **bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga, kabambonganga njengoNkulunkulu,** kodwa balutheka ekuzidleni kwabo; inhliziyo yabo engaqondiyo yaba-mnyama. (22) Bezisho ukuthi bahlakaniphile baba-yiziwula, (23) **nenkazimulo kaNkulunkulu ongabhubhiyo bayiguqula (ya)fana nomfanekiso womuntu obhubhayo, owezinyoni, nowezilwane ezinezinyawo ezine nezinwabuzelayo.** KwabaseRoma 1:21-23

Babengagcini izimiso nezahlulelo ngoba kusukela ngezinsuku zikaNimirode, izizwe eziningi ezazithuthuka zaziyeyise uNkulunkulu osezulwini, zakhetha ukwambuka, zenze ezazikufisa. Izwe laseGibithe nelaseKhanani lalisaziwa njengezwe likaHamu.

> uIsrayeli wayesefika eGibithe, uJakobe wagogobala ezweni likaHamu. amaHubo 105:23

UHamu wayenike izizukulwane zakhe ifa elalingekho lihle ngecala elinyanyekayo alenzayo kuyise uNowa.

> UHamu uyise kaKhanani wabona ubunqunu bukayise, watshela abafowabo bobabili bengaphandle. (23) OSemi noJafethi bathatha ingubo, bayifaka emahlombe abo bobabili, bahamba nyovane, basibekela ubunqunu bukayise; ubuso babo babubheka emuva, abaze babona ubunqunu bukayise. (24) **UNowa waphaphama ekudakweni, wezwa lokho ebekwenzile kuye indodana yakhe encane.** (25) Wathi: makaqalekiswe uKhanani, abe-yisigqila sezigqila kubafowabo. Genesise 9:22-25

Iqiniso elithi ekuvukeni kwakhe uNowa wezwa, wazi okwakwenzwe nguHamu lisitshela ukuba kukhona ayekwenzile okungaphezu kwalokhu esikuzwayo. Ngesikhathi u-Israyeli ephuma eGibhithe, uNkulunkulu wabatshela ukuba bengalandeli izindlela nemisebenzi yezwe laseKhenani nezwe laseGibithe.

> Ningenzi njengokwemisebenzi yezwe laseGibithe enahlala kulo, ningenzi futhi njengokwemisebenzi yezwe laseKhanani enginiyisa kulo, ningahambi ngemithetho yabo. Levitikusi 18:3

Yiziphi izinto uJehova ayeyale u-Israyeli ngazo ukuba engazenzi, ezazisenzwa yizo zonke lezi zizwe?

1. Ukusondela kwabantu kowakubo ukwambula ubunqunu bakhe. Levitikusi 18:6-18
2. Ukusondela kowesifazane esangcolile ngokungcola kwakhe. Levitikusi 18:19
3. Ukuphinga. Levitikusi 18:20
4. Ukunikela ngenzalo yabo ezithixweni. Levitikusi 18:21
5. Ukulala kwabesilisa kwangathi bangabesifazane. Levitikusi 18:22
6. Ukulala nesilwane. Levitikusi 18:24

Zonke lezono ziyifa lamadodana kaHamu. Zonke lezizinengiso zinomphumela omubi endalweni, ngoba zimelene nemvelo.

> Ngalokho uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni zezinhliziyo zabo kukho ukungcola, bahlazisane imizimba yabo, (25) baguqule iqiniso likaNkulunkulu balenza amanga, bahlonipha, bakhonza okudaliweyo kunoMdali, ongobongekayo kuze kube-phakade. Amen. (26) Ngenxa yalokho uNkulunkulu wabanikela ekuhuhekeni okuyihlazo; ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza kwemvelo kwaba-ngokuphambene nemvelo. KwabaseRoma 1:24-26

Lezi zono, kanye nokudla ukudla okungcolile, ukuphuza igazi nakho konke kulotshiwe kuLevitikusi, kungcolisa umhlaba kuwubangela ukuba ulile, ubune.

> Umhlaba uyalila, ubune; izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakemeyo bomhlaba badangale. (5) Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade. (6) Ngalokho isiqalekiso sidlile

> umhlaba, nabakhileyo kuwo batholiswa icala; ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa, kusale abantu abayincosana nje. uIsaya 24:4-6

Abantu baseKhanani nabaseGibithe babephula umthetho kaNkulunkulu. Iminyaka eyisikhombisa yendlala yayixwayisa lezizwe ukuba izinengiso ababezenza zazizoletha umphumela ongasomuhle neze kwimvelo kusasa. UJehova ngomusa wavumela ukuba uJosefa ethathwe eye eGibithe ukwenzela ebazise ngoNkulunkulu oqinisileyo, ukwenzela bephenduke kuzozonke lezizinengiso, besindiswe ekubhujisweni yimvelo. Maqondana nezinengiso zabantu abashisekelanayo nasi isixwayiso esisinikiwe emthethweni.

> Izwe lingcolile; ngalokho ngahambela ububi balokulo, izwe lahlanza abantu balo. uLevitikusi 18:25

Izinengiso zaseGibithe naseKhanani zazilungiselela izwe ukuba lihlanze abantu balo. Ukwambuka kwabantu kuNkulunkulu kwakuzobuyiseleka ebantwini ngemvelo. USathane wayesondeza lezono kulezizwe ukwenzela akwazi ukuletha umphumela wobudlwangudlwangu wemvelo, bese ebeke icala phezu kuNkulunkulu nokuthi ngolaka lwakhe nguye ochitha abantu, kodwa sonke lesisikhathi uJehova wayefise ukusindisa abaseGibithe nezinye izizwe ezazikhonza izithombe ezazibazungezile. Wayengafisi ukuba noyedwa kubo ebhubhe, kodwa benqaba ukuzwa izaluleko.

Njengoba sicabanga ngezinhlupho kwamele sikhumbule nail ivesi elibaluleke kakhulu.

> Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho, oNgcwele ka-Israyeli, uMsindisi wakho; ngiyanika iGibithe libe-yihlwawulo lakho …uIsaya 43:3

IBhayibheli likhuluma ngezinhlupho zokugcina ngenkulumo efana neyasesiphambanweni. Inhlawulo noma isihlengo sakhokhwa ukwenzela u-Israyeli ekhululwe. Kunemifanekiselo eminingi ezinhlupheni zaseGibithe kanti asizukukhuluma ngayo yonke okwamanje. Indawo esizoqonda kuyo okwamanje kuyisambulo sesiphambano ngezibuko sezinhlupho ezawela abaseGibithe.

> OMose noAroni bangena kuFaro, benza njengalokho uJehova ebayalile' uAroni waphonsa phansi induku yakhe phambi kukaFaro naphambi kwezinceku zakhe, yaphenduka inyoka. uEksodusi 7:10

Isimanga senduku eyaphenduka inyoka siyaphindwa phambi kukaFaro. Lokhu kwaletha isifundo eGibithe sokuba amandla wenyoka wayeseduze nokukhululwa

> Waphonsa kubo ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka, nokufutheka, nokuhlupheka, ngokuthuma **[ngokukhulula] izithunywa zobubi kubo.** Amahubo 78:49

Incwadi yamaHubo ikhuluma ngokukhululwa kwamandla ezithunywa zobubi uma ichaza kabanzi izinhlupho ezawela emhlabeni.

> **Waphendula lapho imifula yabo nemifudlana yabo yaba-yigazi,** ukuze bangabi-nakuphuza. (45) Wathumela phakathi kwabo izibawo ezabadlayo namasele ababhubhisayo. (46) Wanika imiswenya ukudla kwabo, nomsebenzi wabo isikhonyane. (47) Wabulala imivini yabo ngesichotho, nemikhiwane yabo ngesanquma. (48) wanikela izinkomo zabo esichothweni nezimvu zabo kuyo imibane. (49) Waphonsa kubo ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka, nokufutheka, nokuhlupheka, ngokuthuma [ngokukhulula] izithunywa zobubi kubo. (50) Walungisela intukuthelo yakhe indlela; akaphephisanga umphefumulo wabo ekufeni, kepha **wanikela ukuphila kwabo ezifweni.** (51) Washaya amazibulo onke aseGibithe, okokuqala kwamandla abo emathendeni kaHamu. Amahubo 78:44-51

Iningi yezinhlupho echazwa ngaphezulu ihlanganiswa nokukhululwa kwezithunywa zobubi noma izingelosi ezibulalayo. UNkulunkulu wabanikela ezifeni ngoba benqabe ukumbonga nokumhlonipha nemithetho yakhe. Igama elithi izifo liveza ukuphulwa kwesivumelwano sikaNkulunkulu esingunaphakade.

> Ngiyakunehlisela inkemba yempindiselo **iyakuphindisela isivumelwano sami;** senibuthelwe emizini yenu, ngiyakuthuma isifo phakathi kwenu, **ninikelwe esandleni sesitha.** Levitikusi 26:25

Akukhanyi indlela izithunywa zobubi ezazizophatheka ngayo, noma indlela ezasebenzisa imithetho yemvelo eyayihlanza abebakhile kulo izwe. Nokho yilezinto ezimbili – imithetho yemvelo ihlangane nemisebenzi yezithunywa zobubi okwaletha ukuchithwa kweGibithe. Nokho ngalendlela yokuchithwa kwezwe, uNkulunkulu usalule isandla ezama ukubenza ukuba bephenduke ezonweni zabo besindiswe. Kwamele sikhumbule ukuba

wonke amandla abonakaliswa ayevela kuKhrestu ngoba nguye amandla nokuhlakanipha kukaNkulunkulu. Noma kunjalo uKhrestu kwakumele ethwale isiphambano sokuhlupheka kwakhe ngokuvumela lezenzo zokuchithwa ukuba zenzeke.

Amandla kaKhrestu ayekhona kubo bonke ababeseGibithe. UKhrestu uba nosizi olukhulu ekubulaweni kwanoma ngumuphi umuntu. Ingamcabanga yini umama oseGibithe ethwele ingane yakge efile, eguqe ngaphezu kwesidumbu sengane yakge ekhala ngokudabuka komoya? Nalapha uKhrestu ezinhlupheni zalomama wahlupheka naye, nalapho isiphambano siyaphakanyiswa uKhrestu ubethelwa kasha. Ngesikhathi uNkulunkulu evumela ukuba uSathane ethathe amandla eNdodana yakhe, uvumela ukuba uSathane ethinte isolakhe.

> Walungisela *intukethelo* [H639 impumulo; ubuso] yakhe indlela, akaphephisanga umphefumulo wabo ekufeni, kepha wanikela ukuphila kwabo *ezifweni*[H1698 ekubhujisweni]. amaHubo 78:50

Lelivesi lichaza izinhlupho zaseGibithe. Lithi uNkulunkulu walungisela ubuso bakhe indlela. INdodana yakhe ethandekayo uyintokozo yokuphila kwakhe. Ngokuvumela ukuba abaseGibithe befele ezandleni zombhubhisi, wavumela usizi nokuhlupheka kweNdodana yakhe; kanjalo-ke uYise wema yedwa ebumnyameni, wakhalela iNdodana yakhe ngesikhathi sezinhlupheko zaseGibithe, nakho konke eyayidlula kukho iNdodana.

Izinhlupho aziveli nje eskhaleni, kodwa ziqondene nabonkulunkulu ababekhonzwa eGibithe. AbaseGibithe, njengabo bonke abezizwe, kwakumele bethobeze onkulunkulu babo, bengenzi lutho olwaluzobacasula, kungenjalo babezojeziswa. Izinhlupheko zibuyiseleka phezu kwabaseGibithe ngesibuko sezwi likaNkulunkulu. Ngokuzisola kwabo ngenxa yezinengiso zabo zonke, ukukhonza kwezithombe, ukubulawa nokunikelwa kwenzalo, ukuphatha izigqila ngonya, ukushisekelana, nempendukezela yokwecansi kwakubuyela phezu kwabo esibukweni. Umfula omkhulu wakhona u*Nile*, wawukhonzwa ngaphansi konkulunkulu othiwa uHapi, unkulunkulu wenzalo.

Umyalo wokuphonsa izingane zabafana emfuleni iminyaka engu 80 adlulile wawuphindela phezu kwabo esibukweni. Ngesikhathi esifanayo imithetho yemvelo eyayithwelwe nguKhrestu yayibhidlika ngenxa yesisindo sezinengiso zonke ezaziqhubeka. Njengoba iNdodana kaNkulunkulu ibheka

ikusasa leGibithe, yasindwa lusizi, kanti umfula usitshengisa isifanekiselo salokho uKhrestu akuzwa ensimini yaseGetsemane ngesikhathi ethonta igazi, umzimba wakhe sewuzinikela. Kwakuyisisindo sesono esasichitha uKhrestu, kanti kwakuyizenzo zokuzingcolisa kwabaseGibithe okwakuchitha umfula omkhulu waseGibithe nakho konke okwakuphakathi kwawo.

Ukusetshenziswa kwenduku kubalulekile.

> UMose noAroni base bekwenza-ke njengalokho uJehova ebayalile; **waphakamisa induku, washaya amanzi asemfuleni** emehlweni kaFaro nasemehlweni ezinceku zakhe; onke amanzi asemfuleni aphenduka igazi. uEksodusi 7:20

Ukuhlola kwalapho intonga noma induku isetshenziswa khona eBhayibhelini ukushaya kubalulekile.

> Kepha uyakwahlulela abampofu ngokulunga, anqume ngokufaneleyo abathobileyo bomhlaba, **awushaye umhlaba ngentonga yomlomo wakhe,** abulale ababi ngokuphefumula kwezindebe zakhe. uIsaya 11:4

Induku iyisifanekiselo seZwi likaNkulunkulu nomphefumulo womlomo wakhe. Ngesikhathi uKhrestu elenga emthini, kwakuyisisindo sesono somthetho ophiliwe esadala ukuvutha okunjengomlilo emphefumlweni wakhe. Isimiso sokushaya sivela kwezinye izindawo eMbhalweni.

> Buthani ngamaviyo, ndodakazi yamaviyo; usivimbezele, **bayakumshaya umahluleli wakwa Israyeli** ngenduku esihlathini. uMika 5:1

> Vuka, nkemba, uvukele umalusi wami, uvukele umuntu ongumngane wami, usho uJehova-sebawoti; **shaya umalusi,** zize zihlakazeke izimvu, besengiphendulela abancane isandla sami. Zakariya 13:7

> Bheka, ngiyakuma phambi kwakho edwaleni laseHorebi; **uzakushaya itshe**, kuphume amanzi kulo abantu baphuze. Wenza njalo uMose emehlweni amalunga akwa-Israyeli. Eksodusi 17:6

UKhrestu ungumbusi wayo yonke indalo. Ububi baseGibithe babuncolise umhlaba, badala ukuba uKhrestu ehlatshwe ngumqhele wameva. Ukushaywa kwamanzi kwakuveza lokho ababekwenza iNkosi. UKhrestu

ungumthombo wamanzi okuphila, kanti babemshaya bembangela ubuhlungu obukhulu. UNkulunkulu wayebavezela ukonakala nokulimala kwezenzo zabo. Nangu umsebenzi womthetho – ukubuyisela kumuntu isimo sakhe esiwile. Nokho umhlaba wonke ubheka lokhu sengathi uNkulunkulu nguye owonakalisa umthombo wokuphila wabaseGibithe. Umhlaba wonke ubona uKhrestu engumuntu oshayiwe wahlushwa nguNkulunkulu. Ngesikhathi uKhrestu ehlatshwa ohlangothini kwaphuma igazi namanzi, kanti lokhu yikho esikubona emfuleni waseGibithe.

Inhlupheko yesibili, kwaba yisibuko ngenxa yomunye unkulunkulu ababemkhonza uHekhethi.

> uHekhethi (Egyptian ḥqt, also ḥqtyt "Heqtit") ngunkulunkulu waseGibithe wenzalo, ohlobene noHathori, obonakaliswa njengesele. [1] KwabaseGibithe isele noma ixoxo kwakungumfanekiselo wenzalo, ihlobene nezikhukhula zomfula uNile… Kuyaphakanyiswa ukuba igama lakhe uvela lapho kwavela khona igama elithi Hecate, unkulunkulu wobuthakathi wamaGerike.*Wikipedia*.

Inzalo nokuvunda kwaseGibithe kwakuchithwe ngenxa yezinengiso zabakhileyo kulo. Umhlaba wawubahlanza kanti amasele aba wukubuyiseleka kwalokhu kuhlanza. UNkulunkulu wayevumela ukukhonza kwabo kubuyiseleke phezu kwabo esibukweni. Ukusaba konkulunkulu babo kwakubuyiselwa phezu kwabantu. Njengoba uJesu esitshela:

> Ngokuba ngokwahlulela enahlulela ngakho nani niyakwahlulelwa ngakho, nangaleso silinganiso enilinganisa ngaso nani niyakulinganiselwa ngaso. NgokukaMathewu 7:2

Ngesikhathi esifanayo isifanekiselo samasele siveza ukudukiswa. Sibonile ngaphezulu ukuba uHekhethi wayehlobene nobuthakathi. USathane wayesenza lezibonakaliso zemvelo esebenzisa abapristi bakhe. Amasele ahlangene nemimoya yamademoni eyenza izibonakaliso.

> Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako, nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga omoya abathathu abangcolileyo, befana nezingxangxa; (14) **Ngokuba bangomoya bamademoni, benza izibonakaliso, abaphuma beya emakhosini** ezweni lonke ukubahlanganisela ekulweni kosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla onke. ISambulo 16:13-14

> Senza nezibonakaliso ezinkulu, size senze nomlilo uphume ezulwini, wehlele emhlabeni phambi kwabantu. (14) **Futhi sibadukisa abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze phambi kwesilo,** sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele umfanekiso isilo, ebesinenxeba lenkemba, kepha sasinda. ISambulo 13:13-14

Umoya wenkohliso onamanga esibonakalisweni senyoka, nezinhlupheko ezimbili ezayenzwa ngabapristi bamanga zenza abaseGibithe bengaphenduki, ukubhujiswa kwabo kwahlelwa njengento eyayizokwenzeka. Ngendlela efanayo umoya wamanga wawukhona ekuthethweni kwecala likaKhrestu, lapho esolwa ebekwa icala ngamanga enikelwa ukufa kwesiphambano.

Inhlupheko yesithathu yayimaqondana nothuli lomhlabathi. Kwakukhona eGibithe onkulunkulu ababili ababenokwenza nomhlabathi; uHorosi owayeyinkosi yenhlabathi emnyama noSethi owayeyinkosi yenhlabathi ebomvu noma ihlane. Inhlabathi emnyama yayivundile ngakho yayisetshenziswa ukutshala izitshalo. Izintwala ezavela emhlabathini zaziyisixwayiso sokuba umhlabathi wawubola, uguga njengengubo endala.

> Phakamiselani amehlo enu ezulwini, niwubheke umhlaba phansi, ngokuba izulu liyakunyamalala njengomusi, **umhlaba uguge njengengubo, nabakhileyo kuwo bafe [ngendlela efanayo]** njengezinsisane, kepha insindiso yami iyakuma kuze kube-phakade, nokulunga kwami akuyi kuphela. Isaya 51:6

Igama lesiHeberu elithi *ngendlela efanayo* lisho izintwala. Kuyisambulo somhlaba ogugayo. Isiqalekiso sezinengiso zabantu sisinda inhliziyo kaKhrestu. Njengokusho kweHubo:

> Ubusisiwe umuntu uJehova angambaleli isiphambeko, kungekho-nkohliso emoyeni wakhe. (3) **kwathi ngithule, amathambo ami aguga ngokububula kwami usuku lonke.** (4) Ngokuba imini nobusuku isandla sakho sasinzima phezu kwami, uloya lwami loma njengokomisa kwehlobo. Sela. Amahubo 32:2-4

INdodana kaNkulunkulu yazithulela, yanika abaseGibithe inkululeko yabo, kodwa isisindo asithwala ezama ukusindisa umhlaba kwabangela ukuba ebubule.

> Ngokuba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kunezinseka kuzekube-manje. KwabaseRoma 8:22

Lokhu kububula nalezi zinseka ziveza izinhlupheko zikaKhrestu ensimini ngaphansi kwesisindo sesono. Kumuntu osenyameni lenhlupho iveza intukuthelo kaHorosi ewela abantu, kepha umuntu kamoya ubona ukubola nokudangala komhlaba ngaphansi kokukhohlakala kwabaseGibithe nezinhlupheko zikaKhrestu eziza njengomphumela walokho.

Inhlupheko yesithathu yayigoqela yonke inhlobo yeswebezane, sezibawu, nezilokazane kungenzeka nezinkumabulongwe bezikhona ngokwemuhumusho we-Young's literal translation. IBhayibheli lithi izwe lonke lachithwa ngalenhlupheko.

> Wenza njalo uJehova, kwangena uswebezane olwesabekayo lwezibawu endlini kaFaro, nasezindlini zezinceku zakhe, nasezweni lonke laseGibithe; izwe lonakala [lachithwa] ngenxa yezibawu. Eksodusi 8:24

Igama lesiHeberu elithi lonakala lifana nqo nalelo elisetshenziswa ukuchaza umbhubhisi owabulala amazibulo enhluphekweni yokugcina eGibithe. Yigama elifanayo futhi elisetshenziswa ukuchaza umhlaba ngaphambi kokuba uzamcolo efike.

> UNkulunkulu wabona ukuthi umhlaba **wonakele,** ngokuba inyama yonke yayonakalisile indlela yayo emhlabeni. Genesise 6:12

Inhlupheko yesine yaba wukubonakalisa kwezinengiso zabaseGibithe. UFaro wayeyise waphika uNkulunkulu weqiniso osezulwini, wenza izinto ezingubutha kuNkulunkulu, ngakho-ke imbewu ayeyihlwanyelile kanye nokhokho bakhe kwakumele beyivune:

> Isiwula sithi enhliziyweni yaso: Akakho uNkulunkulu. Yonakele, **iyanengeka imisebenzi yabo;** akakho owenza okuhle. Amahubo 14:1

> Akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu. (12) Bonke baphambukile, baphenduke imbuqa bonkana; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa. (13) Umphimbo wabo uyiliba elivulekileyo, ngezilimi zabo bayakhohlisa, isihlungu sezinyoka siphansi kwezindebe zabo. KwabaseRoma 3:11-13

INkosi yayisabambe imimoya yonke emine, izama ukusho emhlabeni ukuthi: "thula! Thula! Kodwa ekugcineni umhlaba wahlanza abahlezi kuwo.

Inhlupheko yesihlanu yaba phezu kwezinkomo, amahashi, namakamela nezimbongolo. AbaseGibithe babengasavikelekanga kumbhubhisi. Uma nje uFaro wayevume ukuphenduka, umsebenzi wezingelosi ezibulalayo nezichithayo ngemvelo bewuzovinjwa kodwa akusabanga njalo. UJehova kwakumele enikele imfuyo esandleni sombhubhisi. AbaseGibithe abavumanga ukuza kuJehova besendiswe, kanjalo uSathane wabaphatha nangaphezu kwalokho ayekuphethe.

Siyazi ukuba ngesikhathi evunyelwe, uSathane waletha amathumba kuJobe, lokhu yikho akwenza kwabaseGibithe ngenhlupheko yesithupha. Indlela uKhrestu abenosizi ngayo uma ebona abantwana bakhe abathandekayo basezinhlungwini ngenxa yamathumba, nomunya abanawo ngesikhathi evumela ukuba uSathane enze lezi zinto. Iqiniso lokuthi izinhlupheko azisawelanga phezu kwezinyamazane kuphela kodwa zadlulela emizimbeni yabantu liveza ukuba wayenamandla angaphezulu nalawo ayenawo ekuqaleni, njengalokhu ayekwenzile nakuJobe.

> Wayesithi uJehova kuSathane: inhliziyo yakho iqhaphele inceku yami uJobe na? ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, abalekele okubi; Usabambelela ekuphelelení kwakhe, noma ungivusele ukumchitha engenacala. (4) USathane waphendula uJehova wathi: Isikhumba ngesikhumba, yebo, konke umuntu anakho uyakunika ngokuphila kwakhe. (5) Kepha akewelule isandla sakho, uthinte amathambo akhe nenyama yakhe, impela uyakukuthuka ebusweni bakho. (6) UJehova wayesithi kuSathane: bheka, usesandleni sakho; kodwa gcina ukuphila kwakhe. (7) Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova, wamshaya uJobe ngamathumba amabi, usukela ematheni onyawo kuze kufike okhakhayini. uJobe 2:3-7

Amathumba aseGibithe angasho okuthile ngokuhlupheka kukaKhrestu elenga emthini. Kwaba yinhlupheko ewela phezu kwenyama yomuntu.

Izinhlupheko zabaseGibithe zaba yizinhlupheko zakhe naye, ubuhlungu babo naye wabuzwa njalo, nokho waqhubeka evumela uSathane ukuba ebonakalise ngalawamandla ngoba abantu abavumanga ukulalela

besanxuswa baphenduka basindiswa. Njengoba uJesu eshilo kubaFarisi: "kukangaki ngithanda ukukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga!"

Ekuqaleni izinhlanzi zafa, kwalandela amasele, kwalandela izinkomo, kanti manje ngamathumba emizimbeni yabo. UMose wayebaxwayisa inhlupheko ngenhlupheko ukwenzela bephenduke bebalekele umbhubhisi. Babengabalekela lenyoka elumayo bebheke inyoka esendukwini ephakanyisiwe. ngoKhrestu ophakanyisiwe ngenxa yalomunyu wezinhlupheko, inyoka yambulwa yadazululwa lokho eyikho khona – umbhubhisi. uSathane uzama ukuzifihla emandleni kaNkulunkulu, ethumele amasele kithi ukuzositshela ukuthi nguNkulunkulu uqobolwakhe owenza zonke lezi zinto.

INdodana kaNkulunkulu yahlukumezeka kakhulu ukubona amandla ayo esetshenziswa emhlabeni ukubhubhisa ngalendlela. Imithethi yakhe yemvelo, eyayibekwe ukuba ibusise labo abathanda uJehova begcina nemithetho yakhe, yaphenduka izikhali zokushabalalisa izinkulungwane zabantu. USathane kanye nezithunywa zakhe babebangela ngendlela ethile ukwandisa izinga lokubhubhisa ngoba esazi ukuba abantu bazocabanga ukuthi nguNkulunkulu owenza zonke lezi zinto.

> UMose wayeselula induku yakhe ngasezulwini, uJehova wathuma ukuduma nesichotho; nomlilo wehlela emhlabeni; uJehova wawisa isichotho phezu kwezwe laseGibithe. Eksodusi 9:23

UMose ephakamisela induku yakhe ezulwini, kwaba yisifanekiselo seNdodana kaNkulunkulu iphakanyiswa esiphambanweni. UKhrestu, amandla kaNkulunkulu, wayenikelwe kuSathane ukuba enze intando yakhe. UNkulunkulu wavumela kube nogange esivikelweni, izithunywa zobubi ezijabulela ukufa nokubhubhisa zawisa isichotho phezu kwezwe. Khumbula ukuba lithini iHubo:

> **Wabulala imivini yabo ngesichotho,** nemikhiwane yabo ngesanquma. (48) Wanikela izinkomo zabo esichothweni nezimvu zabo kuyo imibane. (49) Waphonsa ukuvutha kwentukuthelo yakhe, nolaka, nokufutheka, nokuhlupheka, **ngokuthumela izithunywa zobubi [kubo].** Amahubo 78:47-49

Isichotho ziyashiwo kuMahubo 18 ekhuluma ngezinhlupheko zikaKhrestu esesiphambanweni.

> Ekukhazimuleni okuphambi kwakhe amafu akhe abanga phambili, isichotho namalahla avuthayo. Amahubo 18:12

Qaphelisisa lithi "wanikela" izinkomo zabo esichothweni kanti igama lesiHeberu elithi *waphonsa kubo* lisho ukukhulula noma ukudedela. Sibona amandla kaNkulunkulu enikelwe uSathane, sigqizelela iphuzu lokuthi lokhu kwenzeka uKhrestu esezinhlungwini nasosizini olukhulu. Ngaso sonke uNkulunkulu evumela ukuba uSathane ebhubhise esebenzisa amandla akhe, iNdodana yakhe iyaphakanyiswa futhi esiphambanweni, kodwa ngesikhathi esifanayo uSathane uvezwa njengombulali kulabo ababheke isibuko sevangeli leqiniso. Ngenhlupheko yesichotho sinaka nangu umnininingwane:

> Kwashaywa ifilakisi nebhali, ngokuba ibhali lalikhahlele, nifilakisi laliqhakazile. Eksodusi 9:31

IBhali yayinikelwa njengokokuqala. Kubantu ababulawe yisichotho, okwolibo nakho kwachithwa konakala. Uthi uMbhalo:

> Kepha yilowo nalowo ngesigaba sakhe: uKhrestu kuqala, besekubangabangaba kaKhrestu ekufikeni kwakhe. 1KwabaseKorinte 15:23

Isichotho esiwonakalisa ibhali sifanekisela ukushaywa kukaKhrestu, yena ongowolibo. ("thina sathi  ijezisiwe" Isaya 53:4) Inhlupheko elandelayo yayingeyezikhonyane, kanti siyatshelwa ngomsuka wenhlupheko lwezikhonyane encwadini yeSambulo.

> Yayisivula umgodi wakwalasha; kwenyuka umusi emgodini njengomusi weziko elikhulu, kwafiphazwa ilanga nomkhathi ngomusi womgodi. (3) **Kwaphuma isikhonyane emsini, seza emhlabeni, sanikwa amandla njengamandla abanawo ofezela bomhlaba.** ISambulo 9:2-3

Lokhu kukhuluma ngamandla wokubhubhisa akaSathane ngobuqili bakhe, kanti yikho lokhu okwaqhubeka ngalenhlupheko. USathane wayezoququda edle lonke ithemba elihlaza elokubambelela ensindisweni. USathane wayegwaza uKhrestu ngemicabango yokuthi wonke umsebenzi

wakhe ube yize neze, futhi akakho awayezowamukela ngokubonga. Waletha isilingo esesabekayo sokuthi noYise wayezomshiya.

> Ngokuba izinja ziyangibunganyela; umbonda wababi ungizungezile; izandla zami nezinyawo zami bazibhobozile. (17) Ngingabala onke amathambo ami; bayangibukela, bangibuke bengiklibhizela. (18) Babelana izingubo zami, benzela inkatho ngesambatho sami. Amahubo 22:16-18

> Kepha abadlulayo bamhlambalaza banikina amakhanda abo, (40) Bathi: wena odiliza ithempeli, ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni. (41) Kanjalo nabapristi abakhulu bambhiqa kanye nababhali namalunga, bathi: (42) wasindisa abanye, angezisindisi yena; uyinkosi yakwa-Israyeli akehle manje esiphambanweni, sikholwe nguye. (43) Wethembile uNkulunkulu; makamkhulule manje, uma emthanda, ngokuba wathi; ngiyiNdodana kaNkulunkulu. (44) Kepha nabaphangi ababebethelwe esiphambanweni kanye naye, bamdumaza kanjalo. NgokukaMathewu 27:39-44

Inhlupheko yesishiyagalolunye yobumnyama ibuyisela kwabaseGibithe ulaka lukankulunkulu wabo welanga uRa, kodwa kulabo abafuna iqiniso ikhuluma ngezinhlungu zikaKhrestu esiphambanweni njengoba ezungezwe ngamademoni. Ngalesi sikhathi uSathane wayesazi ukuba ukuchithwa kweGibithe kwakufezekile; lesizwe esikhulu esasifunde okuningi kwabase-Israyeli emuva, isizwe esasibusiswe kangaka nguNkulunkulu. Ukusineka obunobuqili obusebusweni balomuntu okhahlakele kuyavela njengoba esazi ukuba iGibithe selizobhubhiswa ekupheleni. Ngalokhu kubhujiswa kuvezwa izinhlupheko zikaKhrestu esiphambanweni nosizi lwakhe njengoba ebona yebo elahlekelwa ngabantwana bakhe abaseGibithe bebhujiswa nguSathane. Lobumnyama bukhuluma nqo ngokwenzeka esiphambanweni.

> Benginani imihla ngemihla ethempelini, anelulanga-zandla kimi; **kepha lokhu kuyihora lenu namandla obumnyama**. NgokukaLuka 22:53

> Kepha kusukela ngehora lesithupha **kwabanyama emhlabeni wonke,** kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye. NgokukaMathewu 27:45

Ingabe ihora lesishiyagalolunye lihlobene yini nezinhlupheko zehora lesishiyagalolunye? Akusenani, lesi kwaba yisikhathi esimnyama kunazo zonke kuKhrestu nakwabaseGibithe. Bobabili bawelwa wukwesaba kwalokho okwakuwela phezu kwabo. Ubumnyama buphinde bukhulume ngokufihlakala okuphelele kobuso bukaYise.

> Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona lokuthi **uNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye**. 1 Johane 1:5

Ubumnyama buveza into yokuthi uSathane sekephethe, sekelawula yonke into eGibithe. Konke okwakusele manje kwakuwukufa kwamazibulo okwabayinhlupheko yokugcina, umsebenzi wokugcina wombhubhisi. Ekubulaweni kwawo kuvezwa ukufa nokubulawa kukaKhrestu. UKhrestu wayengavuma ukufa esikhundleni sabo! Kodwa bazikhethela umbhubhisi kanti manje kwakumele bebhekane naye. Nokho ngomusa, kulabo ababefake igazi lewundlu ezinsikeni zeminyango yezindlu ngokholo, uSathane akavunyelwanga ukungena lawo makhaya.

> Ngokuba uJehova uyakudabula ukuyoshaya abaseGibithe; nanxa ebona igazi elisekhothameni nasezinsikeni zombili, uJehova uyakudlula kulowomyango, **angamvumeli umbhubhisi ukuba angene ezindlini zenu ukuyobulala.** Eksodusi 12:23

Futhi, asizikhumbuzeni - ngubani umbhubhisi nombulali?


> Sinekosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu lingu Abadoni kepha ngesiGerike inegama lokuthi u-Apholiyoni — umbulali. ISambulo 9:11 (NLT).

> Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa ngumbulali. [Inyoka enobuhlungu] 1KwabaseKorinte 10:10

Ngokuphoxela uNkulunkulu ukuba esuse isivikelo sakhe, izithunywa zobubi azisavinjwanga emsebenzini wazo; amazibulo onke aseGibithe abulawa, okwakungukubonisa ukubulawa kukaKhrestu kungakenzeki. Ezinhluphekweni eziyishumi zaseGibithe, isiphambano sikaKhrestu saphakanyiselwa phezulu ukuveza ukuba amandla kaNkulunkkulu asetshenziswa ukuchitha okuhleliwe ngemithetho yemvelo ngenxa yokukhohlakala kwabaseGibithe; lokukhohlakala kwadala umfatu ogangweni lwesivikelo olwavumela ukuba uSathane nezithunywa zakhe

bengene bebhubhise. Lenchithakalo yenzeka kuphela ezinhlungwini nasezinhluphekweni zikaKhrestu owahlatshwa izwe lingekasekelwa, egwazwa yizenzo zonke zombhubhisi ebantwaneni babantu. Indlela uSathane ezonda umfanekiso kaNkulunkulu okumuntu imenza ejabule uma embulala nanoma nini engakwenza.

Indlela uSathane a thokoza ngayo ngesikhathi kubhujiswa iGibithe, nenjabulo abanayo uma ebona ubuhlungu uKhrestu noYise badlula kukho. Isandla sokunene sikaNkulunkulu saphenduka amaleperu, induku yakhe yaphenduka inyoka. Uma singabheka ngalena kwencikinciki yamasele, amanga esiwatshelwa nguSathane ngalezizinhlupheko, kulapho sibona izinhlungu zikaNkulunkulu neNdodana yakhe, isiphambano sikaKhrestu siyaphakanyiswa, kanti ngalokhu kuphakanyiswa sibona inyoka lokho eyikho khona – umbulali nomqambi wamanga kwasekuqaleni. Johane 8:44. Isiphambano sisivezela ukukhohlakala kukaSathane, nokubekezela okukhulu kukaNkulunkulu ngokumnikeza inkululeko yokwenza intando yakhe.




Imicabango yethu ethi izihlupheko ezawela abaseGibithe zivela kuNkulunkulu esebenzisa amandla ukwenzela ephoxe uFaro ukuba evumele u-Israyeli ehambe iveza indlela inhliziyo yomuntu ikhohlakele ngayo, nokuba isimilo sikaBaba osezulwini siqondwa kangakanani. UNkulunkulu akathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni, beyamukele isivikelo seSabatha, imithetho kanye nezimiso zakhe.

Asiphendukeni ezonweni zethu, size kuKhrestu ukwenzela singasambetheli simthele ngohlazo obala ngezenzo nezono zethu, kodwa kunalokhu sibethelwe naye nsuku zonke; sivukele ekuphileni okusha ngamandla

wovuko lwakhe. Ingabe siyalibona yini ivangeli lesiphambano sikaKhrestu ezinhluphekweni zaseGibithe? Nobuhlungu bakhe obukhulu ngolwazi lokuthi uSathane wayezothatha ithuba ebhubhise abaseGibithe ngesinqumo ababesithethe? Ingabe uyasibona yini isithombe sikaNkulunkulu omnene owenza konke ukuba besindiswe?

"*How deep the Father's love for us. How vast beyond all measure.That He would give His only Son to make a wretch His treasure*."[3]

> Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami, usho uJehova. (9) Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. Isaya 55:8-9

---

[3]Song by Stuart Townend, *How Deep the Father's love for us*. 1990.

## 21. Isivumelwane esingunaphakade nokubulawa komuntu omdala

ITestemente elidala ligcwele ngezindatshana zobudlwangudlwangu, nendluzula ebangelwa ngabantu bakaNkulunkulu, naye uqobolwakhe. Esikhathini esiningi izingane zethu asizifundeli lezi zindatshana ngokwesaba ukuzethusa. ITestemente elidala libukeka njengehlazo lempilo yobuKhrestu ezama ukushumayela uthando nomusa kaNkulunkulu ngendaba kaJesu.

Enye yezindlela amaKhrestu azisebenzisa ukuchaza indluzula okubukeka sengathi ivela kuNkulunkulu eTestamenteni elidala ingeyokuqonda isivumelwano esisha nesidala. AmaKhrestu amaningi afundisa ukuba isivumelwano esidala sikhuluma ngeTestmente elidala kuphela, noma isikhathi ngaphambi kokuza kukaKhrestu emhlabeni nokufa kwakhe esiphambanweni. Kwakuyisikhathi somthetho, lapho umuntu kwakumele “elalele ephile,” noma engalaleli efe. Kubuye kube nombono othi abantu eTestementeni elidala bacabanga njengabandu basendulo, ngakho babeqonda ulwimi lobudlova nobudlwangudlwangu kuphela ukuxazulula izimo.

Okuphambene nalokhu iTestemente elisha libukwa nje ngesikhathi somusa. Uthando lukaNkulunkulu luvezwe kuKhrestu, nesipho sikaMoya oyingcwele eseza ngalesa sikhathi sivumela abantu ukuba babe namava nevangeli. Ababephila eTestementeni elidala babengaphupha ngalo kuphela ngevangeli elaliseza esikhathini esasizofika, kodwa babengakwazi ukusifinyelela. Abanye abafundi beBhayibheli babheka lokhu njengeNkulunkulu ezama indlela yokwenza into eyeyahluleka, aqede ezame enye indlela yothando. Abanye bayichaza njengoNkulunkulu ezama nje ngamandla akhe wonke uMesiya aze efike. Lokhu kuletha imibuzo enje ngalona, kanti vele kungani kuthathe isikhathi eside kangaka ukuba uKhrestu eze emhlabeni? Abanye bathi kwakuzoba ngconywane uma wayethunyelwe masinya, elethe indlela yothando kusanesikhathi.




Lendlela yokubheka isivumelwano esidala nesisha iletha izimiso ezimbili ngecebo losindiso eziphikisanayo. Isivumelwano esidala sigqilisa kakhulu ukuqinisekisa ukuba umthetho uyalandelwa kanti isivumelwano esisha sibheka kakhulukazi umusa. Ukubekwa kwalezimiso ezigabeni ezimbili zesikhathi kuqinisekisa ukuba izivumelwano ziqondwa njengezinto ezimbili ezimelene neziphikisanayo. Kanti uma lezimiso ezimbili zibekwa ndawonye *njengezilandelelanayo enye emva kwenye* emaveni omuntu ngamunye ziveza indlela enhle kaNkulunkulu yokubuyisela okwalahleka.

Nanoma lenkulumo ingabukeka sengathi ijulile futhi inzima, nokuba ayinani nesimilo sikaNkulunkulu, uma iqondwa kahle kuzobonakala ukuthi ibaluleke kakhulu, futhi idlala indima enkulu kakhulu ekuxazululeni amanye amavesi okubonakala sengathi aveza uNkulunkulu engumuntu onendluzula nogcwele ngonya.

Asithatheni isibonelo somuntu onethambo elingakhuli ngendlela ejwayelekile. Uma efika kudokotela, udokotela emtshele ukuba kwamele ephule lethambo, eliqale phansi elisize ukuba likhule ngendlela efanele. Kungenzekani uma udokotela engenza ingxenye yokuqala kuphela? Kuzokwenzekani uma engaphula lelithambo kuphela elishiye linjalo? Lodokotela engabonakala njengomuntu ongakwazi ukwenza umsebenzi wakhe ngokuphelele. Cabanga ngesinye isibonelo somuntu ovakashela udokotela wamazinyo ngoba enobuhlungu obukhulu emlonyeni wakhe. Udokotela ebone ukuba izinyo lalomuntu une libole kakhulu. Esevumelane nalomuntu udokotela eqhubeke ngokubhola ukuba ekhiphe lelizinyo elilungiselela ukuba lizibuyisele esimeni salo. Ngesinye isikhathi ubuhlungu obuzwiwa ngumuntu uma ekhishwa izinyo abuchazeki. Bekuzokwenzekani uma udokotela wayezokwenza ingxenye yokuqala kuphela? Uma wayezogubha ukubola kuphela, ekhulule isiguli sakhe ukuba siye ekhaya, lelizinyo belizoqhubeka lidala ubuhlungu. Kanjalo udokotela uzobukeka

njengomunye ongenzanga umsebenzi ophelele *ngoba enze ingxenye yokuqala kuphela yomsebenzi.*

Asithini ukubheka okubhalwe eMbhalweni. Qaphelisisa ukusetshenziswa kwegama elithi *abese* uma linomuqa. Lokhu kushokhona ukuba umuntu ukwenza kokubili ngokulandelana kwakho, akenzi okunye eshiye nokunye futhi.

> Bonani manje ukuthi mina, yebo, mina nginguye, akakho uNkulunkulu ngaphandle kwami; **mina ngiyabulala, <u>bese</u>ngiphilisa, ngilimazile <u>kepha</u> ngiyakupholisa;** akakho ongophula esandla sami. Duteronomi 32:39

> **uJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, <u>abese</u>nyusa.** (7) **uJehova uyaphofisa, <u>abese</u>cebisa; uyathobisa, <u>abese</u>phakamisa**. 1Samuweli 2:6-7

> isikhathi sokubulala [**<u>bese</u>**] nesikhathi sokhuphilisa, isikhathi sokudiliza [**<u>bese</u>**] nesikathi sokwakha; (4) Isikathi sokukhala [**<u>bese</u>**] nesikhathi sokuhleka, isikhathi sokulila [**<u>bese</u>**] nesikhathi sokusina; (5) Isikhathi sokuphonsa amatshe [**<u>bese</u>**] nesikathi sokuqoqa amatshe, isikhathi sokugona [**<u>bese</u>**] nesikhathi sokungagoni. uMshumayeli 3:3-5

> Oyena futhi osenzela amandla okubayizikhonzi zesivumelwano esisha, singesiso esegama kodwa esikaMoya, ngokuba igama liyabulala, kodwa [**<u>bese</u>**] uMoya uyaphilisa. 2KwabaseKorinte 3:6

Ivesi ngalinye nalinye elingaphezuli iBhayibheli liveza umsebenzi okabili. Okokuqala wukubonwa kwesifo nenkinga nokujula kwayo bese kube khona isambulo sendlela okubuhlungu ngayo. Okwesibili kuvezwe isixazululo noma indlela yokubuyiseleka esimeni. Lena yindlela izivumelwano zombili ezisebenza ngayo empilweni yomuntu ngamunye. Ivesi eliKwabaseKorinte besibili 3:6 lixhumanisa indlela igama noma umthetho elibulala ngayo nendlela uMoya ophilisa ngayo; lokuxhumana kufezwa ngegama lesiGerike elithi ***de*** [G1161] esingalihumusha ngokuthi *bese.* I-Concordance kaStrong ichaza legama ngokuthi liyi-phathikile engathiwa "ngeqhubekisa umqondo." Izivumelwano ezimbili nazo zibonakala njengezinto eziqhubekayo, esinye silandela esinye. Isenzo sesivumelwano sakuqala suqhubeka ngesenzo sesivumelwano sesibili; esokuqala siyambula siphohloze bese isivumelwano sesibini siyabuyisela

sibuye sakhe. Isivumelwano sesibili siqhubeka lapho esokuqala sigcina khona. Asithine ukubheka ukuba zisebenza kanjani empilweni ka-Abrahamu njengokuchaza kukaPawule.

> Ngokuba kulotshiwe ukuthi uAbrahama wayenamadodana amabili, enye kuso isigqilakazi nenye kokhululekileyo. (23) Kodwa eyesigqilakazi izelwe ngokwenyama, kepha eyokhululekileyo izelwe ngokwesithembiso. (24) Lokhu kungukufanekisa; ngokuba laba bayizivumelwano ezimbili, esinye ngesasentabeni yaseSinayi, esizalele ubugqila, esinguHagare. (25) Kepha uHagare lo uyintaba yaseSinayi e-Arabia, eqondene neJerusalema lakalokhu, ngokuba lisebugqileni nabantwana balo. (26) Kepha iJerusalema eliphezulu likhululekile, lona lingumame wethu. KwabaseGalathiya 4:22-26(NKJV)

UNkulunkulu wayethembise ukunika uAbrahama indodana. Inkinga ngeyokuthi wayengena kholo kuNkulunkulu. Wayengaboni inking ayenayo, kwaze kwafika isikhathi lapho yena nonkosikazi wakhe babengakwazi ukuveza ingane. Lokhu kwakuyingxenye yokudazululwa kwenkinga eyayikhona. UJehova wavumela ukuba kube nokulibaziseka ekuzalweni kwengane ukwenzela ukuswelakala kokholo ababenakho uAbrahama nomkakhe kuvezwe. Lona kwakungumsebenzi obaluleke kakhulu ekubuyiselekeni kwalokho okwakutshontshiwe. Ukujula kwenkinga kwakumele kubonakale, kuvezwe ukwenzela nokwelapheka okuphele kwenzeke. Kunokuthi elinde uJehova, uAbrahama walalela isiphakamiso somkakhe sokuthatha umsizi wakhe ezale ingane ngaye. Genesise 16:1-2.

Ekuqaleni ngesikhathi uHagare esezale uIshmayeli kwakubonakala sengathi yisixazululo esiphelele, kodwa izinto zathanda ukuhlangahlangana. Ukuswelakala kokholo kukaAbrahama kwathela imbewu zengxabano ekhaya. Lengxabano seyaqhubeka kuze kubemanje, emizweni yobutha ekhona phakathi kwamaJuda namaSulumane. Lendatshana iveza indlela ukuswelakala kokholo kungaletha umphumela omkhulu nomubi kangakanani. UJehova kwakumele evumele ukuba lokhu kwenzeke ukuveza ukuswelakala kokholo nomphumela wakho. Into ebuhlungu ngeyokuthi kukho konke lokhu uSara benoAbrahama basola uJehova ngokuphuza ukugcwalisa isithembiso ayesenzile sokubanikeza indodane.

> USarayi wathi ku-Abrama: Bheka-ke, uJehova ungivalile ekuzaleni, mawungene kuyo incekukazi yami; mhlawumbe ngizakwakhelwa ngayo. U-Abrama walalela izwi likaSarayi. uGenesise 16:2

> UNkulunkulu wathi ku-Abrahama: USarai umkakho awusayikumbiza ngegama lokuthi Sarayi, kepha igama lakhe alibe-nguSara. (16) Ngiyakumbusisa, ngikunike indodana ngaye; yebo, ngiyakumbusisa abeyizizwe, kuvele kuye amakhosi abantu. (17) **U-Abrahama wayesewa ngobuso bakhe, wahleka, wathi enhliziyweni yakhe: uneminyaka eyikhulu uyakuzalelwa na?** USara uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye uyakuzala na? (18) **Wathi u-Abrahama kuNkulunkulu: Sengathi u-Ishmayeli angaphila phambi kwakho!** Genesise 17:15-18

Zonke lezehlakalo zaziveza ukujula kwenkinga ka-Abrahama noSara. Ukuswelakala kokholo kwabo kwakuvezwa kancane kancane. UPawule uveza into yokuthi into yokuba uAbrahama abe namakhosikazi amabili, uSara no Hagayi, iveza iqiniso lendlela izivumelwano ezimbili ezisebenza ngayo. U-Abrahama wayeshade nalabantu bobabili. UHagare wazala ingane kuqala kodwa lokhu kwadala ubuhlungu empilweni yakhe waze waphaxakala ukuba emxoshe uHagare nendodana yakhe. Ubuhlungu balokhu u-Abrahama bamfundisa umphumela wokungabi nakholo. Wayeselungela ukungena ngokugcwele esivumelwaneni esisha. Kwakungumsebenzi ohlukene kabili kodwa kunesikhathi lapho uqhubeka ngesikhathi esisodwa, njengoba kwakunesikhathi lapho amadodana akhe ayehlala endlini eyodwa womabili. Ngesivivinyo sokunikela ngendodana yakhe u-Isaka, u-Abrahama ekugcineni wakwazi ukungena esivumelwaneni esisha. Ukholo ayenalo kuNkulunkulu lwalungangabazi. Ukupheleliswa kokholo lwakhe kwaletha kuye ukubuyiselwa uNkulunkulu ayekufisile kwasekuqaleni.

Ukuze lomsebenzi wokubuyiselwa nokuphindisela okulahlekile, uJehova kwakumele evumele ukuhamba kwesikhathi kuveze isifo sika-Abrahama sokuswela ukholo ukwenzela emelaphe. UJehova wavumela ukuba kwenzeke izinto empilweni yakhe *ezazizobulala* indlela yakhe endala yokucabanga bese *emvuse* esiqinisekweni sokulunga nokulungisiswa ngokholo.

Ezahlukweni ezimbili ezidlule sasikhuluma ngesimiso sesibuko. Isibuko siyithulusi esetshenziswa ngudokotela wamazinyo ukwenzela esibonise inking ekhona emlonyeni wethu. Odokotela basebenzisa ieksi+

-reyi njengento yokusitshengisa inking ekhona ezindaweni esingakwazi ukuzibona ngeso lenyama. Umthetho kaNkulunkulu usebenza njengethulusi, noma isibuko sokuveza ububanzi nokujula kwesifo sethu sesono. Lesibuko siyithulusi esiyisa kuKhrestu uma sivuma ukuba vele siyagula.

> Njalo-ke umthetho sewaba-ngumlayi wethu wokusiyisa kuKhrestu, ukuze silungisiswe ngokukholwa. kwabaseGalathiya 3:24

Isono siyinkinga eqala engqondweni yenyama. Ukwenzela lenkinga ilungiswe uBaba wethu osezulwini kwamele esivezele indlela esicabanga ngayo engekho yinhle neze. Lomsebenzi wenzwa ngawo umthetho. Inkinga ngeyokuthi iningi lethu singabantu uma sesizibona nendlela esibabi ngayo, sivele sibuyisele lesambulo sobubi kuNkulunkulu, sithi nguye onenkinga.

> Yibani-ngabalenza izwi, ningabingabalizwayo kuphela, nizikohlise. (23) Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, **lowo ufana nomuntu obuka ubusobakhe bemvelo esibukweni**. (24) Ngokuba uyazibuka, amuke akhohlwe masinyane ukuthi wayengonjani. (25) Kepha obukisisa emthethweni opheleleyo wenkululeko nohlala kuwo, engesiye ozwayo nje akhohlwe kodwa engowenzayo asebenze, lowo uzakuba-ngobusisiweyo ekwenzeni kwakhe. ekaJakobe 1:22-25 (NKJV)

Kuchaza ukuthini ukuba ngumuntu olizwayo izwi engesiye olenzayo? Isibonelo salokhu sitholakala endatshaneni yabantwana bakwa-Israyeli ngesikhathi befika entabeni yaseSinaye. UJehova wathembisa ukubenzela izinto eziningi kodwa abalalelisanga ayekusho. Kunokuthi bemukele ayekusho nakho konke ayebethembisa khona, u-Israyeli wama watshela uNkulunkulu ukuba *yena* wayezokwenzela uNkulunkulu lokho *uNkulunkulu* ayethembisa ukumenzela khona.

> **Nibonile lokhu engikwenzile abaseGibithe, nokuthi nganithwala ngamaphiko okhozi, nganisondeza kimi.** (5) Ngalokhu uma nilalela nokulalela izwi lami, nigcine isivumelwano sami, niyakuba-yigugu kimi

> kunazo zonke izizwe, ngokuba umhlaba wonke ungowami, (6) **nibe ngumbuso wabapristi kimi, nesizwe esingcwele.** Yilawo mazwi ozakuwakhuluma kubantwana bakwa-Israyeli. (7) UMose wafika, wabiza amalunga abantu, wabeka phambi kwabo onke lawo mazwi uJehova emyale ngawo. (8) **Bonke abantu baphendula kanyekanye, bathi: konke akukhulumileyo uJehova siyakwenza,** uMose wabuyisela kuJehova amazwi abantu. Eksodusi 19:4-8

UNkulunkulu wayethe uzobanika umusa wokumlalela nokumlalela ngomoya nangeqiniso. Ukulalela kwakuchaza ukuthemba ukuba uNkulunkulu wayezobenza amakhosi nabapristi embusweni wakhe. Ukulalela nokulalela kwakungadingi ukuba benzele uNkulunkulu into ethile kodwa ukuthemba ukuba nguye owayebenzela okuthile. Ngeshwa u-Israyeli waguqula izethembiso zikaNkulunkulu zaba yizinto ababefisa ukuzenzela uNkulunkulu kanjalo bethole ukwamukeleka phambi kwakhe.

Ukwenza lokhu, iBhayibheli likubiza ngokuthi isivumelwano esidala. Lesehlakalo saveza ngendlela ehlelekileyo ukuhluleka komuntu ukulalelisisa akushoyo uNkulunkulu, nokuthemba akushoyo.

> **Ngokuba uma leso sivumelwano sokuqala besingasoleki, bekungayikufunwa indawo yesibili.** (8) Ngokuba lapho ebasolayo, uthi kubo: Bhekani, izinsuku ziyeza, isho iNkosi, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli, nendlu kaJuda, (9) **Kungenje ngesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibhithe ngokuba abahlalanga esivumelwaneni sami,** nami angibanakanga, isho iNkosi. (10) Ngokuba yilesi esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku**,** isho iNkosi: Ngiyakufaka imithetho yami engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo, ngibe-nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami. KumaHeberu 8:7-10

UJehova wayesazi ukuba u-Israyeli wayengeke elalele nokulalela, kodwa wayezozama ukuzenzela ayebathembisa ukubenzela khona. Lana sibona ingxenye yomlayi owayezoletha umuntu kuKhrestu.

> Njalo-ke umthetho sewaba-ngumlayi wethu wokusiyisa kuKristu, ukuze silungisiswe ngokukholwa. (25) Kepha-ke sokufikile ukukholwa, asisephansi komlayi. kwabaseGalathiya 3:24-25

UNkulunkulu wayesazi ukuba u-Israyeli wayengeke egcine izithembiso ayezenzile kuye, kodwa wabavumela ukuba bezame, ukwenzela uma sebehluleka babenethuba lokukhetha ukususa ithemba labo emizameni yabo, bethembe ukuba wayezoqeda ayekuthembisile.

Njengoba besesivezile ngaphambilini endatshaneni ka-Abrahama noSara, inking esinayo njengabantu ngeyokuthi uma iNkosi iqala ukusivezela indlela esikhohlakele ngayo, izingqondo zethu zemvelo zikhweshisela inking phezu kwakhe. USara wathi uJehova nguye owayemuvale ekuzaleni ingane. Wenza isiphakamiso sokuthi izinto zingahambi kahle nje, inkinga nguNkulunkulu. Ngesikhathi uJehova ebuza u-Adamu uma edlile na isithelo ayemuyale ngaso, u-Adamu wabuyisela icala kuNkulunkulu.

> Khona wathi: ngubani owakutshela ukuthu uhamba-ze na? Udlile kulowo muthi engakuyala ngawo ukuthi ungadli kuwo na? (12) **U-Adamu wathi: Owesifazane, owangipha yena ukuba abe-nami, unginikile kuwo umuthi, ngadla.** UGenesise 3:11-12

Lenkinga yokuphindisela icala kuNkulunkulu inomthelela omkhulu kakhulu endleleni esifunda ngayo iBhayibheli. IBhayibheli lisixwayisa ngesimo sethu esingubutha kuNkulunkulu, libuye lisivezele imicabango yethu nezizindlo zezinhliziyo zethu ezinobugovu, ezinobuqili, inchithakalo nokubulala.

> Njengokuba kulotshiwe ukuthi: **Akakho olungileyo, akakho noyedwa.** (11) **Akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu;** (12) Bonke baphambukile, baphenduke imbuqa bonkana; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa. (13) Umphimbo wabo uyiliba elivulekileyo, **ngezilimi zabo bayakhohlisa,** isihlungu sezinyoka siphansi kwezindebe zabo; (14) Umlomo wabo ugcwele ukuthuka nokubaba; (15) **Izinyawo zabo zishesha ukuchitha igazi,** (16) **inchithakalo nosizi kusezindleleni zabo,** (17) indlela yokuthula abayazi. (18) Ukwesaba uNkulunkulu akukho phambi kwamehlo abo. KwabaseRoma 3:10-18

Iqiniso ngemvelo yethu ngendlela eyisimanga ibonakaliswa ihlukane ngendlela eyisimanga nempilo kaJesu. Uthando nomusa abenzela izitha zakhe, nomsebenzi wakhe wokunakekela abanye ngokubekezela kuveza thina sibe ngababafanelwe ukulahlwa ngenxa yobugovu esinabo. Kunokuthi iphenduke, inhliziyo yomuntu ivele ishaye sengathi noNkulunkulu

unjengayo, kanjalo izikhulule ebubini bayo. Njengoba besesishilo ngamazwi kaJakobe, indoda yemvelo ifunda iZwi likaNkulunkulu bese ibone ubuso bayo bemvelo (ishaye sengathi uNkulunkulu ufana nayo).

> Ngokuba uma umuntu engolizwayo izwi engesiye olenzayo, lowo ufana **nomuntu obuka ubusobakhe bemvelo esibukweni**. ekaJakobe 1:23 (NKJV)

UJehova usuka enza njengodokotela noma udokotela wamazinyo uma ezama ukusivezela ukujula kwenkinga yethu, kodwa lokhu akwanelanga kithi, ngoba sifuna ukukholwa ukuthi inkinga esinayo ayelapheki, noma sivuma ukukholwa ukuba siyagula, sivele sikhethe ukucabanga ukuthi mhlawumbe ukhona umuthi ongaselapha omnandi kunalona uNkulunkulu efuna ukusinika wona, njengesibonelo iphilisi eliletha usizo okomzuzana sisaphila liba ngeliyanele. Nokho ayikho indlela esingabalekela iqiniso elithi isono asilethi ukuthula, ngokuba "akukho ukuthula kwababi, usho uJehova," akukho kuthula kwabantu abasenyameni, akukho kuthula kwabaphethwe ngamademoni, ngakho-ke uNkulunkulu kwamele evumele ukuba sizwe udosi lwezenzo zethu ezimbi ukwenzela siqonde ukuba – "konke okungaveli ekukholweni kuyisono". Isaya 48:22, KwabaseRoma 14:23.

Ngosizi olukhulu uhlezi ebheke njalo abantu bedlula emaveni afanayo wezindlela zokuzisindisa zesivumelwano esidala, esinxusa ukuba sibone ukuthi indlela yinye esingabhekana nenkinga, ukuba sivumele uKhrestu ukuba esebenze ezinhliziyweni zethu. Noma kusasenjalo, asivumi ukwamukela ukuthi umkhokha usuka ungumphumela obuhlungu wezenzo zethu zemvelo yethu ewile, owawungaba mubi ukudlula lapha uma umusa nothando lukaBaba lwalusivikelile lwaqiniseka ukuba ukushaywa kwethu kusiholela ekuhleni kuphela. Kunalokhu, sihlezi silingeka ukuba simsole simthwalisa icala, sithi nguye onesimilo esilukhuni nonya ngendlela asiphatha ngayo, evumela izinhlungu zisehlele. Abantu sebeza ngezindlela eziningi ezihlakaniphileyo zokubuyiselela phezu kukaNkulunkulu izindlela zabo ezimbi nezikhohlakele. Njengokusho kombhalo:

> **Inhliziyo iyakhohlisa ngaphezu kwakho nkonke,** futhi imbi, ngubani ongayazi na? uJeremiya 17:9

> Lokho ukwenzile, ngathula; **ushaye sengathi nginjengawe**; ngizakukulaya, ngikubeke phambi kwamehlo akho. AmaHubo 50:21

Ngeshwa kusukela ekuweni koluntu, izinhliziyo zethu ngokwemvelo zimbi ziyakhohlisa. Uma umuntu wemvelo noma osenyameni efunda iBhayibheli, ubeka lezici ezimbi anazo yena kuNkulunkulu. Ngesikhathi uNkulunkulu ebonakala sengathi unendluzula nonya emehlweni womuntu ofundayo kusuka sekubonakaliswa imbewu ehlezi ikhona vele enhliziyweni yakhe. Njengoba uPawule eyichaza:

> Kepha isono sathola ithuba ngomyalo, sasebenza kimi ukufisa konke; ngokuba ngaphandle komthetho isono sifile. (9) Mina-ke ngake ngahamba ngaphandle komthetho; kepha kwathi ukuba kufike umyalo, savuka isono, ngafa mina; (10) umyalo obungowokuphila wona wafunyanwa ungowokufa kimi, (11) ngokuba isono, sithola ithuba ngomyalo, sangikhohlisa, sangibulala ngawo. (12) Ngakho-ke umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle. (13) Pho, okuhle kwaba-wukufa kimi na? qha nakanye; kepha isono ukuba sibonakale ukuthi yisono, sangibangela ukufa ngakho okuhle, ukuze isono ngawo umyalo sigxame sibonakale] KwabaseRoma 7:8-13

Abantu basebenzisa izindatshana eziseTestemendeni elidala okuzwakala sengathi zithi uNkulunkulu uchitha ebulale abantu, besebenzise lezindatshana ukuzinika ilungelo lokwenza into efanayo. IBhayibheli lilotshwe ngobuqhwepheshe ukuqinisekisa ukuba okusezinhliziyweni zabantu kuyavezwa. Impilo kaJesu esemhlabeni isivezela indlela uNkulunkulu ayiyo. UJesu akabulalanga muntu, kodwa kunokuthi abantu babheke lesibuko esiphelele sothando lukaNkulunkulu, abantu bakhetha ukufunda iTestemende elidala njengabantu abgcina ngokuzwa izwi kuphela, bebone ubuso babo kulokhu abacabanga wubuso bukaNkulunkulu.

> Kepha thina sonke esibuka ngobuso **obambuliwe inkazimulo yeNkosi** njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe-njengalowomfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngeNkosi enguMoya. 2kwabasekorinte 3:18

Inkazimulo yeNkosi iyisimilo esiphelele sikaYise njengoba siveziwe empilweni kaJesu esemhlabeni.

> **Ngikukhazimulisile emhlabeni,** ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze. ngokukaJohane 17:4

Inkazimulo kaNkulunkulu iyisimilo sakhe njengoba esitshela.

> (18) Wayesithi: **ake ngibone inkazimulo yakho**…(5) UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova. (6) **UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: nguJehova! nguJehova! uNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso** …Eksodusi 33:18; 34:5-6

Uma ufunda iBhayibheli ngesibuko senkazimulo, noma isimilo sikaJesu, ubona into ehluke kakhulu eTestemendeni elidala kunalokhu ozokubona uma ufunda ngesibuko senhliziyo yakho yemvelo. Kodwa kuza kanjani ukuthi sibone inkazimulo kaKhrestu iNkosi esibukweni? Kwamele sizibone thina esibukweni akunjalo? Kuza njani ukuthi sibone uKhrestu?

> Okobona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo yenkazimulo yaleyomfihlakalo phakathi kwabezizwe, **enguKritsu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo**; KwabaseKolose 1:27

Uma singena esivumelweni esisha, sizalwa kabusha, bese uKhrestu eqale ukubonakala ezinhliziyweni zethu. Lokhu kuqala ukuguqula esikubona kuvezwe esibukweni. Ngesikhathi sibona uKhrestu esibukweni indlela esifunda ngayo iBhayibheli lonke iyaguquka. Njengoba besesishilo kusahluko 18 ngemisho esobala, siqala ukubona ukuphikisana okuningi kuxazululwa. Lolu wufakazi olukhanyayo lwenguquko yokuphuma esivumelwaneni esidala kuye esivumelwaneni esisha. Amehlo ethu aqala ukuguquka nangendlela esifunda ngayo.

> Wayibamba impumputhe ngesandla, wayiholela ngaphandle komuzi, wafela amathe emehlweni ayo, wabeka izandla phezu kwayo, wayibuza wathi: Ubona utho na? (24) Yabheka, yathi: Ngibona abantu, ngibabona behamba; kungathi yizihlahla. (25) Khona waphinda wabeka izandla phezu kwamehlo ayo, yabhekisisa, yasinda, yabonisisa konke. NgokukaMaku 8:23-25

Ekuqaleni sibona abantu njengezihlahla zihamba, kodwa njengoba iNkosi ibeka isandla sayo phezu kwamehlo ethu siqala ukubona izinto njengoba ezibona yena, kanti kubonakala isithombe esihle ngempela!

Isixazululinkinga salokhu konke singesokuthi siyeke isivumelwano esidala senze umsebenzi waso, usisize sifune iselapho kuKhrestu. Isivumelwano

esidala sisebenzisa umthetho ukusivezela indlela esikhohlakele ngayo ukwenzela sibalekele kuKhrestu selaphiwe esivumelwaneni esisha. Lezindlela ezimbili zisebenza ndawonye zonke, kanti zisebenze kuwo wonke umuntu oza eNkosini. Lezindlela ezifanayo zazisebenza emadodeni anje ngo-Adamu, oNowa, oAbrahamu noMose.

Imizamo yokuhlukanisa lezindlela ezimbili iveza uNkulunkulu eTestemendeni elidala ephula amathambo abantu, ebhola amazinyo abantu engena selapho angasinika leziguli. Lokhu kwenza uNkulunkulu ebonakale njengomuntu ononya nolukhuni. Ngaphezu kwalokhu ivangeli elishunyayelwa namhlanje litshela abantu ukuba bekholwe nguJesu bengakhathazeki ngamathambo abo aphukile namazinyo abo abolile. Lelivangeli libiza ukuthi uJesu egcwalise imigodi esemazinyweni ngaphandle kokuqala ehlanze noma ehlungule ukubola. Lokwahlukanisa kwezindlela ezimbili ekumele zenzeke empilweni yomuntu kwenza uNkulunkulu oseTestemendeni elidala ebenonya nendluluza, kodwa oseTestemendeni elisha ebemnene.

Ingozi enkulu ngokungaqondi lezindlela ezimbili kahle, ngeyokuthi uma uNkulunkulu evumela ukuba izinto zenzeke zikhule ukuveza isono kulabo anesifiso sokubasindisa, lezono ezivezwayo zibekwa phezu kwakhe athweswe icala kwangathi kwakuyisifiso sakhe.

> Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko sande; kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi. kwabaseRoma 5:20

Ngesikhathi umthetho ungena enhliziyweni zethu nasezingqondweni zethu, udala ukuba izono zabantu zande noma zibonakale nangaphezulu. Abantu banxuselwa kuKhrestu ukuba befumane iselapho.

> Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela: ngokukaJohane 16:8

Isoni esiqondiswa ngesono sinikezwa ukulunga uma sikholwa – ukulunga kukaKhrestu okulungiselela isoni ukuma phambi kwesihlalo sokwahlulela okungunaphakade.

Manje sesifike esigabeni esibaluleke kunazo zonke ekumele siziqonde ngalomsebenzi wonke. Uma umuntu esesimeni sakhe semvelo, amazwi kaNkulunkulu kulomuntu azokhuluma nalokho okusenhliziyweni yakhe.

UNkulunkulu usuka enenhloso yokuveza izizindlo nezinjongo zenhliziyo yomuntu. UNkulunkulu usuka enesifiso esihle sokuveza noma sokudazulula lezo zinto ezikhona enhliziyweni yomuntu; kanti yena kungenzeka engaqapheli ukuba zikhona.

> Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho. (12) Uma ulima umhlabathi, awusayikukunika isithelo sawo, wena uyakubangumhambuma nozulane emhlabeni. uGenesise 4:11-12

Kulamavesi uNkulunkulu uvezela uKayini okuphakathi kwakhe. UKayini uselethe isiqalekiso emhlabeni ngesono sakhe. Ngokubulala umfowabo wayengasena isithunzi noma isizotha, kanti lokhu kwamushiya eyindoda evithizekile. Lamazwi akhulunywa ukuze uKayini abone isimo sakhe, aphendukele kuNkulunkulu acele intethelelo; awakhulunywanga ukumchitha. Ingabe yena uphendula kanjani na?

> Ngesinye isikhathi uNkulunkulu uzoyaleza amazwi aveza okusengqondweni yomuntu ukwenzela lezizindlo ziveze okusenhliziyweni.

> Khona wathi uKayini kuJehova: **isono sami sikhulu kunokuba ngisithwale**. (14) **Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba**, ngicashe ebusweni bakho, ngiyakuba-ngumhambuma nozulane emhlabeni, ongifumanayo angibulale. uGenesise 4:13-14

Kunokuba evume ukubonwa kwesifo nenkinga ekuye, uKayini ubuyisela icala kuNkulunkulu. UKayini unqaba ukuphenduka ngemva kokubulala umfowabo, ngenxa yalokhu akabi nakuthula. Ukuzisola kwakhe kwakumhlukumeza ubusuku nemini, okwadala ukuthi ebengumhambuma nozulane engqondweni. Ngesinye isikhathi uNkulunkulu uzokhuluma amazwi aveza okusengqondweni yomuntu ukwenzela kubonakale ngesinqumo abazosithatha. Ngesikhathi uIsrayeli efisa ukuhlola izwe, uNkulunkulu

> …Esivumelwaneni esidala noma kumuntu wemvelo, izwi alikhulumayo eliphikisana nempilo kaJesu esesemhlabeni singaba nofakazi bokuthi kunesibuko thizeni esisetshenziswa lapha.

wakhuluma izwi lokuba beqhubeke bekwenze. Umphumela wabo ngowokuthi abiyishumi kwabayishumi-nambili ngezwi elingenakholo.

> **Nasondela kimi nina nonke, nathi: masithume amadoda phambi kwethu ukuba asihlolele izwe,** asibuyisele izwi ngendlela esimelwe ukukhuphuka ngayo, nangemizi esiyakufika kuyo. (23) Leyonto yabanhle emehlweni ami, ngathatha kini amadoda ayishumi nambili, kwaba-yindoda inye kuleso nalesososzwe. uDuteronomi 1:22-23

> uJehova wakhuluma kuMose, wathi: (2) Thuma wena abantu ukuba bahlole izwe laseKhanani engibanika lona abantwana bakwa-Israyeli, uthume umuntu waleso nalesosizwe sawoyise, kubeyilowo nalowo abe-yinduna phakathi kwabo. uNumeri 13:1-2

Isizathu labantu bacela ukuyohlolisisa izwe sasingesokuthi babengena kholo ezwini likaNkulunkulu. UJehova efisa ukubasiza ukuba bebone ukuswela kwabo wababuyisela njengasesibukweni imicabango yabo, wakhuluma amazwi abo ababenawo ezinhliziyweni zabo: ukuhlola izwe, bezilungiselela ukulithatha ngendluzula ngezandla zabo.

Siphinda iphuzu elithi uma uNkulunkulu esebenza nabantu esivumelwaneni esidala noma nabantu bemvelo, izwi alikhulumayo eliphikisana nempilo kaJesu esesemhlabeni singaba nobufakazi bokuthi kunesibuko thizeni esisetshenziswa nguNkulunkulu. Imicabango yabantu iyabuyiseleka ukwenzela ububi babo bande. Akusiyo imicabango nezifiso zikaNkulunkulu. Lana iningi labantu abafunda iBhayibheli liyadideka, kanjalo-ke lidukiswe.

Thatha isibonelo sikaBalamu. UNkulunkulu utshela uBileyamu ukuba engayi ukuyoqalekisa u-Israyeli. Ekuqaleni uyalalela, kodwa uma amadoda ka-Balaki ephenduka emthembisa inhlonipho enkulunkulu, uqala ukungabaza nokutshela lamadoda ukuba eqale eme.

> UNkulunkulu weza kuBileyamu ebusuku, wathi kuye: Uma amadoda efika ukukubiza, vuka uhambe nawo; kepha lelozwi kuphela engilikhuluma kuwe uyakulenza. (21) UBileyamu wavuka ekuseni, wabophela imbongolo yakhe, wahamba nezikhulu zakwaMowabi. uNumeri 22:20-21

Lelizwi lalingukubuyiseleka kwesifiso sikaBileyamu sokuhamba. UJehova wavela wakhuluma lokho okwakukuye vele ukwenzela ezibone yena. Uma

singaqondi lendlela yokusebenza yesivumelwano esidala, ivesi elilandelayo angeke lenze mqondo nakancane.

> Intukuthelo kaNkulunkulu yavutha ngokuba wahamba; ingelosi kaNkulunkulu yema endleleni ukuba imelane naye. Wayekhwele imbongolo yakhe, izinceku zakhe ezimbili zinaye. uNumeri 22:22

Sizokhumbula igama lesiHeberu elithi *intukuthelo* lapha lingabuye lishiqilelwe ngokuthi *usizi.* UJehova waba nosizi olukhulu ngesikhathi uBileyamu ekhetha ukuhamba nalamadoda, uze wathumela ingelosi yakhe ukuba imxwayise. UBileyamu kwabonakala sengathi uyazwisisa ukuba kwamele ephenduke eye ekhaya, kodwa iziw elincane alikhuluma liveza okwakusenhliziyweni yakhe – uma.

> Wathi uBiliyamu kuyo ingelosi kaJehova : Ngonile; ngokuba bengingazi ukuthi umi endleleni umelene nami; ngalokho uma kukubi emehlweni akho, ngiyakubuyela emuva. uNumeri 22:34

UBileyamu wayesazi ukuthi akusiyo intando kaJehova lena. Sonke isigameko sembongolo nengelosi kaJehova siveza sobala ukuba ayekwenza kwakungafanele. Naye wasivuma isono sakhe, kodwa ubuye ethi "*UMA* kukubi emehlweni akho, ufuna ukuba ngibuyele emuva ngizobuyela." UJehova kwamele ekhulume naye ngesibuko.

> Yayisithi ingelosi kaJehova kuBileyamu: Hamba nalawamadoda, kepha lelozwi kuphela engiyakulikhuluma kuwe uyakulikhuluma. UBileyamu wayesehamba nezikhulu zikaBalaki. uNumeri 22:35

Izwi likaNkulunkulu elathi kuBileyamu ukuba ehambe laba wukubuyiseleka kwemicabango yakhe ngoba esasevumelwaneni esidala. Uma uNkulunkulu ebona ukuba abantu bazimisele ukulandela indlela ethile, akafisi kubavimba ebanqabele ilungelo labo lokukhetha abakuthandayo.

> Nakuba bengalalelanga, bengabekanga izindlebe, kepha benza-lukhuni intamo yabo, ukuze bangezwa, balaywe. uJeremiya 17:23

Ubanika inkululeko yokwenza abakufisayo. Lokhu kuvumela ukuba izimbewu zesono zikhule ukwenzela kwande isono. Lapho kwanda khona isono, ithuba lokuphenduka liyabuya futhi nokukhetha indlela efanele ukwenzela umusa wande nangaphezulu, uphuphume.

Asibheke isibonelo sikaIsrayeli ecela inkosi futhi. UNkulunkulu wabaxwayisa ngalokhu kodwa babengafuni kuzwa. Ngakho uNkulunkulu wabanikeza inkosi njengokwezifiso *zabo*. Yayingaso ntando kaNkunkulunkulu ukwenza lokhu kodwa esibukweni sezifiso zabo wabavumela ukuba babenenkosi esemhlabeni.

Ngesikhathi sikaMose, uNkulunkulu watshela u-Israeli ukuba abaseKhanani wayezobaxosha ngeminyovu. Akashongo lutho ngokubulala nokubhubhisa abantu. Nokho u-Israyeli waveza izifiso zakhe zokubulala kuNumeri 21.

> umKhanani, inkosi, yase-Aradi, owayakhe eningizimu, wezwa ukuthi u-Israyeli uyeza ngendlela yase-Atarimi, walwa no-Israyeli, wathumba abanye kubo. (2) **U-Israyeli wenza isithembiso kuJehova wathi: Uma unikele nokunikela lababantu esandleni sami, ngiyakuchitha iphela imizi yabo**. (30) UJehova walilalela izwi lika-Israyeli, wanikela amaKhanani, bawaqothula kanye nemizi yabo; igama laleyondawo lathiwa iHorma. uNumeri 21:1-3

UNkulunkulu walalela izwi labo beveza izifiso zabo zokubulala ezinye izizwe, kanjalo kusasa uJehova wayezobuyisela izifiso zabo phezu kwabo futhi, ekwenza ekuphindaphinda esibukweni ngokubayala izitha zabo; lokhu kwakuthandeka kakhulu ezindlebeni zabo.

> Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela abafundisi njengokubatshwa kwezindlebe zabo. 2kuThimothewu 4:3

Uma ungekaqondi indlela izivumelwano ezimbili ezisebenza ngayo, uzobeka icala lokuvezwa nokudazululwa kobubi bomuntu phezu kukaNkulunkulu usole isimilo sakhe!

Uma ungekaqondi indlela izivumelwano ezimbili ezisebenza ngayo, uzobeka icala lokuvezwa nokudazululwa kobubi bomuntu phezu kukaNkulunkulu usole isimilo sakhe! Lena yindawo iningi labantu abafunda iBhayibheli sebahluleka kuyo sonke lesi sikhathi; ukwehluleka ukudazulula imaski nokuveza inhliziyo yomuntu yemvelo, sibeke lomoya wokubulala ngokuziphindisela phezu kukaNkulunkulu onothando kuphela.

Wonke umuntu othi uKhrestu unguMsindisi kwamele evume ukuba unecala lokubulala iNdodana kaNkulunkulu. Leliqiniso liveza sobala uphuzu elithi singabantu bemvelo sinobutha maqondana noNkulunkulu naneNdodana yakhe. Ngemizamo yokuvikela lomoya wenzondo siwunike ilungelo lokuba khona, abantu bavele babeke izici zabo zendluzula phezu kukaNkulunkulu, simbize umuntu oke wabulala abantu abaningi ukudlula bonke ababulali, ngalendlela sishaye sengathi kulungile ukuba nomoya wokubulala abanawo maqondana nezitha zabo; ekugcineni bayavuma ukuba nesifiso sokubona lezitha zihlushwa zibulawa emlilweni wesihogo.

Ngalesi sikhathi kunobizo oluphumayo olubiza abantu ukuba *besabe* uNkulunkulu bemnike inkazimulo. Ngokuza endaweni lapho siqonda khona isimilo sikaNkulunkulu seqiniso, siyakhwesha sisuke ekwesabeni uYise ogcwele ngonya nempindiselo, size othandweni olusezingeni eliphezulu, elisipha ukumhlonipha ngokuzisola nokuphenduka okukhulu ngokusola uNkulunkulu abe engena kusoleka.

> Akukho ukwesaba othandweni, kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akhaphelele othandweni. 1 kaJohane 4:18

Ukukhanya kuqala ukuvuka nenkazimulo kaJehova iyaphumela. Uma uqala ukuqonda indlela yezivumelwano ezimbili ecebeni losindiso, namayezi nobumnyama obusitha nobuzungeze isimilo sikaNkulunkulu buyaxoshwa ekukhanyeni okukhazimulayo kwalesi sambulo.

Ngokuqonda lokhu, sesiphethe amathulusi okuhlolisisa ezinye zezindatshana ezigcwele indluzula eBhayibhelini bese sibone ukubuekezela, ukuhlakanipha, umusa nothando lukaNkulunkulu kanye nokwahlulela kwakhe.

# 22. UMose indoda emnene kunabo bonke

> Kodwa lowomuntu uMose wayemnene kunabo bonke abantu ababesebusweni bomhlaba. uNumeri 12:3

Ekhuliswe ngesikhathi lapho kwande khona impi, ubugqila, impendukezela, nokunikelwa ngabantu lelivesi lima liyisikhonkwane sokukhanya ezweni elonakeleyo nelimyama. UMose wayengumutnu omnene nozithobileyo. Waveza uthando lukaKhrestu olungena bugovu ngendlela abaphila ngaphambi kwakhe nalabo abaphila emva kwakhe.

Ngesikhathi ebheka ububi babantu ayebahola ukuphuma ezweni laseGibithe, esebekezelele ukusolwa nezifiso zokumbulala, nokho wabakhulekela. Lapho iningi lethu esifundayo sicabanga ukuba kwakumele beyekwe bepheliswe – kunjalo uMose wakhuleka, "ake ungisule encwadini yakho oyilobileyo ubathethelele bona."

> uMose wabuyela kuJehova, wathi: hawu, lababantu benzile isono esikhulu, bazenzele onkulunkulu ngegolide. (32) Nokho uma ubathethelela isono sabo-; kepha uma ungabathetheleli, ake ungesule encwadini yakho oyilobileyo. Eksodusi 32:31-32

Kulula ukufunda lelivesi uvele uqhubeke masinya – kodwa ukunikela ngempilo yakho engunaphakade ngalabo abangena ndaba ngawe, noma abakuzondayo, noma abazama nokukubulala? Yizingelosi kuphela kwizidalwa okulotshwe ukuba ubuso bazo bakhazimula ngenkazimulo kaNkulunkulu. Lendoda yayichithe iminyaka engamashumi amane isehlane yelusa izimvu, igona amawundlu ngezandla zayo, izihola ngobunene izivikela engozini. ESinayi wachitha izinsuku ezingangamashumi amane yodwa isebukhoneni bukaNkulunkulu, ikhulumisana noMsindisi wabantu othambileyo nonothando nomusa kunabo bonke abakhona. UMose indaba yosindiso wayiqonda kahle; wayake wacela ukubona inkazimulo kaJehova kanti kuye uNkulunkulu waveza isimilo sakhe: onomusa nesihe, ophuza ukuthukuthela, novame ngokulunga neqiniso. UMose wabekezelela amanga ayekhulunywa ngaye, nekuthukwa. Wanxusela izimpilo zabantu ababefisa isikhundla sakhe. Akumangalisi ukuba uBaba wethu wayethanda ukumvusa ethuneni lakhe uMose, eye naye ezulwini ukuqhubeka ngokuhlangayela okumnandi naye. Elekelele nasemsebenzini kaJesu wokusindisa.

Ngalamazwi, nezimiso esizifunde esahlukweni esidlulile, sizongena ezindatshaneni ezinobudlwangudlwangu ezihlangene nempilo kaMose.

> UMose wayesema esangweni lekamu wathi: abakaJehova mabeze kimi. Onke amadodana kaLevi ayesebuthana kuye. (27) wayesethikuwo: usho njalo uJehova uNkulunkulu wakwa-Israyeli, uthi: akube-yilowo nalowo kini abhince inkemba yakhe ethangeni lakhe, adabule ikamu, aye emuva, aye phambili, kusukela kwelinye isango kuze kube-kwelinye isango lekamu, yilowo nalowo abulale umfowabo, nalowo umngane wakhe, nalowo umakhelwane wakhe. (28) **Amadodana kaLevi enza njengezwi likaMose, kwawa ngalolosuku abantu kungathi abayizinkulungwane ezintathu.** Eksodusi 32:26-28

Amavesi amane emva kwalawa uMose enikela ngokuphila kwakhe okungunaphakade uma kungenzeki ukuba uNkulunkulu emthethelele u-Israyeli. UMose wayenolwazi lothando nomusa kaNkulunkulu, nokho ngesikhathi esifanayo uyazi ukuthi isono esibi abasenzile sasisibi phambi kukaNkulunkulu. Ingabe babenzeni? Babekhonze ithole legolide, enye yonkulunkulu baseGibithe.

> uJehova wakhuluma kuMose, wathi: Hamba wehle, ngokuba abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe benzile isono; (8) baphambukile masinyane endleleni engabayala ngayo. Bazenzela ithole elibunjiweyo, balikhonza, balihlabela, bathi: Nampa oNkulunkulu bakho, Israyeli, abakukhuphula ezweni laseGibithe. Eksodusi 32:7-8

Izinsuku ezingamashumi amane kuphela emuva u-Israyeli wayefunge ukuba wayezokhonza uNkulunkulu kuphela oqinisileyo, bethembisa ukuba babezothembeka kuye. Kungekapheli amaviki ayisithupha babegida, bephuza, benza okuyihlazo nokukhuluma ngakho, benikela konkulunkulu baseGibithe.

Kwamele sithi ukuphindela emuva kulendatshana ukuthola okwakuqhubeka. Ngaphambi kokufika kwezinhlupheko, uJehova wayethembise wayethembise u-Israyeli izinto eziyisikhombisa ezazizogcwalisa isivumelwano asenza no-Abrahamu, Isaka noJakobe. Lezithembiso zilotshwe ku-Eksodusi 6:6-8:

1. *Ngizakunikhipha* emithwaleni yabaseGibithe bese …
2. *Nginikhulule* ebugqileni benu…

3. *Nginihlenge* ngengalo eyeluliweyo nangezahlulelo ezinkulu…
4. *Ngiyakunithatha* nibe-yisizwe sami …
5. Mina ngibe nguNkulunkulu wenu; niyokwazi ukuthi ngininguJehova uNkulunkulu wenu onikhipha emithwalweni yabaseGibithe …
6. *Ngiyakuningenisa* ezweni engaphakamisa isandla sami ngalo ukulinika uAbrahama, noIsaka, noJakobe…
7. *Ngiyakunipha* lona libe-yifa; ngininguJehova.

Lesi kwakuyisimemo sokungena esivumelwaneni isingunaphakade. Konke okwakumele bakwenze bekumele bevume bekholwe lezi zethembiso. Ingabe baphendula kanjani na?

> uMose wakhuluma-ke kanjalo kubo abantwana bakwa-Israyeli; kepha abamlalelanga uMose ngenxa yenhliziyo encane nemisebenzi esindayo. Eksodusi 6:9

Benqaba ukulalela nokwamukela okwakuthenjisiwe. Unganqabelani isipho esihle kanjena na? Impendulo isemazwini alandelayo "ngenxa yenhliziyo encane nemisebenzi esindayo." Basola uJehova ngalokho okwawela phezu kwabo kanjalo banqaba ukumkholwa. Kodwa ubugqila babo beza ngenxa yabo. Iningi labo babelahle ukukhonza koNkulunkulu weqiniso lokhu sikubona ngokukhonza kwethole legolide kwabo. ISabatha babelilahlile, nesivikelo esiza ngokulalela imithetho kaNkulunkulu. Konke lokhu kwakulicala labo. Nokho, kunokuthi bevume isono sabo, bemukele okwakuthenjiswa, bazikhethela ukubeka icala labo phezu kukaNkulunkulu. O ukujula kokukhohlakala kwenhliziyo yomuntu! Ngemva kokukhululwa kuleyo minyaka eminingi yobugqila bama ngendlela eyeyisayo, benqaba ukuphenduka nokwamukela ukuthi icala belingakubo.

UNkulunkulu ngomusa nothando lwakhe olukhulu wakhetha ukubasindisa, nanoba iningi labo babenqaba ukumlalela. Akusanga ezingqondweni zabo ezifiphele ukuba babekhululiwe baze bema ngaphesheya kolwandle olubomvu sebebona izidumbu zezitha zabo zikhafulwa wulwandle. Babekhululiwe ebugqileni basemzimbeni, kodwa amaketango asengqondweni ayesabambile. Ukukhonona nokububula kwaqala.

> **Lonke ibandla labantwana bakwa-Israyeli lakhonona ngoMose nango-Aroni ehlane.** (3) Abantwana bakwa-Israyeli bathi kubo: sengathi nga safa ngesandla sikaJehova ezweni laseGibithe, lapho sasihlezi ngasemakhanzini enyama, sidla isikwa sisutha, ngokuba

nisiphumisele kulelihlane ukuyobulala lonke lelibandla ngendlala. Eksodusi 16:2-3

Kubalulekile ukuba siqaphele lapha ukuthi ibandla lonke lakhonona ngoMose nango-Aroni. ibandla lonke kusukela komncane kuze kufike komdala lakhonona ngezinqumo ezazithathwa nguMose beno-Aroni, nanoma bebona ifu emini nensika yomlilo ebusuku njengobufakazi bokuthi empeleni babeholwa yisandla soMdali.

Lomoya wokukhonona nokumangalela ungumoya kaSathane. Ungummangaleli wabazalwane, kanti umoya wakhe wawuthungamela ibandla lonke lihamba hamba. Siyakhumbula ukuba akekho noyedwa kubantwana bakwa-Israyeli uwamukela izethembiso zikaJehova, kunalokhu babemsola ngesimo ababebhekane naso. Lezilingo ezincane zasetshenziswa nguNkulunkulu ukukhulisa ukholo lwabo, kodwa kunalokho zadazulula imizwa yezinhliziyo zabo yangempela, nokuveza indlela ababengena kubonga ngayo. Akekho noyedwa kubo awayesesivumelwaneni esingunaphakade, akekho noyedwa owayegcwele ngoMoya kaKhrestu. Lokhu kubonakala esahlukeni esilandelayo.

Ibandla lonke labantwana bakwa-Israyeli lasuka ehlane laseSini, bahamba ngamabanga njengesiyalo sikaJehova, bamisa eRefidimi, kwakungekhomanzi okuba abantu baphuze. (2) **Ngalokho abantu baphikisana noMose**, bathi: Siphe amanzi, siphuze. UMose wathi kubo: Yini ukuba niphikisane nami na? Nimlingelani uJehova na? (3) abantu bomela khona amanzi; **abantu bakhonona ngoMose, bathi: usikhupheleni eGibithe ukuba usibulale, thina nabantwana bethu nezinkomo zethu ngokoma, na?** (4) **UMose wayesekhala kuJehova, ethi: ngizakwenzani kulababantu na? Sekukancane ukuba bangikhande ngamatshe.** uEksodusi 17:1-4

Kunokuthi bebonge uMose ngokuvumela ukuba uNkulunkulu emsebenzise ukubakhulula eGibithe, abantu bamsola ngokufisa ukubabulala, abanye babo baze bafisa ukumkhanda ngamatshe.

Ufakazi bokuthi abantwana bakwa-Israyeli bake baphenduka bazisola ngalezi zono ngokusola nangokukhonza kwabo izithombe eGibithe. Babengagcwalanga ngoMoya kaNkulunkulu, kodwa begcwele ngomoya othanda ukumangalela, othanda ukuzijabulisa, nothando ukuzithokozisa. Bekungalesi sikhathi nangengqondo egcwele umoya onjalo bathembisa

ukuba babezomlalela uNkulunkulu. Babesazi ukuba uMose izimangaliso wayengazenzanga ngamandla akhe. Ukusola nokumangalela uMose kwabo kwakungukubonakalisa kokumangalela uNkulunkulu esikuthola ku-Eksodusi 6:9 – ubugqila ababevela kubo babebuzonda, kanti besola uNkulunkulu bemthela ngecala. Lenzondo yayisezinhliziyweni zabo ngesikhathi bethembisa uNkulunkulu ukuba babezokwenza konke ayekuthembisa ukubenzela khona.

UJehova wayesazi ukuba babengena Moya wakhe nokuthi babengekwazi ukugcina isithembiso sabo. Wabizela uMose entabeni isikhathi esingangezinsuku ezingamashumi amane ukwenzela lezi zimbewu zobutha ezazifihleke ezinhliziyweni zabo zibonakale. U-Israyeli wayengazi ukuthi uMose wayezoba sentabeni isikhathi esingakanani. Babecabanga ukuba ufele khona, ubutha babo babonakala ngokukhonza onkulunkulu baseGibithe.

AbaLevi, ababevela esizweni esifana nesikaMose, abaphathekanga ekukhonzeni ithole legolide. Ngokuswela uMoya kaNkulunkulu okwazi ukuthoba inhliziyo, abaLevi babecabanga ukuba babenconywana kunabafowabo. Abukho ubufakazi obuthi bazigcina bengcwele bezigcinela uNkulunkulu. Nabo babeke bakhonona ngoMose njengoba sitsheliwe kuEksodusi 16. Babethembise ukulalela uNkulunkulu nabobonke abantu, ngakho nabo babenengqondo yesivumelwano esidala. Kubalulekile ukuba siqonde lokhu ngoba njengoba sesivezile esahlukweni esidlulile – uma abantu besesivumelwaneni esidala, uNkulunkulu ukhuluma kubo ngolimi lemicabango yezingqondo zabo ukwenzela isono sande sivele ngokugcwele nakuso isoni.

Kwamele sime sicabangisise ngaleli phuzu, ukwenzela sifunde ngokuqaphela *indlela* ukwahlulela kukaNkulunkulu kuqhubeka ngakhona. Lendlela ibhaliwe emthethweni kaNkulunkulu. Yiyo kuphela indlela uNkulunkulu aletha ukwahlulela kwakhe phezu kwabantu.

> Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, mowokusemanzini phansi komhlaba; (5) Ungazikhothameli, ungazikhonzi ngokuba mina-Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, **ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo**, (6) Kepha ngibayenzela umusa

abayizinkulungwane abangithandayo, bangcine imiyalelo yami. uEksodusi 20:4-6

Ngesikhathi uMose ecela uNkulunkulu ukuba emvezele inkazimulo yakhe, uJehova washo into cishe efanayo nanoma ihluke kancane.

UJehona wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova. (6) UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihle, onomusa ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso, (7) **Ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ohambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana bantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine.** uEksodusi 34:5-7

Ingabe kuchaza ukuthini ukuhambela ububi bawoyise kubantwana balabo abamuzondayo? Okokuqala, masiqaphele ukuba buzowela isizukulwane esiqhubeka sizonda uNkulunkulu. Ukuzonda uNkulunkulu kungukweqa umthetho wakhe nokumelana nokuvikelwa nguye. Ngakho-ke ukuhambela ububi ngumphumela wesono owela phezu kwesoni. IBhayibheli lisitshela lokhu liphindaphinda.

UJehova uzazisile, wahlulela; umcuphile omubi emsebenzini wezandla zakhe. Higayoni sela. AmaHubo 9:16

Nami-ke, iso lami aliyikubahawukela, ngingabi-nabubele, **kepha ngiyakwehlisela indlela yabo phezu kwekhanda labo**. uHezekeli 9:10

Siyazi ukuba u-Israyeli wayezimisele ukusebenzisa inkemba ukulungisa izimo. Engekafiki entabeni yaseSinayi, wayesebenze no-Amaleki ngendlela "eqondile," ethi uyamlungisa.

**UMose wathi kuJoshuwa: sikhethele amadoda, uphume ulwe no-Amaleki;** kusasa ngizakuma esiqongweni sentaba, induku kaNkulunkulu isesandleni sami. (10) UJoshuwa wenze njalo, njengalokho uMose eshilo kuye, walwa no-Amaleki; oMose, no-Aroni, noHure bakhuphukela esiqongweni sentaba. (11) Kwathi uMose esephakamisile isandla sakhe, u-Israyeli wahlula, kepha nxa esehlisa, u-Amaleki wahlula. (12) Kodwa izandla zikaMose zaba-nzima; bathatha itshe, walibeka phambi kwakhe, wahlala kulo; o-Aroni noHure basekela

> izandla zakhe laze lashona ilanga. (13) **UJoshuwa wamchitha u-Amaleki nabantu bakhe ngosiko lwenkemba**. uEksodusi 17:9-13

Ukuthi uMose wazikhethela yedwa ukuba wayezolwa no-Amaleki, noma ukuba wayevunyelwe nguNkulunkulu ukuba bezibone nemicabango ababenayo asitshelwa. Esikwaziyo, kwakungasiyo injongo kaNkulunkulu ukuba belwe noma bebulale umuntu ekuthatheni izwe laseKhanani.

> Ngiyakuthuma ukwesabeka kwami phambi kwakho, ngibasanganise bonke abantu ozakufika kubo, ngenze ukuba zonke izitha zakho zikufulathele. (28) Ngiyakuthuma iminyovu phambi kwakho eyakuxosha amaHivi, namaKhanani, namaHeti phambi kwakho. uEksodusi 23:27-28(NLT)

Uma nje u-Israyeli wayevume wamukela izithembiso zikaNkulunkulu esivumelwaneni esisha, babezogcwala ngoMoya wakhe. Uma umuntu egcwele ngoMoya kaNkulunkulu ngempela, nakhu okwenzekayo.

> Ngaphakamisa amehlo ami, ngabona, bheka, nango umuntu embethe ilineni, ebhince okhakweni igolide elicwengekileyo lase-Ufazi. (6) Umzimba wakhe wawunjengekrisolithe nobuso bakhe bunjengokubonakala konyazi, izingalo zakhe nezinyawo zakhe zinjengokubengezela kwethusi eliphucuziweyo, nezwi lamazwi akhe linjengezwi lesixuku. (7) Mina-Daniyeli kuphela ngawubona umbono, **ngokuba abantu ababenami abawubonanga umbono, kepha behlelwa ngukuthuthumela okukhulu, babaleka ukuba bacashe**. uDaniyeli 10:5-7

Lolu yilo usizo loMoya nendlela  owawuzobanceda ngayo. Akukho okwakumele bekwenze. Izitha zabo zazizophenduka zishiye izono zazo, okuyikho okwakumele zikwenze, noma zishaye phansi zibaleke.

Ngeshwa u-Israyeli wayengenawo loMoya. Wayegcwele ngokukhonona nokububula, yingakho wayengena mandla ayengenza ukuba izitha zibaleke. Ingabe yini okwakusele, ayengakwenza? Benza ababekwazi ukudlula konke okunuye, badobha izinkemba baqala ukubulala abantu. Akwenzeki ukuba kubenemizwa emihle ngesikhathi ulwa nomunye umuntu, akukho kuphumula ongaba nakho uma umbona ewela phansi ngobuso obunovalo efa, elele phezu kwegazi lakhe, ememeza ngisho noma sephefumula kokugcina. Akuna kwenzeka ukhohlwe isithombe

esinjalo. Wonke umuntu obulala omunye akamukeli uMoya wokuthula okaKhrestu; wamukela umoya obunayo womhambuma nozulane emhlabeni. Indoda enjena unesithombe esingekho-ngcwele esicindezelwe engqondweni yayo; isithombe esibi sokudala ukufa ngesandla sayo; esidala inchithakalo yegazi nokucekaceka; lokufa kuyadlulela kuthelele: oyise, onyoko, abafo nodade, umyeni, unkosikazi, indodana, indodakazi, izihlobo, imindeni, nemphakathi.

IBhayibheli lisitshela ukuba uKhrestu ungcwele, akanangozi, futhi umsulwa. Masithi akanangozi sichazaz ukuba akoni, noma akalimazi.

> Ngokuba umpristi omkhulu onjalo usifanele thina, ongcwele, ongenacala, ongenabala, owahlukanisiwe nezoni, owenziwa aphakame phezu kwamazulu, kumaHeberu 7:26

Akwenzeki ukuthi uMoya kaKhrestu uhlezi wakha kumuntu utholakale ubulala. UKhrestu ungukuphila nokuvuka. Ukufa akukwazi ukuma ebukhoneni bakhe. Uvusa abantu ekufeni, akalethi abantu kukho ukufa. Abantu babulala uma besemuntwini omdala, besahamba ngokwenyama, benengqondo yesivumelwano esidala.

Ukwenzela uNkulunkulu etshengise abantu okusenhliziyweni zabo uma besasesivumelwaneni esidala, uvele ebeyisibuko esibavezela ukucabanga kwabo ukwenzela isono sande, sivele. Uvele eveze izifiso zabo zisesibukweni.

Kodwa uma umuntu esesivumelwaneni esisha, ubona okuhluke kakhulu. Njengo Mose ekwenza ngesikhathi uJehova emlinga, esahlukeni esingaphambilini.

> UJehova wathi kuMose: Ngibabonile lababantu; bheka, bangabantu abantamo ilukhuni. (10) Ngalokho ngiyeke ukuba ulaka lwami lubavuthele, ngibaqede, ngikwenze ube-yisizwe esikhulu. (11) **UMose wamshweleza uJehova uNkulunkulu wakhe, wathi: Jehova, ulaka lwakho lubavuthelelani abantu bakho owabakhuphula ezweni laseGibithe ngamandla amakhulu nangesandla esiqinileyo na**? uEksodusi 32:9-11

UMose walingeka ukuba enikele ngaye u-Israyeli. USathane wayemlinga ukuba enikele ngabo bebhujiswe, kanjalo uJehova walinga uMose, wamvezela lemicabango sengathi yikho ayefuna ukukwenza.

KuMose, kwakukhona izimbewu izimbili ezazibambene zilwela ukubusa, njengo-Esawu noJakobe belwa esiswini sikaRebeka. Njengoba wayechithe isikhathi noMoya omnandi kaNkulunkulu esentabeni, ubuso bakhe bamenyezela ngenkazimulo, wabonakalisa lesimilo esihle washweleza uJehova ngo-Israyeli nanoba wayengamphathi kahle. Wahlula imbewu yenyama wabangumqobi. *Isilingo esifanayo manje seza kubaLevi. Babesenyameni, bengekho kuMoya*. Imicabango yabo ngalabo ababekhonze bakhothamela ithole legolide banqaba ukuphenduka yayisithi mabefe. Ngakho-ke uJehova ngoMose *ubanikeza isibuko esibavezela imicabango yabo.* UJehova kwakumele evume imizwa yokubulala yabaLevi ivele. Uma wayevele wayeka lembewu nalemizwa, umonakalo wawuzoba mkhulu kunalokhu. Ngesikhathi belele ematendeni abo ngalobu busuku abantwana bakaLevi, izingqondo zabo zagcwala ngezithombe ezimbi zabantu ababagenca. Lezi kwakuyizifiso zezinhliziyo zabo, kanti uJehova wabanika zona. Ngezifiso zabo ezimbi, uJehova ubuye waveza ukwahlulela kwakhe - wahambela ububi kulabo ababenqaba ukuphenduka, bonke ababevumela uSathane ithuba lokungena ekamu ngokungalaleli kwabo.

UBaba wethu osezulwini unokuhlakanipha konke. Usebenza nabantu ngezigaba ezimbili zesivumelwano: okokuqala uvezela abantu ububi babo ukwenzela bephendukele kuKhrestu besindiswe ngokulunga kwakhe, ngesikhathi esifanayo evumela ukuba ububi babantu bube wukuzichitha kwabo ngokwahlulela.

Ngesikhathi uMose elingwa nguNkulunkulu ukuba enikele ngo-Israyeli eqothulwe wonke, sibona indlela yokuphendula esimeni esinje ngokwesivumelwano esisha. Ngesikhathi abaLevi bethola izwi ukuba bebulale bonke ababephule umthetho, babengenza njengoMose. Okokuqala, *babengavuma ukukhonona kwabo ngaye, nobuwula babo bokuzama ukuzenzela izithembiso ayefisa ukubenzela zona. Babengavuma inzondo ababenayo eGibithe eyabenza benqabe nesivumelwano esisha. Babezogcwala ngoMoya kaNkulunkulu, kanti ababi nezoni babezobaleka ebukhoneni babo, noma babezozibulala bona bezama ukubaleka*. UMose usilethela umsuka womfanekiso wendlela ekumele sibhekane nesimo

esinje. AmaLevi wayengaveza indlela uMose wenza ngayo esentabeni. Kunokuthi bevume izono zabo, bakhetha ukuzishaya izifuba ngokuthi bona abalikhothamelanga ithole legolide. Bakhetha ukubulala abanye kunokuthi bevume izono zabo.

Ngenkulumo yesivumelwano esidala, uJehova wathumela umyalezo kwikamu lonke othi ukukhonza izithombe akwamukelekile nakancane. UJehova wabanika umyalezo ngendlela nangolimi abalizwayo. Ukufa kwamadoda angu-3000 kwabeka ukubamba ezinhliziyweni ezimbi, kodwa *ekugcineni akusizanga noyedwa yalabo baLevi; akekho noyedwa kubo owangena ezweni lesithembiso.* Bonke bafela ehlane. Kubo bonke abaphuma eGibithe, nguKalebi no Joshuwa kuphela abangena eKhanani. Njengoba uJehova esho – uhambela ububi bawoyise ebantwaneni kulabo abamzondayo. AbaLevi babenezimbewu zobutha maqondana noJehova, kodwa babengazi ukuba banazo. Ubufakazi balokhu ngobuthi abakwazanga ukungena ezweni lesithembiso.

Ngenxa yokukhanya okwakhazimula ebusweni bukaMose, nokuzimisela kwakhe ukufela nalabo ababemzonda, embhalweni, nginesiqiniseko sokuthi wayeqonda kahle isimiso sesibuko, kanti njengoba uJehova ayeke asebenza naye ngokwesahluko 32 Eksodusi, wayalezwa ukuba wayemele esebenze kanjalo nangabaLevi ezahlukweni ezalandela. Isilingo esifanayo seza kubo bonke ababengakhothamelanga ithole legolide.

Lesimiso sesibuko sisebenza ngendlela efanayo nakuzo zonke ezinye izindatshana esifunda ngazo empilweni kaMose.

> UJehova wathi kuMose: thabatha zonke izinhloko zabantu, uziphanyekele uJehova elangeni, ukuze intukuthelo evuthayo kaJehova ibuye ku-Israyeli. (5) UMose wathi kubo abahluleli bakwa-Israyeli: Bulalani, kube-yilowo nalowo abantu bakhe abazihlanganisile noBali-Peyori. uNumeri 25:4-5

Lena yinkulumo yesibuko. Lezenzo azihambelani nesimilo sikaKhrestu, ngakho izwi likaJehova liveza imicabango yabantu ukwenzela bephenduke. Isixazululinkinga esilula ngesokuqhathanisa lezindatshana nempilo nezenzo zikaKhrestu esemhlabeni. UJesu wayethanda izitha zakhe, futhi akaze abulale muntu. Ugcina imithetho kaBaba, kanti omunye wayo uthi "ungabulali." Ngakho lemiyalo esiyifunda kulezindatshana inikezwe ukuba yisibuko esiveza imicabango yabantu ukuthi kwamele benze njani uma

behlangabezana nezimo ezinjalo. Ukuba uMose lokhu wayekuqonda ngokugcwele noma qha akushintshi isimiso sesibuko nendlela uNkulunkulu akhulumisana nabantu abasesivumelwaneni esidala.

Kunendatshana ekumele siyibuke empilweni kaMose, ethe ukuhluka kancane, indatshana kaKora noDathani no-Abiramu. Ibalulekile ngoba uKora wayevela esizweni sikaLevi; omunye walabo abangakhothamelanga ithole legolide. Indaba yakhe isitshela okwakusenhliziyweni zabanye balabo ababezibiza ukuba bangcwele ngesikhathi sethole.

> UKora kaJisihari kaKohati kaLevi, kanye noDathani no-Abiramu, amadodana ka-Eliyabe, no-Oni indodana kaPheleti, amadodana kaRubeni, bathatha amadodana, (2) Bamvukela uMose benabathile babantwana bakwa-Israyeli, abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, izikhulu zenhlangano, amanxusa ebandla, amadoda adumileyo, (3) **Babahlanganyela oMose no-Aroni, bathi kubo: Sekwanele okwenu, lokhu inhlangano yonke ingcwele, bonke bayo, noJehova ekubo; niziphakamiselani, pho, phezu kwebandla likaJehova na?** (4) UMose esekuzwile wawa ngobuso bakhe; (5) Wakhuluma kuKora nakulo iviyo lakhe, wathi: kusasa uJehova uyakwazisa ukuthi ngubani ongowakhe nokuthi ngubani ongcwele, amsondeze kuye; lowo ayakumkhetha uyakumsondeza kuye. (6) Yenzani lokhu: zithabatheleni imicengezi yomlilo, wena-Kora neviyo lakho lonke, (7) Nifake kuyo imlilo, nibeke impepho kuyo phambi kukaJehova kusasa; kuyakuthi umuntu amkhethayo uJehova, abengcwele; sekwanele okwenu, madodana kaLevi. (8) UMose wathi kuKora: ake nizwe, madodana kaLevi: (9) **Kuyinto encane yini kini ukuthi uNkulunkulu ka-Israyeli unahlukanisile nenhlangano ka-Israyeli, wanisondeza kuye ukwenza inkonzo yetabanakele likaJehova nokuma phambi kwenhlangano ukuyikhonza, (10) Nokuthi ukusondezile wena, nabafowenu bonke, amadodana kaLevi,** kanye nawe na? Senifisa nobupristi futhi na? (11) Ngalokho wena nalo lonke iviyo lakho nimhlanganyele uJehova; no-Aroni uyini yena ukuba nikhonone ngaye na? uNumeri 16:1-11

UKora wasola uMose ngecala lokulawula nokuziphakamisa phezu kwebandla. Lokhu kungukubeka izifiso zakhe phezu kukaMose. Kungukudazululwa kwezizindlo zenhliziyo yakhe. IKora waveza ukuba inhlangano yonke ingcwele nokuba noJehova wayekubo. Yingani ekusho lokhu?

Kwamele sibuke izehlakalo ezenzeka emuva. Amadoda ayishumi nambili ayehlole izwe laseKhanani esephendukile, abayishumi kubo banika ngezwi elibi kanti u-Israyeli walikholwa lelizwi. NguJoshuwa noKalebi kuphela abasho ngokholo ukuba uJehova wayengabafaka ezweni lesithembiso. Abantu baphendula ngokufuna ukukhanda uJoshuwa noKalebi ngamatshe. Kulenhlokoma, uMose wayelingwa ngendlela ayelingwe ngayo ngaphambilini – Ujehova ulinga uMose ngokumthembisa isizwe esikhulu angamvusela sona endaweni yalesi. Abantu babekhohlakele ngangokuthi kwakulula ukuba ewele esilingweni sokunikela ngabo evumele beshabalaliswe.

> UJehova wayesekhuluma kuMose, wathi: Koze kube-nini lababantu bengidelela na? Koze kube-nini bengakholwa yimi ngezibonakaliso zonke engizenzile phakathi kwabo na? (12) Ngiyakubashaya ngesifo, ngibaphuce ifa, ngikwenze isizwe esikhulu nesinamandla kunabo. uNumeri 14:11-12

Futhi uMose simthola eshwelezela abantu, eveza uMoya kaKhrestu njengoba uJehova wayefisa.

> UMose wathi kuJehova: Khona abaseGibithe bayakukuzwa, ngokuba wakhuphula lababantu ngamandla akho phakathi kwabo, (14) babatshele abakhe kulelizwe; bezwile ukuthi wena-Jehova uphakathi kwalababantu babonane nawe-Jehova ubuso nobuso; ifu lakho limi phezu kwabo, wena uhamba phambi kwabo usensikeni yefu emini nasensikeni yomlilo ebusuku. (15) Manje-ke uma ubulala lababantu njengomuntu munye, izizwe ezizwe udumo lwakho ziyakukhuluma zithi: (16) Ngokuba uJehova ebengenamandla okungenisa abantu bakhe ezweni alifungela kubo, ngalokho ubabulele ehlane. (17) Kalokhu ake abe-makhulu amandla eNkosi njengokusho kwakho ukuthi: (18) UJehova uyephuza ukuthukuthela, uvame umusa, uthethelela ububi neziphambeko, angayekeli nokho onecala, kepha ahambele ububi bawoyise kubantwana, kuze kube-sezizukulwaneni sesithathu nesesine. (19) **Ake uthethelele ububi balababantu ngokobukhulu bomusa wakho, njengalokho uyekele lababantu kusukela eGibithe kuze kube-manje**. uNumeris 14:13-19

UJehova wamthethelela u-Israyeli okwenza ukuba engawelwa ngaleso sikhathi wumphumela wokwambuka kwabo okubi. Kunalokhu uJehova

ubuyisela njengasesibukweni abantu njengokusho kwabo ukuthi uNkulunkulu wayezama ukubabulalela ehlane.

> Yisho kubo ukuthi: kuphila kwami, ngiyakwenza kini impela **njengalokho nikhulumile ezindlebeni zami**. (29) Izidumbu zenu ziyakuwa kulelihlane, nabo bonke ababalwayo kini njengokomumo wenu wonke, kusukela kwabaneminyaka engamashumi amabili kuya phezulu, abakhononile ngami, (30) Abayikungena ngempela ezweni engaphakamisa ngalo isandla sami ukuthi bengiyakunakhisa kulo, ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune noJoshuwa indodana kaNuni. uNumeri 14:28-30

Kwamele sikhumbule ukuthi lelizwi elisho ukufa phezu kwabantu, alizanga ngoba evele efuna ukuchitha imphefumulo yabantu, kwaba wukuletha umuntu omdala ekufeni okwakunenhloso yokubaletha enguqukweni. Uma babevumelane nezwi, bazisola bavuma isono sabo, babezoyamukeliswa impilo engunaphakade njengoMose. UMose akangenanga ezweni laseKhanani nokho wakufumana ukuphila okungunaphakade. Bonke abantwana bakwa-Israyeli babengenza into efanayo *uma* babephendukile.

Ngesikhathi u-Israyeli ebhekane nobubi bakhe, uSathane wavusa uKora, uDathani no-Abiramu. Basola noma bahluza ubuholi bukaMose, babeka phezu kwakhe icala lakho konke okwakubavelela solokhu baphuma eGibithe. NgoMose, uNkulunkulu watshela abantu ukuba babekhohlakele futhi babezokufa nokufa. Injongo yalokhu yayingeyokuthi bephenduke kodwa kunalokhu bona bazikhethela ukusola uMose ngokuhluleka kwabo. Ukuhluza kwabo kwaya kwakhula.

> Kuyinto encane yini ukuthi wasikhuphula ezweni elivame ubisi nezinyosi ukuba usibulale ehlane; usuyazenza nesikhulu phezu kwethu na? (14) Futhi awusingenisanga ezweni elivame ubisi nezinyosi, awusi nikanga ifa lamasimu nelezivini; uyakubhoboza amehlo alababantu na? Asiyikukhuphuka. (15) UMose wathukuthela kakhulu, wathi kuJehova: Unganaki umnikelo wabo, angithathanga nayinye imbongolo kubo, futhi angilimazanga namunye kubo. uNumeri 16:13-15

UMose babemsola ngokuzenza isikhulu phezu kwabo, nokuthi wayezama ukubabulala, nokubathathela ifa labo. Igama lesiHeberu elichaza *ukuthukuthela* lingahumushwa ngokuthi *osesizini* noma *ohlabekayo.* UMose labantu wayebenzele okungaka; wayelungele nokunikela

ngokuphila kwakhe okungunaphakade ngenxa yabo. Nokho, cishe inhlangano yonke yavuma ukukholwa amanga nezinsolo zikaKora, uDathani no-Abiramu kunokuthi iphenduke ebubini bayo. Lokhu kwamdubaza kakhulu uMose. Walingeka kwaze kwaba semnceleni. UKora wabuthanisa inhlangano yonke bamelana noMose, bese uJehova wangenela.

> **UKora wahlanganisela kubo yonke** inhlangano ngasemnyango wetende lokuhlangana; inkazimulo kaJehova yabonakala kuyo yonke inhlangano. uNumeri 16:19

Futhi uMose walingwa ukuba eyeke lababantu bebubhe noma ebashwelezele ebanxusele.

> UJehova wayesekhuluma kuMose nakuAroni, wathi: (21) Zihlukaniseni nalenhlangano ukuba ngibaqede ngokuphazima kweso. (22) Bawa ngobuso babo, bathi: Nkulunkulu, Nkulunkulu wemimoya yenyama yonke, kona umuntu munye, uthukuthelela inhlangano yonke, na? uNumeri 16:20-22

Futhi sithola uMose ethembeka, ebashwelezela abantu. UMoya oligugu kakhulu wawuhlezi enhliziyweni kaMose; wathembeka uMose ekushwelezeni kwakhe ngo-Israyeli. Bese uMose ukhuluma ngendoda eyodwa – uKora. Lesivivinyo sithanda ukujula manje. UJehova wakhuluma kuMose:

> UJehova wakhuluma kuMose, wathi (24) Yisho kuyo inhlangano, uthi: Khuphukani ngasekamu likaKora nelikaDathani nelika-Abiramu. (25) UMose wavuka waya kuDathani naku-Abiramu; amalunga akwa-Israyeli amlandela. (26) Wayesekhuluma kuyo inhlangano, wathi: ake nisuke ematendeni alababantu ababi, ningathinti-lutho olwabo, funa niqedwe ngezono zabo zonke. uNumeri 16:23-26

Lamadoda wayeseduze nokuphumela ngaphandle kothango lokuvikela uNkulunkulu abiyele abantu ngalo. Ngesikhathi kufika izwi lokuthi abantu besuke ematendeni alababantu, babengaphenduka ngisho nangaleso sikhathi kodwa bema beyeyisa bebuswa ngumoya kaSathane. USathane wayewaphethe esandleni sakhe lamadoda, kanti manje kwakumele ethole indlela yokubeka icala lokubhujiswa kwabo phezu kukaNkulunkulu.

> Base bekhuphuka ekamu likaKora nelikaDathani nelika-Abiramu nxazonke; oDathani noAbiramu baphuma, bema ngasemnyango wamatende abo kanye nawomkabo, namadodana abo, nezingane zabo. (28) UMose wathi: Niyakwazi ngalokhu ukuthi uJehova ungithumile ukwenza yonke lemisebenzi, ngokuba angiyenzanga ngowami umqondo. (29) Uma lababantu befa ngokufa kwabantu bonke, noma behlelwa ngokwehlela abantu bonke, uJehova uyakube kangithumanga. (30) Kepha **uma uJehova edala into entsha, umhlaba uvule umlomo wawo, ubagwinye kanye nakho konke okwabo, bashone besezwa endaweni yabafileyo, niyakuqonda ukuthi lababantu bamdelele uJehova**. (31) **Kwathi eseqedile onke lawomazwi, umhlaba ophansi kwabo waqhekezeka;** (32) **Umhlaba wavula umlomo wawo, wabagwinya nezindlu zabo, nabantu bonke bakaKora, nempahla yabo yonke.** (33) Bona bashona besezwa nakho konke okwabo endaweni yabafileyo; umhlaba wabagqila, baqothulwa ebandleni. uNumeri 16:27-33

Labacebi babephakamise imibuzo ngelungelo likaMose lokubahola. Bamsola ngokuzenza inkosi phezu kwabo. Inhlangano yonke yayimelane noMose ngenxa yomsebenzi kaKora nayesebenza nabo. Asithini ukubheka futhi siqhaphela okwakhulunywa nguMose:

> UMose wathi: niyakwazi ngalokhu ukuthi uJehova ungithumile ukwenza yonke lemisebenzi, ngokuba angiyenzanga ngowami umnqondo. (29) Uma lababantu befa ngokufa kwabantu bonke, noma behlelwa ngokwehlela abantu bonke, uJehova uyakube kangithumanga. (30) Kepha uma uJehova edala into entsha, umhlaba uvule umlomo wawo, ubagwinye kanye nakho konke okwabo, bashone besezwa endaweni yabafileyo, niyakuqonda ukuthi lababantu bamdelele uJehova. uNumeri 16:28-30

Abantu babebone izimangaliso eziningi ezifakaza ukuba nguJehova owayehola uMose kukho konke okwenzeka eGibithe, olwandle olubomvu nasentabeni yaseSinaye. Ubufakazi babukhona obuveza ukuba uMose wayethunywe nguJehova. Isimangaliso esizokwenzwa nguJehova ngokwamazwi kaMose, sasizoba ngesivela ngenxa yokungabaza. Ngesikhathi uJesu ehlatshwa imibuzo nguSathane ngesikhundla sakhe njengeNdodana kaNkulunkulu, wenqaba ukwenza isimangaliso ukuba ephendule isilingo esihlangene namazwi athi "*uma uyi…*":

> Kwafika umlingi, wathi kuye: Uma iyiNdodana kaNkulunkulu, yisho ukuba lawamatshe abe-yizinkwa. (4) Kepha waphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu. ngokukaMathewu 4:3-4

Ngemva kwakho konke uMose ayekwenzile, njengoJesu *bamshiya bonke bambalekela.* ngokukaMarku 14:50. Ngesikhathi uMose ehlushwa enyameni yakhe, uSathane wambiza ukuba ehle esiphambanweni. Walingeka ukuba enze isimangaliso ukuqinisa isikhundla sakhe. UKhrestu umbuzo ***uma*** akawuphendulanga nakanye. Nakanye akancikanga ezimangalisweni ukuveza noma njengobufakazi bokuthi wayengubani. Wathemba ngokuphelele konke uBaba ayemtshele khona.

UJohane umbhabhathizi, owayemkhulu kwabaprofethi, naye waba nesilingo esifanayo ngesikhathi esetilongweni. Isimiso esifanayo esithi *uma* sivela embuzweni awubuza abafundi bakhe ukuba bebuze uJesu.

> Kwathi-ke uJohane esetilongweni, ezwile ngemisebenzi kaKristu, wathumela ngabafundi bakhe, (3) Wathi kuye: wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na? ngokukaMathewu 11:2-3

KuJohane asibangakhona isimangaliso njengoMose. Wafa ethemba ngokugcwele ukuba uKhrestu wayenguMesiya. Abafundi bakaJohane beza bevela kuJesu, uJohane bamnika isiqinisekiso ayesidinga.

Ngesikhathi uJehova etshela uMose ukuba etshele abantu ukuba besuke kwikamu likaKora, noDathani no-Abiramu, ingabe uMose wahambela phambili wazithwesa umsebenzi ayengawuthunywanga eletha umbono othi *uma?* Njengoba uNkulunkulu wayephoxakala ukususa uthango lwesivikelo lwezingelosi zakhe kulababantu ababi, uSathane walinga uMose ngalemibono yokuthi *uma* ; uSathane ezibonakalisa ukuba nguye owayehlela ukubhubhisa labahlamuki. Ukhumbule ukuthi uSathane lamadoda wayewaphethe ngokuphelele. Wabavusa ukuba bemelane noMoya kaJesu obanxusela ekutheni bephenduke. USathane ungumbhubhisi kanti uJesu ungumphindiselo wokuphila, kanti ngokungabaza ayekufake engqondweni kaMose, uSathane waphumelela ekufihleni imisebenzi yakhe yokubhubhisa; ivele sengathi wukwahlulela kukaNkulunkulu. Wubuqili obuphakeme kakhulu, ngangokuthi ngaphandle

koMoya kaKhrestu okumele uhlale ngaphakathi, kuzoduka nabakhethiweyo nembala.

Lesi kwabayisilingo esibuhlungu nesijulileyo kunazo zonke uMose wazithola, kanti iyisifundo kithi. UMose wathwala isisindo samanga ayekhulunywa ngaye isikhathi eside kangaka, ebashwelezela lababantu njalo njalo. Ngesikhathi sekufika kulendoda eyodwa embi nalabo eyayisebenza nabo ababebuthanise inhlangano yonke ukuba imelane noMose, isilingo samkhulela. Kuyisilingo esafikela amadoda ambalwa kusukela ngalesa sikhathi uma sike safikela abanye. Kanjalo uSathane nguye owavula umhlaba owagwinya lamadoda nemindeni yabo ukwenzela uNkulunkulu ethweswe icala lakho. UPawule isinikeza isici esikhomba umkhondo esinamandla kabi ukuthi kwenzekani kulelivesi.

> Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa ngumbulali. kwabaseKorinte10:10

Igama elithi mbulali, njengoba sesishilo ngaphambilini, lichaza inyoka enobuhlungu. UKora namadoda akhe bahola ukukhonona maqondana noMose, kanti uPawule uthi inyoka enobuhlungu yababulala. Ukugwinywa kukaKora nabangane bakhe kwenzeka phambi kwabantu abangu 250. Lokhu kwabanikeza isikhathi sokuqhaphela ukuba babesengozini engakanani bebalekele umbulali, bebalekele kuMsindisi. Ngeshwa abaphendukanga ngakho banikelwa kuSathane ngokuphelele.

> Umlilo waphuma kuJehova, waqeda abantu abangamakhulu amabili namashumi ayisihlanu, ababenikele ngempepho. uNumeri 16:35

Iningi lizomemeza lithi "lithi umlilo waphuma kuJehova," likhethe ukuziba isixwayiso sokuqhathanisa yonke imbhalo, nokuqhaphela ukuthi uKhrestu umi njalo izolo, namhlanje naphakade!

UJesu kuLuka 9:54-56, watshela abafundi bakhe ukuthi umlilo owavela ezulwini ngesikhathi sika-Eliya awuvelanga ngoMoya wakhe; noma uMoya ayewusebenzisa yena. Siyazi ukuba endabeni kaJobe ukuba "umlilo kaNkulunkulu" wawa ezulwini washisa izimvu nezinceku zikaJobe.

> Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: **Umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini,** washisa izimvu nezinceku, waziqeda; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele. uJobe 1:16

Siyazi ukub uSathane waletha lomlilo owabashisa. Uma ivesi likhuluma ngomlilo wemvelo, nansi indlela oweza ngayo, nokho, sesichazile esahlukeni sezingelosi ezishayayo; lomlilo usungaba wukuqondiswa koMoya kaNkulunkulu okwaletha uvalo ezinhliziyweni zalababantu ngesikhathi uvela njengombane. UMoya ngaphandle kozwelo wawushaya unembeza lwabantu ngezono zabo, ubanxusa ekutheni bephenduke, nokho ngoba bengakholwa ukuthi uNkulunkulu unomusa, izono zabo zabachitha. Njengoba besesibone lesisimiso somlilo ovela ezulwini sivezwa ezindaweni ezimbalwa eBhayibhelini.

Ngesikhathi lamadoda angu-250 enqaba ukuphenduka, uNkulunkulu wasusa izithunywa zakhe ezifikelayo, ingabe uSathane uvele wathumela umlilo owabadlayo noma kwakungamalahle omlilo avela ekuqondisweni ngesono? Kujwayelekile ukucabanga ukuthi ngesikhathi lamadoda eshiswa ngumlilo aphenduka uthuli kodwa njengoba sifunda endabeni kaNadabi no-Abihu, umlilo owabashisayo awuzange ushise amabhantshi abo.

> Kwaphuma umlilo ngaphambi kukaJehova, wabaqeda, bafa phambi kukaJehova. (3) UMose wayesithi ku-Aroni: Yikho uJehova akukhuluma ethi: Kubo abaseduze nami ngiyakungcwelisa, phambi kwabantu bonke ngiyakukhazimuliswa. U-Aroni wathula. (4) UMose wabiza uMishayeli no-Elisafani amadodana ka-Uziyeli, uyisekazi ka-Aroni, wathi kubo: sondelani nibabuse abafowenu ngaphambi kwendlu engcwele, nibakhiphele ngaphandle kwekamu. (5) Base besondela, **babasusa bembethe amabhantshi abo, babakhiphela phandle kwekamu**, njengalokho eshilo uMose. uLevitikusi 10:2-5

Kuzo zonke izimiso esizifundile, kuyakhanya ukuthi kunezinchazelo eziningi esingaziveza ezitshengisa ukuba uNkulunkulu akasuye umbhubhisi, nokuthi nguSathane ongumbulali. Ukuqonda izivumelwano kahle uma kusetshenziswa nempilo kaJesu esesemhlabeni, kushiya isici esiveza umkhondo wokuthi umsuka walobu budlwangudlwangu kulezi zindatshana buvela kuphi – kuye onamandla wokufa, yena uSathane. KumaHeberu 2:14.

UMose wayengumuntu omnene kunabo bonke kwaze kwafika isikhathi sikaKhrestu. Waye wasolwa ngezinto ezimbi ngenxa yokungaqondi kahle izivumelwano. Ngemva kokuvivinywa ngokujulileyo, walingwa kanti lokhu kwavumela uSathane ithuba lokufihla umsebenzi wakhe wokuchitha.

Lesilingo sasingahlula noma ngubani kithi, ngakho asikwazi ukungalahla noma sigwebe uMose ngokwavelela. Kodwa siyabona ukuthi ukuhluleka kusilingo nesisodwa sikaSathane kungabanomthelela omngakanani, kakhulukazi uma kungumholi olahlekelwa nguKhrestu. Kubalulekile ukuba siqonde isifundo lapha ukwenzela sikwazi ukubona ukungaguquki kwesimilo sikaNkulunkulu eBhayibhelini. NguKhrestu kuphela owasinika isithombe esiphelele. O indlela okumele sibonge ngayo ngesibonelo sakhe ukwenzela sifunde iTestemende elidala ekukhanyeni okumsulwa, sibona iqiniso lobumnene bukaYise, okukaMose okuyisibonelo esikhanyayo kuphela.

# 23. U-Eliya Namaphethelo Wokugcina

> Kwase kuba-khona ukulwa ezulwini, uMikayeli nezingelosi zakhe balwa nodrako. Nodrako walwa enezingelosi zakhe. iSambulo 12:7

Indlela kaSathane yokubuthanisa yayisebenzisa ukusakaza izindaba ezikhethiwe ezisekela uhlangothi oluthile lodaba kuphela, ukuba izingelosi zime naye ekulweni kwakhe noBaba wethu osezulwini. Lomsebenzi waphumelela ekudonseni ingxenye eyodwa kwezintathu ngamanga akhe. ISambulo 12:4,7. USathane waphumisela noma wabeka phezu kukaNkulunkulu imicabango yakhe emibi esekela inqubo yakhe, kanjalo wadonsela izithunywa ngasohlongothini lwakhe. Izithunywa ezalandela uSathane ekugcineni zazithola zisembusweni obusa ngobudlova ezazigcabanga ziyawubalekela. "Yilowo nalowo owenza isono uyisigqila sesono" Johane 8:34.

USathane imbangi nenhloso yakhe yangempela wayifihla, ngesikhathi esifanayo eveza into eyayiphambene naleyo ayeyiyo ngempela. Konke ukuhlakanipha, ingqondo namandla ayewamukeliswe esandleni sikaNkulunkulu wawaguqula into ekhohlisa ngobuciko, ukukholisa izwe lonke ukuba limkhonze njengongaphezu konke.

Umuntu wawela ogibeni lukaDrako ngenganekwane eyakhulunywa nguSathane. Wamukela indaba eyayisakazwa nguSathane eyayikhethiwe eyayisekela uhlangothi lwakhe emelana noNkulunkulu, wema nenyoka, yena lowo ayecabanga ukuba ubalekela yena ensimini. USathane waphenduka umlobi nomqambi wokufa, enamandla wokufa njengoba sesishilo kusahluko 3. Isihluthulelo samanga wakhe sasithi uNkulunkulu akaxoleli. Iqiniso lalokhu lwavela ngokuba u-Adamu, u-Eva noKayini abacelanga ntethelelo yezono zabo ngesikhathi eza kubo. U-Adamu wafunda ikhono lokuphambukisa nokubeka icala phezu komunye umuntu njengesivikelo kunokuba umuntu ephenduke. Wazitholela indlela yokuqinisa amadolo, njengendlela yokungaceli uxolo kuNkulunkulu.

Ngengqondo enje, sonke isenzo sikaNkulunkulu esasizovezela umuntu inking ayenayo sasizobonakala njengemizamo yakhe yokumbulala nokumchitha. Yingakho isipho sesiphambano kumuntu osenyameni sibonakala sengathi uNkulunkulu entukuthelweni yakhe uvele esukume eshaye iNdodana yakhe. Khumbula ukuba kusahluko 20 sishilo ukuthi:

> Nansi into enza isiphambano sidide iningi. Siveza indluzula esesimilweni sikaSathane, nomphumela wemvelo oza ngenxa yempilo yesono kodwa isoni sizwa sengathi uNkulunkulu, entukuthelweni yakhe, uthela amalahle phezu kwesoni. *Agape*, Sahluko 20, pg 203.

> UKayini ezwa ukuzilahla kwakhe, okungumphumela wemvelo wesono. Uzwa sengathi isono sakhe sikhulu ngendlela yokuthi asina kuthethelelwa. Kodwa ngesikhathi esifanayo kunemizwa yokubuyisela lokhu phezu kukaNkulunkulu, ukumthwalisa icala lalemphumela. Lana ngamahlangothi omabili wokwahlulela, kanjalo amacala amabili wesiphambano. *Agape*, Sahluko 20, pg 204.

IBhayibheli lichaza indlela esibeka izici zethu phezu kukaNkulunkulu njengomuntu wemvelo ofunda izwi likaNkulunkulu bese ebone ubuso bakhe bemvelo. Size sabeka phezu kwalokhu ukuthi, amahlangothi omabili wesiphambano ayekhuluma kabanzi ezivumelwaneni ezimbili:

### Uma ungaqondi indlela izivumelwano ezimbili ezisebenza ngayo, uzothi lapho kuvezwa ububi bomuntu khona wena uzibonele uNkulunkulu enza ububi. UNkulunkulu ngokomfanekiso womuntu, kwangathi izulu linganqaba!

Kalula lokhu kuchaza ukuthi izindatshana eziseBhayibhelini okubonakala sengathi uNkulunkulu usuka enqoba, empeleni aveza indlela ahluleke ngakhona ukufundisa abantu ngesimilo sakhe ngoba zifundwa ngezibuko zezici zabantu ababi.

Izindatshana ezimbili eziyisibonelo salokhu esokuqala ngesika-Eliya nokunqoba kwakhe entabeni yaseKameli, nokunikelwa kuka-Isaka entabeni yaseMoriya. Sizokhuluma ngendaba ka-Eliya kulesi sahluko bese sibheke esika-Abrahama esahlukeni esilandelayo. Indatshana ka-Eliya seyike yasetshenziswa nguSathane njengesikhali sokusakaza indaba yakhe ekhethiwe esekela uhlongothi oluthile ekulweni kwakhe noBaba osezulwini nesimilo sakhe.

Ngesibuko esiphumisela izici zakhe kwenye indawo, uSathane ubangela ukuba umlilo owawa uvela ezulwini kwi-altare lika-Eliya ukukhohlusa nabakhethiweyo imbala. Abantu abaningi bakholwa noma kungasikho ukuba uNkulunkulu usemoyeni nasekuzamazameni komhlaba, noma

emlilweni, kodwa izwi elincane nelihashazayo loMoya kaNkulunkulu licwila ekusakazweni kwendaba yenyoka, obutha bayo maqondana noNkulunkulu bubonakaliswa emiphefumulweni ewile yabantu.

Uma besingabuyisela isikhathi emuva iminyaka engu-2600 sime entabeni yaseKameli no-Israyeli wonke emva kokuba umlilo uwele phezu kwe-altare ushise umnikelo oshiswayo, besizobona isibonakaliso esithathekisayo kakhulu. Amadoda angu-850 ayabanjwa, amadoda ayeholele isizwe ekukhonzeni kwezithombe okujulile. Lamadoda ayepitshize ukukhonza kukaNkulunkulu weqiniso, ayedlale indima nasekubulaweni kwabathembekile kuJehova. U-Eliya, indoda kaNkulunkulu uthatha inkemba yakhe ukuqala umsebenzi wokuhlanza isizwe kulobu bunengiso. Indoda emva kwenye, ihoshwa ngenkemba, amadoda angu-850 awela phansi, ephefumula okokugcina.

> U-Eliya wathi kubo: Bambani abaprofethi bakaBali, kungabaleki noyedwa kubo. Bababamba u-Eliya wabehlisela emfudlaneni iKishoni, wababulala khona. 1 AmaKhosi 18:40

Eceleni komfudlana kwawugcwele izidumbu zabantu ababekhonza izithombe. Igazi labo licwilisa izwe elingatheliyo kwaze kwathi ngobusuku obufanaya amazulu avuleka, athulula imvula. Lemvula ibonakala njengophawu oluveza ukwamukeleka kokubulala ngonya okwakwenziwe ngalolasuku kuleyandawo.

Ngaphambi kokuthi siqhubeke ngalengxenye yendaba, asibhekeni amavesi angaphambi kokuba u-Eliya eguqulwe eyiswe ezulwini ngenqola yomlilo.

> Wyesethuma kuye induna yamashumi ayisihlanu inamashumi ayisihlanu ayo. Yakhuphukela kuye; Bheka; wayehlezi esiqongweni sentaba. Yakhuluma kuye; yathi: We muntu kaNkulunkulu, inkosi ishilo ukuthi: Yehla. (10) U-Eliya waphendula, wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo ezulwini, ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho. Wehla-ke umlilo ezulwini, wayiqeda yona namashumi ayisihlanu ayo. 2 AmaKhosi 1:9-10

Ingabe wayeyenzeni u-Eliya okwabangela ukuba induna kanye namasosha ayishumi nanhlanu ayo amlandele? Inkosi ngaleso sikhathi ayiphathekile kahle, kanti ithumile ukuba beyibuzele kuBali unkulunkulu ka-Ekroni. U-Eliya wayezibandekanye nalomyalezo, wabatshela ukuba inkosi

yayibhekane nokufa. Njengenjwayelo inkosi ayijabulanga ukuzwa lokhu, yathumela amadoda ayo ukuba ebambe u-Eliya.

Ngesikhathi lamadoda esiza ezothatha u-Eliya, yena wayaleza umlilo ukuba wehle uvela ezulwini ubaqede laba bantu. Sesingacabanga ukuba amanye amasosha ayezofunda isifundo kulokhu, ezame enye indlela yokubonisana no-Eliya. Ngeshwa, nabo bahlangabezana nomlilo owavela ezulwini bafa. Amadoda angu-102 abhujiswa ngomlilo. Lokhu kubonakala njengomprofethi ongabambeki nonamandla okwazi ukubiza umlilo wasezulwini phezu kwezitha zikaNkulunkulu. Emva kwalendatshana sifunda okulandelayo:

> Kwathi beselokhu behamba bekhuluma, bheka; nanso inqola yomlilo namahashi omlilo, kwabahlukanisa bobabili, u-Eliya wakhuphukela ezulwini ngesivunguvungu. 2 AmaKhosi 2:11

Kwiningi labantu lokhu kufakaza ngaphezu kokungabaza ukuba uNkulunkulu wathumela umlilo uvela ezulwini ukuba ushise lamasosha, bese wathatha umprofethi wakhe onamandla wamisa ezulwini. Lesehlakalo esithathekisayo, uma sihlanganiswa nokunqoba kuka-Eliya entabeni yaseKameli, enqoba abaprofethi bakaBali, singabonakala njengokunqoba okumangalisayo ohlangothini lweqiniso.

Uma sibheka umfanekiso ophelele kaBaba kuKhrestu, sithola ukuthasisela noma amazwana ezulu ngalezizindatshana.

> Kuthe abafundi bakhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, **bathi: Nkosi; uyathanda ukuba sibize umlilo wehle ezulwini, uwaqede, na?** (55) **Kepha waguquka, wabakhuza wathi: Anazi ukuthi ningabomoya muni.** (56) **Ngokuba iNdodana yomuntu ayizanga ukubhubhisa imiphefumulo yabantu kodwa ukuyisindisa;** base beya komunye umuzi. ngokukaLuka 9:54-56

> UJesu wayesethi kuye: **Buyisela inkemba yakho endaweni yayo, ngokuba bonke abaphatha inkemba bayabhubha ngenkemba**. ngokukaMathewu 26:52

> UJesu waphendula wathi: **Umbuso wami awusiwo owalelizwe**. Uma umbuso wami ubungowalelizwe, izikhonzi zami zaziyakulwa ukuba nginganikezelwa kubaJuda. Kepha kalokhu umbuso wami awusiwo owalapha. ngokukaJohane 18:36

Uma sesibheka inkazimulo noma isimilo seNkosi uJesu sibona okunye okuhluke kakhulu kunalokhu esasikubone ezindatshaneni zika-Eliya. Abafundi babefisa ukulingisa u-Eliya kodwa uJesu wabakhuza wabatshela ukuthi abakwazi bangomoya muni, noma wathi lena akusiyo indlela yakhe yokwenza izinto lena. UJesu akasuye umbhubhisi kodwa unguMsindisi. Iqiniso lokuba uJesu usitshela ngendatshana ka-Eliya nangokubiza umlilo ukuba uwe uvela ezulwini uqede abantu, esitshele ukuba akusoMoya wakhe lowo, lichaza ukuba kwamele sifunde lendaba ngokuqhaphela okukhulu ukuze siqonde ukuthi kwenzekani lapha.

Into ethathekisa kakhulu ngeyokuthi amashiqilelo amaningi anamuhla ashiya ingxenye ebaluleke kakhulu ngamazwi uJesu awasho:

> Kuthe abafundi bakhe oJakobe noJohane sebekubonile lokho, bathi: Nkosi; uyathanda ukuba sibize umlilo wehle ezulwini, uwaqede, na? (55) Kepha waguquka, wabakhuza wathi: Anazi ukuthi ningabomoya muni. ngokukaLuka 9:54-55 (NIV)

Ukukhishwa kwamazwi athi "angizelanga ukubhubhisa imphefumulo yabantu" esikubona kuNIV kushiya umfundi weBhayibheli ezibuza ukuba kungani abafundi babekhuzwa. Mhlawumbe kwakungaso sikhathi esihle, noma isikhathi esingafenele ukusebenzisa amandla kaNkulunkulu kabi. Ukufakwa kwamazwi akhuluma ngomsebenzi weNdodana kaNkulunkulu wokungabhubhisi, ayigcini ngokukhuluma ngesifiso sabafundi, kubuye kukhulume nangezenzo zika-Eliya.

Siphindela ekuseni kusisa usuku lokunqoba okukhulu kwasentabeni yaseKameli. Inkosi-kazi uJezebeli uyavutha ngentukuthelo ngento evelile, uthumela umyalezo ku-Eliya.

> U-Ahabi wamtshela u-Izebeli konke akwenzile u-Eliya, naphakathi kwalokho ukuthi ubulele bonke abaprofethi ngenkemba. (2) U-Izebeli wayesethuma isithunywa ku-Eliya ngokuthi: **Mabenze njalo kimi onkulunkulu, benezele futhi, uma ngingakwenzi wena ubenjengomunye wabo ngalesisikhathi kusasa.** 1 AmaKhosi 19:1-2

U-Eliya wayengabanga navalo ngesikhathi etshela inkosi u-Ahabi ngesomiso esasizokwehlela izwe, wayengena valo iminyaka yomithathu nezinyanga eziyisithupha u-Ahabi emzingela ukuba embulale. Wayethembele eNkosini ukuba yayizomvikela imnike konke ayezokudinga.

Ngemva kokuba ebulale abaprofethi bakaBali, kukhona okwaguquka, kanti simthola esebalekela ukuphila kwakhe.

> Esezwile lokho wasuka, **wahamba ukuba asinde**, waya eBeri-sheba elingelakwaJuda, washiya khona inceku yakhe. (4) Kodwa yena wahamba ibanga losuku ehlane, waya wahlala phansi konwele, wacela enhliziyweni yakhe ukuba afe, wathi: Sekwanele; manje, Jehova, **sale usuthatha umphefumulo wami, ngokuba angilungile kunawobaba**. 1 AmaKhosi 19:3-4

Kungani u-Eliya ebalekela lowesifazane? Wayeme entabeni yaseKameli yedwa, abapristi bakaBali nenkosi babengambamba bambulalele khona. U-Eliya wayethembele eNkosini nokuba yayizomvikela. Kodwa inguquko ayecabanga yayizobakhona kwa-Israyeli ayisabanga khona. Abantu abaphendukanga ekukhonzeni kwabo oBali. Ukwesaba kwagcwala enhliziyweni yakhe, wezwa ephoxakala ukuba eshiye indawo yakhe yomsebenzi. Kanti kungani kuvele kwaba nenguquko ku-Eliya? Manje esethathe ukuphila, waba namava afana nalawo uKayini waba nawo ngemva kokuthatha ukuphila komfowabo.

> Bheka, uyangixosha namuhla ebusweni bomhlaba, ngicashe ebusweni bakho; ngiyakuba-ngumhambuma nozulane emhlabeni, **ongifumanayo angibulale**. uGenesise 4:14

Imithetho elishumi, esivezela isimilo sikaNkulunkulu asho sobala ukuba – *ungabulali*. Uma abantu bebulalana ukwesaba kokufa kukhula enhliziyweni. Okwenza kwabanye kubangela ukwesaba ukuthi abanye bangakwenza nakuwe. Uvalo lwalokhu luya ngokukhula ngoba uSathane usuka esekuphethe ngaphezu kwendlela ayekuphethe ngayo, uzokulinga akuhlukumeze. Kubanesidingo esikhulu sokuvikeleka lapho amabutho noma amadolobha anezindonga adingeka ukwehlisa uvalo olusenhliziyweni.

U-Eliya wakhuluma lawamazwi akhononayo, "sale usuthatha umphefumulo wami, ngokuba angilungile kunawobaba." Ingabe u-Eliya wayegonyozana nani ngaphakathi? Kungane wayekhulelwa wukulahlekelwa kwethemba aze efike esigabeni sokufa? Nangempela, ayebhekelele ukuba kwakuzokwenzeka kwa-Israyeli, inguquko nempenduko, ayisabanga khona, kodwa yini okwamenza ukuba eziqhathanise nawobaba, efise ukufa?

> **U-Eliya wayengumuntu efana nathi;** wakhuleka nokukhuleka ukuba lingani; alinanga emhlabeni iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. ekaJakobe 5:17

Qhaphela ukuba u-Eliya waphendula wathini ngesikhathi ebuzwa nguJehova ukuba kungani ebaleka.

> Wangena khona emhumeni, walala khona; bheka, kwafika kuye izwi likaJehova; wathi kuye: Wenzani lapha, Eliya, na? (10) Wathi: **Ngishisekele nokushisekela uJehova uNkulunkulu-sebawoti, ngokuba abantwana baka-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badilizile ama-altare akho, babulele abaprofethi bakho ngenkemba,** kusele mina ngedwa; sebefuna umphefumulo wami ukuba bawususe. 1 AmaKhosi 19:9-10

U-Eliya ukhonona ngokuthi, nanoma ebethembekile, kwakumele ebhekane nobuhlungu bokubona abaprofethi bakaNkulunkulu bebulawa ngenkemba, waze wasala yedwa. Uma u-Eliya wayengumuntu efana nathi, kungenzeka yini ukuba walingeka ukuziphindisela kulabo ababebulale abantu bakaNkulunkulu, hhayi lokho kuphela abantu ababengabangane bakhe? Ingabe wena wawungalingeka ukuziphindisela uma umngane wakho wayebulewe? Ingabe kungenzeka ukuthi lenhloso ibekhona enhliziyweni yakho nanoma ifihlekile, futhi ihlangene nokushisekela uNkulunkulu kwakho?

Ngesikhathi u-Eliya ebuka isigameko sokubhujiswa kwabaprofethi bakaBali, ingabe wabona isithelo saleyombewu yokubbulala eyayifihlakele enhliziyweni yakhe? Ingabe kuye kwasa nakuye ukuthi wayengahlukananga nawoyise? Ngesikhathi u-Jezebeli esongela ukuphila kwakhe, ingabe uye wangabaza ubudlelwane bakhe noNkulunkulu? Njengo-Adamu, ingabe empendulweni ka-Eliya sibona ukubeka nokudlulisela icala phezu kukaNkulunkulu? Ngesikhathi ebuzwa, "wenzani lapha na?" ingabe ufaka umqondo othi kwakungenxa kaNkulunkulu ukuthi lokhu kwenzekile? Izimpendulo zika-Eliya zinjengomuntu ozama ukuzivikela; "ngenze lokhu nalokhuyana." "Lesimo sibi kakhulu kanti ngisele ngedwa."

Kwabanye lendlela yokubuza imibuzo ngomprofethi onamandla kungabonakala njengokona noma ukungcolisa okungcwele. Kulabo abafisa ukunqoba isono sonke, babona emaveni ka-Eliya imvelo yabo iveziwe

idazulwa ukuze befundiswe ukuba isikhathi senhlupho sokugcina esiza emhlabeni bebhekane naso kanjani. Kubalulekile ukuba sifunde lezindatshana ngendlela esizozuza, ukwenzela ngesikhathi senhlupheko ezimpilweni zethu, sekuvela izici zesimilo sethu esingafani nesikaKhrestu sikwazi ukubambelela, singaziceleli ukufa ngenxa yokuphela ithemba. Kwamele sifunde lendatshana kuze kufike ekujuleni kwayo, siqonde izifundo ezilotshelwe thina esiphila ngezinsuku zokugcina. UMoya ka-Eliya uzokuza ebantwini bakaNkulunkulu awuzogcina ngokubanika amandla wokuxwayisa izwe kodwa uzobamisa endaweni lapho bezibona nemvelo *yabo* yababulali yambuliwe. Uma ungafundi isifundo, uzofa ngovalo nangokuphela ithemba, noma (okusabeka ukudlula lokhu) ucabange ukuba ukubulala kulungile ngoba kuveza intukuthelo kaNkulunkulu.

Singaba nesiqiniseko sokuba u-Eliya wayengekangeni esivumelweni esisha ngalesi sikhathi. Amava wesivumelwano esisha angukulotshwa kwesimilo sikaNkulunkulu enhliziyweni. Isimilo sikaNkulunkulu sivezwe ngumthetho wakhe..

> Ngakho-ke umthetho ungcwele, nomyalo ungcwele, ulungile, muhle. kwabaseRoma 7:12

> Ngokuba yilesi esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezozinsuku, isho iNkosi: ngiyakufaka imithetho yami engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo… kumaHeberu 8:10

U-Eliya ubalekela entabeni yaseSinaye, lapho ebuzwa khona nguNkulunkulu, “ufunani lapha?” U-Eliya uyazivikela. Uthi wayethembekile kuJehova kodwa izinto zibhidlika noma kunjalo, nokuthi usele yedwa, nokuthi abathungameli babemzingela befuna ukumbulala. UJehova uqhubeka ngokuvezela u-Eliya ukuba inkinga isendleleni aqonda ngayo.

> Wathi: Phuma, ume entabeni phambi kukaJehova. Bheka, uJehova wadlula, umoya omkhulu onamandla wadabula izintaba, waphahlaza amadwala phambi kukaJehova; kepha uJehova wayengekho emoyeni; emva komoya kwazamazama umhlaba; kepha uJehova wayengekho ekuzamazameni komhlaba; (12) **Emva kokuzamazama komhlaba ngumlilo;** kepha uJehova wayengekho emlilweni; emva komlilo yizwi elincane elihashazayo. 1 AlmaKhosi 19:11-12

Isimilo sikaNkulunkulu asivezwanga ezibonakalisweni ezinkulu nezinamandla zemvelo. Uma sikusho sobala, wayengekho kulezi zinto. Umlilo owavela ezulwini washisa umnikelo oshiswayo wahumushwa njengokubonakaliswa kwamandla, okwagunyaza ukuba u-Eliya ebulale abaprofethi bakaBali ngenkemba. Watshelwa ukuba uNkulunkulu akekho emlilweni. Ingabe lokhu kuchaza ukuthini? UNkulunkulu wathumela umlilo kodwa engekho emlilweni? UJehova utshela u-Eliya ukuba waphendula isicelo esenziwa ukuba kubonakale ukuthi ngubani owayekhonza uNkulunkulu weqiniso. Impendulo yeza ngendlela ababebukele babezoyiqonda.

U-Israyeli wonke wayesenamava esivumelwano esidala. Abakubonayo kwaba wukubonakaliswa kwamandla ngokuzwisisa kwabo indlela ayemele aphendule ngayo. Bonke abantu bazwisisa kwabakubonayo ukuba uNkulunkulu wayesemlilweni. UNkulunkulu uJehova wamtshela u-Eliya ukuba wayengekho emlilweni. UNkulunkulu wakhuluma nabantu ngesibuko salokho okwakusezinhliziyweni zabo. Nangempela uNkulunkulu wenza isimangaliso somlilo *kodwa lokhu kwakungaso sibonakaliso sesimilo sakhe.*

Ukubonakaliswa kwamandla kwakhulula izimbewu zokuphindisela ku-Eliya. Lona ngumsebenzi womthetho esivumelwaneni esidala. UNkulunkulu wayebangela ukuba isono sande. Ngendlela efana nangesikhathi uJesu etshela owesifazane ukuba akukuhle ukuthatha isinkwa sezingane usinike izinja, uBaba wethu osezulwni wanikela ngokubonakaliswa kwamandla ukuvivinya izinhliziyo zabantu. Lesibonakalo saveza okwakusenhliziyweni ka-Eliya. Esibukweni u-Eliya wezwa izwi elalisenhliziyweni yakhe noma elalifiswa yinhliziyo – izwi lokubulala abaprofethi bakaBali. Laveza u-Eliya engumbulali njengawoyise. Ngesikhathi esifanayo abaprofethi bakaBali bajeziswa. UJehova usebenzisa isivumelwano esidala ukuthumela umyalezo ku-Israyeli wonke ukuthi ukukhonza izithombe kubi, kodwa isimilo sakhe sangaveli ngesikhathi esifanayo.

Isimangaliso somoya, ukuzamazama komhlaba, nesomlilo sisivezela ukuba u-Eliya wayengaqondi isimilo sikaNkulunkulu. Nokho, uNkulunkulu wayefisa ukumvezela isimilo sakhe, ukwenzela u-Eliya ebone umahluko phakathi kukaNkulunkulu naye, bese ephenduke eshiye lomoya

wokuphindisela. UJehova uphinde wambuza umbuzo ukwenzela u-Eliya evume isono sakhe.

> U-Eliya esezwile lokho wagubuzela ubuso bakhe ngengubo yakhe, waphuma, wema emnyango womhume. Bheka, kwafika kuye izwi, lathi: Wenzani lapha, Eliya, na? (14) Ngishisekele nokushisekela uJehova uNkulunkulu-sebawoti, ngokuba abantwana baka-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badilizile ama-altare akho, babulele abaprofethi bakho ngenkemba, kusele mina ngedwa; sebefuna umphefumulo wami ukuba bawususe. 1 AmaKhosi 19:13-14

U-Eliya uphinda amazwi ayewakhulume ngaphambilini. Lokhu kutshengisa ukuba akatholi umusho walokho asanda kwambulelwa. U-Eliya walethwa emceleni noma emkhawulweni. Njengoba uJesu washo kubafundi, usho naku-Eliya, "umoya uyavuma kodwa inyama ibuthakathaka." U-Eliya utshelwa ukuba umsebenzi wakhe usuzophela maduze nje.

> Wayesethi uJehova kuye: Hamba, ubuye ngendlela yakho, uye ehlane laseDamaseku; usufikile khona uyakumgcoba uHazayeli abe-yinkosi yase-Aramu; (16) Uyakumgcoba uJehu indodana kaNimishi abe-yinkosi kwa-Israyeli, umgcobe **u-Elisha indodana kaShafati wase-Abela-Mehola abengumprofethi esikhundleni sakho**. 1AmaKhosis 19:15-16

Izimbewu zovalo ezavela ekubulaleni abaprofethi bakaBali zahlala ku-Eliya. Ukufisa ukubulala kwavezwa futhi nangaphambi kokuba eguqulwe u-Eliya eye ezulwini, gesikhathi ebiza umlilo ovela ezulwini ukuba ushise ababeze ukuzomthatha. Ingabe siyazi ukuba wayenovalo yini ngesikhathi lamadoda eza kuye?

> Ingelosi kaJehova yathi ku-Eliya: **Yehla naye, ungamesabi**. Wasuka wehla naye, waya enkosini. 2AmaKhosi 1:15

U-Eliya wayesanovalo. Ngesikhathi induna yamadoda angamashumi ayihlanu Ibiza u-Eliya ibanga lokuqala, wambiza ngokuthi "muntu kaNkulunkulu." Induna yayingangabazi ukuba wayengumuntu kaNkulunkulu.

> U-Eliya waphendula, wathi enduneni yamashumi ayisihlanu: **Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo ezulwini,**

> **ukuqede wena namashumi ayisihlanu akho**. Wehla-ke umlilo ezulwini, wayiqeda yona namashumi ayisihlanu ayo. 2AmaKhosi1:10

UJehova watshengisa u-Eliya ukuba wayengekho emlilweni. Kungani eqhubeke ngokubiza umlilo u-Eliya? Wayemesaba. Kuza kanjani ukuba umlilo wehle vele uvela ezulwini ukushisa lamadoda? Ngoba bengaphansi kwamandla enkosi, eyayizinikele kuBali, unkulunkulu wase-Ekroni, uthango lwesivikelo lwasuswa. Ngubani owaletha umlilo phezu kwalaba bantu?

> Wathi uJehova kuSathane: Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kuphela kuyena uqobo ungabeki isandla sakho. Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova. (16) Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: **Umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini, washisa izimvu nezinceku, waziqeda;** mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele. uJobe 1:12,16

Kungani uSathane engashisa amadoda ayethunyelwe ukuba ebambe umprofethi kaNkulunkulu?

> Zilimaze ukwenzela ukwenzela uzuze lapho isitha sikwethemba. Stratagem 34 of 36.*The Art of War* by Sun Tzu

Ngesikhathi u-Eliya ecela isimangaliso ukuba simlekelele, simnike isiqinisekiso sokuthi ngempela wayengumuntu kaNkulunkulu, wavulela uSathane isango lokuba engene eshaye. Eshaya abantu ababephansi kwesandla sakhe, uSathane wakholisa umhlaba wonke ukuba uNkulunkulu nguye oshaye lababantu wababulala.

Abafundi bakaJesu nabo badukiswa, nabo bakukholwa, babelungele ukulandela isibonelo sika-Eliya ebulala abaseSamariya. Ngalendlela nangalamasu uSathane waqinisekisa ukuba izitha zakhe ezisemhlabeni zimthembe. Bagcwaliswa ngalomoya wakhe ngamasu namacebo akhe abhungulayo. Kwabiza ukuba uSathane esebenzise abantu abangu-102 kuphela, kodwa wanqoba empini yakhe yokungcolisa isimilo sikaNkulunkulu, uNkulunkulu okhonzwa ngamaKhrestu cishe emhlabeni wonke namhlanje. Yebo uSathane lokhu wakwenza elekelelana nomoya wemvelo okumuntu, othi emvelweni yakhe engekaphenduki ejabulele ukuba noNkulunkulu noMdalo onentukuthelo ngoba phela yenza naye abenelungelo lokuba nalesi similo, noma ezizwe engcwele ukudlula

uNkulunkulu, imenze aqunge isibindi ekwambukeni kwakhe. Indatshana ka-Eliya iyingxenye yamaphethelo okugcina ekuphunyukeni ogibeni nasebulembuni bamanga uSathane alubekele abantu.

Uma umuntu efisa ukuvikelwa ebiza ukuba kubenesibonakaliso samandla kaNkulunkulu, usuka sesebenzela isitha. Indoda ingaguqula uhlangothi elisebenzelayo kulempi kamoya ngaphandle kokunanzelela ukuba ikwenzile. Besingeke silazi iqiniso uma uJesu wayengawakhulumanga amazwi akhe kubafundi ngalomlilo owavela ezulwini, kanjalo-ke besizokuhlala sivaleleke enkolweni ethi uNkulunkulu uthumela umlilo ovela ezulwini ukubulala. Lenkolo yamanga ibizokwenza isiqiniseko sokuba uNkulunkulu simkhonze ngovalo hhayi ngenxa yothando.

Ngemva kwezinsuku ezingu 40 elingwa ehlane uJesu wayeselambile. USathane wamlinga ukuba enze isimangaliso ukuba ezisindise. Wathi, "uma uyiNdodana kaNkulunkulu yisho ukuba lawamatshe abe yizinkwa." Ephendula uJesu wathi "Akusinkwa sodwa umuntu ayokuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaBaba." Wanqaba umbuzo wesitha oka *UMA,* wabambelela ezwini likaYise. Labo abafisa ukunqoba amasu namacebo kaSathane, akhulunywa ngengxenye ngu Sun Tzu's *'The Art of War'*, kwamele beqonde indlela asebenza ngayo uSathane; kanti lokhu bazokwenza hhayi ngokufunda izincwadi ezisithekile ezifunzelelwa nguSathane, ezitshala izimbewu zokukhohlakala, bangakwenza ngokuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu. Uma sivumela ukuba uJesu esitshengise indlela izimilo zethu zinecala nendlela ezinenkani ngayo, simvumele ukuba esebenze inguquko kithi bese esebenze nangathi. Usinikeza isibopho esisha esincike okholweni oluphelele olukuYise – kanti njengezindlalifa kanye noKhrestu sizomlandela ngomoya ofana nowakhe ngesikhathi elapha emhlabeni, umoya wothando oluzinikelayo. Ngoba abantwana bakaNkulunkulu:

> … bamnqoba ngegazi leWundlu nangezwi lobufakazi babo, **futhi abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba-sekufeni**. iSambulo 12:11

Abantu bakaNkulunkulu abanqobi ngenkemba ezandleni zabo namandla okubulala abantu. Nokuphila kwabo abakuthandanga kwaze kwaba sekufeni.

> Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba-ze, noma ingozi, noma inkemba, na? (36) Kulotshiwe ukuthi: **Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke, sithiwa izimvu zokuhlatshwa**. (37) **Kepha kokho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.** kwabaseRomas 8:35-37

Kuze kanjani u-Eliya eguqule engine ezulwini? U-Eliya ungumfanekiso walabo abazophila ngezinsuku zokugcina abazolingena izulu ngaphandle kokufa.

> Bhekani, **ngiyakuthuma kini u-Eliya umprofethi, lungakafiki usuku lukaJehova olukhulu nolwesabekayo**. (6) Uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nezinhliziyo zabantwana koyise, funa ngifike, ngishaye izwe ngesiqalekiso. uMalaki 4:5-6

ngezinsuku zokugcina insala kaNkulunkulu izobhekana nesilo nomfanekiso waso ngoMoya ka-Eliya. KwabaseRoma 11:2-5; iSambulo 12:17. Lensala izodlula ekulingweni okufana nokuka-Eliya ekubhekeni amakhosi omhlaba ekuhlubukweni kwawo. Lokulingwa kuvezwe nasendatshaneni kaJakobe.

> Maye, lukhulu lolosuku, alukho olunjengalo! **Kuyisikhathi sokuhlupheka kukaJakobe, kepha uyakusindiswa kukho**. (8) Kuyakuthi ngalolosuku, usho uJehova-sebawoti, ngilaphule ijoka entanyeni yabo, ngigqabule izibopho zabo, abafokazi bangabe besabakhonzisa, uJeremiya 30:7-8

Ngaphambi kokuba u-Eliya eguqulwe eyiswe ezulwini, ijoka lesono kwamele luphulwe lonke. Intukuthelo ayenawo u-Eliya kwamele inqotshwe ngaphambi kokuba eye ezulwini. Indatshana ka-Eliya ehlangene nezehlakalo zokugcina izizokwenzeka emhlabeni.

> Senza nezibonakaliso ezinkulu, **size senze nomlilo uphume ezulwini, wehlele emhlabeni phambi kwabantu. (14) Futhi sibadukise abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze phambi kwesilo,** sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele umfanekiso isilo, ebesinenxeba lenkemba kepha sasinda. (15) Sanikwa futhi ukuba siwuphe umfanekiso wesilo umoya, ukuze umfanekiso wesilo ukhulume, senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso wesilo babulawe. (16) Senza futhi ukuba bonke, abancane nabakhulu, nabacebileyo nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigqila,

> bazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo. iSambulo 13:13-16

Ukubeka kwendatshana ka-Eliya yomlilo owa uvela ezulwini ngezibuko zesiprofetho sikaMalaki 4:5-6 neSambulo 13:13-16 kuxhumanisa izehlakalo zezinsuku zokugcina namava akhe u-Eliya. Ukwesaba novalo luka-Eliya kwakumele lunqotshwe, kanti yena walophula ijoka entanyeni yakhe ngokuhlolisisa umphefumulo wakhe ngobunzima. U-Eliya wayengumuntu womkhuleko. Wakhulekela imvula ngokuzimisela ngosuku lwasentabeni yaseKameli, ebambelela ekukholweni, walindela ifu elingangesandla somuntu ukuba livele. 1 AmaKhosi 18:41-45. Ngezinsuku zokugcina abantu bakaNkulunkulu bazokhuleka ngokuzimisela ngesikhathi sokuhlupheka kukaJakobe ukuba bethole ukunqoba phezu kwesilo nomfanekiso waso.

> Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esiqhamileyo esimela abantwana babantu bakho; kuyakuba-yisikhathi sokuhlupheka esingazange sibekhona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube-yilesosikhathi; ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunywanwa belotshiwe encwadini. uDaniyeli 12:1

Amava ka-Eliya abuye alethwa empilweni kaJohane umbhaphathizi. Naye waba nenkinga enkulu okholweni lwakhe ngaphambi kokuba ebulawe.

> Kwathi-ke uJohane esetilongweni, ezwile ngemisebenzi kaKristu, wathumela ngabafundi bakhe, (3) Wathi kuye: **Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?** ngokukaMathewu 11:2-3

UJesu wakhuluma ngoJohane umbhaphathizi njengo-Eliya wesibili.

> Uma nivuma ukukwamukela, lo ungu-Eliya obezakufika. ngokukaMathewu 11:14

Inkinga yokholo uJohane abanayo ukuba ekholwe ukuthi uKhrestu wayenguMesiya yenza ukuba izici zesimilo sakhe okwakumele ezinqobe zivele. NjengoJohane uMbhaphathizi, u-Eliya kwakumele enqobe lezizinto. Ezikweni olushisayo lwezinhlupheko, izinhliziyo ezikhohlakele zabantu ziyavezwa, kanti endaweni efanayo iNkosi uJesu uveza umusa nokulunga kwakhe kuvame nangaphezulu.

> Kepha umthetho wangena ukuba isiphambeko saande, kodwa lapho kwavama khona isono, umusa wavama kakhulukazi, (21) Ukuze njengalokho isono sabusa ngokufa, nomusa ubuse kanjalo ngokulunga, kube-ngukuphila okuphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu. kwabaseRoma 5:20-21

U-Eliya waya ezulwini ethembele ekulungeni kukaMesiya kuphela. Akayanga njengomprofethi onamandla owayeshisa izitha zakhe. Waya njengesoni esingena sizo, esasithembele emuseni kaNkulunkulu kuphela ngesithembiso seWundlu.

Uma sesihlanganisa indatshana kaJakobe, u-Eliya no-Johane uMbhaphathizi, noMoya ka-Eliya okumele ubonakale ebantwaneni bakaNkulunkulu ngalezi zinsuku zokugcina, sibona ukuthi bonke balethwa ekutheni baphenduke ukuze bemukeliswe umqhele wokuphila. Bonke bazithola besezindaweni ezinzima eziveza izimpande zobubi zemvelo yabo yoluntu.

Lomsebenzi wokuphenduka awubonakali kumuntu ofunda iBhayibheli empilweni ka-Eliya, nokho amazwi kaJesu aveza ukuba umoya owawuku-Eliya ekuqaleni wawungasiwona okaKhrestu. Lokhu kuchaza ukuba ngaphambi kokuthi eguqulwe eye ezulwini waphenduka. UJohane uMbhaphathizi eswela ukholo ngoKhrestu nakho kuchaza ukuba kwakumele ephenduke naye ukuze emukeliswe ukuphila okungunaphakade. Amava alaba bantu ababili azokuphindwa yinsala ezophila emhlabeni ngezinsuku zokugcina. Abanye bazoguqulwa beye ezulwini benganambithanga ukufa (1 Thesalonika 4:15-17) kodwa bazodlula esikhathini sezinhlupheko zikaJakobe ukususa amanyela emphefumulweni yabo. Abanye bazobulawa njengoJohane uMbhaphathizi. Kodwa bonke bazolethwa esikhundleni lapho kwamele bephenduke kukho konke okumele baphenduke kukho.

> Ngokuba ukudabuka okuya ngokukaNkulunkulu kuveza ukuphenduka angezisole ngakho umuntu, kube-ngukusindiswa, kepha ukudabuka okuya ngokwezwe kuveza ukufa. 2 kwabaseKorinte 7:10

KuJakobe, ukuzethemba kwakhe, ukuzivikela kwakhe, nesimilo sakhe esikhohlisanayo ekugcineni kwanikelwa ngemva komzukuzuku wakhe wasebusuku neNdodana kaNkulunkulu, enqaba ukumdedela waze

wathola isiqiniseko sokuba wayebusiswe nguNkulunkulu futhi wayezothembela kuye ukuphila kwakhe konke. Genesise 48:15.

Ku-Eliya, izidumbu zabantu abangu-952 ezazosakazeke ngemva kwezehlakalo ezimbili, zanika ubufakazi bokuthi wayenomoya wokuziphindisela nokwesaba okwakusenhliziyweni yakhe nanoma yena engazi ukuba kukhona.

Ku-Johane uMbhaphathizi, waba engozini yokubetha ukungabaza phezu komsebenzi kaMesiya okwakuzoba nomthelela ezinkulungwaneni zabantu. Kodwa bobabili banqoba isimo sabo ngokuphenduka, bethembela emsebenzini nasezithelweni zoMsindisi kuphela. Amava afanayo abantwana bakaNkulunkulu ngezinsuku zokugcina bazoba nawo. Ngamaphethelo okugcina.

Awekho amaprofethi angamaqhawe; kunoKhrestu kuphela, yena abethelwe. Kunokulunga kukaKhrestu kuphela ensindisweni. UNkulunkulu wenza izintu ezinkulu ngalaba baprofethi ababili nokho into enkulu kunazo zonke kwaba wukubaletha ekutheni beqonde isidingo ababenaso sensindiso sasingahlukanga kunaleso sawowonke umuntu.

Uma sesiqonda leliqiniso elithi – *akakho olungileyo, akakho noyedwa* – khona imbumbulu namacebo kaSathane azolahlekelwa ngamandla awo phezu kwethu.

USathane ufisa ukuba abantu bafunde iBhayibheli ingaphezulu kuphela bekholwe ukuba nezenzo zabaprofethi eziveza isimilo sabo esinobudlova ziqondwe njengesimilo sikaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu esebenziswa isivumelwano esidala ukuba bezibone, uSathane usebenzisa lelithuba ukwenza abantu bekholwe ukuba lezizici, ezambuliwe eziveza ubuthakathaka bomuntu, zingukubonakaliswa kwesimilo sikaNkulunkulu. Lomsebenzi wokwenza izenzo zabantu zibengcwele, nokuthi bangaphansi kwentando kaNkulunkulu uqhubekisela phambili injongo yokugunyaza umoya wokuziphindisela, nendluzula nokususa izitha.

Asibhekeni kuKhrestu kuphela oyisibonelo esiphelele sikaYise. Uma sifunda ngesimilo sakhe kuphela singaba nesiqiniseko sokuba sithola izwi likaNkulunkulu elincane elihashazayo elingaxubene nomoya, nokuzamazama komhlaba nomlilo. Masingazwisini uNkulunkulu ubuhlungu ngokungamqondi, ngokuba ngalendlela iqiniso liyadelelwa

liphikwe ngabantu. “Yabeka ithuna layo nababi; ekufeni yayinabenza okubi, **noma ingenzanga indluzula**; kungekho nankohliso emlonyeni wayo.” U-Isaya 53:9.

# 24. U-Abrahama Nesinengiso Senchithakalo

> Kwathi emva kwalezozinto uNkulunkulu wamvivinya u-Abrahama, wathi kuye: Abrahama! Yena wathi: Ngilapha. (2) Wayesethi: **Thatha manje indodana yakho eyodwa oyithandayo, u-Isaka, uye ezweni laseMoriya, unikele khona ngaye abe-ngumnikelo wokushiswa** entabeni ethile engizakukutshela yona. uGenesise 22:1-2

Ngemva kwakho konke esesikubhekile, kwamele kukhanye kithi ukuba lendimana ingafundwa ngezindlela ezimbili ezihlukene. Indlela eyodwa iveza uthando lukaNkulunkulu ngendlela exakayo; umbono ka-Abrahama enikela ngendodana yakhe u-Isaka iletha isifanekiselo sothando lukaNkulunkulu nendlela wayezimisele ukunikela ngeNdodana yakhe ngenxa yethu, ukwenzela sibone sikholwe egameni (esimilweni) leNdodana kaNkulunkulu sisindiswe. Okuphambene nalokhu, uma sibheka isibuko sesivumelwano esidala sibona isithombe esihle sikaNkulunkulu elinga noma evivinya ukwethembeka kuka-Abrahama noma esibi sikaNkulunkulu ebiza ukuba u-Abrahama ebulale indodana yakhe.

Kungani uNkulunkulu ezocela ukuba u-Abrahama enze umhlatshelo wokushiswa ngendodana yakhe yesithembiso? Lesi sicelo kubonakala sengathi sivumelana kahle nemfundiso kankulunkulu onolaka ofuna ukwaneliseka uma ebona ukufa. Lena yindlela yezinkolo zamahedeni zonke; ukudambisa noma ukududuza unkulunkulu wakho ngeminikelo kungumongo nengqikithi yenkolo zobuhedeni. Kungani iBhayibheli liveza uNkulunkulu onguMdali ekukhanyeni okunje?

Okokuqala, asibuyeleni emuva, sibheke umsuka nendabuko yeminikelo eBhayibhelini.

> UJehova uNkulunkulu wabenzela u-Adamu nomkakhe iziphuku, wabembathisa. uGenesise 3:21

Asitshelwa ukuba iziphuku zavela kuphi. Kungenzeka ukuba kwakumele kufe inyamazane noma izinyamazane ukwenzela kubekhona iziphuku. UNkulunkulu kungenzeka mhlawumbe udale leziziphuku kungabulawanga nyamazane kodwa sesiyacabangela ngoba ngokwevesi asikwazi. Indimane eyokuqala ekhuluma ngeminikelo itholakala esahlukeni esilandela lesi kuGenesise.

> Kwathi emva kwezinsuku ezithile uKayini waletha kuJehova umnikelo wezithelo zomhlabathi. (4) **Naye u-Abela waletha umnikelo kuwo amazibulo ezimvu zakhe ezinonileyo.** UJehova wanaka u-Abela nomnikelo wakhe. uGenesise 4:3-4

Lendatshana iveza ukuba iminikelo yayidingeka, nokuthi ngaphandle komnikelo wemvu, ukukhonza kwakunganakwa noma kwamukelwe.

> **Kepha uKayini nomnikelo wakhe akawunakanga. Wayesethukuthela kakhulu uKayini,** ubuso bakhe banyukumala. (6) UJehova wathi kuKayini: uthukuthelelani na? Ubuso bakho bunyukumeleleni na? (7) **Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na?** Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango; ukunxanela kwaso kukuwe, kepha wena umelwe ukusibusa. uGenesise 4:5-7

Ngakho kubonala sengathi uNkulunkulu wayedinga noma ebiza ukuba abantu ekukhonzeni kwabo benikele ngezinyamazane. Ukunqaba kukaKayini ukuletha umnikelo wenyamazane kwakhula kwaze kwagcina ekubulaweni komuntu wokuqala. Okuthathekisa kakhulu ngalendaba wukukuthi nanoma uKayine engafunanga ukwamukela umnikelo wemvu, wazitholela ayengambulalala esikhundleni (umfowabo), ukwenelisa ulaka lwakhe.

Lokhu kubalulekile ukuba sikuqonde uma sizobheka indatshana yokunikelwa kuka-Isaka ngoba nalapho kwakuphakanyiswa ukuba kubulalwe noma kunikelwe ngomuntu ukuze kube nokubuyisana. Uma sibheka isimo seNkosi maqondana neminikelo sibona enye into ethathekisayo.

> Jehova Nkulunkulu wami, ziningi izimangaliso zakho ozenzileyo, **nezizindlo zakho ngathi; akukho okungafaniswa nawe**; uma ngiyilanda, ngiyisho, miningi kunokuba ibalwe. (6) **Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi, izindlebe zami uzibhobozile; umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi**. AmaHubo 40:5-6

Umhlabeleli efuqwa nguMoya uthi uNkulunkulu akawuthandi umhlatshelo. Bese esho nangu umusho omangalisayo othi uNkulunkulu umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono akawubizanga. Ekuqaleni lomqondo awuvumelani nakho konke okubhalwe eTestamenteni elidala.

Imiyalo uNkulunkulu ayinikeze uMose neminininigwane ekhanyayo yendlela iminikelo kwakumele inikelwe ngayo ibonakalisa sobala ukuba lokhu kwakudingwa noma kufunwa nguNkulunkulu. Nokho sifunda futhi:

> **Ngokuba angikhulumanga kuyihlo, angibayalelanga ngezindaba zeminikelo nemihlatshelo mhla ngibakhipha ezweni laseGibithe,** (23) Kepha ngabayala kuphela lento yokuthi: Lalelani izwi lami, ngiyakuba-nguNkulunkulu wenu, nina nibe-ngabantu bami, nihambe ngezindlela zonke enganiyala ngazo ukuba kube-kuhle kini. (24) Kepha abalalelanga, ababekanga izindlebe zabo, kepha bahamba ngamacebo abo nangenkani yezinhliziyo zabo ezimbi; bahlehla, abayanga phambili. uJeremiya 7:22-24

Lana sifunda izinto eziphikisana ngokuphelele. Umprofethi uJeremiya efuqwa nguMoya uthi uNkulunkulu u-Israyeli akamyalelanga maqondana neminikelo nemihlatshelo. Kodwa izincwadi zikaMose zikhuluma okuningi maqondana nalokhu.

> UJehova wakhuluma kuMose, wathi: (2) Yisho kubantwana bakwa-Israyeli, uthi: Uma umuntu ona kungengamabomu kuyo imiyalo uJehova ayale ngayo ukuthi akunakwenziwa akwenze noma yikuphi, (3) Uma kungumpristi ogcotshiweyo owone kanjalo, aze ahlisele abantu icala, wonikela kuJehova ngesono sakhe one ngaso iduna elingenasici, kube-ngumnikelo wesono, (4) **Ayiyise inkunzi ebusweni bukaJehova ngasemnyango wetende lokuhlangana**, abeke isandla sakhe enhloko yenkunzi, ayihlabe inkunzi phambi kukaJehova. uLevitikusi 4:1-4

> UJehova wakhuluma kuMose, wathi: (2) **Yala abantwana bakwa-Israyeli, uthi kubo: Umnikelo wami, isinkwa sami seminikelo yami yomlilo yephunga elimnandi kimi, niyakuqaphela ukunikela ngawo kimi ngesikhathi sawo.** (3) Wothi kubo: Lo ungumnikelo womlilo eniyakunikela ngawo kuJehova: izimvu zamaduna ezinomnyaka munye ezingenasici, zibe-zimbili njalo ngosuku, zibe-ngumnikelo oshiswa imihla yonke. (4) **Enye imvu uyakunikela ngayo ekuseni, enye imvu unikele ngayo kusihlwa,** uNumeri 28:1-4

Siyazikhumbuza enye yamaphuzu amqoka asehlakweni 21 salencwadi.

...uma uNkulunkulu esebenza nabantu esivumelwaneni esidala noma nabantu bemvelo, izwi alikhulumayo eliphikisana nempilo kaJesu esesemhlabeni singaba nobufakazi bokuthi kunesibuko thizeni esisetshenziswa nguNkulunkulu.

Asithini ukubuya kancane esikhathini lapho uNkulunkulu evela ku-Adamu ensimini yase-Edeni. UNkulunkulu umbuza ukuba usedlile yini kuwo umuthi wokwazi okuhle nokubi. U-Adamu akaphenduki noma aguquke ecele intethelelo ngesono sakhe, kodwa uvele esole uNkulunkulu ngokuba wumsuka wenkinga. U-Adamu akaqhapheli ukuba enhliziyweni yakhe wayenezimbewu zokubulala. Ngokuthatha iseluleko senyoka, u-Adamu wayemukele umoya wayo yona eyayingumbulali kwasekuqaleni. Johane 8:44. Ukwenzela u-Adamu ephenduke esonweni sakhe, kwakumele eqonde kuqala ayekwenzile ngokudla isithelo.

Sikhulume ngaleliqiniso kusahluko 19 - *Yalinyazwa Ngenxa yezono Zethu.* Siphinda leliphuzu:

> Ngesikhathi u-Adamu beno-Eve bewela esonweni baphenduka bafana noSathane ngokwemvelo. UMoya kaKhrestu owawukubo wagwazwa wapitshwa njengamazinyo egaya imbewu. NguMoya okaKhrestu ohlala emuntwini omnika ukuphila. Ungukukhanya okukhanyisa wonke umuntu oza emhlabeni [Johane 1:9]. Uma uKhrestu wayengaphuma ku-Adamu wayezofa. UMoya kaKhrestu wawupitshekile ku-Adamu kodwa noma kunjalo uKhrestu akaphumanga, nanoma ukuhlala kwakumbangela ubuhlungu. Ezinhluphekeni eziqhubekayo zikaKhrestu, idwala laphakade, kwavela amanzi okuphila ayezogcina u-Adamu ephila. *Agape,* Sahluko 19, pg 197.

U-Adamu akuvelanga kuye ukuba wayenezimbewu zobudlwangudlwangu ngaphakathi kwakhe. Wayengaqondi ukuba isehlakalo sokubethelwa kukaKhrestu okwabonakala emva kweminyaka engu 4000 eyalandela yathola umsuka wayo kuye. UJehova kwakumele ebonise u-Adamu inking ukwenzela u-Adamu ebone isimo sakhe esingenathemba, ephendukele eMoyeni kaKhrestu omnika ukuphenduka.

Uhlelo lweminikelo olwamiswa emhlabeni lwaluveza esibukweni imizwa yabantu yemvelo maqondana noKhrestu. Loluhlelo lonke lwalungumlayi wethu wokusiyisa kuKhrestu, nokho njengoba sesishilo ngaphambilini,

abantu babuyisela okuvezwa yilesi sibuko phezu kukaNkulunkulu bebeke izici zesimilo sabo phezu kwakhe. Njalo-ke umhlaba wonke ukholwa ukuba uNkulunkulu nguye owabiza nowafuna iminikelo, umphumela walokhu ngothi abantu bakholwa ukuthi uNkulunkulu nguye owabulala iNdodana yakhe, bakwenza lokhu bekwazi noma bengakwazi.

U-Abrahama wakhulela eBabiloni – ezweni lamaKhaledi. Genesise 11:31. Wakhuliswa ngesikhathi kunamasiko wokunikela ngabantu. Izimiso ezaziveza kuKayini ngesikhathi ebulala umfowabo zaba luphawu nengqikithi yayo yonke inkolo yabahedeni. Ubhincabhincane nokubulawa kwezigidi nezigidi zezinyamazane nabantu kuthola umsuka wakho enhliziyweni ekhohlisayo yomuntu ibeka izici zayo ezinolaka phezu kukaNkulunkulu. Kunokuthi evume ukuba iminikelo iveza akwenzayo, nesimo sakhe, umuntu uguqula iminikelo ibeyinto edingwa nguNkulunkulu nemthokozisayo.

> USamuweli wathi: UJehova uyenamela yini iminikelo yokushiswa nemihlatshelo, njengalokhu enamele ukulalelwa kwezwi likaJehova, na? Bheka, ukulalela kuhle kunomhlatshelo, nokuqaphela kuhle kunamanoni ezinqama. 1 Samuweli 15:22

U-Abrahama wayehlulwe ukuthemba ukuba uJehova wayezomnikeza indodana yesithembiso ayesifuna kangaka. Wacela ukuba uNkulunkulu eyamukele u-Eliyezeri, inceku yakhe ethembekileyo. Genesise 15:2. Khona u-Abrahama walalela isiphakamiso sonkosikazi wakhe, sokuba ebe nengane ngencekukazi yakhe uHagare, owazala u-Ishmayeli.

Ukuswela ukholo kwabo kwadala ikhaya elalingemnandi, ekugcineni u-Abrahama waphoxakala ukuba exoshe uHagare no-Ishmayeli. Ngokuphelelwa yithemba u-Abrahama wabona ukwehluleka kwakhe. Isilingo sokunikela ngento ukwenzela eyamukeleke kuNkulunkulu saya ngokukhula. Amava asekukhuleni kwakhe onke, ehlangene nembewu eyifa alishiyelwa ngu-Adamu lemvelo ewile, konke kwamholela ukuba efise kangaka ukufuna ukubuyisana noNkulunkulu ngokudambisa nokushweleza ngomnikelo othile.

Ekulesi sigaba sengqondo uNkulunkulu waletha inking ka-Abrahama esibukweni. Izwi leza kungukubuyiseleka kwezizindlo zengqondo yakhe zokushweleza ngomnikelo othile.

Ngesikhathi esifanayo siyaqhaphela ukuba uNkulunkulu akashongo ukuthi u-Abrahama embulale umfana, u-Isaka. Konke ayekushilo kwakungukuthi emnikele njengomnikelo wokushiswa. Izwi leza ngendlela elalingahumusheka ngezindlela ezimbili ezihlukene.

Ngesikhathi uJesu ekhuluma nowesifazane owayecele ukuba indodakazi yakhe isindiswe, uJesu wathi: Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana usiphonse ezinjeni. Akambizanga inja. Wakhuluma into eyayisezingqondweni zabafundi, nalokho okwakusengqondweni yalowesifazane ngaye ezingqondweni zabaJuda. Waqonda ukuba uJesu umbiza ngenja ngendlela aphendula ngayo, kodwa wayengasho kalulana ukuba wayengumntwana kaNkulunkulu.

Into efanayo iqhubeka endatshaneni ka-Abrahama. UNkulunkulu watshela u-Abrahama ukuba enikele ngendodana yakhe ebe ngumnikelo oshiswayo. Akamtshelanga ukuba ebulale indodana yakhe. Isizathu salokhu singaba ngesokuthi kwakumele enikele zonke izifiso angaba enazo ngendodana yakhe ezazingaphandle kwentando kaNkulunkulu. Ngendlela ayekhuliswe ngayo nangendlela ayecabanga ngayo ukuba uNkulunkulu udinga umnikelo ukuba ushweleze kuye, u-Abrahama waqonda uNkulunkulu ethi makabulale indodana yakhe. UNkulunkulu wayesazi ukuba lokhu kwakuzokwenzeka. Kwakudingeka ukuba kuvezwe imicabango ka-Abrahama yokuthi uNkulunkulu udinga umnikelo uma uzoshweleza kuye, ngesikhathi esifanayo kwakuletha u-Abrahama esigabeni lapho ethembela kuNkulunkulu ngenhliziyo yakhe yonke. Kungumsebenzi omangalisayo wokuletha u-Abrahama esivumelwaneni esisha sokholo emoyeni naseqinisweni, ngenkazimulo yenkonzo endala noma isivumelwano esidala. 2 Korinte 3:7-9.

> Kwase kumemeza kuye ingelosi kaJehova isezulwini, ithi: Abrahama, Abrahama! Yena wathi: Ngilapha. (12) Yayisithi: Ungabeki isandla sakho kumfana, ungenzi-lutho kuye, ngokuba ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, lokhu ungagodlanga kimi nandodana eyodwa yakho. (13) U-Abrahama waphakamisa amehlo akhe, wabona; bheka ngemuva yinqama, ibhanjiwe esihlahleni ngezimpondo zayo; u-Abrahama waya wayithatha inqama, wanikela ngayo umnikelo wokushiswa esikhundleni sendodana yakhe. UGenesise 22:11-13

Uma singafunda kulendatshana ukuba uNkulunkulu akadinge minikelo yabantwana bethu ukuba sishweleze kuye kodwa udinga umnikelo

weNdodana yakhe, lokho kuzobonakalisa ukuba sijule ngempela ebuhedenini obungahlukile kakhulu kulobo base-Aztecs kweliseMelika. Umahluko obakhona ngowokuthi yindodana kabani uNkulunkulu ebiza ukuba ife; ukuba iNdodana kaNkulunkulu ingumnikelo ofanele kakhulu futhi oligugu uludlula yonke esinganikela ngayo yabahedeni.

Isifiso sokushweleza kuNkulunkulu ngeminikelo solokhu yaletha usizi kuNkulunkulu kusukela ekuqaleni. Akadinganga kushwelezwa ngeminikelo ngokubulawa kwezinyamazane.

> UNowa wamakhela uJehova i-altare, wathatha kuzo zonke izilwane ezihlambulukileyo nakuzo zonke izinyoni ezihlambulukileyo, wanikela umnikelo wokushiswa e-altare. (21) UJehova wezwa iphunga elimnandi; uJehova wathi enhliziyweni yakhe: Angisayikuphinda ngiqalekise umhlaba ngenxa yabantu, ngokuba imicabango yomuntu mibi kwasebusheni bakhe; angisayikuphinda ngibhubhise konke okuphilayo, njengalokho ngenzile. uGenesise 8:20-21

Ukufunda ingaphezulu lalelivesi kungenza ukuba umuntu ecabange ukuthi ngempela uNkulunkulu washwelezeka ngeminikelo. Iphunga elimnandi elafika emakhaleni akhe lamenza ukuba ethembise ukuba wayengeke ephinde eqalekise umhlaba futhi. Iqiniso lingelithi igama elithi *iphunga* lithi *ruach.* Liyisiqu segama esithola igama elithi uMoya, noma uMoya kaNkulunkulu. Leligama lichaza ukuthi:

> Isiqu sakuqala; **ukuphephetha, khona ukuphefumula;** (literally) ukuzwa ngamakhala (okuqhaza ukuba nokuqhaphela) (ngokomfanekiso ukulangazelela, ukujabulela): - ukwamukela, ukuphefumula, X ukuthinta, ukuqondisa.

Ukuphefumula sekungaba ngaphakathi noma ngaphandle. Ukuphefumulela ngaphandle kuletha isiphakamiso sokunikela ngento ethile. Ukuphefumulela ngaphakathi kuletha umbono wokuthatha into ethile. Kanti ekuqaleni kukavesi 21 ngokwelikaGeorge kunegama elihlanganisa imibono elithi *and* elingekho kwinkulumo yesiHeberu njengoba lingekho nasesintwini. UNkulunkulu akashwelezekanga ngenxa yeminikelo yezinyamazana. Wamukela ukuphenduka kukaNowa owayezama ukuthi: ngiyazi ukuba angifanele ngakwami futhi nginecala lokubulala iNdodana yakho ngalesenzo seminikelo. UJehova ngomusa wakhe waphefumulela uMoya wakhe emhlabeni, wathumela impilo

emhlabeni ngenxa yothando lwakhe. Uma sifunda iBhayibheli ekukhanyeni kwesimilo sikaKhrestu, wonke lamavesi amnyama akhuluma ngeminikelo yokudambisa ziqala ukukhazimula ebusweni bukaJesu Khrestu. 2 KwabaseKorinte 4:6.

UKayini wathatha izimiso zokushweleza nokudambisa ngeminikelo phambili ngokukhonza imvelo uqobolwayo. Wasusa imvu eyayiyisifanekiselo senhliziyo yakhe egcwele unya nokubulala, wavele wanikela ngemifino nezithelo. Ngalesenzo sokuthobeza uNkulunkulu, izinto zomhlaba zaphenduka umsindisi wakhe. Ekukhonzeni kwakhe wangeza ngokubulala umfowabo, kanjalo-ke ukukhonza kwabahedeni kwaqala. Ekukhonzeni kwabahedeni lokhu kwabonakaliswa ngokukhonza ehlathini eligcwele ngemithi eluhlaza nokwenza iminikelo ngabantu. Lendlela yokukhonza yayingeletha usizi *oluqhubekayo* kuNkulunkulu. USathane wancolisa iqiniso elaliyigugu kunawo wonke elalihloswe ukufundiswa eminikelweni, laphenduka indlela yokudambisa uNkulunkulu.

> Niyakuchitha nokuchitha zonke izindawo, lapho izizwe eniyakuzidla zazikhonza khona onkulunkulu bazo ezintabeni eziphakemeyo, nasemadulini, naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, (3) Niwadilize ama-altare azo, niziphohloze izinsika zazo, nibashise o-Ashera bazo ngomlilo, nizinqume izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu bazo, nesule igama lazo kuleyondawo. (4) Nina aniyikwenze njalo kuJehova uNkulunkulu wenu. uDuteronomi 12:2-4

Indlela u-Israyeli wayemele echithe zonke izindawo eziphakemeyo zabahedeni kwakungukuthi bemise ukuba nengqondo yokukhonza ngokushweleza nokudambisa ngeminikelo, bevumele uNkulunkulu ebaphefumulele noma ebaphephethe ngoMoya wakhe, hhayi ukuba enukelwe ngamaphunga weminikelo yabo.

Babecabanga ukuba uNkulunkulu wayengomunye ofana nabo; babecabanga ukuba babemnika ayekubizile noma ayekufuna; igazi, ubufakazi bokuthi impilo inikelwe ukwenelisa ukoma kukaNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu wayethe uzonikela ngegazi.

> Ngokuba umphefumulo womzimba usegazini; **ngimnike lona** e-altare ukwenzela imiphefumulo yenu ukubuyisana, lokhu kuyigazi elenza ukubuyisana ngomphefumulo. uLevitikusi 17:11

Uma nje babelalele izwi likaNkulunkulu, babezowadiliza lama-altare abesezingqondweni zabo.

> Ngokuba noma sihamba sisenyameni kasilwi ngokwenyama, (4) Ngokuba izikhali zethu zokulwa kasizo ezenyama **kodwa ngaye uNkulunkulu zinamandla okubhidliza izinqaba, sichitha izizindlo**, (5) **Nakho konke okudephileyo okuziphakamisela ukuthiyana nokumazi uNkulunkulu,** namacebo onke siwathumbela ukumlalela uKristu; 2kwabaseKorinte10:3-5

Ubufakazi bokuthi u-Israyeli akaphunyukanga ngokuphelele kulengqondo yokudambula nokushweleza ngeminikelo ekukhonzeni kwakhe ngobokuthi lezindawo eziphakemeyo zahlala zikhona kwa-Israyeli ngaso sonke lesisikhathi, nangezinkathi lapho kwakubusa amakhosi ayehamba ngokulunga phambi kukaJehova.

> **USolomoni** wamthanda uJehova, wahamba ngezimiso zikaDavide uyise, kepha wahlaba, **washisa impepho ezindaweni eziphakemeyo**. 1 AmaKhosi 3:3

> **Kodwa izindawo eziphakemeyo azisuswanga;** nokho inhliziyo **ka-Asa** yayikuJehova ngokupheleleyo zonke izinsuku zakhe. 1 AmaKhosi 15:14

> Abantwana bakwa-Israyeli benza ngasese izinto ezingalungile kuJehova uNkulunkulu, bazakhela izindawo eziphakemeyo emizini yabo yonke ngasemibhoshongweni yabalindi nasemizini ebiyelweyo. (10) **Bazimisela izinsika nawo-Ashera emagqumeni onke aphakemeyo naphansi kwayo yonke imithi eluhlaza, (11) Bashisa khona impepho ezindaweni zonke eziphakemeyo njengokwenza kwabezizwe** uJehova abaxosha phambi kwabo, benza izinto ezimbili ukumcunula uJehova. (12) Bakhonza izithombe uJehova ashilo ngazo kubo ukuthi: Aniyikwenza lento. 2 AmaKhosi 17:9-12

Mabili amakhosi asusa izindawo eziphakemeyo: uHezekiya noJosiya.

> **Wasusa izindawo eziphakemeyo, wadiliza** izinsika, wanquma o-Ashera wachitha inyoka yethusi ayeyenzile uMose, ngokuba abantwana bakwa-Israyeli babeshisa impepho kuyo kwaze kwaba-ngalezozinsuku; yabizwa ngokuthi uNehushitani. 2 AmaKhosi 18:4

> **Nazo zonke izindlu zezindawo eziphakemeyo ezazisemizini yaseSamariya,** ezenziwa ngamakhosi akwa-Israyeli acunula ngazo, uJosiya wazisusa, wenza kuzona njengazo zonke izenzo azenzileyo eBethele. (20) Wabulala ema-altare bonke abapristi basezindaweni eziphakemeyo ababelapho, washisa amathambo abantu phezu kwawo, wabuyela eJerusalema. 2 AmaKhosi 23:19-20

Incwadi yomthetho yatholakala ngezinsuku zokubusa kukaJosiya baqala ukulandela izimiso begcina nemikhosi kaJehova. 2 iziKronike 35:1. Ngeshwa uJosiya wafela empini elwa nenkosi yaseGibithe, kanti u-Israyeli waphindela ekukhonzeni kwabahedeni futhi. Kungekadluli isikhathi eside bathunjwa yiBabiloni. Isifiso sika-Israyeli sokukhonza onkulunkulu bezizwe ezazibazungezile ababeshwelezwa ngeminikelo ivezwe kahle emibonweni kaHezekeli.

> Wayesengingenisa egcekeni elingaphakathi lendlu kaJehova; bheka, ngasemnyango wethempeli likaJehova phakathi kompheme ne-altare kwakukhona **kungathi amadoda angamashumi amabili nanhlanu efulathele ithempeli likaJehova, ubuso bawo bubhekene nempumalanga, ekhonza ilanga ngasempumalanga.** uHezekeli 8:16

Akumangalisi ukuba u-Israyeli njengesizwe, kakhulukazi nabaholi baso babethunjwe ekukhonzeni ilanga njengezizwe zabahedeni ezazibazungezile, lezizwe ekugcineni zazibathumba ngokwemizimba. Ngesikhathi ethunjwe yiBabiloni uDaniyeli wancenga ukuba ethole ukuqonda kwalokho okwakuzokwenzeka ebantwini bakaNkulunkulu. Esibonweni sesahluko sesikhombisa sencwadi kaDaniyeli, ubona izinyamazane ezincolileyo ziphuma olwandle ukubusa izwe. Abantu bakaNkulunkulu bayacindezelwa bayahlushwa ngalababusi. Abantu bakaNkulunkulu bayasakazeka ngenxa yezinhlupho, nokho konke lokhu kwenzeka ngoba u-Israyeli enqaba ukususa izindawo eziphakemeyo zokukhonza ngokudambisa nokushweleza ngeminikelo. Ukuba bephenduke ezonweni kuphela, bemukele ukulunga kukaNkulunkulu okuvela kuMesiya.

> Kepha uma lingangilaleli nangazo zonke lezozinto, kodwa nihamba niphambene nami, (28) Nami ngiyakuhamba ngiphambene nani ngokufutheka, **ngikushaye kasikhombisa ngezono zakho**. (29) Niyakudla inyama yamadodana enu, nenyama yamadodakazi enu

niyakuyidla. (30) **Ngiyakuchitha izindawo zenu eziphakemeyo, nginqume ama-altare enu empepho**, ngilahle izidumbu zenu phezu kwezidumbu zezithombe zenu; umphefumulo wami uyakunengwa yinina. (31) Ngiyakuyenza imizi yenu ibe-yizwekufa, **ngizenze izindlu zenu ezingcwele zibe-yincithakalo**; angisayikuhogela unqambothi lwamaphunga lwenu olumnandi. (32) Ngiyakulenza izwe libe-yinchithakalo; izitha zenu ezihlala kulo ziyakumangala ngakho. (33) **Nina ngiyakunihlakazela izizweni,** ngihoshe inkemba emva kwenu, izwe lakini libe-yincithakalo, nemizi yenu ibe-yizwekufa. uLevitikusi 26:27-33

Asizukhuluma ngezinkathi eziyisikhombisa kulencwadi kodwa lesiprofetho sinento yokwenza nokubuyiselwa kwevangeli langempela ebantwini bakaNkulunkulu.

Kuyipulani kaNkulunkulu ukuba u-Israyeli ebengumholi wezizwe, nokuba izizwe ezimzungezile zize kuye ukuzofunda ngoNkulunkulu weqiniso nangezindlela zakhe. Uma babelalele izwi lakhe, baqaphela isivumelwano esingunaphakade, baphenduka emacebweni abo onkulunkulu odinga ukudambiswa nokwenzelwa iminikelo. Kwakungeke kube nasidingo sokuba kuvuke zonke lezi zizwe zabahedeni ngalendlela. Lemibuso yayingukubonakaliswa kwenhliziyo yomuntu embi ukwenzela abantu beqaphele ubudlova nendluzula nokuba yize kwezindlela zomuntu.

Kusukela emnyakeni weshumi nantathu kaJosiya indodana ka-Amoni, inkosi yakwaJuda, kuze kube-namuhla, leminyaka engamashumi amabili nantathu izwi likaJehova lifikile kimi, ngalikhuluma, ngilisho kini njalonjalo, kepha kanilalelanga. (4) **UJehova uthumile kini zonke izinceku zakhe abaprofethi, ebathuma njalonjalo, kepha anilalelanga, anibekanga indlebe ukuba nizwe.** (5) Lapho kwathiwa; ake nibuye, kube-yilowo nalowo endleleni yakhe embi, nasebubini bezono zenu, nihlale ezweni uJehova alinike nina nawoyihlo, kusukela phakade kuze kube-phakade, (6) **ningalandeli abanye onkulunkulu ukuba nibakhonze, nikhuleke kubo, ningangicunuli ngemisebenzi yezandla zenu; khona angiyakunenzela okubi.** (7) **kepha aningilalelanga, usho uJehova, naze nangicunula ngemisebenzi yezandla zenu, kwaba kubi kini.** (8) Ngalokho usho kanje uJehova-Sebawoti, uthi: Ngenxa yokuba ningawalalelanga amazwi ami, (9) bheka ngiyakuthumela, ngilandele yonke imindeni yasenyakatho, usho uJehova, noNebukadiresari inkosi

> yaseBabele, inceku yami, ngibehlisele phezu kwalezizwe nabakhileyo kulo, naphezu kwazo zonke lezizizwe nxazonke, ngibaqalekise, ngibenze babe-yisimangaliso nento encimfelwa, nencithakalo ephakade. uJeremiya 25:3-9

Imibuso emine eyabonakala embonweni kaDaniyeli yilena, iBabiloni, Medo nama Perisiya, amaGerike, namaRoma. Yonke lemibuso yayinamatempeli okukhonza lapho kwakunikelwa ngemihlatshelo konkulunkulu babo. Ingqikithi yempi kaSathane noNkulunkulu yilemfundiso yokushweleza nokudambisa ngeminikelo. Iminikelo yabo yayinikelwa nsukuzonke. Kunombhalo okusezindongeni zikaCylinde kaCyrus (538-529BC) okhuluma ngeminikelo yabo yemihla nemihla konkulunkulu babo.

> "**Ngemihla** wayehlela, ngonya wavumela **iminikelo yezinsuku zonke** ukuba imiswe; wabeka wamisa emzini." Quoted inF.L Sharp, *Antiochus or Rome,* pg 40.

Lombhalo okhuluma ngesikhathi lapho iminikelo yayimiswa noma iphazanyiswa. Isitshela ukuba ngokwenjwayelo babesiba neminikelo ngosuku ekukhonzeni kwabo. Njengoba uDaniyeli ayewaqhubeka enemibuzo ngekusasa nengokuhlukunyezwa kwabantu bakubo wamangala wazewaphelelwa yithemba uma emibonweni wezwa abali nekhulumisana:

> Kolunye lwazo kwamila uphondo oluncane, olwakhula kakhulu, ngaseningizimu, nangasempumalanga, nangasezweni elihle. (10) Lwakhula kwaze kwaba-nasebandleni lasezulwini, lwaphonsa phansi okunye kwebandla, okwezinkanyezi, lwakunyathela. (11) Yebo, lwazikhulisa kwaze kwaba nasesikhulwini sebandla, **lwasaphuca umnikelo oshiswa imihla yonke,** [rum – laphakanyiswa, bese lathathwa] **nendawo yendlu yaso engcwele yaphonswa phansi.** (12) Kwabekwa impi yokulwa [uphondo oluncane] kanye nomnikelo oshiswa imihla yonke nesiphambeko: lwaphonsa phansi iqiniso, lwenza njengentando yalo, lwaba-nempumelelo. (13) Ngase ngizwa ongcwele ekhuluma, nomunye ongcwele wathi kulowo owakhuluma: **uyakuba-khona kuze kube-nini lombono womnikelo oshiswa imihla yonke, nesiphambeko esichithayo sokuba kukhashelwe indlu engcwele nempi, kunyathelwe phansi, na?** (14) Wathi limi: koze kube-yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili

> namakhulu amathathu; bese ihlanjululwa indlu engcwele. UDaniyeli 8:9-14

Asifisi ukucindezela ngemininigwane yalendimana. Iphuzu elibalulekileyo esifisa ukulenza lapha ngelithi indlela yokukhonza ngokunikela iminikelo **usuku nosuku** yabahedeni yayizokukhishwa ngokwendlela yabahedeni esikhundleni sayo kungene indlela efanayo yamakhrestu. Umbuso owavela ngesikhathi kusiwa umbuso wamaRoma wawuzothatha umnikelo kaKhrestu uphendule inchazelo yawo ibe ngeyokunikela ukushweleza. Umnikelo kaKhrestu wawuzovezwa emhlabeni njengomnikelo odambisa noshweleza uNkulunkulu othukuthele, owayefuna ukuba izoni zibulawe. Lena yinxenye engekhonzima ukuba iqondwe. Umyalezo wevangeli oshunyawelwa kweningi lalamabandla utholwa umsuka wawo emiqondwen yokukhonza kwamahedeni.

Njengoba uDaniyeli wayecabanga ngengozi yalokho ayekubona waphelelwa yithemba.

> Imibono yakusihlwa neyasekuseni esilandiwe iqinisile, kepha gcina wena umbono, ngokuba ungowezinsuku eziningi. (27) **Mina-Daniyeli ngase ngiphela amandla, ngagula izinsuku ezithile; ngavuka ngenza umsebenzi wenkosi; ngamangala ngombono, kwakungekho owuqondayo.** UDaniyeli 8:26-27

Ngesikhathi efuna ukuqonda ukuba lokhu kwakuzokwenzeka kanjani, uGabriyeli ingelosi wathunyelwa kuDaniyeli ukuba echaze kabanzi ngombono ayebenawo. UGabriyeli uqala ngokunikeza uDaniyeli indawo yokuqala yesiprofetho samasonto angamashumi ayisikhombisa abekuzofika ngawo Ogcotshiweyo umbusi. Bese uGabriyeli ukhuluma enye into ebalulekileyo.

> Uyakuqinisa isivumelwano nabaningi isonto libe-linye, **imihlatshelo neminikelo ikhawuke phakathi kwesonto, kufike incithakalo nephiko lesinengiso,** kuze kuphele okunqunyiweyo, kuthululelwe phezu komchithi. UDaniyeli 9:27

Lelivesi likhuluma ngomsebenzi kaKhrestu emhlabeni. Ekufeni kukaKhrestu, imihlatshelo neminikelo yezinyamazane yayingesayi kwamukeleka ekukhonzeni kukaNkulunkulu. Ngesikhathi uKhrestu

ebethelwa, isihenqo setempeli sadabuka kabili okwakutshengisa ukuphela kwenkonzo yeminikelo eyayibonwa nephathekayo.

Nokho, kunenchazelo efihlakeleyo kulelivesi engekabonakali kwiningi labantu. SIyazi ukuba uKhrestu wafa esiphambanweni, imihlatshelo yezinyamazane yaqhubeka inikelwa nanoma yayingasena sisindo. Iqiniso elijulileyo ngomsebenzi kaKhrestu ngelithi *ukumiswa kweminikelo nemihlatshelo akusiyinto ephathekayo.* <u>Uma iqiniso ngesiphambano lalizoqondwa ngendlela efanele khona izimiso nezimfundiso zokushweleza nokuthobeza uNkululunkulu yayizoqedwa ezinhliziyweni zabakholwayo.</u> Uma isivumelwano esingunaphakade sasizoqondwa, abantu babezoyeka ukuza kuNkulunkulu bezoxolisa noma beshweleze ngeminikelo ethile. Leli yiqiniso elijulile ngenchazelo yokuthi *wayezo khawula imihlatshelo neminikelo*. Igama elincane elithi *for* lingahumushwa ngokuthi *bhekene* noma *enqikene*. Lapho isivumelwano esidala siqondwa futhi sinconywa ngendlela efanele negcwele, ukushweleza kukaNkulunkulu ngeminikelo kuzokhawulwa. Kanti iqiniso eliligugu lizosebenza *libhekene* noma *linqikene* nencithakalo nephiko lesinengiso elaphundlekisa ivangeli lesimilo sikaNkulunkulu sothando langempela. Incwadi yonke isingabhalwa ngalokhu kodwa sicabanga ukuba kuyakhanya esikushoyo. Ukuqonda kwesiphambano okuhle nokufanele kuzodazulula kunqobe isinengiso esenza inchithakalo.

Namhlanje uma abantu abaningi bekhuluma ngesiphambano sikaKhrestu, bakhuluma ngaso besixuba nokweneliseka kolaka lukaNKulunkulu. Lendlela yokuqonda isiphelo sayo yisinengiso esishiya inhliziyo ichithakele. Yonke imizwa yothando umuntu angaba nayo ngoNkulunkulu, iyaphundlekiswa ichithekiswe yena engazi uma benemicabango ethi uNkulunkulu wabulala iNdodana yakhe ukwanelisa ulaka lwakhe. Umphefumulo ushiywa uyinyumba ngemicabango ethi uNkulunkulu wabiza ukuba ukufa kubekhona nokuthi wukubulawa kweNdodana yakhe kuphela okwakuzokwanelisa. Imfundiso yenkonzo yamaKatholika ingukubonakaliswa okuphelele kokushweleza nokuxolisa ngeminikelo. Ngokuya kuMasi isonto emva kwelinye, uvuma izono zakhe kumpristi osemhlabeni, ukholelwa kwiTrinity, uthembele emisebenzini emihle yabangcwele bebandla, ungakwazi ukubalekela ulaka lukaNkulunkulu oluseGehena noma esihogweni.

Iqiniso elisobala lingelithi:

## Imihlatshelo neminikelo ikhawulwa okwangempela nalabo uMesiya aqinisa isivumelwano nabo kuphela.

Isenzo sokususa iminikelo yezinyamazane ngokwaso asisusi isifiso sokuxolisa nokushweleza kuNkulunkulu ngeminikelo. Njengo-Abrahama, namhlanje sizwa izwi lisibiza njengoba siseduze nokuhlaba imese ebudlelwaneni bethu obuligugu sicabanga ukuba sizothethelelwa nguNkulunkulu ngenxa yokwenza kanjalo.

Kubashumayeli bonke abanikela ngemindeni yabo ukuba beshumayele umyalezo abacabanga babizelwe wona ukuyishumayeza abakhileyo ezweni, lalela izwi – "angidinge kushwelezwa ngeminikelo! Imisebenzi yakho yokushumayela ayikusebenzeli ekutheni ikusize ekubuyiseni kwakho nami esikhundleni sezono zakho. Ukuba wena ukholwa inkolelo ethile, edinga ukuba ubeke abanye eceleni njengezoni noma njengabantu abakholwa okuphambene nokujwayelekile, wonke lomsebenzi usungawuyeka."

UBaba wethu osezulwini ufisa ukuba sikhululeke ekucabangeni kwethu kwabahedeni. Ufisa ukuba sikholwe ngempela ukuba uyasithanda – uthando luyasithanda. Akukho esingakwenza noma sikusho okungenza asithande nangaphezu kwendlela asithanda ngayo. Funda lemicabango ehlabayo ngomunye umlobi womKhrestu:

> Umbono weminikelo uveza ukuba kunolaka okumele lwehliswe lothotshiswe. Kodwa naka ukuthi yithi esabiza ukuba kubenomnikelo, akusuye uNkulunkulu. Nguye olethe umnikelo. Umbono othi ulaka lukaNkulunkulu kwakumele lwaneliswe ukwenzela sithethelelwe awuveli eBhayibhelini. Kungumsangano ukuthi uNkulunkulu wayethukuthelele abantu ngalendlela yokuba akakwazi kubaxolela ngaphandle kokuba kube khona into enganikelwa ukubashwelezela olakeni lwakhe, nokuthi ngenxa yalokhu wazinikela isipho yena, aze weneliseka ngaso leso sipho...
>
> Umbono wamahedeni, okholelwa yiningi labantu abazibiza amakhrestu, ngothi abantu kwamele belethe umnikelo ozobashwelezela olakeni lukankulunkulu wabo. Ngakho konke ukukhonza kwabahedeni kungukufumbathisa onkulunkulu babo ukuba bebenzele umusa...

> Ukuhlushwa kwamakhrestu osekuqhubeke ezizweni eziningi ezibizwa ngokuthi ngezamakhrestu ezikhathini ezidlule, esezikhona namanje, ngumphumela noma izithelo zezimfundo zabahedeni zokunikela ukuba ushweleze. Abaholi bamabandla bacabanga ukuba insindiso iza ngenxa yemisebenzi nokuba umuntu ngemisebenzi yakhe engabuyisana nonkulunkulu kusulwe izono; ngalokho banikela ngalowo abacabanga unekhanda elishisayo njengomhlatshelo konkulunkulu babo, ngobaphela uNkulunkulu uJehova akayithokozeli iminikelo enjalo. E.J Waggoner, *Present Truth*, Aug 30, 1894.

Uma sineqiniso, nesimilo sikaYise sothando sisibona, kuzoqala ukuvusa kithina izinga lenguquko yezono zethu ejulile.

> Ngokuba ngifuna uthando, hayi umhlatshelo; ngifuna ukumazi uNkulunkulu kuneminikelo yokushiswa. UHoseya 6:6

Lenkonzo yokunikela ngomnikelo ukuze sixolelwe ngenye yezinxenye zokugcina esizisebenzisayo ukuzivikela maqondana necala lethu lokuhlanganyela noSathane nezithunywa zakhe ukuba sibulale iNdodana kaNkulunkulu. Uma sesiwele amaphethelo wokugcina, nakhu okuzokwenzeka.

> Ngiyakuthululela phezu kwendlu kaDavide naphezu kwabakhileyo eJerusalema umoya womusa nowokunxusa, bambheke abamgwazileyo, bamlilele njengokulilela ozelwe yedwa, babe-nomunyu ngaye njengonomunyu ngezibulo lakhe. UZakariya 12:10

Umunyu womphefumulo u-Adamu ayengawunika uNkulunkulu ngenxa yesono sakhe ungaba ngumunyu wethu namhlanje ekukhanyeni kwesimilo sothando lukaNkulunkulu. UNkulunkulu akabizanga ukuba eshwelezwe ngeminikelo nemihlatshelo, noma ethi lokhu kuyamthokozisa. Nangu umnikelo awubizayo nawufunayo:

> Iminikelo kaNkulunkulu ingumoya owaphukileyo; inhliziyo eyaphukileyo nedabukileyo, Nkulunkulu, awuyi kuyidelela. AmaHubo 51:17

> Ngokuba usho kanje ophakamileyo nophezulu, ohlala kuze kubephakade, ogama lakhe lingo Ngcwele, uthi: Ngihlala endaweni ephakemeyo nengcwele, kepha nakuye onomoya ochotshoziweyo

> nothebekileyo, ukuvuselela umoya wabathobekileyo nokuphilisa izinhliziyo zabachotshoziweyo. U-Isaya 57:15

Uma ufuna ukuhlolisisa kahle umbhalo ekukhanyeni kwezimiso ezivezwa kulencwadi, uzothola iqiniso lamazwi kaJesu kuFilipu:

> UJesu wathi kuye: Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filipu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba… NgokukaJohane14:9

Mina, kuyintokozo kimi ukuvuka nsuku zonke ngemicabango yesimilo esimnene nesothando lukaBaba wami osezulwini. Ngiyamangala uma ngicabanga ukuba wayengavuma ukunikela ethumele ngeNdodana yakhe ukuba isikhombise ukuthi empeleni yena unjani. Nanoma kwakunengozi yokuthi uluntu luzoguqula yonke into, uJesu wazikhethela engaphoxwanga ukuba esitshengise uBaba, nokuthi sazi ukuba akasositha sethu. UnguYise, uYise wethu oligugu othanda izingane zakhe. Awekho amazwi angachaza ngokugcwele ukujula kothando lwakhe olungena-mina uthando analo ngathi uthando lwe-Agape.

Kuyisifiso sami ukuba singathatha uhambo sonke, singene kuleyondawo engcwele yokuthula okuphelele, sizwe lamazwi ngokugcwala kwawo.

> Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo. NgokukaMathewu 3:17

> Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe, asiphe wona ngesihle ngaye oThandiweyo. KwabaseEfesu 1:6

Ekujuleni kwethu sonke sinesifiso sokuthula, nesiqiniseko sokuthi sithandiwe. Uluntu lungasondela kanjani kulesi simo nenhloso ephakeme? Ngakho konke ukuthuthuka kwethu kwezethekinologi, umhlaba uya ujula ngokukhohlakala nobudlwangudlwangu.

Impilo kaKhrestu owayehamba emhlabeni iminyaka engu-2000 edlule, isinikeza isibonelo sothando olungazicabangeli lona, olwaletha ukuthula kwabayizigidi zabantu. Kwiningi labantu, lesibonelo esihle sifihlakele noma sibhidliziwe yizindatshana eziningi esizifunda eBhayibhelini lapho uNkulunkulu uxhumana nabantu.

Ngesinye isikhathi uNkulunkulu uvela enendluzula nobudlwangudlwangu, enikeza izwi lokuba kubulawe hhayi amabutho wezitha kuphela kodwa nezingane zawo, ngisho zezisancela. IBhayibheli liveza ukuba unolaka nentukuthelo. Ngaphezu kwalokhu ukufa kwesiphambano kuncoliswe yimicabango ethi uNkulunkulu ubiza ukufa kwalabo abeqa umthetho wakhe.

Kulabo abalithandayo izwi likaNkulunkulu, ukuphikisana nomahluko walezi zinchazelo zikaNkulunkulu eBhayibhelini nempilo kaKhrestu sekwaphendula amanye amazwi akhulunywa nguJesu abenzima kakhulu ukuwaxazulula. Nokho, ngesinye isikhathi esibaluleke kakhulu, uJesu ekhuluma nomunye wabafundi bakhe wathi, "Ongibonile mina, ubonile uBaba."

Lokhu kwenzeka kanjani na? Kuyiqiniso yini ukuba uNkulunkulu ogcwele isihe nomusa, nothando njengoba eveziwe empilweni kaJesu? Ingabe lenxushunxushu ingaxazululwa yini sibe sihamba eqinisweni kweBhayibheli? Esandleni sakho uphethe isithumbululi-nkinga salamasithesithe.